Ngo-1996, zilinganiselwa kumaphesenti angu-53 izikole ezazinezincwadi zokufunda ezanele. Ukuhlinzekwa kwezincwadi kuye kwathuthuka, kwafinyelela amaphesenti angu-93 onyakeni wezimali ka-2016/17[80]. Amaphesenti abafundi beBanga 6 abakwazi ukuthola izincwadi zokufunda aye anyuka asuka ku-36 ngo-2007 ukuya ku-66 ngo-2013 ngokuvumelana neSACMEQ[81]. Ukuhlinzekwa kwezincwadi zokufunda ze-DBE lingamaphesenti angu-100 okuqinisekisa ukutholakala kwezinto ezibhaliwe. Ngaphezu koMthamo ongaphezu kwezigidi ezingu-56 iBanga 1 kanye no-2 wezincwadi ezishicilelwe zathunyelwa ngesikhathi ezikoleni zikahulumeni ezingu-23 543 ngazo zonke izilimi Ukufunda Ukufunda Nokubhala/Izilimi kanye Ukubala/Izibalo unyaka nonyaka.[82]

I-DBE iphinde yathola indlela okungaphathwa ngayo lezi zincwadi ukuze kuncishiswe izindleko. Ezezibalo zaseNingizimu Afrika i-General Household Survey (GHS) ibonisa ukwehla kwamaphesenti abafundi abangazitholi lezi zincwadi zokufunda njengenkinga, ehla esuka emaphesentini angu-20 ngo-2002 kuya kwangu-4 ngo-2017[83]. Noma kunjalo ukutholakala kwezincwadi

80 uMnyango Wezemfundo Eyisisekelo. 2018. Umbiko Wonyaka 2017/18. EPitoli.

81 Inhlangano eseNingizimu neMpumalanga ne-Afrika eseNingizimu yokuqapha Ikhwalithi Yezemfundo. 2017. Iphrojekthi ye-SACMEQ IV eSouth Africa: Ucwaningo Ngemibandela YeSikole Nekhwalithi Yezemfundo, k. 19.

82 UMnyango Wezemfundo Eyisisekelo. I-2018. Ukubuyekezwa kweminyaka engama-25 yenqubekela phambili emkhakheni wezemfundo eyisisekelo, ngo-Okthoba 2018.

83 Stats SA. 2017. Ucwaningo Olukhulu Lwasekhaya. Izibalo ze-DBE uqobo.



Umdwebo 5.1: I-NSC kanye namazinga-eBachelors akhula kusukela ngo 1994.
Umthombo: I-DBE. 2019. Uhlaka Lomkhakha Ozowakhiwa..

zokufunda kubafundi beBanga 10 -12 kuye kwahlala emaphesentini angaba ngu-78 phakathi kuka-2013 kanye no-2017 ngokusho kwe-General Household Survey[84]. Inhlolovo Elawula Izikole yango-2017 nayo yabonisa okuthi akufane, amaphesneti angaba ngu-86 eBanga 9 kanye nangu-83 eBanga 12 ayazithola izincwadi zokufunda. I-RDP yaphoqelela ukuthi imfundo kanye **nezidingo zokuqeqesha izingane eziphila nokukhubazeka** kanye nezinye izidingo ezikhethekile zinakekelwe ukuze kukwazi ukuhlangatshezwana nentuthuko yabo, ukuzimela kanye nokuba ingxenye yomphakathi kanye nomnotho. Uhulumeni wathuthukisa inani lezikole 64ezikhethekile lasuka ku-270 ngo-1996 laya ku-464 mgo-2015. Umphumela walokhu kwaba ukwanda kwesibalo sabafundi abamukelwayo ezikoleni ezikhethekile kuzo zonke izifundazwe besuka ku-64 000 ngo-2012 laya ku-119 259 ngo-2015[85]. Ngaphezu kwalokho, i-White Paper on Inclusuve Education yayihlose ukufaka abafundi abaphila nokukhubazeka okuthile kokufunda ezikoleni ezivamile. Isibalo sabafundi abaphila nokukhubazeka, ngokusho kwe-UN Children Fund, sicishe sifinyelele izigidi ezingaba ngu-2.1 (amaphesenti angu-11,3 abo bonke abafundi), kubafundi abangu-474 000 abaphila nokukhubazeka okukhulu.[86]

I-RDP yaphinde yaphawula ukuthi **amantombazanyane kanye nabantu besifazane** baye benqatshelwa ngokuphawulekayo ukufunda kanye namathuba okuqeqeshwa ngengxa yobulili babo. Noma kunjalo kuye kwamiswa imithetho kanye namasu ahloselwe ukuhlela kanye nokusebenzisa ukuthuthukiswa kwe-HR (HRD) ukuze kulelwe amalungelo obulili. Kuleminyaka emihlanu endlule, abafundi abangabesifazane abenza izifundo ze-Mathematics kanye nePhysical Science liye laqhubeka lindlondlobala lidlula elabafundi besilisa. Kuyi-Mathematics, isibalo sabesifazane senyuka sisuka ku-123 045 ngo-2014 layofinyelela ku-133 175 ngo-2018 kuyilapho elabesilisa lehla lisuka ku-102 413 ngo-2014 laya ku-100 683 ngo-2018.[87] amanani aphawulekayo aye abonakala nakuyi-Physical Science lapho abesilisa abaningi beye bashiya phakathi, kanti abanye abazenzi kwakuzenza lezo zifundo zesayensi kanye nezibalo.

Ababambisene phakathi kohlangothi lwezemfundo, amabhizinisi, izinyonyana zothisha kanye ne-NGO baye bathola ukusekelwa. Ngaphezu kwalokho, kukhona okusadingeka kwenzeke ukuze kuhlangatshezwane nokuhleleka emkhakheni wezemfundo kanye nohulumeni. Ukuthuthukisa ukutshalwa kwezimali kanye nezindleko zemfundo eyisisekelo okwenziwa ngezinye izinhlaka kunikeza eminye imithombo ezinhlelweni eziyinhloko ezifana nokuthuthukisa indlela yokufundisa kanye nokuhlinzeka ngemitapo yolwazi. Lo mthetho wabhekana nokutshalwa kwemali emfundweni

84 Stats SA. 2017. Ucwaningo Olukhulu Lwasekhaya. Izibalo ze-DBE uqobo.
85 Umnyango WeMfundo Eyisisekelo. Izibalo Zemfundo eNingizimu Afrika zango-2016, July 2018.
86 I-UNICEF. 2012. Izingane Eziphila Nokukhubazeka eNingizimu Afrika: Ukuhlaziywa Kwesimo kwango-2001-2011, ikhasi. 10.
87 Umnyango WeMfundo Eyisisekelo. 2018, Umbiko Wokuhlolwa We-National Senior Certificate.

eyisisekelo ukusuka kuqala ukubusa umbuso wentando yeningi futhi kuye kwaba nale **miphumela**:

- Indlela abafundi beBanga 12 abenze ngayo kuyi-National Senior Certificate (NSC) liye lenyuka kancane lisuka kumaphesenti angu-58 ngo-1994 laya kwangu-78.2 ngo-2018[88]. Isibalo sabafundi abaphumelela ibanga 12 lenyuka kancane kakhulu ngisho naphezu kwemizamo eye yenziwa eminyakeni edlule. **I-Fugure 5.1** ibonisa ukuthi abaphumelela nge-Bachelor basebancane kakhulu namanje ngisho noma beye benyuka ngokuhamba kwesikhathi, kodwa abalingene ukuze sikwazi ukusekela amakhono esiwadingayo njengezwe.
- Abafundi abanezidingo ezikhethekile abathola i-Bachelor liye lenyuka lisuka ku-443 ngo-2015 laya ku-1 669 ngo-2018[89]. Inani labafundi ababezidingo ezikhethekile ababhala ukuhlolwa kweBanga 12 liye lenyuka lisuka ku-1 691 layofinyelela ku-3 591[90].
- Amaphesenti abafundi abaneminyaka engu-20 nangaphezulu abenza ibanga leshumi liye lenyukela ku-maphesenti angu-45.7 ngo-2018 lisuka kwangu-20.7 ngo-2002[91].
- Inani labafundi abangabase-Afrika abathola amaphesenti angu-60 esifundweni seZibalo liye laphindeka kabili phakathi no-2008 kanye no-2018[92].

Abafundi abaningi abavela ezindaweni eziphansi baye baphumelela kuyi-NSC futhi babonisa intuthuko emisebenzini eyenziwa emhlabeni wonke.

IZINSELELE EZIPHIKELELAYO

Ukubheka isithombe esiphelele, ngemva kweminyaka engu-25, nakuba kuye kwaba nentuthuko ohlelweni lwemfundo eyisisekelo, kodwa iminonjana yohulumeni wobandlululo isalokhu iwumthelela wezinkinga eziphakamayo. Lezi zinkinga zihlanganisa:

Indlela edumazayo yokufunda, njengomphumela we-**Progree in International Reading Literacy Study (PIRLS)** ka-2016, ibonisa ukuthi amaphesenti angu-78 abafundi beBanga 4 abakwazi ukufinyelela izinga eliphansi kakhulu lokufunda, uma kuqhathaniswa namaphesenti angu-4 abafundi bakwamanye amazwe. Ngenza yesiqalo esingesihle sokufunda ukufunda, kuye kwavula igebe elikhulu eminyakeni yakamuva. Ukugxila eBangeni-12 kuye kwenza ushintsho ekubekeni isisekelo esinengqondo eminyakeni yangaphambili, ikakhulukazi kuyi-ECD kanye nesisekelo sokufundiswa kahle.

Abantu abasha **"hhayi imfundo, umsebenzi noma ukuqeqeshwa" (NEET)**, ngokuvamile bayasiyeka isikole eBangeni-9, ngemva kweminyaka ephoqelelwe. Izizathu sokuyeka isikole zihlanganisa ukungabi nemali, ukufuna umsebenzi, ukukhulelwa, kanye nokuphindaphinda ikilasi. Ngemva kokuba sebesiyekile isikole, laba bantu abasha babhekana nokuphila kokuhlupheka, ukugula, kanye/noma ukuboshwa. Njengoba abafana kuyibo abayeka isikole kakhulu, lokho kwandisa kakhulu ukuphila kobugebengu. Abafana abasebasha baye babheke ukungasebenzi kahle kwezikhungo zemfundo njengesizathu sokuthi bangabi sezikhungweni zemfundo, okulandelwa umbono wokuthi imfundo iyinto engenamsebenzi. Ukukhulelwa kanye nokunakekela amalungu omndeni esinye sezizathu ezihamba phambili zokuyeka isikole kwamantombazane. Ngokuvamile, izwe lidinga izinhlobo ezihlukahlukene zamacebo obulili ukuze bagcine abantu abasha bezinikele esikoleni kanye nasekuqeqeshweni.

Imiphumela yokuba sezingeni eliphezulu kwezikhungo enye yezinkinga eziqhubekayo. Abafundi abangu-172 043 (33.6%) bebanga 12 bakwazi ukuphumelela ngezinga le-Bachelor ngo-2018[93] uma kuqhathaniswa nomsebenzi wabangu-255 000 we-Medium Term Strategic Frame (MTSF) owawuhlosiwe ngo-2018.noma kunjalo ukusuka emaphesentini angu-

> Ushintsho lwamakhono luyadingeka ukuze kulondolozwe umnotho wentsha, kodwa angeke kwenzeke ngaphandle kokuba kube noshintsho ezinhlelweni zomnotho.

88 *ibid.*
89 I-Reddy et al. 2018. I-Skills Supply and Deman eNingizimu Afrika. ikhasi.31
90 imakethe yabasebenziesebenzisana nokuhlinzekwa ngamakhono ayisidingo eNingizimu Afrika 2016, ikhasi 31.
91 I-Stats SA. 2017. I-Demographic Dividend and Stats SA 2018. I-General Household Survey.
92 Umnyango Wemfundo Eyisisekelo. 2019. I-Draft Action Plan ukuya ku-2024: Ukubheka Ekuvuseleleni Izikole 2030.
93 Umnyango Wemfundo Eyisisekelo. 2018. Umbiko Wokuhlola We-National Senior Certificate, ePitoli.

18 ngo-1994, abafundi abangamaphesenti angu-21.7 kanye nagu-29.9 abaphasa zizifundo zeZibalo kanye neSayensi ngamaphesenti angu-50 nangaphezulu uma sibheka ngo-2018. Isibalo sabafundi ababhala izivivinyo zePhysical Science kanye nemathematics liye lehla ngokuphawulekayo lisuka ku-192 618 kanye no-265 810 ngo-2016 ukuya ku-172 319 kanye no-233 858 mngo-2018.[94] iminonjana ye-Bantu Education eyayithi izingane zabansundu kanye nezabesifazane akufanele zifundiswe zizifundo ze-Mathematics kanye nezeSayensi isalokhu iletha ubunzima ohlelweni lwemfundo yamanje.

Akuzona zonke izikole ezikwazi ukusebenzisa i-inthanethi, okulinganisela uhlelo lwezemfundo ukuba lusebenzise ezobuchwephesheukuze kuhlinzekwe ngothisha abasezingeni eliphezulu kungakhathaliseki ukuthi kukuphi nendawo. Izikole ezibhekana nobunzima obukhulu bokulinganiselwa kwezokuxhumana izikole ezisemakhaya kanye nezisemadolobheni. Ngesikhathi esifaneyo, izindleko eziphezulu ze-datazisho ukuthi izikole ezinayo i-inthanethi zingase ziyithole ngokulinganiselwe ngengxa yezindleko ze-data. Ukwehluleka kukahulumeni ukuxhuma zonke izikole kuyi-inthanethi kusho ukuthi abafundi abaningi bayavaleleka ekutheni bakwazi ukusebenzisa ezobuchwepheshe ukuze bafunde noma bahlomele ukuba nengxenye kuyi-4IR. Izinguquko ohlelweni lokufunda lokulungiselela abafundi i-4IR kuzoba nomthelela omcane uma izwe lingakuqinisekisi ukuthi zonke izikole ziyakwazi ukusebenzisa i-inthanethi nokuncishiswa kwezindleko ze-data.

Ukungenzi-kahle kuye kwabikwa kakhulu ezikoleni eziyi-quintile 1ngisho noma kwakukhona intuthuko ephawulekayo. Ukuze sikuchaze lokhu, uma kuzo zonke izikole ezingama-quintile bekunabafundi abangu-1000 ababhaliselwe ukwenza iBanga 1, abafundi abangu-239 kuphela be-quintile 1 abazophumelela umatikuletsheni, kuyilapho abangu-732 be-quintile 5 bazophumelela kumatikuletsheni. Imiphumela ye-TIMSS ka-2015 ibonisa ukuthi amaphesenti angu-79 abafundi bebanga 9 abafunda ezikoleni ezingakhokhelwa abalutholi ulwazi oluyisisekelo[95] kanye namakhono ayisisekelo okungamaphuzu angu-400 uma kuqhathaniswa namaphesenti angu-38 ezikole ezikhokhelwayo. Ezinye zezithathu zokungenzi kahle zihlanganisa ukungakutholi ukudla okunomsoco kanye nokungasebenzi kahle esikoleni okuwumphumela wokuhlanganiswa kobuholi obuphansi ezikoleni, ubuphathi, ukwesekwa okuphansi kanye nokwehluleka ukusabalalisa. Izwe manje linezindlela ezimbili zohlelo lwezikole zikahulumeni eyodwa kuzo ibhekelele abafundi abenza kahle kuyilapho enye ibhekelela abafundi abaningana abangenzi kahle, kanye nabafundi abaningi abangaphumeleli. Ngakho ke izwe lilahlekelwa uhlelo lokwakha ukulingana ngendlela ebucayi kanye nobunye bomphakathi.

Ukungaqedwa kokwakhiwa kwengqala sizinda kuphakamisa isimo esibucayi. Kunokuhamba ngonyawo lonwabu ekuhlangabezananeni nezidingo zezikole ezibekwe abe-Minimum Norms and Standards for School Infrastructure (2013). Ukungaqoqwa kahle kwendle kuye kwaphumela ekufeni kwabantu e-Limpompo kanye nase-Eastern Cape, kanye nokuthathelwa kukahulumeni izinyathelo zomthetho imiphakathi. Nakuba izimali ziyinselele ekwakheni kanye nasekunakekeleni izikole, esinye isizathu sokushaya ngonyawo lonywabu zihlanganisa: ukungakwazi ukusebenzisa kanye nokulawula izimali ezikhona, izinga eliphansi lokulawula ukumiswa kwezinhlangano okuholela ekubambezelekeni ukwakhiwa kwezikole, nomsebenzi ongemuhle owenziwayo okuba yimiphumela yokuhamba kwancane. Isilinganiso esingathwalwa ezinye izifundazwe siphansi, okuhlanganisa ukuheha nokulondoloza abathile, kwenza ukulawula kube okungavamile. I-RDP ithi ukonakalisa impahla ngenhloso kanye nokushisa izakhiwo akumelwe kubekezelelwe, kodwa izikole ziyonakaliswa futhi izinsiza ziyebiwa, futhi ngezinye izikhathi phakathi nemibhikisho yezidingo zomphakathi, okubuyisela emuva imizamo intuthuko esuke isiyenziwe.

Ingxenye yabafundi beBanga 1 abafunde iBanga R liye lehla phakathi neminyaka edlule ukusuka kumaphesenti angu-97 ngo-2009 laya kwangu-94 ngo-2017. Lokhu kwehla kungenzeka kube uphumela wokuthi akusaphoqelewe ukuthu abafundi baqale eBangeni R. ENkulumweni yakhe Ebhekiswe EsiZweni (SoNA) ngo-February 2019 uMongameli, wamemezela ukuthi uhulumeni uhlose ukuphoqelela iminyaka emibili yemfundo eyisisekelo.

Isizinda sezomnotho-nezenhlalo sinomthelela endleleni abafundi abaqhuba ngayo ezinhlelweni zesikole, futhi izinhlelo zemfundo azikwazi ukulinganisa amathuba alinganayo okuphumelela. Imininingwane yeNhlolovo Yomphakathi i-StatsSA (2016) ibonisa izinga lemfundo eliphezulu labazali, linquma indlela izingane ezizozimisela ngayo ukuqhubeka zifunda eMzansi Afrika. Kuyilapho abaningi ezinganeni zabamhlophe abaneziqu zasekolishi bakhuliswe abazali abaneziqu ezifanayo (56%), izizukulwane eziningi zamakhaladi ezineziqu ezifanayo ziye zadluliselwa kwesinye ngamaphesenti angu-28, angu-27 kumandiya kanye nangu-24 kubantu base-Afrika.

UMzansi Afrika uphiwe abantu abasha abanamakhona kanye nezindlela ezintsha kuhlanganise nalabo abangamaciko namakhono kanye nolwazi. Lawa makhono anendima enkulu ekuthuthukiseni ekwenzeni umphakathi obumbene nokwakha isizwe, kanye nokuthuthukisa umnotho. Akukhona nje ukuhlalela

94 Umnyango Wemfundo Eyisisekelo. 2018. Umbiko Wokuhlola We-National Senior Certificate, ePitoli

95 U-Reddy V., U-Juan A., U-Isdale K., U-Fongwa S. 2017. Intuthuko kwezezibalo kanye nentuthuko ezikhaleni: I-TIMSS 1995 ukuya ku-2015.

izithembiso zeMzantsi Golden Economic Strategy, kuze kube namuhla, ukuthuthukisa amandla amakhono obuciko kanye namasiko kanye nolwazi olube negalelo elikhulu ekukhuleni komnotho akwenzekanga ngendlela efanele.



INGABE BEWAZI

EZINYE IZINHLAKA ZIKA-HULUMENI WASENIN-GIZIMU AFRIKA

Kreepy Crawley

Retinal Cryosurgery

Quadro Engine

Catscan

Heart transplant

Q20

Oil from coal (Sasol)

Dolosse

Pratley's Patty

Niknaks chips made from maize

Smart lock syringe

Rooivalk

Computarised Ticket system Computicket

Penis transplant

Packaged Mageu (Fermented mealie drink)

Speed gun

APS Therapy

Shark Shield

Cyber Tracker

Hippo Water Roller

UKUQHATHANISA UMZANSI AFRIKA KANYE NAMANYE AMAZWE

Uma kuziwa emiphumeleni yezemfundo uMzansi Afrika awenzanga kahle uma kuqhathaniswa namazwe amaningi ane-GDP efanayo noma engaphansi. Naphezu kweqiniso lokuthi uMzansi Afrika uye wabonisa intuthuko enkulu kweZezibalo kanye neSayensi uma kuqhathaniswa nesigaba sikazwe lonke, izwe liye langenza kahle uma liqhathaniswa namanye amazwe. Ngokwesibonelo, ngo-2015 Ezazisematheni kweZezibalo kanye Nezifundo zeSayensi (TIMSS), uMzansi Afrika ubungowesibili ukususka phansi (372) yehlule kuphela i-Saudi Arabia. UMzansi Afrika uphinde wahlulwa yiwo wonke amazwe angu-38 ezifundweni zeSayensi (358).

Entuthukweni Yezifundo Zokufunda Ukufunda NokuBhala (PIRLS), uMzansi Afrika (320) uphinde wenza ngaphansi kwawo wonke amazwe abe nengxenye, okuhlanganisa amazwe anjenge-Oman (418), Kuwait (393), i-Morocco (358), kanye neGibhithe (330).

Umbiko we-TIMSS waphawulla amaqiniso okuthi abafundi abasuka emakhaya anemfundo esezingeni eliphezulu athola amaphuzu angu-57 ezifundweni zezibalo kunalabo abavela emakhaya enemfundo eyisisekelo kuphela. Ukunikezwa izinga lemfundo eliphansi emikhayeni eminingi yaseMzansi Afrika kuchaza indlela engeyinhle okuqhutshwa ngayo ekukhelisweni komhlaba wonke.

Ukwenezela,i-TIMSS yaphawula amaqiniso abangakaze bahlukunyezwe iziqhwaga esikoleni bathola amaphuzu angu-68 angaphezu kwalabo abake bahlukunyezwa okubonisa ukuthi ukuphepha esikoleni kubalulekile ukuze kwakhe ukuzethemba futhi kuthuthukise nokufunda. Isimo ezikoleni zaseMzansi Afrika ezihlanganisa iziqhwaga kanye nokuphepha kungesinye isizathu sokungenzi kahle kwabafundi.

I-TIMSS ibonisa ukuthi abafundi abafunda ezikoleni ezinaka kakhulu ukwenza kahle bathola amaphuzu angu-34 ezifundweni zezibalo. Abafundi abangavamile ukulova bathola amaphuzu angu-60 angaphezu kwalabo abavamile ukulova. I-TIMSS ibonisa ukuthi uMzansi Afrika uye wathuthuka endleleni owenza ngayo ezifundweni ze-Mathematics kanye neSayensi, ukususka amaphuzwini angu-285 kanye no-268 ukuya ku-372 kanye no-358, phakathi nonyaka ka-2002 kanye no-2015. Intuthuko enkulu isentuthukweni ephansi eyenziwe, kulawo maqembu amaningi amancane. Indlela okwenziwe ngayo

iye yaba phansi uma iqhathaniswa namazwe amaningi ngisho noma amanye amazwe eye aba nezindleko ezincane, uma kuziwa kuyibhajethi yezwe, kwezemfundo. Lokhu kubonisa ukuthi uMzansi Afrika udinga ukuthuthukisa kakhulu izifundo zamasiko, ukufundisa kanye nokuhlanganyela.

Imiphumela yomsebenzi we-SACMEQ Grade 6 Language and Maths Mzansi Afrika, uye wenyukela ku-538 kanye no-552 ngo-2013 isukela ku-492 kanye no-486 ngo-2000[96]. Izwe liye labonisa intuthuko enkulu endleleni elisebenze ngayo uma kuqhathaniswa namanye amazwe ahlanganyele kulemisebenzi.

Ukwenezela kulokhu, i-National Education Evaluation Development Unit, iphawule ukubaluleka kobuholi esikoleni, intuthuko yobugcweti kanye nokusebenzisana, ukufundisa okusezingeni eliphezulu, usizo lokusekelwa kohlelo kanye nokubambisana, isimo sezikhungo-zabafundi, isikhathi esichithwe ezindabeni zokufundisa, njengeziyimhloko ekuphumeleleni kwanoma isiphi isikole.

IZINGUQUKO EMAKHONWENI AHLANGANISA EZENHLALO-KANYE-NEZOMNOTHO, UKUSHINTSHA KANYE NENTUTHUKO.

UMzansi Afrika ngo-1994 wawunesibalo sabantu esinezinga lemfundo namakhono eliphansi, izinhlelo zokufunda ezingalungile kanye nokuqeqeshwa okwakuhloselwe ukugqugquzela ubandlululo kanye nemithetho yohulumeni wobandlululo. Lolu hlelo lwalunokungalingani okusezingeni elikhulu kanye nezingxenye ezinkulu zawo ezazingasebenzi. Izinhlelo kanye nenani lemfundo ephakeme kuhlanganise nezinhlelo zokuqeqeshwa zaziphazanyiswa ubandlululo, kanye nezinhlelo zohulumeni eziyisidala, kuhlanganise nezinhlelo zokwenza imali okwenza kwaba nobunzima obukhulu kubafundi izikhungo kanye nomphakathi.

Ukuvuleleka koMzansi Afrika emcintiswaneni wezimaketheni zomhlaba wonke walandelwa intuthuko ezinhlakezi zezinkonzo ezingale kwezolimo kanye nezimbiwa ngokuvamile eqasha izisebenzi ezingenawo amakhono. Leso sikhathi futhi siye sabona ukwehla emkhakheni wezokukhiqiza oye wabhekana nobunzima uma uqhathaniswa nemincintiswano yamanye amazwe. ngesikhathi esifanayo, umnotho uye wadinga ukuba kutshalwe izimali ezinkulu, okuhambisana nezimfuno ezintsha zamakhono kanye nolwazi lwezomnotho. Kuye kwaba nokuntuleka okuvamile kwamakhono, ikakhulukazi esigabeni esiphezulu, okuthuthukise kafushane intuthuko yezobuchwepheshe, ikakhulukazi kuyi-ICT. Phakathi kuka-1970 kanye no-1998, imisebenzi edinga amakhono aphezulu iye yanda cishe ngamaphesenti angu-20



INGABE BEWAZI

Uthisha we-TV weZibalo kanye neSayensi u-William Smith wathola i-National Order Award, Baobob esaSiliva ngo-2019 ngenxa yokuba negalelo eluphumelelayo lokufundisa.

> Uguquko lwamakhono luyadingeka ukuze sibambe umcebo wentsha, kodwa angeke kwenzeke ngaphandle koshintsho ezinhlelweni zezomnotho.

96 I-SACMEQ IV Project eNingizimu Afrika: Ucwaningo Lwesimo Sezikole Kanye Nezinga Lemfundo, Umboko Omfushane, 2017. ePitoli.

kuyilapho imisebenzi engawadingi amakhono iye yehla ngamaphesenti afanayo, noma ngisho nangenani elikhulu kakhulu.

Amakhono engqala sizinda anokungafani phakathi kwezimfuno zabasebenzi kanye nabahlinzeki, aye aba nabantu abaphezulu abanamakhono, kuyilapho abaningi abangasebenzi bengenawo amakhono.[97] Nakuba kunjalo, ukwehluleka ukuthuthukisa ezolimo kanye nezinkampani ezikhiqizayo, iye yaphumela ekutheni umnotho uswele imisebenzi yabanamakhono amancane. Lokhu kuye kwaba nomthelela entsheni ekutheni ikwazi ukungena emsebenzini, okuhlanganisa abaningi abanamakhono alinganiselwe[98]. Ukwenezela, uMzansi Afrika ubhekene nokungafani kwezinto ezinhlinzekwa imfundo kanye nemisebenzi edinga iziqu zokuqeqeshelwa lowo msebenzi. Njengoba ushintsho lwamakhono ludingeka ukuze kubuyiswe umcebo wentsha, kodwa lokhu angeke kwenzeke ngaphandle kokuba kushintshwe izinhlelo zomnotho.

USHINTSHO UKUSUKA NGO-1994

Ngemva kweminyaka engu-25 ukusuka ku-1994, uhulumeni wentando yeningi uye wethula izinguquko zemithetho kanye nezinhlelo ukuze kuphinde kwakhiwe izinhlelo ze-PSET ezifanele bese zenziwa zivumelane nombono kanye nezinzuzo zentando yeningi.

I-RDP yathuthukisa umbono wokuthi, "*kube nohlelo lwemfundo kanye nokuqeqeshwa olwaluzohlinzeka amathuba alinganayo kungakhathaliseki ubuzwe, ibala, ubulili, isizinda, ulimi, iminyaka, inkolo, indawo ohlala kuyo, ipolitiki noma omunye umbono. Kumelwe ithuthukise ulwazi kanye namakhono azosentshenziselwa ukukhiqiza izimpahla ezisezingeni eliphezulu kanye nezinkonzo okuyosisiza ukuba sithuthukise amasiko ethu, imiphakathi yethu kanye nomnotho wethu*."

Imithetho, izinhlelo kanye nezinyathelo ezathathwa zazihloselwe ukuthuthukisa lowo mbono, ngokususa izinto ezaziyizithiyo, ukubhekana nokungalingani, ukuthuthukiswa kokulawulwa kwezinhlelo, ukusabela ezidingweni zabasebenzi kwezomnotho kanye nokuthuthukisa amakhono adingekayo emiphakathini kanye nakwezomnotho.

Intuthuko **eyedlulele ye-NQF** ngo-1996 yaba uphawu lwendlela entsha yokuthuthukisa abantu. I-NQF yayiwuhlelo lokuthuthukisa olwaluqondisa intuthuko emfundweni, nezindlela zokungena ezihlukahlukene kanye nezindlela zokuphuma. Yagqugquzela amakhono ahlukahlukene futhi yavumela ukukwazi ukuthwala umthamo kanye nokucacisa. I-NQF yayihlose ukubhekelela intuthuko phakathi kwezinhlaka ezihlukene kathathu zemfundo kanye nokuqeqeshwa – evamile, eyokwenezela kanye nephakeme – kanye nokucacisa phakathi kwezikhungo zemfundo kanye nokuqeqeshelwa amakhono. Njengengxenye ye-NQF, uhlelo olusha lwezimali kanye nezikhungo lwasungulwa, okwakuhlanganisa i-National Skills Authority, i-National Skills Fund (NSF), i-SETA kanye nezinhlangano Zomnyango Wezabasebenzi. Nakuba kunomthetho ocacile owawubekelwe ukuthuthukisa lolu hlelo, kusenezinselele ezikhona ekuwusebenziseni.

Umthetho Wokuthuthukiswa Kwamakhona wamiswa ngo-1998, ngenhloso yokukhuliswa ulwazi namakhono abasebenzi ukuze kuthuthukiswe imikhiqizo kanye nokuqashwa. Ngo-2013, i-*White Paper for PSET* yakhishwa iveza imithetho emisha yeziqondiso. Okwakuyinhloko kulo mthetho kwakuwukwakha iNingizimu Afrika ebuswa ngentando yeningi, enobulungisa, elinganayo, engenakho ukucwasa ngebala kanye nangokobulili; **uhlelo olulodwa, olulawuliwe lwe-PSET**; kanye nokuthuthukisa ukutholakala, intuthuko yobunjalo bento kanye nokwandisa ukuhlukahluka kwezimfuno. Iye yafuna futhi ubudlelwane obuqinile kanye nokusebenzisana phakathi kwemfundo kanye nezikhungo zokuqeqeshwa kanye nezindawo zokusebenza kuhlanganise nohlelo oluzobhekelela izidingo zabahlali ngabanye.

Umnyango Wemfundo Ephakeme kanye Nokuqeqeshwa (DHET) wahlanganisa Umthetho Ocacisayo wohlelo lwe-PSET eNingizimu Afrika ngo-2017, owawufuna ukwakha indawo evulekile yokucaciseleka phakathi kwezinhlaka ezintathu ze-NQF. I-NQF yayihlose ukubhekelela intuthuko phakathi kwemfundo evamile, eyokwenezela kanye nephakeme futhi icacise phakathi kwezikhungo zemfundo kanye nezokuqeqeshelwa amakhono. Iphinde yavumela ukuqeqeshwa endaweni yomsebenzi, yavula izikhala ezintsha ezidinga amakhono kanye neziqu zemfundo. Noma kunjalo inhloso yalo mthetho ayinayo imikhuba efanayo, okuhlanganisa nezinselele ekuhlangabezaneni nezimfuneko zokufaneleka. Amanye amakolishi ezobuchwepheshe (TVET) aye athatha izinyathelo, asungula izinhlelo zokusiza abafundi ukuba bathuthuke besuka emakolishi baye emanyuvesi emfundo kanye nokuqeqeshwa. Ngokwesibonelo, i-Waterberg TVET College, isebenzisana ne-University of Limpompo, iye yenza kwenzeka ngabafundi abafundela ezolimo emakolishi ezobuchwepheshe (TVET) ukuba baqhubekisele izifundo zabo e-University of Lompompo. Lapho nje sebethole izitiufiketi zabo ekolishi, bathola i-Diploma kweZolimo bangakwazi ukuqhubekisa imfundo yabo bathole i-degree. amakolishi ezobuchwepheshe aphinde abe namafamu asebenzayo lapho abafundi bengakwenza khona ngokoqobo lokho abakufundayo.

97 I-Reddy et al. 2016. I-Skills Supply and Deman eNingizimu Afrika. ikhasi.31.
98 Ibid.



Umdwebo 5.2: Isibalo sabafundi ababhaliswe ezikhungweni zemfundo yokwenezela ngokwezinhlobo zamalungelo ngo- 1994, 1999 kanye no-2016.
Umthombo: DHET 2013, 2016, 2018.

Njengokufa kweziphathimandla zobandlululo, lokho kwachaza ushintsho lwezinhlelo ze-PSET. Kwaqondiswa ubunkimbinkimbi bezikhungo baba uhlelo olubonakalayo lohlelo lwe-PSET olwaqhubekisela inhloso yokwakha izinhlaka eziqinile ezinkulu zokulawula. Ngaphezu kwalokho, ukwanda kwenani labafundi abangama-NEET kwabonisa ukuthi uhlelo lwe-PSET lwalunganele ukuhlangabezana nezidingo zmakhono abantu abasha, ukwenezela emnothweni wabantu.

Ukunganeli kwengqala sizinda kanye nokuphindaphindeka kwezinkonzo zezinhlelo zemfundo ephakeme eNingizimu Afrika kuye kwalungiswa ngokuhlela kabusha kanye nokuhlanganisa izikhungo. Phakathi no-2003 kanye no-2005, ama-HEI angu-36 ahlanganiswa aba ngu-23. Lokhu kwakuhlanganisa amanyuvesi amasiko, amanyuvesi ezobuchwepheshe kanye namanyuvesiahlanganisa konke.

Amanye amakolishi avalwa kuyilapho amanye ashintshwa enziwa amanyuvesi ukuze kutholakale othisha abasezingeni eliphezulu. Ngo-2014, amanyuvesi amabili ahlanganisa konke akhiwa, okuhlanganisa i-University of Mpumalanga kanye ne-Sol Plaatjie University ese-Northern Cape. Inyuvesi yesithathu ehlanganisa konke, i-Sefako Makgatho Health Sciences University eyasungulwa ngo-2015.

Amakolishi ezobuchwepheshe kanye nezikhungo zokuqeqeshwa ezingu-152 ahlanganiswa aba amakolishi angu-50 Emfundo Yokwenezela Kanye Nokuqeqeshwa (aziwa ngama-TVET colleges). Lokhu kwakwenzelwa ukusungula izikhungo eziqinile, ukuqinisa isibalo sawo kanye nokuwanikeza ngamakhono ahlukahlukene akhethekile. Esimweni ngasinyeamakolishi ayenza kahle ngaphambili ahlanganiswa namakolishiabengenzi kahleukuze kwenzelwe ukusentshenziswa kahle kwezinsiza. Ngo-2016, kwakuneziKhungo ezingu-26 Zemfundo Ephakeme, angu-50 e-Technical and Vocational Education and Training (TVET colleges), angu-279 ayebhaliswe njengamakolishi azimele kuyilapho angi-9 engmakolishi Emfundo Yomphakathi kanye Nokuqeqshwa (CET).

Uhlelo lwaseNingizimu Afrika lwe-PSET njalo beluhlotshaniswa nezinhlangano ezingekho emthethweni, futhi lokhu kuye kwaqhubeka kuba inking enkulu ekwenzeni ushintsho. Inani labantu ababhalisa amanyuvesi

likhulu kunenani labafundi ababhalisa emazingeni aphansi ezinhlelweni zokuqeqeshwa ezenzeka ngemva kwesikole **(Isithombe 5.2)**. Inselele eNingizimu Afrika ukushintsha lezo zinhlelo ezingekho emthethweni eziqokomisa ukuqeqeshwa kwezemfundo kwangemva kwesikole lapho nje kusaqala, ukuze inani elikhulu labantu ababhalisayo kube elabafuna imfundo eyisisekelo kunokuba kube elezinga lemfundo ephakeme.

Inani lamaciko **akhishiwe** ngonyaka liye lehla lisuka ku-33 000 ukuya ku-22 000 phakathi kuka-1985 kanye no-1995, futhi kamuva lehlela ku-4 500 ngo-2005.[99] kuyolapho inani lamaciko akhiqiziwe liye lenyukela ngaphezu kuka-20 000 ukusuka ngo-2016 ukuya ku-2017, izwe alikafinyeleli inani eliphezulu lamaciko akhiqizwa angu-30 000 ngonyaka phakathi nenkathi yobandlululo. Ngo-2005 kwakunamaciko angu-63 483 azifun dela iziqu zamakhono awo. Esikhathini esidlule, ukuqeqeshwa kwamaciko amaningi (80%) lalikhiqizwa izinkampani ezisebenzela uhulumeni (u-Eskom wakhiqiza inani eluphezulu) futhi lokhu kwabhekwa njengomsebenzi oyinhloko.[100] noma kunjalo, lokhu akusenjalo manje futhi isivumelwano sokuqeqshwa, saholela ekuvalweni kwezikhungo eziningi zokuqeqesha. Nakuba kunesidingo sokukhiqiza amaciko angu-30 000 ngonyaka ngo-2030 (umgomo weNDP), loluhlelo lusengakaqali ukusebenzela lo mgomo. Lokhu kungenxa yokuthi kunezindawo ezincane zokusebenza ezingathatha abafundi ukuze benze bukhoma lokhoabakuqeqeshelwayo kanye nothisha abasesilinganisweni abaqeqeshiwe.

Impumelelo eyodwa ekuthuthukiseni amakhono iye yeba intuthuko esibalweni sabantu base-Afrika abangenela izinhlelo zamaciko uma kuqhathaniswa nesimo sangaphambi kuka-1994 lapho isibalo esasisikhulu kwakungabamhlophe. Noma kunjalo, lolu hlelo lulonke lwenza intuthuko encane ekusebenziseni imifundaze kanye nokuqeqeshwa emsebenzini, kuyilapho abaningi ku-SETA befuna ukusekela ngemali yezinhlelo zamakhono okuyizifundo ezimfushane okuvame ukuthi okuningi kwakho kungaholeli ekutholeni umsebenzi kulabo abangasebenzi. Lokhu okunye ukwehluleka okube umphumela wohlelo lwe-SETA oluye lwabhekwa njengolungenamsebenzi.

Ukubhalisa emanyuvesi ezikhungweni zikahulumeni **kuye kwenyuka** kusuka ku-495 356 ngo-1994 kwaya ku-1 036 984 ngo-2017, okubonisa ukuthi ukwenyuka kwezibalo zokubhalisa kusondela kancane emgomweni we-NDP wokubhalisa abayizigidi ezingu-1.6 ngonyaka ka-2030.[101] ukubhalisa kuma-HEI kahulumeni kanye nazimele kuye kwafinyelela izigidi ezingu-1.1 ngo-2016, kuyilapho izikhungo ezizimele ze-HEI zabhalisa abafundi abangu-167 408, okwawedlula kude le umgomo we-NDP wango-2017 wokubhalisa abafundi abayizigidi ezingu-1.07.[102] Okwanikeza okwanikeza isibalo esikhulu kakhulu se-HEI fu ukubhaliswa kancane kusho ukuthi lezo zikhungo zabafundi: abasebenzi noma abafundi- kuyisibalo esikhulu. Ukubhaliswa amanyuvesi kahulumeni kwenyuka ngamaphesenti angu-3.1 ngonyaka ngokwesilinganiso sanganyaka ka-1994 ukuya ku-2016, kuyilapho ukwenyuka kwabafundi abathola i-bachelor kumatikuletsheni besingu-4.3. Ukubhalisa emanyuvesi akwenyukanga nesibalo esifanayo nesabaphumelela umatikuletsheni nge-bachelor.

Isibalo esikhulu sabafundi ababhaliswa ezikhungweni ze-HEI babengabase-Afrika (71.9%) okulandelwa ngabafundi abamhlophe (15.6%) afundi abangamakhaladi (6.3%) kanye nabafundi abangamaNdiya/Abase-Asia (5.2%). Umehluko wobulili ube mkhulu kakhulu kwabase-Afrika, lapho abafundi abangu-114 942 abaningi kungabesifazane ababhalisiwe kunabesilisa. Kutholakale umehluko omncane wobulili kumaNdiya/abase-Asia, amakhaladi kanye nabafundi abamhlophe.[103]

Ushintsho olukhulu ezibalweni zesibalo samanyuvesi kuze nezinkinga zezinguquko. Lokhu kuhlanganisa indlela okubhekwa ngayo amasiko emenyuvesi, izimali ezidingekayo zokuhlangabezana nokwenyuka kwesibalo sabafundi kanye nezinhlelo ebezingaguquguquki.

> Ukubhalisa ezikhungweni zamanyuvesi kahulumeni kuye kwenyuka kusuka ku-495 356 ngo-1994 kwaya ku-975 837 ngo-2016

99 U-Mukora, J. 2008. Umsebenzi Wocwaningo lwamakhono ayivela kancane nabucayi. Umnyango Wezabasebenzi. ikhasi. 52.
100 *ibid.*
101 I-Statistics South Africa. 2017. Umthamo Wochungechunge Lwemfundo III: Intuthuko kanye Nokubhaliswa kwezeMfundo, 2016, ikhasi. 56; Umengameli. 2014. Ukuhlaziya Kweminyaka Emine, 1994-2014, ikhasi. 52.
102 http://www.dhet.gov.za/Research%20 Coordination%20Monitoring%20and%20 Evaluation/6_DHET%20Stats%20Report_04%20 April%202018.pdf. ikhasi.3. Izibalo Ezikoleni Zemfundo Yokwenezela eNingizimu Afrika
103 http://www.dhet.gov.za/Research%20 Coordination%20Monitoring%20and%20 Evaluation/6_DHET%20Stats%20Report_04%20April%202018.pdf. ikhasi.13



Umdwebo 5.3: Ukwanda ekubhaliseni kuma- CET, TVET kanye nasezikhungweni zemfundo ephakeme ukusuka ngo-2005 ukuya ngo-2016.
Umthombo: I-Statistics South Africa. 2019. Umthamo Wochungechunge Lwemfundo V: Imfundo Ephakeme kanye Namakhono eNingizimu Afrika, 2017.

Kuyilapho intuthuko ekushintsheni i-PSET iqhubeka, amaphesenti esibalo sabaseNingizimu Afrika abaneziqu besilokhu siphansi, uma kuqhathaniswa namazwe iNingizimu Afrika encintisana nawo kwezomnotho.

Kuye kwacatshangelwa ukuthuthukiswa kwemisebenzi yamakhono ukusuka ngo-1994, kuyilapho ukubhalisa amakolishi ezobuchwepheshe (TVET) kuye kwenyuka kusuka ku-357 885 ngo-1999[104] ukuya ku-705 397 ngo 2016[105], futhi kuye kwehla ngo-2017 kwaya ku-688 028. I-National Curriculum Vocational yasungulwa ukuze ithuthukise izinga lamakolishi e-TVET okwenezela ezifundweni ze-National Accredited Technical Educational Diploma.

Noma kunjalo, izikhungo zamakolishi ezobuchwepheshe (TVET) akubhekwa njengendlela engcono ngabantu abasha abaningi abafuna ukuya emanyuvesi. Lokhu kubonakala kungengxa yokuthi izinhlelo zokusekela ngezimali zomphakathi zibonakala zibhekelele kakhulu amanyuvesi kunamakolishi ezobuchwepheshe, okwenza amanyuvesi kube iwona athandwa kakhulu. Amanyuvesi ezobuchwepheshe (TVET) aye abonakala enezibalo ezincane kunamanyuvesi futhi aye ahlotshaniswa nokubhalisa kwalabo abantulayo kanye nalabo bafundi abangenzi kahle.

Ukubhalisa emanyuvesi kanye nasemakolishi ezobuchwepheshe (TVET) kuye kwakhula kule minyaka edlule, kuyilapho ukubhalisa emanyuvesi kuye kwahlala kunjalo ngokwesilinganiso (**Fugure 5.3**). Ngo-2000 kwakunabafundi ababhalisile abangu-578 134, kanti ngo-2016 lelo nani lacishe laphindeka. Amaphesenti abafundi ababhalisile lakhula ngamaphesenti angu-38.2 phakathi konyaka ka-2000 kanye no-2008 kanye namaphesenti angu-22 phakathi no-2008 kanye no-2016.[106] Noma kunjalo, kumelwe kuphawulwe ukuthi **isithombe 5.3** ibonisa ukuthi ukwenyuka kokubhalisa ezinhlelweni ze-PSET kuye kwehla phakathi no-2012 kanye no-2016, okwenza kwangaba nantuthuko. Ukubhalisa Emakolishi Omphakathi kuye kwehla ukusuka ku-294 855 (abangu-1 828 ezikhungweni ze-AET) ngo-1999 ukuya kwabangu-273 431 ngo-2016 (Emakolishi Omphakathi ayisishiyagalolinye) futhi kwehla kancane ngo-2017 kwaba ngu-258 199.[107]INational Task Team on Community Education and Training (DHET, 2012) yahlongoza ukuthi kungase kube khona Amakolishi Omphakathi esifundazweni ngasinye njengesiqalo futhi kancane kancane kube khona eyodwa eyodwa kubo bonke omasipala.

I-RDP yalwela ukuthi **amantombazane kanye nabesifazane** kumelwe bakhuthazwe ukuthi baphishekele izifundo ezingahileli amasiko ezinjengezibalo kanye nesayensi. Ngemva kweminyaka njengoba bekulokhu kunentuthuko, iye yaba khona futhi nakwabesifazane. Ngo-2016, abanza izifundo zasekolishi babeningi baesifazane abaphakathi kweminyaka engi-17 ukuya kwengu-40 uma beqhathaniswa nabesilisa

104 I-Statistics South Africa. 2017. Umthamo Wochungechunge Lwemfundo III: : Intuthuko kanye Nokubhaliswa kwezeMfundo, 2016, ikhasi. 56; Umnyango Wemfundo Ephakeme kanye Nokuqeqeshwa, Uhlelo Lokusebenza Lonyaka 2019/20 ikhasi 7; ikhasi 8.
105 http://www.dhet.gov.za/Research%20 Coordination%20Monitoring%20and%20 Evaluation/6_DHET%20Stats%20Report_04%20 April%202018.pdf. p.3.
106 i-Statistics South Africa. 2019. Umthamo Wochungechunge Lwemfundo V: Imfundo Ephakeme kanye Namakhono eNingizimu Afrika, 2017, ikhasi. 32.
107 I-Statistics South Africa. 2019. . Umthamo Wochungechunge Lwemfundo V: Imfundo Ephakeme kanye Namakhono eNingizimu Afrika, 2017, ikhasi. 24; kanye Nomnyango Wemfundo Ephakeme kanye Nokuqeqeshwa. 2013. *I-White Paper for PSET*.

abaneminyaka efanayo (*amaphesenti angu-15.1 kanye nangu-12.8)[108]. Abesifazane babonakala befuna ukungenela izifundo zasekolishibesebancane kunabesilisa. Kuyilapho ngo-1996 ababesezikhungweni zamanyuvesi kwakungabesilisa kwathi ngonyaka ka-2000 abesifazane badlula abesilisa, kanyi ngo-2016 abesifazane baba amaphesenti angu-58.1 okubonakala kuyikhona okudla umhlanganiso, okwenziwa isibalo esiphezulu sabesifazane abaphumelela umatikuletsheni uma kuqhathaniswa nabesilisa[109]. Inani labesifazane ababa nengxenye liphezulu kakhulu uma liqhathanisw abesilisa abavela kuzo zonke izizwe. Nakuba isibalo sabesilisa kanye nabesifazane ababhalisa emakolishi ezobuchwepheshe (TVET) abonisa umehluko omncane, kuyaphawuleka ukuthi kunabesilisa abaningi kunabesifazane ababhalisela ukwenza isigaba se-N1 ukuya ku-N3, kuyilapho kunabesifazane abaningi ababhalisela ukwenza ibanga eliphakeme lika-N4 ukuya ku-N6 ngo-2016[110] Ngokwesilinganiso, abesilisa abaningi (71.9%) kunabesifazane (23.1%) ababebhalisele izinhlelo zokufundela amaciko ngo-2016/17, okwakuyintuthuko enkulu uma kuqhathaniswa no-2002 ukuya ku-2009, lapho kwakunabangaba amaphesenti angu-16.8 abesifazane ababebhalisele ukuba ngamaciko[111].

I-RDP yahlongoza ukuthi izikhungo zobuchwepheshe kumelwe zandiswe; ukuthi izinto zesayensi zihunyushelwe ezinhlelweni zobuchwepheshe; ukuthi ubuchwepheshe kumelwe bunakekelwe futhu buthuthukiswe; nokuthi amanyuvesi agxile kwezesayensi anakekele ngokushesha izidingo zabantu bethu. Ukusuka ngo-1995 **ukubhalisa kwezesayensi, ubunjinyela kanye nobuchwepheshe (SET) kuye kwenyuka** ngokwesilinganiso samaphesenti antu-4.3 okwanda unyaka nonyaka. Ngo-2017 kwakunabafundi abangu-310 115 ababhalise ohlelweni lwe-SET kwabangu-252 826 okweZobuntu.[112]

Ukwamukelwa kokwanda ohlelweni lwe-SET kanye nokwehla kwezobuntu kwakhomba ukuthi kunesidingo sokubuyekeza uhlelo lokufunda njengamathuluzi obuntu kwahlanganiswa nemisebenzi eyenziwa i-SET, njengendlela yokulungiselela abafundi izimfuno zomnotho wesimanje kanye ne-4IR. Amaciko kumelwe afakwe ohlelweni lwezemfundo ukuze kuthuthukiswe imisebenzi yezandla kanye nokuqhubekisela phambili amasiko aseMzansi Afrika. Lokhu kumelwe futhi kuthuthukise amaciko kanye nokubonakaliswa kwamasiko kuhlanganise nezemidlalo kanye nokuthuthukisa.

Amanani abonakalayo nangamukeleki kuleminyaka engu-20 edlulile ukusuka ngo—1997 ukuya ku-2016 ku-HEIkuye kwenyuka kusuka kumaphesenti angu-12.9 ngo-1997 kwaya kwangu-18.5 ngo-2013 futhi



108 I-Statistics South Africa. 2017. Umthamo Wochungechunge Lwemfundo III: Ukubhalisa kanye Nentuthuko KwezeMfundo, 2016, ikhasi. 53.
109 http://www.dhet.gov.za/Research%20Coordination%20 Monitoring%20and%20Evaluation/6_DHET%20Stats%20Report_04%20 April%202018.pdf. p.12.
110 I_Statistics South Africa. 2019. Umthamo Wochungechunge Lwemfundo V: Imfundo Ephakeme kanye Namakhono eNingizimu Afrika, 2017, ikhasi. 46.
111 JIPSA 2009 kanye ne-DHET 2016.
112 I-Human Science Research Council,1995-2001 Amabalengwe, 2003.

aye ahlala enjalo nango-2014, okwalandelwa ukwenyukela kwangu-19.1 ngo-2016.[113] ukwenyuka ngalendlela kwamanani kuwuphawu lokuthi lolu hlelo lunezinkinga, kuyingqala sizinda ukwesekwa ngezimali kanye nabasebenzi. Lokhu kuwuphawu lwengqinamba esisekwelweni solwazi lwezomnotho, okudinga ukuba wonke onengxenye afake isandla entuthukweni. Ngaphandle kokuhlalela izinkinga, ukususka ngo-1996, ababefunda ezikhungweni zemfundo yokwenezela ngokwesilinganiso sabangu-100 000 kwakhula ngamaphesenti acishe abe ngu-445.5 noma ngesilinganiso sangu-22.3 ngonyaka.[114]

Abafundi abaningi babonakala besabambezeleke esikoleni, okubonakala iBanga 11 ngokuyinhloko kuyilona elingenayo inqubekela phambili, lokhu kudunga ukuba kuthathelwe izinyathelo.[115] Isigaba esiphezulu sesigaba sesibili semfundo eyisisekelo (iBanga 10 ukuya ku-12) izibalo zibonisa ukuthi abaneminyaka engu-15 nangaphezulu iqembu labaseNdiya/Asiya ibona abavame ukuqeda isikole (61.2%) uma beqhathaniswa nabamhlophe (57.1%), Abansundu (55%) amakhaladi (52.7%). Amakhaladi abonakala enabambalwa abaqeda lesi sigaba semfundo umabeqhathaniswa namanye amaqembu ezizwe futhi banamathuba amancane kakhulu okuthi baqashwe noma baqhubekise izifundo zabo.[116]

Izizathu eziningi zokuthi abaningi bangaqhubekeli emfunweni yokwenezela zihlanganisa izinkinga zezimali.[117] kunokuntuleka kolwazi ezintweni ongazikwetha, ezihlanganisa imifundaze, ukufunda ngezobuchwepheshe, ukusebenza, kwanye nezindlela zokuhweba, ikakhulukazi ezikoleni ezingama-quintile 1 - 4; izikhala ezilinganisele emanyuvesi kanye nasemakolishi ezobuchwepheshe (TVET); okuhlanganisa nezinhlelo ezingekho semngangathweni zokusekela. Abafundi abasezindaweni zasemakhaya awaqhubekeli emanyuvesi futhi izizathu zalokho zihlanganisa izinga eliphansi lemfundo eyisisekelo kwenza abaningi bayeke isikole, abafundi abangamaphesenti angu-12 abansundu aye abhaliselwa iziqu zeminyaka emithathu futhi athola iziqu phakathi neminyaka emithathu.[118] ngaphambi kuka-December 2017 kwamenyezelwa imfundo yamahhala yabafundi abaswele emanyuvesi kanye nasemakolishi ezobuchwepheshe (TVET), izinkinga zezimali zaphoqelela abaningi ukuba bayeke.Abafundi abaningi abaphothula imfundo eyisisekelo bangene emanyuvesi bangabanye babafundi abaphuma emindenini ehlwempu abaye badlula ezimweni ezinzima ukuze bafinyelele emanyuvesi, kuyilapho izinhlelo ze-PSET ziye zehluleka ukubasekela.

Abashiya izikole zabansundu zezikole ezingama-quintile aphansi aye ancipha ngenxa yokuthi bazenzela izinqumo zeziqu abazozifundela, ikakhulukazi kuma-SET. Abesifazane abaphuma ezikoleni ezingama-quintile ibona kakhulu ababhekana nokungawutholi umsebenzi, okubonisa izinkinga eziqhubekayo ezibhekene nabathola iziqu, ngisho noma benazo iziqu zomsebenzi[119].
Nakuba kuyilungelo labantu ukuthola ithuba lemfundo, akwanele ukubhekana nenkinga yokuhlupheka, ngoba abafundi abaswele banamakhono namandla ahlukahlukene okubhekana nalezo zimo, futhi babhekana nezinkinga zomnotho eziphazamisa indlela yabo yokufunda.[120] Ukuvuleka kwamathuba ngaphandle kokusekelwa angeke kubasize abaningi abafanelekela izinhlelo ze-PSET.

Nakuba amanani abaphumelelayo aye akhula ngokwesilinganiso esithile futhi kwehla amanani ama-HEI, abafundi abaningi badinga ukuqedela izifundo zabo phakathi nesikhathi esithile esilindelekile. Kuye kwaba nemiphumela ukukhulisa isibalo sokungena ezikhjungweni ezingama-TVET; noma kunjalo, akwanele ukukhiqiza iziqu kodwa okubalulekile izinga okukhiqizwa ngalo iziqu kuyindaba engathi sina.

Ukwenezela kulokhu, isithombe esibekwa ngezikhungo zemfundo yokwenezela zithikameza izinqumo abafundi abazenzayo zokuqhubeka nezifundo zabo. Njengoba kubonisiwe ngaphambili amakolishiezobuchwepheshe (TVET) abonakala engathandwa kangako njengamanyuvesi futhi avame ukuhlotshaniswa nabahlwempu kaanye nabafundi abangenzanga kahle esikoleni. Iziqu zasema-TVET azinakwa kakhulu emkhakheni wezemisebenzi kanti izinhlelo ezingokho semgangatwheni ezifana nezinhlelo zemininingwane ziphumela ekubambezelekeni kwezitifiketi okwehlisa isithunzi. Ngaphezu komzamo wokwenza lezi zikhungo ezingama-TVET zibe into ongazikhethela yona, ngokuvamile labo bafundi abangathathwanga emanyuvesi kuba yibo ababhalisa kumakolishi ezobuchwepheshe (TVET). Lokhu kubonakala kungashintsha uma abafundi abafunde kuma-TVET bengabonakala kuyibona abathola imisebenzi noma abazisebenzayo futhi bathole imiholo emihle. 121 lokhu angeke kwenzeke ngaphandle komzamo

113 Umnyango Wemfundo Ephakeme Kanye Nokuqeqeshwa Emfundweni Yokwenezela KAnye Nokuqeqeshwa Kuyi-Monitor Macro Indicator Trends March 2019 (ikhasi 50).
114 I-Statistics South Africa. 2017. Umthamo Wochungechunge Lwemfundo III: Ukubhalisa kanye Nentuthuko Kwezemfundo, 2016, ikhasi. 9.
115 I-Statistics South Africa. 2019. Umthamo Wochungechunge Lwemfundo V: Imfundo Ephakeme kanye Namakhono eNingizimu Afrika, 2017, ikhasi. 32.
116 Umthamo Wochungechunge Lwemfundo I-Statistics South Africa. 2017. Umthamo Wochungechunge Lwemfundo III: Ukubhalisa kanye Nentuthuko Kwezemfundo, 2016, p. xiii.
117 *Isdale, K. Reddy, V. Winnaar, L. and Zuze, T.L. (2018) I-Exploring Youth Transitions: Iminyaka emihlanu ye-South African Youth Panel Survey. ePitoli: LMIP.*
118 Umnyango Wemfundo Ephakeme Kanye Nokuqeqeshwa. 2017. Izibalo Zezikole-Zemfundo-Yokwenezela kanye Nokuqeqeshwa eNingizimu Afrika.
119 Rogan, M. and Reynolds, J. 2016. Ukungalingani Ezikoleni, Imfundo Ephakeme kanye Nemakethe Yabasebenzi: Ubufakazi obuvela kuyi-Graduate Tracer Study e-Eastern Cape, eNingizimu Afrika.Intuthuko eNingizimu Afrika, 33(3), k. 343-360.
120 Reddy, V., Bhorat, H., Powell, M., Visser, M.M. kanye no-Arends, F. 2016. Ukuhlinzekwa Ngamakhono Adingekayo eNingizimu Afrika. Imakethe Yabasebenzi Nebambisene Nabo, k. 9.



	1994	1995	1996	1997	1998	2000	2005	2009	2010	2011	2012	2013	2014	2015	2016
Ibhizinisi kanye Nomnotho	8 391	9 203	8 741	9 353	9 580	19 894	28 153	33 818	41 657	44 158	46 044	49 051	50 380	53 863	56 364
Ezemfundo	14 333	17 430	18 364	16 417	16 189	18 174	29 348	35 532	37 892	37 878	35 478	38 212	37 076	36 654	42 107
Ezinye Izinkonzo Zoluntu	23 126	25 529	26 206	26 978	25 509	30 415	29 368	34 523	31 016	32 485	35 618	40 383	42 343	42 917	45 480
I-SET	12 710	13 332	13 515	14 184	14 775	24 235	33 506	41 509	42 760	46 101	48 849	53 176	55 574	58 090	59 125
I-RSA	58 560	65 494	66 826	66 933	66 053	92 819	120 385	145 426	153 327	160 630	165 995	180 822	185 373	191 524	203 076

Umdwebo 5.4: **Isibalo sabaphothule enyuvesi ukusuka ngonyaka ka-1994 ukuya ku-2016.**
Umthombo: Umnyango Wemfundo Ephakeme. Uhlelo Lwemfundo Ephakeme Kanye Nolwazi Lokulawula Ukuqeqeshwa. Ingosi: https://webapps.dhet.gov.za

> Ushintsho lwamakhono luyadingeka ukuze kubuyiswe umcebo wabantu abasha, kodwa angeke kwenzeke ngaphandle kwezinguquko zengqala sizinda yezomnotho.

wokwenyusa izinga leziqu zabo futhi sibafake emathubeni ezomnotho.[121]

Ngokufanayo, i-Historical Advantaged Institutions (HAI) ikwazi ukuheha abafundi abanamamaki aphezulu kamatikuletsheni uma kuqhathaniswa ne-Historical Disadvantaged Institutions. Ngokufanayo, amaphesenti angu-60 noma ngaphansi abafundi abangena enyuvesi abakhoni ukuqedela izifundo zabo, ngoba kungenzeka bayafeyila, bayayeka noma abenzi kahle ezifundweni. Lokhu kuhlanganisa iqiniso lokuthi labo abathola iziqu ze-HDI abakwazi ukuqashwa kalula ngengxa yokwesaba indlela abafunde ngayo.[122] Ngokwesibonelo, ukuqhathanisa okwenziwa phakathi kwabathole iziqu e-Rhodes kanye nase-Fort Hare babonisa ukuthi kunamaphesenti angu-7 abangasebenzi kwabangu-20.[123] Nakuba ukungenela izikhungo zemfundo yokwenezela kungaqinisekisi ukuthi uzoqashwa ngemva kokufunda, iziqu ozitholile kuhlanganise nesikhungo semfundo ofunde kuso kudlala indima enkulu ekwakheni ikusasa elihle. Umbono wokuqeda ukungalingani ngokobuzwe noma ngokwesizinda. Kuleso simo, kunesidingo sokuthuthukisa kokubili indlela yokulawula kanye nokusebenza kwe-HDI ukuze ibavumele bakhiqize izinga eliphezulu lokutholwa kweziqu kanye nabathweswa iziqu abahloniswayo emkhakheni wezabasebenzi.

121 *Fisher, R. and Simmons, R. (2012) I-Liberal conservatism, ne-vocationalism kanye nemfundo eyengeziwe eNgilandi. Umhlaba Wonke, Imiphakathi kanye Nemfundo, 10(1). k.31–51.*

122 Maringe, F. kanye no-Osman, R. (2016) Ukuguqula izikhungo zemfundo yokwenezela eNingizimu Afrika: Ukulinganiselwa kwamakhono atholakalayo. Uhambo LWemfundo Ephakeme yaseNingizimu Afrika, Umqulu 30,inombolo 5: k.120:140. Kuyi-inthanethi: http://dx.doi.org/10.20853/30-5-616 [Itholakele ngomhlaka-6 February 2019].

123 U-Van Broekhuizen, H. Van der Berg, S. kanye no-Hofmeyr, H. (2017) Ukutholakala kanye nemiphumela yemfundo ephakeme ngo-2008 kwebanga likamatikuletsheni. Kuyatholakala ku: http://www.lmip.org.za/document/higher-education-access-and-outcomes-2008-national- matric-cohort.



Umdwebo 5.5: **Imiphumela yemfundo isiyonke ngo-1996 kanye no-2016.**
SUmthombo: I-Statistics South Africa. 1996. I-Census; I-Statistics South Africa. 2001. I-Census; I-Statistics South Africa. 2011. I-Census; I-Statistics South Africa. 2016. I-Household Community Survey.

Inani labafundi abathweswa iziqu liye lenyuka kuleminyaka edlule. Inani labafundi abangu-58 560 abathweswa iziqu ngo-1994, lenyukela ku-210 931 ngo-2017.[124] Abesifazane abaningi kunabesilisa baye baphothula kule minyaka yakamuva. Ngokwesilinganiso, lolu hlelo seluqala ukukhiqiza abathweswa iziqu abaningi, okubonisa ukuphumelela kokusentshenziswa kwalo mthetho njengoba kuboniswa kuyi-**Fugure 5.4**. Abathweswa iziqu kuma-SET baye benyuka uma kuqhathaniswa nezifundo zobuntu, okuhlanganisa abesifazane abaningi kanye nabase-Afrika abathola iziqu kulama-SET.

I-NDP iye yazibekela umgomo wokuthuthukisa isilinganiso sokufinyelela amaphesenti angu-70 amakolishi ezobuchwepheshe (TVET) ngo-2030. Isilinganiso samakolishi ezobuchwepheshe aye abonakala enyuka ukusuka ngo-2011 ukuya ku-2016 esuka kumaphesenti angu-60.2 aya kwangu-62.2 njengoba lamanani ebonisa ukuthi kudingeka kungenelelwe ukuze kuhlangatshezwane nomgomo we-NDP. Nakuba kunjalo, isilinganiso esivamile Samakolishi Omphakathi (37.6%) abonakala asezingeni eliphansi kakhulu, kubafundi abathathu oyedwa kuphela oqedela izifundo zakhe.[125]

Inani elihlanganiswe nelamanje (eliphansi) labafundi abangu-180 998 abanezitifiketi liphakamisa isidingo sokuhambisa nokusebenzisa izinkonzo ze-SETA ukuze izidingo zabayizigidi ezingu-8.5 be-NEET zihlangatshezwe. Ngendela efanayo, ukuqedelwa kwezinhlelo zezifundo zobuciko nazo kumelwe zithuthukiswe kakhulu, ukusuka ku-21 151 (2017).[126]

> Amanyuvesi adinga ukwenza umzamo omkhulu ekusekeleni abafundi ukuze baqedele iziqu zabo phakathi nesikhathi abasinikeziwe.

124 I-DHET Post- School Education and Training Monitor Macro –Indicator Trends ikhasi March 2019 ikhasi 76.
125 I-DHET Post- School Education and Training Monitor Macro –Indicator Trends ikhasi March 2019 ikhasi 76.
126 I-DHET Post- School Education and Training Monitor Macro –Indicator Trends ikhasi March 2019 ikhasi 76.

Sekukonke, intuthuko kwezemfundo iye yaqala ukubonakala ngemva kuka-1996 (**Isithombe 5.5**). Ngo-2016, izinga labantu ababengafundile laba ngu-14.7 uma liqhathaniswa no-18.9 ngo-1996. Abangaba amaphesenti angu-78 abayile esikoleni uma liqhathaniswa nabangu-62.2 eminyakeni engu-20 engaphambili, kuyilapho inani lalabo ababethole imfundo yokwenezela lenyuka lisuka kumaphesenti angaba ngu-3.8 ngo-1996 laya ku-5.8 ngo-2016. Inani eliyizigidi ezingu-14.8 zabase-Afrika abangena ezikhungweni zemfundo ngo-2016, uma liqhathaniswa nezigidi ezingu-10.5 ngo-1996.[127] Amanani enyukayo ezemfundo ayashaqisa uma kubhekwa ukuhlangatshezwana nomgomo we-NDP wokuthola umsebenzi.

Imithetho engaqinile yokuthuthukisa indlela yokuthola imfundo uye waphumela **esibalweni sabafundi abathola uxhaxo kuHulumeni** Inani labafundi basemanyuvesi elithola uxhaso liye lenyuka lisuka ku-40 002 ngo-1994 ukuya ku-601 078 ngo-November 2018.[128] abangu-359 000 kulabo kwakungabafundi abenza unyaka wokuqala[129], kanti abangamaphesenti angu-12 babengabafundi base-TVET.[130] Ieli nani liye lenyuka ngokuhamba kweminyaka futhi kubonakala lizokwenyuka ukubheka phambili ngemva kwesimemezelo sokuthola imfundo yamahhala kubafundi abahlwempu (New Bursary Scheme) ehloselwe abafundi abaphuma emindenini ehola imali engaphansi kuka-R350 000 ngonyaka, okwaba umphumela wemibhikisho ye-#FeesMustFall. Isibalo sabafundi abasema-TVET abathola uxhaso lukahulumeni siye senyuka sisuka ku-12 283 ngo-2007 saya ku-225 557 ngo-2018.[131] Uhlahlo mali kukaHulumeni lwabela lwe-NSFAS olusiza amanyuvesi lwanyuka lisuka kumaphesenti angu-3.7 ngo-1997/98 ukuya kwangu-27.9 (R14.9 billion) ngo-2018/19. Lezi zibalo azihlanganisi imali etholwa u-NSFAS esuke ibuyiswe ilabo abake bazuza kuyo ngaphambili kuhlanganise nalabo abanikela ngokuzithandela ngemali.

Uhlahlo mali lwamanyuvesi lukahulumeni waseMzansi Afrika, okuhlanganisa izimali zokusekela u-NSFAS, njengoba amaphesenti e-GDP ayengu-0.65% ngo-2004/05, okwaba nentuthuko engu-0.85 ngo-2017/18, futhi kwaqhubeka kwaba angu-1.06 ngo-2018/19. Ngonyaka wohlahlo mali ka-2017/2017 we-Medium Term Expenditure Framework (MTEF), intuthuko enkulu iye yabonakala ekusekeleni amanyuvesi ngemva kwemibhikisho ye-#FeesMustFall futhi umbiko owakhishwa ngoNovember 2017 we-Presidential Commission of Inquiry into the Feasibility of Making Higher Education and Training Fee-free in South Africa – ikhomishana ka-Heher.

I-SETA yasungulwa ukuze iqinisekise ukuthi kunokusebenzisana phakathi kwezikhungo zokuthuthukisa amakhono zikahulumeni nezizimele. Ayikwazanga ukuwufeza ngokugcwele umsebenzi wayo wokwandisa izindawo zokusebenza ezizoqeqesha, ikakhulukazi abantu ababengabhekelelwe ngaphambili, okuhlanganisa abansundu, abesifazane kanye nabantu abaphila nokukhubazeka. Abanye baye balawula izinkinga ezidinga ukuthi i-DHET izinakekele njengengxenye yokungakwazi ukulawula kahle.

Ngokwe-*Times Higher Education* (2017), amanyuvesi aphezulu ayisishiyagalombili ase-Afrika awaseNingizimu Afrika. Nakhu okunye, amanyuvesi amabili aseNingizimu Afrika ahlanganiswa namanye amanyuvesi ayishumi aphezulu aseBrazil, Russia, India, China kanye neNingizimu Afrika (BRICS).[132]

Ukulungana kuseyinkinga enkulu kulolu hlelo. Imininingwane ibonisa ukuthi Indiya kanye nabafundi abamhlophe benza kahle kakhulu kuzo zonke izifundo zabo; i-diploma yeminyaka-emithathu, i-degree yeminyaka-emibili kanye neminyaka-emine (noma ngaphezulu).

IZINSELELE EZIPHIKELELAYO

Inkinga eyinhloko yohlelo lwe-PSET ukukhulisa inani labafundi base-Afrika kuzo zonke izikhungo, ngesikhathi esifanayo sinciphise inani labafundi abashiya phakathi futhi sikhulise inani labafundi abaphothulayo.

Ukuqasha abantu abanakhono ahlukahlukene kuyinkinga **Ekuqedeni 'izinhlelo ezingekho emthethweni'** eziyinselele kulolu hlelo. Lokhu kuthuthukisa ukubambisana kohlelo lwe-TVET futhi kuhlobana nomnotho, futhi kushintsha isimo sengqondo sokuthi izinhlelo zemfundo ye-TVET zibuyiselana emuva.

Izinhlelo ze-PSET zisadinga ukulungiswa zivumelane nokuthi ezomnotho zidinga isibalo esilinganiselwe sezisebenzi ezizosebenza emkhakheni wezimali. **Umnotho obeka phambili amakhono aphezulu futhi ube ubonakala unezisebenzi ezimbalwa ezinamakhono** usho ukuthi kuzoba nokwanda okukhulu kwabantu abangasebenzi. Lokhu futhi

127 Government Communications Information Services. 2017. South Africa Yearbook 2016/17. Education. p.1.
128 I-NSFAS. 2018. Amabalengwe e-Portfolio Committee on Higher Education and Training ngo-2018 imali yesibonelelo kanye nenqubekela phambili ezicelweni ngo-2019, 27 November 2018. Cape Town. Yatholwa ngomhlaka-12 May 2019. https://pmg.org.za/committee-meeting/27645/
129 Umnyango Wemfundo Ephakeme kanye Nokuqeqeshwa. 2018. I-Statistics on Post-School Education and Training eNingizimu Afrika ngo-2016. p.iii.
130 I-NSFAS. 2018. Amabalengwe nge-Portfolio Committee on Higher Education and Training ngo-2018 imali yesibonelelo kanye nenqubekela phambili ezicelweni ngo-201, 27 November 2018. Cape Town. AYatholwa ngomhlaka-12 May 2019. https://pmg.org.za/committee-meeting/27645/.
131 Umnyango Wemfundo Ephakeme kanye Nokuqeqeshwa. 2018. I-Statistics on Post-School Education and Training eNingizimu Afrika ngo-2016.
132 https://www.timeshighereducation.com/world-university-rankings/2017/world-ranking#survey-answer

kuphakamisa umbuzo wokuthi, mhlawumbe i-SA idinga ukukhetha uhlobo lwentuthuko yomnotho ofanelana namakhono onawo, bese unikeza abantu amakhono kuyilapho beqhubeka besebenza.

Ukwenza ushintsho ezinhlelweni zezemfundo kuzo zonke izigaba kusaqhubeka kuyimfuneko eyinhloko. Okwaphawulwa kuyi-*Educational White Paper* kusasebenza nanamuhla.[133] Isidingo sokukhuthaza **izinguquko kanye nokuvumelana nezimo kwezemfundo** njengoba kwavezwa kuyi-Educational White Paper lokhu kubaluleke kakhulu, kunanini ngaphambili, kuhlanganise nokufika kwe-4IR. Ukulungiswa kwe-NQF okuzonikeza indlela elula yokungena ezinhlelweni/izimfuneko kuselokhu kuyimfuneko eyinhloko ekusebenziseni i-4IR. Isu eliyinhloko ekuqinisekiseni ukuthi iNingizimu Afrika ingena kahle kuyi-4IR, ukuthuthukiswa kwamakhono ngomgomo wokulungiselela intsha imisebenzi esikhathini esizayo.

> Amakolishi ezobuchwepheshe (TVET) adinga ukuqinisekisa ukuthi aba izindawo ongazikhethela ngokuzithandela ukufunda kuzo uma kuziwa ekuthuthukisweni kwamakhono ngokuthi bahlinzeke abafundi babo ngamakhono adingekayo e-4IR.

Uhlelo lwe-PSET alunamandla, okuhlanganisa nokusaphaza okwenzeka endleleni okutholakala ngayo iziqu. **Amanani aphansi abaphumelelayo kanye naphezulu abashiya** phansi abonisa ukuthi lolu hlelo lungabhalisa abafundi abaningi uma bekungancishiswa ukusaphaza.Yize kuye kwaba nentuthuko kwabaphumelelayo emanyuvesi, abafundi abangamaphesenti angu-22 kuphela abaqeda iziqu zabo zeminyaka emithathu besebenzisa uhlelo lwango-2010, lokhu kuseyinani eliphansi kakhulu. Amaphesenti angu-30 kuphela abaqeda iziqu zabo ngonyaka wesine. Ngonyaka wesithupha, amaphesenti angu-56 kuphela abafundi ababebhalisile ngo-2010 abaqedela iziqu zabo zonyaka wesithathu.[134] Iezi zikhala ezikhona ezikhungweni zamanyuvesi zingakhuliswa kakhulu uma abafundi bengaqeda izifundo zabo ngesikhathi esilindelekile. Inani eliphansi labaphumelelayo liyizindleko uma kuziwa esikhathini esichithwayo kanye nezinsiza ezisentshenziswayo.

Amanyuvesi kudingeka azikhandle ekusekeleni abafundi ukuze baphothule iziqu zabo ngesikhathi abasinikeziwe. Ukungalingani kubonakala kahle uma ubheka ngokwebala inani labafundi abashiya phansi. Inani labafundi base-Afrika abashiya phansi onyakeni wokuqala liye lenyuka lisuka kumaphesenti angu-42 ngo-2000, laya kwangu-25 ababhalisele izifundo ze-diploma, njengoba kuboniswe Isithombe 5.6. Kubafundi base-Afrika ababhalisele iziqu zeminyaka-emithathu, amaphesenti angu-22 ashiya phansi onyakeni wokuqala uma kuqhathaniswa namaphesneti angu-15 abamhlophe ngo-2011. Okubonakalayo ukuthi laba bafundi kudingeka balwisane nezingqinamba ukuze bakwazi ukufinyelela onyakeni wokuqala, kubonisa ukuthi banamakhono acashile nokukhuthazela, okuyinto engagulisa izwe uma lawo makhono engalahleka. Nakuba kunjalo kunezinyathelo okumelwe zithathwe ukuqinisekisa ukuthi bayaphumelela lapho nje sebefinyelele emanyuvesi.

Ukushiya phansi kokubili emanyuvesi kanye nasemakolishi ezobuchwepheshe (TVET) kunciphisa amathuba okuthi abantu abasha abaningi bangabhekani nokuhlupheka. Lolu hlelo kudingeka luthuthukise ukukwazi kwalo ukuhlangabezana nezidingo ukuze lukwazi ukukhiqiza abafundi abathweswa iziqu abaningi. Izikhungo eziningi ziyadingeka ukuze kukwazi ukubhekanwa nomgomo obekwe i-NDP. Izinkinga zamanani aphezulu alabo abashiya phansi onyakeni wokuqala emanyuvesi kanye nabancane abaphumelelayo kumelwe kubhekanwe nazo, esikhathini esifushane. Ukunganeli kukhulu nakakhulu uma kubhekwa inani labashiya phansi ngokobulili.

Kukhona nenkinga ekhulayo emanyuvesi yokubandlululwa ngokwesizinda, nokuyilapho abafundi abaningi abaphuma ezikoleni ezikhokhelwayo bekwazi khona ukuthola imfundo yasenyuvesi uma kuqhathaniswa nabafundi abaphuma ezikoleni zomphakathi ezingakhokhelwa. Abafundi abaphuma ezikoleni ezikhokhelwayo banamathuba aphezulu okuthi baqhubekele emfundweni

133 Umnyango Wezemfundo. 1997. I-Education White Paper 3 A Programme for Higher Education Transformation. Kuyatholakala kuyi-inthanethi ku: www.gov.za.

134 Unyango Wemfundo Ephakeme kanye Nokuqeqeshwa, unyaka ka-2000 ukuya ku-2016 Abangena okokuqala Ezikhungweni Zemfundo Ephakeme, ngo-March 2019.



	2000 Imimyaka emithathu ye-deploma	2011 Imimyaka emithathu ye-deploma	2000 Iminyaka emithathu ye-degree	2011 Iminyaka emithathu ye-degree	2000 Iminyaka emine ye-degree	2011 Iminyaka emine ye-degree
Abase-Afrika	42.3%	25.0%	28.6%	22.2%	25.7%	21.5%
Amakhaladi	43.0%	26.9%	27.4%	21.9%	23.4%	17.8%
Amandiya	41.1%	23.5%	20.2%	16.9%	14.9%	12.2%
Abamhlophe	41.4%	24.4%	21.5%	14.9%	18.9%	10.3%

Umdwebo 5.6: Abashiya phansi ngokwebala kanye nohlobo lweziqu ukusuka ngo-2000 ukuya ku-2011.
Umthombo: I-DHET Stats on Post School Education and Training.



Umdwebo 5.7: Inani labaphothula umatikuletsheni neziqu ze-bachelor.
Umthombo: I-Stats SA kuyi https://www.southafricanmi.com/education-statistics.html.

ephakeme umakuqhathaniswa nalabo abaphuma ezikoleni ezingakhokhelwa ngisho noma bephase kahle. Endabeni yaseNingizimu Afrika, isizinda kanye nebala kuyinselele enkulu. Isithombe 5.7 ibonisa amaphesentu abafundi ngokwebala abaphumelela umatikuletsheni futhi baqhubekele phambili ekutholeni iziqu ze-Bachelors Degree. Abafundi abamhlophe njengoba kuboniswa amaphesenti ngokwebala abaningi abathola iziqu ze-Bachelors Degree. Okuyinhloko okwenza lokho ukuthi bayakwazi ukukhokhela izifundo zasemanyuvesi, kuyilapho amaphesenti aphezulu abafundi abamhlophe ethola iziqu ze-Bachelors Degree ngemva kukamatikuletsheni, okuhlanganisa amaphesenti angaba ngu-25 abafundi abamhlophe abathola lezo zoqu ngemva kukamatikuletsheni, amaNdiya/Asian alinganiselwa kumaphesenti angu-15 kanti Amakhaladi kanye nabaNsundu amaphesenti angu-5 abafundi abathola iziqu ze-Bachelors Degree ngemva kwebanga leshumi. Kuyaphawuleka ukuthi inani labafundi abaphothule umatikuletsheni base-Afrika abayokwenza iziqu ze-Bachelor liye lehla ukusuka ngo-1990, futhi ukusuka ngo-1983 kwakungelamakhaladi, kuyilapho amandiya/Asian kanye nabaMhlophe liye lenyuka kusuka ngo-1983.

Ngesikhathi esifanayo, amanyuvesi kumelwe asungule izinhlelo ezizosiza abafundi abaphuma emiphakathini ehlwempu baphumelele kunokulinda ukuba kube izinhlelo zesikole ezithuthukayo. I-HAI ikwazi ukuheha abafundi abanamamaki aphezulu okwenza kube nzima nge-HDI ukuncintisana ne-HAI uma kuziwa endleni abafundi abenza ngayo. Lokhu kugqugquzela indlela yokusebenza ekhona yamanyuvesi.

Ngisho noma indlela yokungena iye yenyuka phakathi neminyaka edlule, izinhlelo zemfundo azikwazi ukuhlangabezana nabo bonke abafundi. Lokhu kuboniswa amaphesenti abantu abasebasha abaneminyaka engu-15-24 ababengama-NEET. Lokhu kwenyuka okusukela kumaphesenti angu-29.7 kuyi-Q4: ngo-2017 kwaya ku-31.1 ku-Q4 ngo-2018.[135] abantu abasha abasemkhakheni we-NEET baye bashiya phansi kunoma ikuphi kungaba semfundweni eyisisekelo noma eyokwenezela noma izinhlelo zokuqeqeshwa. Ngokuqhubekayo; lolu hlelo alukwazanga ukubanikeza amakhono anele azobavumela ukuba bazisebenze. Ukwenyuka kwenani lama-NEET kubonisa ukuthi imithetho esebenzayo njengamanje kanye nezikhungo akukwazi ukuhlangabezana nabantu abasha abaningi abadinga amakhono ukuze bangenelele kwezomnotho.

Okwamanje, amakolishi ezobuchwepheshe (TVET) awazona izikhungo zokuqala ezingakhethwa futhi kusadingeka asebenzele ukukhulisa izinga lawo. Ngaphandle kokuthuthukisa imfundo yawo kanye nezinga eliphezulu lothisha kudingeka bakhulise nosomabhizinisi kubo bonke abafundi. Inking iwukuthi ukuze kwenziwe izinhlelo ezilula kudinga kwenziwe izinguquko ezinkulu emkhakheni wezemfundo, amakolishi ezobuchwepheshe (TVET), amakolishi omphakathi, nezindawo zokuqeqeshelwa umsebenzi ezikhuthaza umsebenzi owenziwa manje nowesikhathi esizayo. Izinguquko ezinkulu zokuthuthukisa lezi zindlela ziyadingeka ukuze sikwazi ukuthwala ikakhulukazi inani elikhulayo labantu abasha abadinga ukungena emkhakheni womsebenzi. Amakolishi ezobuchwepheshe kudingeka aqiniseke ukuthi aba yinto abafundi abangayikhetha ukuze bathuthukise amakhono ngokubacija ngamakhono ayimfuneko kuyi-4IR.

135 I-Statistics South Africa. 2018. I-Quarterly Labour Force Survey: Uhhafu Wesigamu 4, k. 8.



Umdwebo 5.8: Isilinganiso sabaneminyaka ephakathi kuka-25 nengu-64abaneziqu zasekolishi ngo-2015.
Umthombo: OECD. 2016. https://data.oecd.org/eduatt/population-with-tertiary-education.htm

Ukungalondolozeki kahle kwemininingwane kwenza kube nzima ukubona amanani aqondile abafundi abashiya phansi ikakhulukazi kuma-TVET kanye NamaKolishi OMphakathi.

Abanye abasebenzi bakuthola kunzima ukusebenzisa **isibonelelo se-SETA**, ngenxa yendawo yokusebenza engeyinhle yokuqeqeshelwa amasiko kanye nokuhlela kuhlanganise nokuthathwa kwezinqumo kwe-SETA.

Ukwenezela, nakuba **izikhungo zokuthuthukisa amakhono** zisasebenza, i-SETA isakuthila kunzima ukuqeqesha nokuhlinzeka ngemininingwane edingayo kubasebenzi ukuze iqhwashise abantu ngamathuba avulekile emikhakheni yabo, noma ukusekela ukuhlobana okukhona phakathi kokuqeqesha abangasebenzi kanye nemisebenzi ekhona. Kunezinhlelo **ezincane kakhulu zamaciko**, kanye nokuncintisana okuncane kakhulu okuhambisana nabambalwa abaphumelelayo, kuhlanganise nokungaxhumani okuhle phakathi kwezinkampani ezinganikeza okuhlangenwe nacho okudingekayo ukuze bakwazi ukuqedela iziqu zabo zobuciko.

Noma intuthuko emfundweni yokwenezela iye yabonakala phakathi neminyaka edlule, **ukubhaliswa** kukusalokhu kuphansi uma kuqhathaniswa namanye amazwe iNingizimu Afrika eqophisana nawo ngokwezomnotho **(Isithombe 5.8)**. Ukwenezela kulokho, nakuba bengaba amaphesenti angu-50 abafundi abamhlophe ababhalisela imfundo yokwenezela, bangamaphesenti angu-15 abafundi base-Afrika.[136]

Ukushintshwa kwalolu hlelo okukapheleli, futhi ukusebenza kwalezo zikhungo akukafinyeleli lapho okufanele khona. Akuzona zonke izikhungo esezisuse yonke iminonjano yezepolitiki noma ifa layo. Akuwona wonke ama-HDi aseshinsthele ekuncintisaneni nomlando wawo. Esikhathini esifushane, kunesidingoo sokuthuthukisa lezi zikhungo kanye nokulawula izinga lemiphumela yazo. Esikhathini eside lezi zikhungokumelwe zihehe othisha abasezingeni kanye nabaholi ukuze libhekane nezinkinga zezomnotho zezifundazwe. Ngokuqhubekayo, izinhlelo kanye nemithetho yokubhekana nezinkinga zokushintsha ezikhungweni kumelwe isentshenziswe kakhulu ukuze kukwazi ukuhlangabezwana nacho kokubili ukutholakala kanye nempumelelo yalezi zikhungi.

IZINGA LOMHLABA WONKE

Ngazo zonke izimali ezifakiwe, uhlelo lwe-PSET, izwe lisengakakwazi ukufinyelela isigaba sokuthi lukwazi ukuqhudelana namanye amazwe olwazini lwezomnotho njengoba kuboniswe ku-**Fugure 5.8**. Izwe angeke libe sesigabeni sokuqhudelana kwi-4IR uma abathile abambalwa bethola iziqu zemfundo yokwenezela. Izwe lisengozini yokusalela emuva uma umnotho wabantu ungathuthukiswa ngokuphawulekayo. Lokhu kuyodinga ukuthi kuthathwe izinyathelo ezikhethekile.

Ekusebenziseni izindlela eziphumelelayo, amazwe anjene-Morocco abhekise ukunakekela emakolishi omphakathi ukuze abhekelele ukufunda kwabantu abadala. Ngo-2017, izikhungo zokufunda zomphakathi zathuthuka zalinganiselwa ku-200, zasakazekela ezifundazweni eziningana ezweni. Ukuhlolwa kwalezo zikhungo kwabonisa ukuthi zinikeza ukuqeqeshwa okuhlukahlukene okuhlanganisa ukufunda ukufunda kanye nokudlulela ngale kokufundisa ukufunda, ukuqeqeshelwa ukuba ingcweti emsebenzini (isib. Ukuthunga, ukucwala izinwele) izindawo zokusebenzela kanye nemihlangano wezihloko zokuqwashisa. Okunye futhi, izikhungo eziningi zanikeza usizo emisebenzini emincane yomphakathi futhi yasebenzisana nezikhungo ezinakekela izingane ukuze zibheke ukusebenzisana komama kanye nezingane ezincane.[137] lokhu kubonisa indima ebalulekile engadlalwa ilezi zikhungo.

Amazwe anjenge-Germany, Austria kanye ne-Poland ngokwesibonelo anezinhlelo ezifanayo ezifana nebhuloho eliqinile phakathi kwamakolishi kanye nezindawo zokusebenza. E-Germany, abafundi bachitha isikhashana esikoleni befunda ngemithetho bese kuthi isikhathi esiningi basichithe emsebenzini bethola ukuqeqeshwa okuyisisekelo komsebenzi. Ukubekwa kwalaba bafundi kwezamabhizinisi kungamaphesenti angu-60. Ukuze sikwazi ukufinyelela umgomo wethu wokuqeqesha



136 I-Post- School Education and Training Monitor Macro-Indicator Trends March 2019, k 27.

137 I-Direction de la Lutte Contre l'Analphabétisme (2012[11]), I-UNESCO Institute for Lifelong Learning (2013[12]), kanye ne-Avramovska, Hirsch and Schmidt-Behlau (2017[13]).

OKUTUSWAYO

- Ukuze kuthuthukisa imiphumela yokufunda yaseNingizimu Afrika kudingeka **Ushintsho Ekufundeni**.

- Ukuze **sisese ngokuphelele ukwehluka ngokwezibalo**, zonke izikole kumelwe zikwazi ukungena ku-inthanethi futhi zithole i-data lamahhala.

- Ukuze **silungise isibalo sabashiya phansi** ngemva kweBanga 9, kumelwe kwethulwe ngokushesha uhlelo lwe-Three Stream Model (imifundaze, ezobuchwepheshe, nemisebenzi), okumelwe lulandelwe ukwenyuswa kwemfundo ephoqelelwe kuye ebangeni 12 noma ngaphezulu, ukuze kwehliswe labo abashiya phansi futhi ukuqhubeka.

- **Intuthuko ohlelweni lwemfundo**, kuyilapho siphoqelela futhi sisabalalisa kabanzi amakhono, ubuciko kanye namakhono kwezamasiko okuhlanganisa nolwazi.

- Ukuthuthukisa izinga **lemiphumela yezikhungo zemfundo** ukunciphisa ukuyeka phakathi, nokwenyusa inani labaphumelelayo ngaphansi kohlelo lwe-PSET.

- Ukuqedela Uhlelo Lokuthuthukisa **ingqala sizinda yezikole**, ukuze izikole zihlangabezane nezimfuneko ezifanele.

- Ukusebenzisa ngokushesha **i-ECD yeminyaka emibili eyimpoqo** kanye noshinstho lwayo lwe-DBE, ukuhlinzeka ngokudla okunomsoco kanye nokuqeqeshwa kahle kothisha be-ECD.

- Ukuthuthukisa ukusebenzisana kobuholi kanye **nezabasebenzi** emfundweni.

- Ukuthuthukisa ngokushesha **Uhlelo Lwamakhono** lukazwe lonke.

- Ukubeka isisekelo ekukhiqizeni **ozomabhizinisi bakusasa** ngokuhlinzeka abafundi ngamakhono adingekayo kwezamabhizinisikuye ngokwalokho izwe elinakho, ngokwesibonelo umnotho wesazelwandle, izimbiwa, ezolimo, ulwazi lwamasiko kanye namaciko.

- Ukuthuthukisa **amakolishi ezolimo**, ukushintshela emfundweni ephakeme, kanye nokuxhumana phakathi kwamakolishi ezolimo kanye namanyuvesi, amakolishi omphakathi kanye namakolishi ezobuchwepheshe (TVET).

- Ukubeka isiko **lokuzimela** kubafundi ngokubanikeza amakhono ezebhizinisi kanye nokusebenzisana kwezikole kanye nezikhungo ezizimele.

amaciko angaba ngu-30 000 ngo-2030, iNingizimu Afrika kumelwe yakhe ubudlelwane obuqinile obusebenzayo nabaqashi kanye nezomnotho bese yakha kabusha ukuxhumana phakathi kwamakolishi ezobuchwepheshe (TVET) kanye nabaqashi.

Imfundo yaseKenya ibonisa ukubaluleka kwama-TVET, agxile ekuthuthukiseni indlela umnotyho wezifundazwe oqhuba ngayo. Amakolishi esebenzisana nomasipala bezindawo ekuxazululeni izinkinga ezivimbela intuthuko kuyilapho bezishintsha bezenza imiphakathi esemgangatweni. Lokhu kuxhumana phakathi kwezinkampani, imiphakathi kanye nezikhungo kuqinile. Lokhu ke kunegalelo elikhulu ekwenzeni umnotho wezifundazwe ube namandla kakhulu



Umdwebo 5.9: Amaphesenti esibalo sabantu baseNingizimu Afrika ngokwezigaba zeminyaka nangokobulili (I2017 Census and Mid-year Population Estimates, 2017).
Umthombo: I-Statistics South Africa. 2011. I-Census; I-Statistics South Africa. 2017. I-Mid-year Population Estimates.

futhi ukwazi ukubhekelele amakhono adingekayo kanye nokuhlangabezana nesidingo. Izikhungo zama-TVET kumelwe zigxile emnothweni njengendlela yokunciphisa i-NEET ngokuthi zithuthukise amakhono.

UKUTHUTHUKISA INTSHA KANYE NOKUYINIKEZA AMANDLA

INingizimu Afrika iye yachaza intsha njengabantu abaneminyaka ephakathi kuka-15 ukuya kwengu-35. Leli nani lentsha liye lakhula ngezinga elimangalisayo, lisuka ezigidini ezingu-15 ngo-1996 laya kwezingu-21 ngo-2018. Lesi silinganiso sabantu abasha siye sahlala phakathi

kwamaphesenti angu-38 nangu-48 esibalwesi sabantu. **Isithombe 5.9** ibonisa izilinganiso ngokobulili zabantu baseNingizimu Afrika ezenziwa ngo-2017 ziqhathaniswa nezango-2011.

Ukusekela lombono, ukuhlanganisa kanye nokusimamiswa kokuthuthukiswa kwentsha eNingizimu Afrika, uhulumeni kusuka ngo-April 1994, waqalisa futhi wathuthukisa **imithetho, izinqubo mgomo, izinhlelo kanye nokuhlela**.

UMthetho sisekelo waseNingizimu Afrika ka-1996 wawunamalungelo, imithwalo yemfanelo kanye nemithetho, okwakumelwe bonke abahlali baseNingizimu Afrika okwakumelwe bakwenze. Kubeka nesisekelo sokunikezwa amandla kwentsha. Ukuthuthukiswa kwentsha kwafakwa futhi kwasentshenziswa emithethweni eminingi, efana ne – RDP (1994); i-Probation Services Act (1994); i-*White Paper for Social Welfare* (1997); i-National Youth Commission (NYC) Act, (Act 19 ka 1996); i-NDP (2012); i-National Youth Policy (NYP) 2009-2014 kanye ne-NYP 2015-2020; i-African Youth Charter; i-NYDA Act, (Act 54 ka 2008); i-NGP Framework (2010); i-Youth Employment Accord (2013); i-Employment Services

Act (2014); i-National Youth Service (NYS) Framework (2017); i-Monitoring and Evaluation (M&E) Framework for the NYP (2018); kanye ne-Integrated Youth Development Strategy (2019). Ukuthuthukiswa kwentsha kuye kwamukelwe ezifundazweni kanye nasezinhlakeni zikahulumeni zomphakathi.

Ukuthuthukiswa kwentsha kuye kwagxilisa ukunakekela **ezintweni ezinhlanu zamasu ase-mqoka**: ezempilo kanye nenhlalakahle; imfundo; amakhono kanye nokunikezwa amathuba; ukuba nengxenye kwezomnotho kanye noguquko; ubumbano lomphakathi kanye nokwakha-isizwe; kanye nezindlela zokusabela ekuthuthukisweni intsha.
Kuye kwaba nokungenelela okuningana okuhloselwe ukuthuthukisa **impilo nenhlala-kahle** yabantu abasha, okuhlanganisa ukumisa imithetho ehlanganisa: (i) i-Choice of Termination Pregnancy ka-1996 kanye (ii) ne-Prevention of and Treatment for Substance Abuse Act, ka-2008 (Act 70 ka-2008). Lokhu kwenziwa ngemithetho ehlukahlukene ehlanganisa (a) i- ntegrated School Health Policy; (b) i-CSG; (c) 'i-She Conquers Campaign'; (d) imikhankaso yomphakathi efane ne-'Love Life' kanye ne-'Khomanani'; (e) i-National Drug Master Plan (NDMP) ka-2013 – 2017; (f) umkhankaso we-'*Ke Moja*' (Ngilunge ngingazidli izidakamizwa); kanye ne (g) Thuthuzela Care Centres. I-National Adolescent and Youth Health Policy 2016-2020.

Imfundo, amakhono kanye nokunikwezwa amathuba: ifuna ukuthuthukisa ukutholakala kwemfundo esezingeni eliphezulu kuyilapho ivulela abantu abasha amandla ngokwakha ikusasa labo. INingizimu Afrika iye yazuza ekuthuthukiseni ukutholakala kwemfundo kanye nokuqeqeshwa. Ukusuka ngo-1994 kuye ku-2016, inani labantu abasha ababeneziqu zemfundo yokwenezela lakhula lisuka ezigidini ezingu-1.7 ukuya kwezingu-3.6. Ukuthuthukisa kwentsha ngokwalokho okushiwo umlando kwezemfundo kuzo zonke izigaba kwabhekelelwa eminyakeni engu-25 endlule, ikakhulukazi emazingeni aphansi kanye naphezudlwana.

Ukutholakala kwemfundo kusho ukuthi kuzoba nabantu abaningi abaphumelela umatikuletsheni ngezinga le-bachelor, okuhlanganosa i-Mathematics kanye neSayensi, okuhlanganiswa nokusekelwa ngezimali, ngokuyinhloko ngokungakhokhelwa kwezindleko zesikole kanye ne-NSFAS. Kamuva nje, lokhu kuye kwaholela emibhikishweni ye-#FeeesMustFall, okudinga kuphoqelelwe, imfundo yamahhala ezotholwa yibo bonke abafundi, ngokulandelayo, uhulumeni wenza isimemezelo sokuthi izigidigidi zamarandi ezingu-57 zizohlinzekwa kule minyaka emithathu ezayo (2018/19-202/21). Lokhu kuzoxhasa imfundo yamahhala kubafundi abahlwempu noma abaphuma emindenini esebenzayo, okuhlanganisa imali engu-R350 000. Lokhu kumelwe kuthuthukise ukubhaliswa ezikhungweni zemfundo yokwenezela, okuyonikeza abafundi abengeziwe ithuba lokuthola i-PSET.

Uhlelo lwemfundo luyinto eyinhloko nebalulekile kwezomnotho zentsha, kuyilapho izingxoxo eziqhubekayo zokuthi yini engenziwa ukuze kulungiselelwe abantu abasha ngamakhono ayisidingo okuhlangenwe nacho kanye nokuxhumana nomphakathi kanye namathuba ezomnotho.

Imfundo kanye nokuqeqeshwa kuye kwaguqulwa phakathi neminyaka engu-25 edlule, ikakhulukazi ohlelweni lwe-PSET elalihloselwe ukuvala lelo gebe, okuhlanganisa ukuthuthukisa ezobuchwepheshe kanye nokuqashwa. Uma kuziwa kwezempilo, eminyakeni yokuqala eyishumi yohulumeni wentando yeningi, imikhankaso yokuvimbela i-HIV efana ne-Khomanani kanye ne-LoveLife, kwadlala endima ekuqhwashiseni intsha, kanye nezinhlelo ezafinyelela izigidi ezingu-1.5 zabantu abasha ngonyaka.[138] Ukwethulwa kanye nokwandiswa kokwelashwa ngo-2004, okwaqala ngokuvikela omama ukuba bangatheleli izingane ezisesiswini, kwaba nengxenye ekunciphiseni izibalo zabantu abasha ababulawa igciwane legculaza.

Noma kunjalo, kuye kwakhathaza ukuthi ukungavikeleki kwe-HIV kwabesifazane abasebasha kuye kwaphindaphindeka izikhathi ezine uma kuqhathaiswa nabesilisa. Kudinga ukucatshangelwa nokuthi abesifazane abasha abaphakathi kweminyaka engu-15 ukuya kwengu-24, ngo-2016, abangamaphesenti angu-37 basatheleleka ngaleli gciwane.[139] isizathu salokhu sihlanganisa i-GBV kanye nokuhlanganyela ubulili phakathi kwabesifazane abasebesha kanye nabesilisa asebekhulule.

Noma kunjalo, ezinye izinhlelo zokuthuthukisa nokuqhwashisa abasebasha zasungulwa ukuze zakhe isimo sengqondo, kanye nokuqhwashisa ngesimo esihle sengqondo kanye nenhlala-kahle. Lokhu kuhlanganisa nezikhungo zezempilo ama-B-wise mobisite osungulwa ngo-2017, okuwuhlelo lwezinkundla zokuxhumana oluhlinzeka abasha ngolwazi ngezinkinga zempilo ezihlukahlukene.

Ukwethulwa kwemifundaze kwanye nokuqhubekisa ukuqeqeshwa kanye nokufika kwezinhlelo zobuciko kuye kwadlala indima kulokhu. Ngaphezu kwalezi zinto, inani labashiya phansi, ikakhulu eBangeni-9-10 973 phakathi kuka-January 2014 kanye no-March 2015. kwabafundi, kuye kwaba kukhulu ngendlela engamukeleki. Nakuba kunjalo, kubhekwa njengokubalulekile ukuqhubekisela phambili izinhlelo ezihlukene kakthathu (izikhungo zemfundo, ezomsebenzi, kanye nezobuchwepheshe).

138 Umnyango Wokuhlela Ukulawula Kanye Nokuhlola. 2019. Umbiko Omfushane Wentsha owalungiselelwa Ukubukeza kwangemva kweminyaka engu-25.
139 Avert. 2019. I-HIV ne-AIDS eNingizimu Afrika, 18 January. Ingosi: https://www.avert.org/professionals/hiv-around-world/sub-saharan africa/south-africa.

Nengqala sizinda kanye nosizo ngezobuchwepheshe okuhlanganisa nokugqugquzela ukushintshela kwezobuchwepheshe zesimanje. Kulindeleke ukuthi i-National E-Strategy eyakhishwa ngo-2017 izoqhubeka iphumelelisa i-IPAP.

Ukuqinisekisa **Ukuba Nengxenye Emphakathini kanye Noguquko**, umgomo oyinhloko we-RDP kwakuwukusungula umnotho oqinile, othuthukay kanye nozinzile ukuze kubhekanwe nokungazinzi kwezomnotho, ogxila kakhulu entsheni.

Ukungasebenzi kwentsha kuseyinkinga ephikelelayo futhi ebonakala ingenakuvinjwa osukela kuhulummeni wobandlululo eMzansi Afrika. Ingxenye yokuqala yonyaka ka-2019 we-Labour Force Survey ubonisa ukuthi akukhathaliseki izinga lemfundo intsha isalokhu ichayekile ekuntulekeni kwemisebenzi, njengoba kuboniswa **Isithombe 5.10**.

kanye ne-NYC, yaqhubeka nokudlala endima ekulawuleni indima yokuthuthukiswa kwentsha kuhlanganise nokunikwa kwayo amandla.

Ukusuka ohlelweni lwe-EPWP ka-2004 kuye kwasungulwa inani lemisebenzi eyizigidi ezingu-10.3, kuze kube ngu-March 2019, abayizigidi ezingu-4.8 kulabo kwakungabantu abasha.[1] Amathuba amaningi e-EPWP abantu abasha asungulwa KwaZulu Natal kanye nase-Eastern Cape ayesungulwe ohlelweni Lokusebenzela Amanzi, kuyilapho eGauteng kanye nakwezinye izifundazwe ayehlobene kakhulu nengqala sizinda. Isithombe 5.11 ibonisa amathuba avulwa esifundazweni ngasinye e-EPWP phakathi kuka-2013 kanye no-2018.

Ngemva kokuhlanganyela kuyi-EPWP, ucwaningo lokulandelela kanye nabanengxenye lubonisa ukuthi amaphesenti angu-12.4 aqashwa ngokuphelele, kanti angu-4.8 anamabhizinisi awo, kanti angu-47.8 athola eminye imisebenzi yesikhashana kuyilapho angu-14 aye



Esithombeni 5.10: **Inani labangasebenzi liphezulu kakhulu kungakhathaliseki izinga lemfunddo yabo.**
Umthombo: I-Stats SA. 2019. I-Quarterly Labour Force Survey: Q1 2019.

Ukuze sibhekane nenkinga yokungasebenzi kwentsha uhulumeni uye wamisa izinhlelo ezihlukahlukene ezibhekelele kakhulu intsha okuhlanganisa i-Community Works Programme (CWP;); i-EPWP; i-National Rural Youth Service Corps (NARYSEC); ukusebenzisana nentsha kanye nokuqeqeshelwa amakhono ezamabhisinisi, imifundaze kanye nohlelo lwe-YES. Okokuqala nje, i-UYF yayisekuqaleni ekuthuthukiseni ukusebenzisana kanye nokuxhaswa njengesiqalo kanye nokunakekelwa uhulumeni kwazo zonke izinhlaka ze-NYC. Ukusungulwa kwe-Job Funds kanye ne-ETI kwaqedela lowo msebenzi owaqaliswe kanye ne-SETA kuhlanganise nezinhlaka ezizimele ezidlal indima ebalulekile, ikakhulukazi lezo ezihlobene nemifundaze. I-NYDA, eyathathela indawo kokubili i-UYF athuthukisa imfundo yawo kanye nokuqeqeshwa.[2] I-Youth Employment Service (YES) iye yabeka umgomo wamathuba omsebenzi abantu abasha angu-330,000 ezikhungo ezizimele, ukuze abahlinzeke ngendlela yokungena kwezomnotho. Onyakeni wokuqala walolu hlelo (2018/2019) uhlelo lwe-YES lwavula amathuba omsebenzi angu-4 600, ngokusebenzisana namabhizinisi angu-191 asebenzisana nalolu hlelo. Lolu hlelo luhlinzeka ngokuhlangenwe nacho okusezingeni eliphezulu konyaka owodwa, okuza nohlelo lokuqeqeshwa (kokubili kwezobuchwepheshe kanye namakhono empilo), ukuze banikeza intsha iziqalo sempumelelo. Lezi ziqalo ziye zenziwa kanye ne-Employment Tax Incentive (EIT, eye yasekela intsha ngamathuba omsebenzi angaba ngu-645

1 Umnyango Wemisebenzi Yomphakathi. 2019. Umbiko owalungiselelwa i-EPWP Wokubukeza Iminyaka engu-25.
2 Umnyango Wemisebenzi Yomphakathi. 2019. Umbiko owalungiselelwa i-EPWP Wokubukeza Iminyaka engu-25.



Umdwebo 5.11: Amathuba avulwe i-EPWP esifundazweni ngasinye phakathi no-2013 kanye no-2018.
Umthombo – Umnyango Wokuthuthukisa Umnotho, 2018.

Amaphesenti angu-12.4 kuphela abasebenzi be-EPWP abaqashwa isikhathi esigcwele emsebenzini, angu-4.8 aziqalela amabhizinisi, kanti angu-47.8 athola eminye imisebenzi yesikhashana kuyilapho angu-14 aqhubeka nemfundo yawo.

Ukufika kwe-4IR kudinga abantu abasha bahlinzekwe ngamakhono adingekile ukuze babhekane noshintsho lwezwe kanye namathuba emisebenzi. Ukuhlanganiswa kwentsha yaseNingizimu Afrika kwezobuchwepheshe kungezinye zezindaba eziye zaphumelela kakhulu, okuhlanganisa ukusebenzisa i-Industrial Policy Action Plan (IPAP). I-IPAP ikhuthaza intuthuko yezobuchwepheshe kanye nokwakha umphakathi othuthukile kwezobuchwepheshe, ngokwakha kanye nokuvula kanye nokwakha ingqala sizinda, ukutholakala kwezinhlelo zobuchwepheshe kuyilapho sikhuthaza ukuguqukela kwezobuchwepheshe. Kulindeleke ukuthi i-National E-Strategy eyakhishwa ngo-2017 izothuthukisa impumelelo ye-IPAP.

Ukuqinisekisa **Ukungenelela Kwezomnotho kanye Noshintsho** umgomo oyinhloko we-RDP kwakuwukwakha umnotho oqinile, onoshintsho kanye nozinzile ukuze ihlangabezane nokungalingani kwezomnotho, kuyilapho sigxilise ukunakekela okukhethekile kwabasha.

Ukungasebenzi kwentsha kuseyinkinga ephikelelayo futhi kubonakala kunzima ukulwa nayo kusukela kuhulumeni wobandlululo waseNingizimu Afrika. INhlolovo ka-2019 Yamandla Abasebenzi yabonisa ukuthi kungakhathaliseki izinga lemmfundo, intsha ibonakala isasenkingeni enkulu uma kuziwa kwezemisebenzi, njengoba kuboniswa ku-**Fugure 5.10**.

Ukuze sikwazi ukubhekana nenkinga yokungasebenzi kwabafundi,uhulumeni usungule izinhlelo ezihlukahlukene zemisebenzi yomphakathi, okubonakala igxile kakhulu kubantu abasha, okuhlanganisa ama-Community Works Programme (CWP); i-EPWP; i-National Rural Youth Service Corps (NARYSEC); ukusebenzisana nentsha kanye nekuqeqeshelwa amakhono kwentsha, imifundaze kanye ne-YES. Okokuqala, i-UYF yayiphezulu ekuthuthukiseni ukusebenzisana kanye nokuxhasa lezo zinhlelo kanye nokuqondiswa uhulumeni kwe-NYC kuzo zonke izinhlaka zikahulumeni. Ukusungulwa Koxhoso Lwemisebenzi kanye i-ETI kwaqalisa lezi zinhlelo kanye ne-SETA kanye nezinhlaka ezizimele ukusekela lezi zindlela, ikakhulukazi njengoba kuhlobene nemifundaze. I-NYDA, eyathatha indawo ye-UYF kanye

ne-NYC, kuye kwaqhubeka kudlala indima ekuxhaseni kanye nasekuqondiseni okuphathelene nokuthuthukisa intsha kanye nezindaba eziphathelene namandla.

Ukusuka ohlelweni lwe-EPWP ka-2004 kuye kwasungulwa inani lemisebenzi eyizigidi ezingu-10.3, kuze kube ngu-March 2019, abayizigidi ezingu-4.8 kulabo kwakungabantu abasha.[140] Amathuba amaningi e-EPWP abantu abasha asungulwa KwaZulu Natal kanye nase-Eastern Cape ayesungulwe ohlelweni Lokusebenzela Amanzi, kuyilapho eGauteng kanye nakwezinye izifundazwe ayehlobene kakhulu nengqala sizinda. Isithombe 5.11 ibonisa amathuba avulwa esifundazweni ngasinye e-EPWP phakathi kuka-2013 kanye no-2018.

Ngemva kokuhlanganyela kuyi-EPWP, ucwaningo lokulandelela kanye nabanengxenye lubonisa ukuthi amaphesenti angu-12.4 aqashwa ngokuphelele, kanti angu-4.8 anamabhizinisi awo, kanti angu-47.8 athola eminye imisebenzi yesikhashana kuyilapho angu-14 aye athuthukisa imfundo yawo kanye nokuqeqeshwa.[141]

I-Youth Employment Service (YES) iye yabeka umgomo wabangu-330,000 wemisebenzi yezikhungo ezizimele, ukuze ihlinzeke ngendlela yokuba nengxenye kwezemisebenzi. Onyakeni walolu hlelo wokuqala (2018/19) lolu hlelo lwe-YES lwavula amathuba angu-4 600 lusebenzisana namabhizinisi angi-191 ayezimisele ukusekela with the programme.[142] The scheme provides quality, one-year work experience, that comes with training (both technical and life skills), to equip the young person to succeed. The initiative is complemented by the Employment Tax Incentive (ETI), which has supported 645 973 youth job opportunities between January 2014 and March 2015.[143]

Isici esinzima ukuthola intsha amathuba amabhizinisi kanye nezinsiza eziyobasiza bazithuthukise. Kuye kwaba nentuthuko emebhizinisini aphethwe intsha, ukusuka ngo-2015 ayengu-595 000 ukuya ku-2016 aba ngu-641 000.[144] Ngokwesilinganiso, amabhiizinisi alawulwa intsha, aye anyuka ngamaphesenti angu-7.7, i-Gauteng ihamba phambili cishe ngengxenye yengxyenye(26%) kuwo wonke amabhizinisi entsha eNingizimu Afrika. Intuthuko efanelekayo ekukhuleni kwamabhizinisi amancane iyaphawuleka kwabaneminyaka engu-20-24 (15.9%) kanye nebaneminyaka engu-30-34 (7.6%). Ukubheka izibalo, zibonisa ukuthi abasha abangamaphesenti angu-11 kuphela abahlomulile ekwabiweni komhlaba.[145]

Ukuze sikwazi ukuhlangabezana **Nentuthuko Yomphakathi kanye Nokwakha Isizwe** kubantu abasha, uhulumeni uye wakhipha Uhlelo lwe-NYS olusebenzisana nezinhlangano zomkhakha wezobunjinyela. Umgomo oyinhloko walolu hlelo ukugxilisa isiko lokusebenza, ukubeka izoqongiso zokushisekela izwe kanye nokukhuthaza izifundo zobunjinyela. Lolu hlelo luphinde luthuthukise ukuqashwa kanye nokuqeqeshwa kwentsha engasebenzi. Phakathi nonyaka ka-2016/17 kanye no-2018/19, uhlelo lweNYDA lwafinyelela abasha abangaphezu kuka-127 000[146]. Lokhu kwenziwa ngokusakaza izincwadi zomsebenzi kanye nezincwajana eziphathelene ne-Bill of Responsibility; Izinhlangano ZaseAfrika kanye Namafulege AseNingizimu Afrika; okuhlanganisa nezimphawu zesizwe ezikoleni.

Kuye kwaba nokwanda kokubhalisela ukuvota kubantu abasha kuzo wonke amaqembu obudala okhethweni lukamasipala olwenzeka phakathi no-2006 kanye no-2016, okuhlanganisa nokhetho oluvamile phakathi no-2009 kanye no-2014.

> Ukungasebenzi kwentsha kusewusongo olungapheli, futhi kunomthelela omubi ekukhuleni kancane komnotho, isidingo sabasebenzi; kanye nokungafani kwamakhono.

140 Umnyango Wemisebenzi Yomphakathi. 2019. Umbiko owalungiselelwa i-EPWP Wokubukeza Iminyaka engu-25.
141 Umnyango Wemisebenzi Yomphakathi. 2019. Umbiko owalungiselelwa i-EPWP Wokubukeza Iminyaka engu-25.
142 Iminyaka engu-25. 2019. I-YES yakhipha izinhlelo zika-2019, 16 January. Ingosi: https://www.iol.co.za/business-report/economy/yes-initiative-outlines-plans-for-2019-18825603.
143 Umphathi Zimali. 2016. Umbiko We-Employment Tax Incentive Descriptive, k. 2.
144 I-National Youth Development Agency.2018.
145 Umnyango Wezokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya Nokwabiwa Komhlaba. Imibiko Yaminyaka Yonke 1996-2017.
146 Umnyango Wokuhlela, Ukulawula kanye Nokuhlola. 2019. Umbiko Omfushane Wentsha owahlelelwa Ukbukeza Kweminyaka engu-25.


IZINHLELO ZOKUTHUTHUKISA INTSHA ZASENINGIZIMU AFRIKA
UMPHAKATHI
UHULUMENI
I-SOUTH AFRICAN YOUTH COUNCIL
(an overarching national federation of youth organisations, represents the sector NEDLAC community constituency, and South African youth in the continental Pan African Youth Union and UN ECOSOC)
I-PRESIDENTIAL YOUTH WORKING GROUP
(ADVISORY)
I-NATIONAL YOUTH DEVELOPMENT AGENCY (NYDA)
The successor of the National Youth Commission (1994-2007) and the Umsobumvu Youth Fund (1998-2007), its mandate derives from the National Youth Development Agency Act (No. 54 of 2008). NYDA is based in the Office of the President
IZINYONYANA ZABAFUNDI BASENINGIZIMU AFRIKA
Ezakhethwa i-SRC Emanyuvesi
I-YOUTH FOCAL POINTS IN PREMIERS OFFICES AND DEPARTMENTS
IZINHLANGANO ZE-FAITH-BASED YOUTH
I-YOUTH NGOS, CBOS AND CLUBS
I-NYDA FULL SERVICE BRANCHES
E Cape: Port Elizabeth, East London Free State: Bloemfontein, W Cape: Cape Town KZN: Durban, Empangeni, Newcastle.
Gauteng: Johannesburg, Soweto, Tswhane N Cape: Kimberley, Mpumalanga: Nelspruit, Secunda Limpopo: Polokwane, Thulamela North West: Rustenburg
I-YOUTH DEVELOPMENT WORKERS
IZINHLANGANO ZABAFUNDI
I-YOUTH FOCAL POINTS IN SOME MAYORAL OFFICES
IZIMPIKO ZAMAQEMBU EZEPOLITIKI/ IZINHLANGANO
IZIKHUNGO ZEZIGODI ZE-NYDA
Sedibeng (Boipatong), Ekurhuleni (Boksburg), OR Tambo (Mthatha), Sarah Baartman (Kirkwood), Xhariep (Tromspburg), Lejweleputswa
Uthukela (Ladysmith), Fezile Dabi (Tweeling), Umkhanyakude (Mbazwana), Thusong Centre), Sekhukhune (Groblersdal), Mopani (Tzaneen)
Thabazimbi, Ngaka Modiri (Molema Mahikeng), Dr. Ruth Segomotsi Mompati (Vryburg) John Taolo Gaetsewe (Kuruman), Eden (George), Central
I-YOUTH NETWORKS
I-YOUTH AND STUDENT MEDIA: RADIO, ONLINE, MAGAZINES

IZINSELELE EZIPHIKELELAYO

Ukwenyuka okukhulu kwesibalo sabantu abasha abakwi-**NEET** kwakha inhlekelele ezweni, nokuyilapha izinhlelo zokungenelela ezikhona manje zinganele ukubhekana nesidingo esikhona. Nakuba kunokungasebenzi kahle emkhakheni wezemisebenzi yentsha nokuyilapho lezi zinhlelo zingabhekelela (ukuthuthukiswa kwamakhona kanye nokuthola amathuba, okuhlangenwe nacho, izikhala zomsebenzi kanye nemithombo, ulwazi ngemisebenzi), inkinga enkulu nge-NEET umnotho waseNingizimu Afrikaongavuli amathuba anele emisebenzi kanye namathuba ezomnotho ukubhekana nebutho elikhulu labangasebenzi, nokungakwazi ukutholela indawo abasebenzi abasha.

Kwakunabantu abangaba izigidi ezingu-10.3 abaphakathi kweminyaka engu-15-24 esigabeni sokuqala sonyaka ka-2019. Phakathi nesigaba sesine sika-2018 kanye nesokuqala sika-2019, amaphesenti abantu abasha abaphakathi kweminyaka engu-15-24 ababeku-NEET sakhula ngamaphesenti angu2.1 saba ngamaphesenti angu-33,2 (izigidi ezingu-3,4). Kwabayizigidi ezingu-20.3 zabantu abasha abaphakathi kweminyaka engu-15-34, amaphesenti angu-40.7 kulabo babekwi-NEET – okuyintuthuko engamaphuzu angu1.8 amaphesenti uma kuqhathaniswa nesigaba sesine sonyaka ka-2018.[147]

Isibalo esikhulu se-NEET sisho ukuthi izigidi zentsha yaseNingizimu Afrika zikhishwa inyumbazane ekuhlanganyeleni emisebenzini yomphakathi. Njengomphumela, bayahlupheka ngenxa yokungatholi umsebenzi, ukudikibala, ukungakhuli komnotho kanye nokungakwazi ukuthola amakhono anele nokuhlangenwe nacho okudingekayo ukuze baqhubekisele phambili umnotho.lokhu kuntuleka kokungavumelani kwamakhono emnothweni kunomthelela wesikhathi eside emnothweni.

Ngokwemininingwane ye-ILO kwabangasebenzi, iNingizimu Afrika isemsileni emazweni angu-10 omhlaba.[148] ENingizimu Afrika oyedwa kubantu abathathu abasha akasebenzi. Ukungasebenzi kwentsha kuyinsika, engenasiphetho futhi kunezimpande ezijulile zokubangela intuthuko ephansi yomnotho; izimfuno eziphansi zabasebenzi; ukungafani kwamakhono, phakathi kwezinye zezinkinga. Nakuba kuye kwaba nokungenelela njengokuvulwa kwamathuba emisebenzi kanye nezinhlelo zokulungiselela umsebenzi ezihloselwe ukubhekelela inking yokungasebenzi kwentsha, imiphumela yakho isezingeni eliphansi kakhulu: Ngokwesibonelo, umgomo wabayisigidi (wesikhathi esiyiminyaka-emithathu) wabekelwa i-NYS, yafinyelela kuphela abantu abasha abangu-127 000 ngonyaka wesithathu. Ezinkonzweni zomphakathi, phakathi kuka-2000 no-2018, kuye kwaba nokwehla esibalweni sabantu abasha ababeqashwa uhulumeni, okwachaza isimo esikhathazayo "sokufiphala" kwezinkonzo zomphakathi, kokubili esigabeni sezwe nanye nesezifundazwe. Okubangela lokhu ukuhluleka ukuhlela kahle Izinkonzo Zomphakathi.

Ngisho noma ukuziqalela ibhizinisi kubekwa phambili njengekhambi lokungasebenzi, isilinganiso se-**Total Early-Stage Entrepreneurial Activity (TEA)** sombiko wakamuva we-Global Entrepreneurship Monitor waseNingizimu Afrika ubonisa amanani aphansi kakhulu ngesilinganiso kunavamile ase-Afrka (nokuyilapho engaphezulu ngezikhathi ezingu-2.4 kuneNingizimu Afrika) abantu abasha abalinganiselwa eminyakeni engu-18-24.[149] lokhu kungaphansi futhi kwesibalo seminotho elawulwa kahle, nokuyilapho amaphesenti angu-12 ephindaphinda izibalo seNingizimu Afrika. Kunobudlelwane obukhona phakathi kwesigaba semfundo kanye nesigaba se-TEA – nokungamaphesenti angu-67.4 esilinganiso se-TEA salabo abaqede isigaba sesibili sabo semfundo nangaphezulu, nokuyilapho bengamaphesenti angu-4.4 abasezingeni le-TEA bengafundile.

Nakuba amabhizinisi amaningi amancane ewumgogodla womnotho wamazwe amaningi, ukungenela kwabantu abasha kwezamabhizinisi eNingizimu Afrika kuphansi kakhulu, nokuyilapho intsha esemadolobheni ingafuni ukungenela imikhakha evulekile yamabhizinisi esemiphakathini yabo. Ngokwesibonelo e-Delft, Cape Town, abantu abasha kubikwa ukuthi baphethe amabhizinisi angu-4 kwangu-10 ezinwele. Angamaphesenti angu-70 kulawo mabhizinisi aphethwe abantu abavela kwamanye amazwe. Esinye isizathu esenza kube nezilinganiso eziphansi zihlanganisa ubunzima bokuthola izimali kanye nokungena kwezohwebo. Njengoba imfundo yezamabhizinisi ingaphoqelelwa ohlelweni lwezifundo zesikole, intsha yaseNingizimu Afrika ibonakala ingakulungele ukuba osomabhizinisi.

Abantu abasha bakha inani elikhulu **labantu abafuna umsebenzi kodwa asebedikibele**, nokuyilapho abantu abansundu kuyobona kakhulu abakha inani elikhulu. Abesifazabe abasha ibona kakhulu abavame ukudikibala uma beqhathaniswa nabesilisa. Umkhuba wokushintshwa kwezinkontileka zokusebenza kushiya ukungaqiniseki, njengoba abantu abasha abaningi beqashwa ngezikontileka zesikhashana. Ezimweni eziningi, ukushintshwa kwezinkontileka kusho iholo elincane kanye nokwehla kwezinzuzo zabasebenzi njengemali yomhlala phansi kanye nedleko zempilo. Kubalulekile futhi ukuphawula ukuthi izinhlelo zaseNingizimu Afrika zikhulisa ukungafani phakathi komphakathi wentsha efuna umsebenzi kanye nemisebenzi ekhona.

Ufuduko lungenye inkinga futhi izibalo zibonisa ukufuduka phakathi kwentsha eneminyaka engu-15 ukuya ku-29 ifudukela eGauteng isuka ezifundazweni ezinezindawo zasemakhaya eziningi: iKwaZulu-Natal kanye neWestern Cape nayo ebonakala ibhekene nenkinga efanayo. Ukufuna izindawo ezinamathuba angcono kwezomnotho, imisebenzi kanye nokuphila okungcono ikhona okubonakala kuheha laba bantu abasha ukuba bafuduke. Inking lokhu okuba nayo kuba ukukhathazeka kuleso sifundazwe okufudukelwa kuso; izinkinga zokuvikela indawo yokuhlala, ukulahlekelwa

147 I-Statistics South Africa. 2019. I-Quarterly Labour Force Survey: Uhhafu Wesigamu-1, umbiko.

148 https://geopoliticalfutures.com/wp-content/uploads/2018/08/south-africa-youth-unemployment.png.

149 Global Entrepreneurship Monitor. 2017. South Africa Report 2016/17: Can Small Businesses Survive South Africa? p.8.

amakhono kanye nomathuba emfundo, ukuhlela izinkonzo okunganele kanye nokuxinana esifundazweni okufudukelwa kusokanye nokuntuleka kwemisebenzi kwentsha eningi egcina isihlupheka ngenxa yokuntuleka kwezinhlelo zokubasekela. I-Stats SA Community Survey ka-2016 ibonisa ukuthi abahlali baseNingizimu Afrika abaye bafuduka ukusuka ngo-2006 bangu-97 460, ikakhulu abaphakathi kweminyaka engu-25 kanye negu-44.

Emfundweni, amakhono kanye namathuba, kubalulekile ukuphawula ukuthi, okunendima enkulu ekuhluphekeni, ukungalingani kanye nontuleka kwemisebenzi kwentsha eNingizimu Afrika izinga eliphansi lemfundo elitholwayo kanye nokuthuthukiswa kwamakhono. Kulesi simo izibalo zibonisa ukuthi kuye kwaba khona ukwehla esigabeni sabafundi abafinyelela iBanga 11 kanye no 12. Lokhu kukhomba inani elikhulu labashiya phansi ezinhlelweni zesikole. Izibalo ezisemthethweni zikahulumeni zibonisa ukuthi inani labafundi abayeka isikole liye lenyuka ukusuka eBangeni 9 kuya phezulu, lafinyelela amaphesenti angaba ngu-12 kokubili eBangeni 10 kanye no-11.

Kuyabonakala ukuthi uma abantu abasha bengaba nempilo enhle futhi basebenzi, bangaqhamuka nezixazululo ezingadlala indima ekuthuthukiseni umnotho wezwe. Imininingwane ibonisa ukuthi isibalo **sentsha ekhulelwayo** siyanda. I-South Afrika Demographic Health Survey (SADHS) ka-2016 eyakhishwa i-Stats SA ngo-2017, yathola ukuthi abesifazane abangamaphesenti angu-16 abaneminyaka ephakathi kwengu-15-19 eNingizimu Afrika sebengomama, phakathi kwabo abangamaphesenti angu-12 sebeke bathola izingane kanti angu-3 akhulelwe izingane zabo zokuqala ngesikhathi kwenziwa le nhlolovo.[150]

Indlela esentshenziswa abezempilo ye-District Health Information System yathola ukuthi amaphesenti angu-13.8 ezinkonzo ezitholakala ezikhungweni zikahulumeni ngo-2018/19 kwakungezabantu abasha abangabesifazane abaphakathi kweminyaka engu-10-19. Lezi zibalo zenyuka naphezu komzamo wezwe wokuzama ukunciphisa ukukhulelwa kwentsha kuze kufike kumaphesenti angu-5 ngo-2019. Ngokudabukisayo izifundazwe ezisemakhaya njengesifundazwe saKwaZulu Natal (18.3); Eastern Cape (16.9) kanye neMppumalanga (15.4), anamazinga aphezulu okuswela ezomnotho nezenhlalo, abhekene nenkinga enkulu yenani lentsha ekhulelwayo. I-South Africa Demographic and Health Survey ka-2016 yathola ukuthi amaphesenti angu-18 abesifazane azithola esenezidingo zokunakekela umndeni okungahleliwe.

Ngo-2016 i-South African National Youth Risk Behaviour Survey yathola ukuthi amaphesenti angu-15 abantu abasha azinikele ekusebenziseni izidakamizwa ukuze azizwe ebalulekile kanti amaphesenti angu-11.5 ake azama okungenani kanye ukusebenzisa izidakamizwa, ezifana ne-heroin, mandrax, sugar or tik.[151] kunokwanda okuvamile kokuhlukumeza amalungelo okuzimela



INGABE BEWAZI?

UMichelle Nkamankeng (owazalwa ngo-2008) ungumbhali wamanoveli omncane kunabo bonke waseNingizimu Afrika, eneminyaka engu-7 e-Afrika kanye nakwamanye amazwe omhlaba waba phakathi kwababhali abasebancane abayishumi abaphezulu

150 I-Statistics South Africa. 2016. I-South Africa Demographic and Health Survey: Umbiko Wesici Esiyinhloko, k. 12.

151 I-South African Medical Association. 2017. Usuku Luka Zwe Lonke Lokumelana Nokusebenzisa Kabi Izidakamizwa kanye Nokushushumbiswa Kwabantu 2017, 23 June. Ingosi: https:// samedical.org/cms_uploader/viewArticle/481.

okwakha izinkinga ngokuvamile eziba: izidakamizwa, utshwala kanye nogwayi kubantu abasha, utshwala ngokuvamile ibona obuphezulu kulokhu eNingizimu Afrika. Ukuzisebenzisa kabi lezi zinto kubeka engozini impilo yakho siqu, kanye neyomphakathi uwonke. Kubeka engcupheni impilo yabantu abasha futhi ungabangella izinkinga zomphakathi ezifana nodlame kanye nezinkinga zomndeni.

Ukwanda kokusentshenziswa kabi kwalezi zinto kubhebhezelwa nawukungabi khona kwezikhungo zokwelapha ezanele, nokuyizikhungo eziyisikhombisa kuphela (7) zomphakathi ezitholakayo. Kunokungasentshenziswa kahle futhi koMthetho Wokuvimbela kanye Nokwelashwelwa Ukusebenzisa Kabi Izidakamizwa ka-2008, ngaphezu komzamo wokulwa nenkinga yezikhungo ezingekho emthethweni zokwelapha. Kunzima ukubona umthelela obe khona kulokhu kungenelela, ngoba ngokuvamile kunokuntuleka kokulandelela nokulawula kahle.

Udlame lwentsha (ukulwa ngokoqobo, ubugebengu, ukuhlukunyezwa ngokocansi, izingozi zomgwaqo kanye nodlame olubhekiswe kwabesifazane) kuye kwenyuka ngendlela engamukeleki. Ngokwengeziwe, kunezinkinga ezibikiwe ezintsha neziphuthumayo ezikhulayo ezihlanganisa ezifana nokukhuluphala; ukwenyuka kwezinga lobugebengu; ukwenyka kodlame kwezobuchwepheshe kanye nokuchayeka kobugebengu kwezobuchwepheshe; inani elinyukayo lezinkinga zokugula engqondweni njengokucindezeleka, kanye nokwenyuka kwenani labazibulalayo.

Intsha kudingeka imelwe ekuthathweni-kwezinqumo njengasezinhlakeni ezinjenge-Phalamende, Ikhabhinethi kanye namakomiti ahlukahlukene ezinkampani

Endabeni **Yobumbano Lomphakathi kanye Nokwakha Izwe**, ucwaningo lusikisela ukuthi ukuntuleka kokuxhumana komphakathi kanye nobumbano (isib. "ukuhlangana" kwezinhlelo zomphakathi) phakathi kwabantu abasha baseNingizimu Afrika kunemiphumela engemihle ekulungeleni umsebenzi. Kudinga ukucatshangelwa nokwehla kwelukuluku lokuvota, kanye nezinga eliphansi lokubhalisa nokuvota okwenziwa intsha yaseNingizimu Afrika, ephakathi kweminyaka engu-18 ukuya kwengu-34 phakathi komasipala kanye nokhetho oluvamile. Ukwenezela kulokhu, intsha isalokhu igxeka ezepolitiki kanye nokungabethembi abaholi bezwe bese befuna ukuthi kuzwiwe izwi labo. Lokhu kwenza kube nokusekelwa okusezingeni eliphansi kwezinkonzo zomphakathi kanye nezemidlalo, ngisho noma kunolwazi olutholakalayo olubonisa ukuthi incane intsha enengxenye ezinkonzweni zomphakathi kunamanye amaqembu.



OKUTUSWAYO

Kodwa-ke, kufanele kuphawulwe ukuthi izinto ezenziwa uhulumeni njengezibonelelo zikahulumeni, izikole okungakhokhwa kuzo imali yesikole, nezinsizakalo eziyisisekelo zamahhala, kunomthelela ekwenzeni ngcono lo mhosha. Ngempela, uma kuziwa kwizinqubo-mgomo zezenhlalo, iNingizimu Afrika yenza kangcono kakhulu uma kunamazwe amaningi eqhathaniswa nawo. Nakuba uhulumeni omusha wentando yabantu wafinyelela intuthuko enkulu mayelana nemisebenzi, ububha nokukhula komnotho eshumini leminyaka kuze kufike ku-2008, iNingizimu Afrika ayikenzi intuthuko egculisayo kusukela ekuguqukeni kwezomnotho emhlabeni wonke ngo-2008/09. Kanti futhi, uguquko lusalokhu lufana nokujaha utalagu ezimbonini eziningi zomnotho naphezu kokuqhubeka nokuqalisa izinqubo-mgomo njengokuhlonyiswa ngokomnotho okugxile kwabansundu nokuqashwa kwabantu ngokulingana.

Ukuze iNingizimu Afrika iqede lezi zinto eziyikhungethe, kubalulekile ukuba izwe liqinise ukuqaliswa kwezinqubo-mgomo zomnotho ezihlukahlukene nezinhlelo eziye zahlanganiswa.

d) Ucwaningo Nentuthuko

Kusukela ngo-1994, izincwadi eziyinhloko zenqubo-mgomo eziye zaba nomthelela kuyo zingaphansi kwe-1996 White Paper on Science and Technology, i-2002 NationalResearch and Development Strategy (NRDS) ne-2008 Ten-year Innovation Plan for South Africa (TYIP). Umbiko kahulumeni wethula indaba yohlelo lukazwelonke lokusungula izinto (national system of innovation [NSI]) njengendlela iNingizimu Afrika eyayizosingatha ngayo imboni yeSayensi Nezobuchwepheshe. I-NRDS yahlonza izindawo eziningana ze-S&T okwakuzogxilwa kuzo, igcizelela ukuthuthukiswa kwabantu nokutshala imali kwingqalasizinda ukuze kufezeke i-NSI egcwele. I-TYIP yahlonza izinto eziseqhulwini (umnotho osekelwe kubuchwepheshe bezinto eziphilayo, umkhathi, ukuvikeleka kwamandla, ushintsho lomhlaba wonke, nokushintshashintsha kwabantu nezenhlalo) ezazidingeka ukuze kushintshwe umnotho waseNingizimu Afrika usuka emnothweni ogxile ezintweni kuya emnothweni ogxile olwazini.

Eminyakeni engu-25, kuye kwaba nezinto eziningana ezinhle eziye zenzeka, kuhlanganise nokukhula okukhulu ekutshalweni kwemali ku-R&D, ukukhula kwabantu abasezingeni eliphezulu (kuhlanganise nokwanda kwabansundu nabesifazane), kanye nokwanda kwemiphumela ye-R&D (publications) nemiphumela yokusungula (imisebenzi esunguliwe emafemini, izinto ezinamalungelo agodliwe nezivikelwe ubunikazi).

Nakuba kuye kwaba noshintsho olukhulu emalini esetshenziswayo ku-R&D eminyakeni engu-25 yokubusa ngentando yabantu, iNingizimu Afrika iyaqhubeka isalele emuva emgomweni ka-1.5% we-GDP emalini esetshenziswa ku-R&D. **Umfanekiso 7.20** ubonisa nokusebenzisa imali okukhulayo kuzo zonke izimboni kusukela ngo-2011 naphezu kokukhula kwe-GDP okuphansi.

Kodwa-ke, ukukhula kwe-R&D eNingizimu Afrika kuye kwahamba kancane kunasemazweni anezinga lokungena kwemali eliphakathini nendawo okuqhathaniswa nawo, futhi ingxenye yeNingizimu Afrika yokuvela ku-R&D emhlabeni wonke, umthombo wolwazi nezinto ezisunguliwe kuye kwehla.I-NSI yaseNingizimu Afrika uma iqhathaniswa neyamanye amazwe anemali engenayo ephakathi nendawo ibonisa ukuthi incane uma iqhathaniswa, kodwa iyaphumelela futhi iyakhiqiza kakhulu. Noma kunjalo, iNingizimu Afrika isenezinga lokubamba iqhaza kwezemfundo elincane ngokuqhathaniswa, futhi kudingeka kugxilwe kakhulu emikhakheni enjengezobunjiniyela.

Ngaphezu kwalokho, leli zwe kudingeka landise izinto ezikhiqizwe ngobuchwepheshe obuphezulu elizithumela kwamanye amazwe. Okusho ukuthi iNingizimu Afrika kuyodingeka yenze okwengeziwe kwezentengiso ezimayelana nemisebenzi eqanjiwe enamalungelo agodliwe. Inqubo yezentengiso, ngokwezinga elikhulu, incike ekutholakaleni kwezinhlaka zomthetho nezinqubo-mgomo ezisekela ukuhlonzwa okuphumelelayo, ukuvikelwa nokulawulwa kwanoma yimuphi umsebenzi oqanjiwe (IP) ohlobene nemiphumela ye-R&D. Ngokwe-National Intellectual Property Management Office (NIPMO), ngamaphesenti angu-2 kuphela emisebenzi eqanjiwe ephuma ocwaningweni oluxhaswe uhulumeni kusukela ngo-Okthoba 2010 eye yathengiswa ngempumelelo kuze kufike u-2018, namaphesenti angu-5 ngaphezulu athole amalayisensi.

Enye yamaphrojekthi e-R&D ayinhloko angemva koBandlululo utshalo-mali olwenziwe kuprojekthi yetheleskophu ye-Square KilometreArray (SKA). Iphrojekthi yetheleskophu i-SKA izoletha izinzuzo zomnotho eziqondile eNingizimu Afrika ngenxa

yemisebenzi eyinhloko yokwakha nokusebenza kwendawo ye-SKA kanye nokuthuthukiswa kwamakhono.

e) Ukuthuthukiswa Kwamabhizinisi Amancane

Ngo-1994, uhulumeni omusha wawuzazi kahle izinselele abhekana nazo amabhizinisi amancane kanye nendima la mabhizinisi angayidlala kwiprojekthi yokwakha kabusha nentuthuko. Ubandlululo lwashiya iNingizimu Afrika inengxenye encane kakhulu yabantu abazisebenzayo uma kuqhathaniswa neminye iminotho ephakathi nendawo. Lokhu kuyisici esiyinhloko ekungasebenzini kwabantu. Ubandlululo lwacindezela amabhizinisi amancane amaningi ngezindlela ezihlukahlukene, kusukela ekuvimbeleni osomabhizinisi abansundu emadolobheni kuya ekucindezelweni kokulima kwabantu aBansundu. Ngenxa yalokho, osomabhizinisi abancane baba nemingcele emikhulu ekungeneni emnothweni uma beqhathaniswa nozakwabo emazweni aneminotho ethuthukile, abazuza amabhizinisi emindenini yabo. Ngokuqondile, osomabhizinisi abancane eNingizimu Afrika kaningi bantula izinhlangano ezizobasekela ngokwezimakethe, impahla yokusebenza, kuhlanganise nezindawo zezimboni noma zokuthengisa, ingqalasizinda, nokukhiqiza kanye namakhono amabhizinisi.

Ngisho nokushintshwa kwezinqubo-mgomo ngemva kuka-1995 kwakuqhutshwa kakhulu ukuxoxisana okunqala okwakuhlonza izidingo, imigomo, ezinye izindlela kanye nezinselele zokuqalisa izinto kule mboni. Lokhu kwafinyelela eqophelweni lokukhishwa kwesu okuthiwa i-Integrated Small Business Development Strategy. Leli su lahlongoza ukusungulwa kwezinhlangano ezintsha eziningana – uMkhandlu Kazwelonke Wamabhizinisi Amancane (National Small Business Council), i-ejensi yokuthuthukiswa kwamabhizinisi amancane ebizwa mgokuthi i-Ntsika, i-ejensi yokuboleka imali okuthiwa i-Khula Enterprise Finance, kanye nezikhungo zezinsizakalo zendawo eziningana okwakuyizikhungo zokusiza amabhizinisi endawo. Indima kahulumeni wasekhaya ekusekeleni ukukhula kwamabhizinisi amancane kuyinqubo-mgomo esemqoka.

Imininingwane yezibalo ezimayelana nam-abhizinisi amancane evela ku-StatisticsSouth Africa Labour MarketDynamics (2008 – 2015) ibonisa lolu khondolo olulandelayo:

- Amabhizinisi amancane ayebhalisiwe ngo-2015 ayengu-670 000212;
- Amabhizinisi amancane ayengabhalisiwe ayeyizigidi ezingu-1.5, cishe isibalo esasingashintshile kusukela ngo-2008;
- Ingqikithi yamabhizinisi amancane ilinganiselwa ezigidini ezingu-2.2;
- Abantu abaqashwe emabhizinisi amancane abhalisiwe ngo-2015 sasiyizigidi ezingu-5.8, kanti abantu ababeqashwe emabhizinisini amakhulu kwakuyizigidi ezingu-3.6;
- Imikhakha eyinhloko yamabhizinisi amancane ukuthengisa, ukwakha nezinsizakalo zamabhizinisi, kanti amabhizinisi amancane maningi kakhulu eGauteng, eNtshonalanga Kapa nase-KZN (kakhulu emadolobheni amakhulu);
- Imali etholwa ngabaqashi nalabo abazisebenzayo ababhalisile yayiphakathi kuka-R8000 – R12 000 ngenyanga, kanti imali etholwa ngabaqashi nalabo abazisebenzayo abangabhalisile yayiphakathi kuka-R2000 – R4000; futhi
- u-51% wamabhizinisi amancane abhalisiwe ngawabelungu, kusuka ku-62% ngo-2002 kanti okungawabesifazane angu-24% abhalisiwe kanti angu-40% amabhizinisi amancane angabhalisiwa.

f) Amandla kanye noshintsho olunobulungisa

Ekuxhumaneni kwezimayini namandla eNingizimu Afrika kuye kwalolonga ukukhula kwesimo somnotho wezepolitiki wesizwe. Lokhu kuvezwe ku-Minerals Energy Complex (MEC) ocwaningweni olubhaliwe.[212] Ngokwe-Sustain Labour (2013), "*ukuphakelwa kukagesi kuyinselele ebalulekile eNingizimu Afrika. Umnotho ngokuyinhloko uhlobene nezimayini ezinkulu ezisebenzisa ugesi kanye nezimboni zezimbiwa-phansi, okwenza ukudinga kwayo ugesi kube ngaphezu kokuvamile, kunamanye amazwe angu-10 kuphela adinga ugesi ngezinga eliphakeme kunelayo*."[213] Lesi sidingo esikhulu samandla senza kube kubi kakhulu ukushintsha kwesimo sezulu nokuwohloka kwemvelo.

Uhulumeni wangemuva koBandlululo wabona ukuthi umnotho odinga kakhulu ikhabhoni awusimamiseki kokubili kwezemvelo nasekuqashweni kwabantu (ngoba izimboni ezidinga kakhulu imali yamandla azakhi kakhulu amathuba okuqasha abantu). Ukuze kusekelwe ukushintsha kwezwe lishintshela emnothweni odinga ikhabhoni encane uhulumeni wethula izinqubo-mgomo ezihlukahlukene njengalezi: i-Integrated Resource Plan (IRP) kanye ne-Integrated Energy Plan (IEP); i-National Climate Change Response Policy (NCCRP); i-Intended Nationally Determined Contribution (INDC); kanye ne-Green Accord and the National Climate Change Bill.

Ngaphezu kwalokho, uhulumeni wahlanganisa izinhlongozo

212 Fine, B. and Rustomjee, Z. 1996. The Political Economy of South Africa: From Minerals-Energy Complex to Industialisation. London:C. Hurts & Co.

213 Sustain Labour. 2013. Green Jobs and related policy frameworks: An overview of South Africa. Available at: https://www.sagreenfund.org.za/wordpress/wp-content/uploads/2015/04/Green-Jobs-and-Related-Policy-Frameworks.pdf (Accessed 26 February 2019).



zekhabhoni ephansi ezihlukahlukene ohlelweni lwenqubo-mgomo yomnotho wamabhizinisi amakhulu. Indlela Yokukhula Entsha (New Growth Path [NGP]) noHlelo Lwentuthuko Kazwelonke (National Development Plan [NDP]) lwabeka imigomo eqondile yoguquko oluya emnothweni wekhabhoni ephansi. Lezi zihlobene nokuqashwa kwabantu, ukunciphisa amagesi akhishelwa emkhathini, ukwenziwa kwezimboni, ukuthuthukisa izinsizakalo zamandla nokukhula komnotho[214].

Lezi zinto ezenziwa ziye zakhiqiza impumelelo encane ekushintsheleni emnothweni wekhabhoni ephansi. Ngokwe-Global Carbon Atlas ngo-2017 iNingizimu Afrika yayiphakathi kwamazwe angamashumi amabili ahamba phambili ngamagesi akhishelwa emkhathini (Green House Gases [GHG]) emhlabeni[215]. Lolu khondolo lukhiqizwa ngokuyinhloko ukuphehlwa kukagesi, okungaba ngu-50% walokho okukhishelwa emkhathini yiNingizimu Afrika kanye no-40% wokukhishwa kwe-GHG[216]. Amalahle asalokhu ewumthombo oyinhloko ekuphehlweni kukagesi, u-90% wogesi ukhiqizwa ngalesi simbiwa-phansi[217]. Iqhaza lonkana lemboni yamandla ekukhishelweni kwe-GHG emkhathini lanyuka lisuka ku-78% ngo-2000 laya ku-82% ngo-2012[218]. UMbiko Wokushintsha Kwesimo Sezulu Kuzwelonke wakamuva wathola ukuthi ukukhishelwa emkhathini kwe-GHG kwenyuka futhi "*ukusebenzisa kakhulu ikhabhoni kohlelo lwamandla kwahlala kungashintshi enkathini ephakathi kuka-2000–2012*".[219]

INingizimu Afrika yandisa utshalo-mali lwayo nokuqashwa kwabantu ezintweni ezivuselelekayo ngokwethula i-Renewable Independent Power Producer Procurement Programme, 2011) Amanani abantu abaqashiwe ayengu-35 000 ngo-2018 futhi izilinganiso zisikisela ukuthi imali eyizigidi zezigidi ezingu-R195 iye yatshalwa kusukela kwasungulwa le nqubo-mgomo.[220] Kodwa lezizinzuzo azanele ekubhekaneni nezinselele zezwe zesimo sezulu namandla ahleliwe.[221]
Ngaphezu kwalokho, kunokukhathazeka okukhulayo mayelana nokuphumelela nekhwalithi yezinsizakalo zikagesi kuzwelonke, ngenxa yamanani entengo, ukuklanywa kwesistimu yamandla kanye nokucishwa kukagesi ngenhloso yokuwonga okube khona eminyakeni yakamuva.[222] Ukuhlelwa kabusha kwesistimu yamandla eNingizimu Afrika kudinga ukuba kwenziwe ngendlela ehlanganisa konke, kucabangele izinto ezibangwayo njengezindleko zikagesi kubathengi kanye noshintsho ekuqashweni kwabantu. Leli phuzu lihlobene nesimiso soshintsho olunobulungisa esikhona ku-NDP.

g) Ukuba lula kokwenza ibhizinisi

Umbiko Wokuba Lula Kokwenza Ibhizinisi Ka-2019 ubeka iNingizimu Afrika kunombolo 82 phakathi kweminotho yamazwe angu-190 futhi ingunombolo 9 e-Afrika.[223] INingizimu Afrika iphansi kakhulu ezinkombeni ezingu-3 kwezingu-10, eziwukuhweba ngale kwemingcele (143), ukuqala ibhizinisi (134), nokwenza izivumelwano zisebenze (115). Leli zwe lathola amaphuzu aphezulu ekuvikeleni abatshali-zimali abancane (23), ukukhokha izintela (46) nokuxazulula izinkinga zokungakwazi ukukhokha izikweletu (66).[224] Noma kunjalo, njengoba yayiku-66.03% iNingizimu Afrika yayingaphezu kwesilinganiso samazwe ase-Afrika aseningizimu ye-Sahara esingu-51.5%.

Njengoba inomnotho ongowesibili ngobukhulu ezwekazini, iNingizimu Afrika kufanele iphokophele ekubeni ibe phakathi kwezizwe ezintathu eziphezulu e-Afrika futhi ibe phakathi kweziyishumi eziphezulu emhlabeni wonke, ngokwalesi sikali esibalulekile. Ukuze ifinyelele lokhu ngempumelelo, iNingizimu Afrika kufanele iqalise indawo eyodwa enazo zonke izidingo zabatshali-mali ekade yasikiselwa okufanele isheshise futhi yenze lula inqubo yokubhaliswa kwezinkampani kuyilapho iqeda izinqubo ezingadingekile ekuhwebeni phakathi kwemingcele okwezinwa yizinkampani nabantu.

214 IKhomishini Yezokuhlela Kazwelonke (NPC). 2011. Uhlelo Lwezentuthuko lukazwelonke 2030: Ikusasa lethu -lenza lisebenze. Kuyatholakala ku: http://www.dac.gov.za/sites/default/files/NDP%202030%20-%20Our%20future%20-%20make%20it%20work_0.pdf (Kutholakale 26 ngoFebhuwari 2019).

215 Global Carbon Atlas. 2017. Ukukhipha kwe-CO2. Kuyatholakala ku: http://www.globalcarbonatlas.org/en/CO2-emissions (Kutholakale 26 ngoFebhuwari 2019).

216 Umnyango Wezemvelo. 2011. Iphepha Likazwelonke Lokuphendula Ngezimo Zesimo Sezulu. Kuyatholakala ku: https://www.environment.gov.za/sites/default/files/legislations/national_climatechange_response_whitepaper.pdf (Kutholakale 26 ngoFebhuwari 2019).

217 IEskom. 2019. http://www.eskom.co.za/Pages/Landing.aspx (Kutholakale 26 ngoFebhuwari 2019).

218 Umnyango Wezemvelo. 2017. UMbiko Woshintsho Lwesimo Simo Sezulu WaseNingizimu Afrika Wonyaka Wezinsuku ezimbili.p.102. Kuyatholakala ku: https://www.environment.gov.za/sites/default/files/reports/southafrica_secondnational_climatechnage_report2017.pdf (Kutholakale 26 ngoFebhuwari 2019)

219 *Ibid.*Ikhasi108.

220 IRENA. 2018. Amandla Nemisebenzi Evuselelekayo - Ukubuyekezwa Kwonyaka 2018. Kutholakala ku: https://irena.org/-/media/Files/IRENA/Agency/Publication/2018/May/IRENA_RE_Jobs_Annual_Review_2018.pdf (Kutholakale 26 ngoFebhuwari 2019). FUTHI WWF. 2017. Amandla Avuselelekayo: Amaqiniso Nezikhathi Ezizayo. Kuyatholakala ku: www.wwf.org.za/renewable-energy-facts-and-futures (Kutholakale 26 ngoFebhuwari 2019).

221 Umnyango Wezemvelo. 2017. UMbßiko Woshintsho Lwesimo Simo Sezulu WaseNingizimu Afrika Wonyaka Wezinsuku ezimbili.p.102. Kuyatholakala ku: https://www.environment.gov.za/sites/default/files/reports/southafrica_secondnational_climatechnage_report2017.pdf (Accessed 26 February 2019)

222 I-WWF. 2017. Amandla Avuselelekayo: Amaqiniso Nezikhathi Ezizayo. Kutholakala ku: www.wwf.org.za/renewable-energy-facts-and-futures (Kutholakala 26 ngoFebhuwari 2019).

223 IBhange Lomhlaba. 2019 Ukwenza iBusiness 2019, Training for Reform, Umnotho Iphrofayili, iNingizimu Afrika. k.4.

224 *Ibid*

IZIPHAKAMISO

Ukungakwazi kwethu **ukuthatha isinyathelo** esingujuqu sokungenela **emnothweni** futhi sibhekane nezinselele ezahlonzwa ekuqaleni koshintsho – ukuncika ngokweqile ezimbonini eziyinhloko (izimayini nezolimo); imboni yezokukhiqiza ewohlokayo, ukungalingani okukhulu emnothweni, imali engenayo, impahla namathuba okuqashwa; izinga eliphansi lotshalo-mali kwezocwaningo nentuthuko; amazinga aphezulu okunqwabelana ndawonye kuzo zonke izimboni; amazinga amakhono aphansi nangafanele; ukuncintisana okuphansi ekukhiqizeni; amazinga aphansi okukhula; imboni yezezimali ebuswa yizinkampani ezinkulu ezimbalwa, ngaphandle kwezinsizakalo zamabhange nokuthola imali yokusebenza, nokungaqashwa kwabantu nokuqashwa kwabantu abambalwa kunabadingekayo. Ukuze kubhekanwe nalezi, izenzo eziyinhloko zihlanganisa:

- Ukusungula **uMkhandlu Wenqubo-mgomo Yezimboni Kamongameli** ukuze kuqinisekiswe ukusekela okuhlangene kwezezimboni ezihlanganisa konke, ngokuyinhloko ngokukhiqiza nokuhluza, kubo bonke abadlala indima kuhulumeni nasemphakathini. Kumelwe kube yisimiso esiyinhloko senqubo-mgomo yezomnotho. UMkhandlu Wenqubo-mgomo Yezezimboni kumelwe ube ngenye yezinto eziyinhloko eziqhubekayo zoMkhandlu Wokweluleka Ngezomnotho Kamongameli. Ngenxa yalokhu:
  - **Imikhankaso Yenqubo-mgomo Yezimboni** kumelwe ihlonze iZimboni Eziseqhulwini Kuzwelonke ezihlanganisa ukwenziwa kwensimbi, ifenisha, imikhiqizo yezolimo (amagilebhisi, amantongomane, ama-aphula, ukwatapheya, newayini), izimpahla zokugqoka nendwangu, imithi yokwelapha negesi.
  - **IZimboni Eziseqhulwini Kuzwelonke** ziye zahlonzwa ngesisekelo sokuthi zingakwazi ukwandisa kakhulu ukuqashwa kwabantu, utshalo-mali, ukukhula, izinto ezithunyelwa kwamanye amazwe, nokuthuthukisa izinto ezizenzayo.
- **Ukwenza ukubuyekeza kohlaka lwenqubo-mgomo yezinto ezinomthelela emnothweni** ukuze kuqinisekiswe ukuthi ungakusekela kahle. ukuqashwa kwabantu okusemazingeni aphezulu, ukusatshalaliswa kokukhula komnotho, kanye nomnotho ohlanganisa konke. Lokhu kuhlanganisa isidingo sokubuyekeza inqubo-mgomo yokubeka umgomo wokwehla kwamandla email.
- **Ukuthuthukisa ukuhlelwa kwendawo** nokwakha okungenani idolobha elilodwa elisezingeni eliphezulu eminyakeni emihlanu ezayo, eliyosekelwa yizikhungo zentuthuko, ezihlanganisa izindawo zasemakhaya nezasemadolobheni.
- **Utshalo-mali olugxile kwingqalasizinda yomnotho eyinhloko** ezingeni likazwelonke nelendawo, ikakhulukazi kugesi, izikhumulo, ujantshi nemigwaqo ukuze kwakhiwe indawo evumela ukukhula okuhlanganisa konke.
- **Ukubuyekeza ngokushesha amanani entengo abekwe emboni yezamandla**, amanzi, izikhumulo, ujantshi nezokuxhumana ukuze kunikezwe impumuzo kumanani entengo ukuze kusekelwe ukukhula kwezimboni.
- **Ukusekelwa ngokwezimali kwezimboni okwandisiwe kanye nemihlomulo** yokwandisa izinga lotshalo-mali kusuka ngaphansana kuka-20% kuye ezingeni elisophiwe lika-25% nangaphezulu. Lokhu kufanele kuhlolwe ngezixazululo zoxhaso olungekho esabelweni semali.
- **Ukwakha amasistimu aphumelela kakhudlwana okugqugquzela ukutholakala okusimeme** kwezinto zokusebenza endaweni, izinto ezisetshenziswa ziphele nezinsizakalo ukuze kusekelwe amandla ezimboni endaweni. Ngokwesibonelo, uKuphothulwa Komthetho-sivivinyo Wokuthengwa Kwezinto Zikahulumeni.
- **Ukunciphisa amagesi aphumela emkhathini** nokuvumela iNingizimu Afrika ukuba ishintshele emnothweni onezinga eliphansi lekhabhoni futhi isebenzise izinto ezihlukahlukene zenqubo-mgomo yezimboni, njengemali yoxhaso nemali yentela yezimpahla ezingena kuleli zibuya kwamanye amazwe ukuze kuqiniswe ezezimboni futhi kuqaliswe izimboni zakuleli ezinamathuba amakhulu.
- **Ukwenza lula ukwenza ibhizinisi** ngokuqalisa indawo enazo zonke izinto ezidingwa abatshali-mali nokubhaliswa kwamabhizinisi.

ISAHLUKO 8

Ukuhlelwa Kwendawo Nokuhlaliswa Kwabantu



I-RDP iyasiqaphela isimo sokusekelana kwamasu okuthuthukiswa kwezindawo zasedolobheni nezasemakhaya ngokusatshalaliswa ngokwezindawo kwemisebenzi yomnotho nokusetshenziswa komhlaba ngendlela esimeme. Izindlela zendawo esazithola njengefa ngo-1994 zabonisa umthelela wamakhulu eminyaka okwenziwa kwamakoloni namashumi eminyaka okubusa kobandlululo, nezindlela ezingalingani kakhulu zentuthuko, ukukwazi ukuthola izingqalasizinda, izinsizakalo zezenhlalo kanye namathuba omnotho ahamba ngohlanga.

I-RDP yaphawula ukuthi "*ifa lobandlululo ngeke linqotshwe yizindlela nezinqubo-mgomo ezingahlelekile*". Yaphawula nesidingo "*sokuqeda indawo eyahlukaniswa ngokobandlululo ngokuthi kube nokuguqulwa komhlaba, amadolobha ahlangene, ezokuthutha komphakathi ezifanele, kanye nokuthuthukiswa kwezimboni nezinsizakalo ezisebenzisa izinsiza zendawo futhi/noma zihlangabezane nezidingo zendawo*".

Ifa elashiya amakoloni nobandlululo laliwumphumela wokuphindaphindwa amakhulu eminyaka kwemithetho nezinqubo-mgomo ezazivalela abantu engxenyeni encane kakhulu yomhlaba, okwakuwumhlaba ongakhiqizi. Lo mthetho wawuhlanganisa i-Hut taxes (kusukela ngo-1870) kanye ne-Natives Land Acts ka-1913 no-1926. Konke lokhu kwakuklanyelwe ukugcina abansundu bebonke kanye nama-Afrika ikakhulu besengxenyeni yomhlaba engakhiqizi. Le mithetho yayivimbela abantu abansundu ukuba bathenge noma baqashe umhlaba ongaphandle 'kwezindawo zabo ezihleliwe,' lapho izimo zomhlaba womphakathi zazilawulwa abaholi ababengabusi ngentando yabantu.

Loku kwalinganiselwa ubunikazi bomhlaba kwabansundu ku-13% womhlaba waseNingizimu Afrika. Ukuba ugwadule kwezindawo eziningi kwenza bangakwazi ukulima noma ukukhiqiza noma yini enye. Ukungalawulwa kahle kwemisebenzi eyenziwa yizinkampani ezinkulu zakuleli nezakwamanye amazwe kwaba neqhaza ekuwohlokeni kwezinto zemvelo, kuhlanganise inhlabathi, amanzi nezitshalo. Kwakunomehluko ophawulekayo emnothweni ngenxa yezinqubo-mgomo eziklanyelwe ukuqinisekisa ukuthuthelwa kwabasebenzi ezimayini nakwezinye izimboni. Uhlelo lokuthuthela kwabasebenzi kwezinye izindawo,olwadlulela nakwamanye amazwe eNingizimu ye-Afrika, lwenza kwaba lula ukuxhashazwa kakhulu kwabasebenzi abansundu futhi kwahlukanisa imindeni.

Izindawo okwakuhlala kuzo abansundu emadolobheni ezaziminyene kakhulu zazingenazo izinsizakalo ezikahle futhi zinengqalasizinda enamathuba okuhweba alinganiselwe. Izinhlelo zokubusa ezazisetshenziswa kokubili ezindaweni okuhlala kuzo abansundu emadolobheni nasemakhaya zazingenalo uhlobo lwangempela lokubusa kanye/noma ukulawula kukahulumeni, kodwa olwalabo ababebonakala benza umthetho usebenze endaweni kanye nabaholi bendabuko 'ababebekwe' uhulumeni wobandlululo, ngaleyo ndlela kuqinisekiswa ukuthi liphansi kakhulu izinga lokufinyelela izinsizakalo nezinto eziyisisekelo. Laba abasemagunyeni babengasimeme futhi bengenazo izinto ezanele zokuhlela nokulawula izidingo zabahlali.

Ukusuka ekwandeni kwendawo yokuhlala enkulu nezindlela zendawo,ifa lamakoloni nobandlululo lalinamadolobha amakhulu ngasempumalanga ye-Bloemfontein, ngaphandle kweKapa, i-Kimberley ne-Upington. Ngaphezu kwalokho, i-RDP 1994 yachaza izindlela zokuhlaliswa kwabantu ezindaweni zaBansundu baseNingizimu Afrika njengeziminyene nezintulayo, izindawo zasemakhaya namalokishi, ezinabantu abancane abakwazi ukufinyelela umhlaba emakethe ekhululekile.Abantu abampofu babehlala kude kakhulu nezindawo ezinamathuba emisebenzi futhi ayemancane amathuba okuthola izinto abazidingayo futhi labo abasebenzayo babegqilazwe ukuhamba amabanga amade kakhulu beya lapho besebenza khona nasezikhungweni zezitolo.Babengakwazi kahle nokuthola izinsizakalo zezimo eziphuthumayo nezokuthula ezindaweni zasemakhaya.

Ngakolunye uhlangothi, izindawo ezihlala abelungu kwakuyizikhungo zentuthuko yaseYurophu zinezindawo zokuhlala ezisezingeni eliphezulu nezinsizakalo eziyisisekelo kuhlanganise ezokuthutha nezinye izinto abazidingayo. Igunya lokuqala nokusebenzisa imali kulokho okudingwa umphakathi lalikumagunya endawo aqashelwayo ayesebenza ngemali eyayize isale. Lezi kwakuyizindawo zokuhlala abantu ezisezingeni lomhlaba.

Ngokuyinhloko, uhulumeni wentando yabantu wathola izwe elinezinhlobo zabantu ezihlukene kabili, olunye uhlobo luphambili kakhulu kunolunye. Ngokuyinhloko, uhulumeni wentando yabantu waba nomthwalo wokulungisa izinto ezoniwa ukwenziwa kwamakoloni nobandlululo ngokuhlela kabusha izindlela zokuba nendawo ukuze zisekele izinto ezidingwa ngabantu abaningi basezindaweni zasemakhaya nezasemadolobheni, ngokuvumelana nalokho okuthiwo i-Freedom Charter ukuthikube "nezindlu, ukuvikeleka nokunethezeka kubo bonke".



Umdwebo 8.1: INingizimu Afrika: Ezindaweni Zasemadolobheni Kusukela Ngo-2007 kuya ku-2017.
Umthombo:World Bank and Statista 2019.

Ngo-1994, iNingizimu Afrika yayinenethiwekhi yamadolobha amakhulu, amadolobha alandelayo ngobukhulu, namadolobhana nezikhungo zezinsizakalo ezincane ezazixhunyaniswa yimigwaqo nojantshi. Kodwa-ke, lokhu kwaphawula uhlelo olusontekile lwezindlela zezindawo kwagxilisa ukwehlukana okukhulu kwezenhlalo namathuba angalingani okufinyelela emnothweni, njengoba abantu abaNsundu baseNingizimu Afrika babehlala emalokishini aminyene nasezindaweni zasemakhaya. Le ndlela yendawo yabonisa, ngokwengxenye, izinto ezinkulu kakhulu ababhekana nazo ngesikhathi samakoloni nobandlululo, ezaboniswa kahle izindlu ezihlala abansundu ezingekho kahle, ezibizayo, ezigcwele ngokweqile, ezisezindaweni ezinganakekelwa ezingenazo izinsiza, amathuba entuthuko nezindawo zokungcebeleka.

Imakethe yezindlu nezindawo kwakuyinto engekho kwabaningi baseNingizimu Afrika, ababebekelwe inselele ngamabomu ezindaweni abangahamba baye kuzo.

Ngo-1994, i-RDP yaqaphela ukuba nendlu njengelungelo lomuntu eliyisisekelo futhi elineqhaza elibalulekile ekubuyiselweni kwesithunzi. I-RDP yalinganisela ukuthi izindlu okufanele zakhiwe ziyizigidi ezingu-1.3 futhi zakhuphuka zaya ezigidini ezingu-3 lapho kuhlanganiswa namahostela nezindawo zasemakhaya. Uhulumeni wentando yabantu kusukela ekuqaleni wayebhekene nezinto eziningi kakhulu ezisalele emuva okwakudingeka azibeke eqhulwini.

Uhulumeni kwakudingeka acabangele nokuthi *"ukungalingani kwezindawo kungezindlela eziningi, ngokwezomnotho, ngokwezenhlalo, ngokwezemvelo, ngokwezinhlangano, nangokwezenhlalo okuhambisana nokuziphatha komuntu – nokuthi lezi ziphambana nezixazululo ezilula. [Ngakho-ke] ukulungisa izinto ezabangelwa ubandlululo ukuze kuhlelwe kabusha izindlela zezindawo kuwumsebenzi odinga isikhathi eside odinga ikhona lokusungula izinto elikhulu, ukubambisana nokuzibophezela okuqhubekayo. [lokhu kudinga] … ukuzidela… okudinga ukuba kwenziwe ukukhetha okunzima..."* [225]

Ngenxa yalokho, i-RDP yayidinga ukuba kwenziwe amasu okuthuthukiswa kwasemadolobhani nokwasemakhaya okuhlangene ukuze kuqinisekiswe ukuthi izidingo zabo bonke abantu bethu ziyafinyelelwa ngendlela ekahle nelinganayo. I-RDP yayidinga nezinqubo zezomnotho obanzi ukuba ziqale ukusebenza lapho kusatshalaliswa umsebenzi womnotho ngokwendawo, ikakhulu amasu okubhekana nokukhula okweqile kwamadolobha amakhulu, ukusatshalaliswa kwabantu ngendlela engaqondile ezindaweni zasemakhaya, indima yamadolobha amancane naphakathi nendawo, kanye nekusasa lamadolobha nezindawo eziwohlokayo, "*izindawo zokulahla udoti zangesikhathi sobandlululo*".

225 I-Turok, Scheba & Visagie, 2017. Ukunciphisa Ukungalingani Ngokwendawo Ngokulawula Okungcono. Umbiko Kwiphaneli Esezingeni Eliphezulu ekuhlolweni komthetho oyinhloko nokusheshiswa koshintsho oluyinhloko. HSRC.

INQUBEKELA-PHAMBILI EMINYAKENI ENGU-2

I-RDP yakuqaphela ngokucacile ukungabi nabulungisa ngokwezindawo, okwakubizela ukuba kwenziwe ngendlela ehleleke kahle ukuze kuthuthukiswe izindawo zasemakhaya nezasemadolobheni. Lapho uhulumeni waseNingizimu Afrika wokuqala okhwethwe ngentando yabantu uqala ukubusa ngo-1994, wathola indlela yokuhlela eyayicakazekile, inokungalingani futhi ingahlelekile ngendlela ekahle.[226] Ukubalwa kwabantu ngo-1996 kwaqinisekisa ukubala kwangaphambilini okwenziwa yi-RDP okwabonisa ukuthi kwakunemizi eyizigidi ezingu-1.5 esezindaweni zokuhlala ezingahlelekile emadolobheni kuphela. Ngokwe-South African Institute of Race Relations "ingxenye yabantu ababehlala ezindaweni zasedolobheni" yayingu-52% ngo-1990. Ngo-2017, inani Labantu ababehlala emadolobheni lalingu-65% njengoba kuboniswe **emfanekisweni 8.1**.

Ngakho-ke i-RDP yaqinisekisa izimiso ze-Botshabelo Accord sokuthi "*Bonke abantu bayoba nelungelo lokuhlala noma kuphi lapho bekhetha ukuhlala khona, babe nezindlu ezikahle, futhi bakhulise imindeni yabo ngokunethezeka nangokuvikeleka*".[227]

Lesi sivumelwano sasinombono wobudlelwane obuhlala njalo phakathi kukahulumeni nezinkampani ezizimele (kuhlanganise izimboni zezimali nezokwakha) obabuzokwenza ukuthi kulethwe izindlu zamanani aphansi nafinyelelekayo kubantu baseNingizimu Afika abampofu, abahola kancane nababencishwe amathuba ngaphambilini. Lokhu kwakuhambisana ne-Freedom Charter ethi "*izindawo zokwakha izindlu ezingasetshenzisiwe ziyokwenziwa zitholakale kubantu [futhi] kuyokwehliswa amanani entengo okuqasha*". Eminye yale migomo yagqugquzela i-RDP ukuba ibophezele uhulumeni ukuba abele okungenani u-5% wesabelo-mali sikazwelonke ekulethweni kwezindlu ukuze kwakhiwe okungenani izindlu eziyisigidi eminyakeni emihlanu yokuqala yokubusa ngentando yabantu.

Le migomo yayizoba nethonya ku-White Paper on Housing of 1994 and the Development Facilitation Act (DFA) of 1995, owawenza kube nokuhambisana phakathi kokuthuthukiswa nokuhlelwa komhlaba. Ngokuyinhloko lo Myalo wawufuna ukuqinisa ubudlelwano phakathi kwalabo ababakha Kanye nohulumeni ne-DFA isheshise izinqubo zezindlu nokuthuthukiswa komhlaba. Lezi zapheleliswa yi-1997 Rural Development and Urban DevelopmentFrameworkseyayihloselwe ukubhekana nokungabi nabulungisa mayelana nomhlaba.

I-Rural Development Framework (RDF) yayihloselwa ukwakha imiphakathi yasezindaweni zasemakhaya enobulungisa, esimeme. I-Urban Development Framework (RDF) yayinombono wokwakha amadolobha amakhulu namancane ahlangene ngokwezindawo ngokwezenhlalo nangokwezomnotho, asimeme ngokwezemvelo nanikeza izindlu ezisezingeni eliphezulu. Kamuva lezi zapheleliswa nguMyalo wokusetshenziswa ngokuhlakanipha komhlaba ngo-2001. Ngeshwa, alukho kulezi zinhlaka olwadonseka okutheni futhi azizange zibe nomthelela entuthukweni ngendlela okwakucatshangwe ngayo.

Ngezingcindezi zokuqala (neziqhubekayo) zokusheshisa izinqubo, kwalahleka umbono wokuqala wezinhloso ezigxiliswe kubantu ze-RDP kanye nemigomo yonkana ye-White Paper on Housing of 1994, eyayingakhuthazi ukusakazekela kwabantu emadolobheni futhi ifuna ukulungisa izindlela zezindawo ezasontwa ngumlando, igqugquzele ukuhlanganiswa kwezakhamizi, amathuba emisebenzi nokuvikeleka kwezimo amalungelo ezindawo angaphansi kwazo. Mhlawumbe inkemba esika nhlangothi-zombili eyahlala isikhathi eside yezinqubo-mgomo zeminyaka yangaphambilini yokubusa ngentando yeningi kwaba uXhaso Lwezindlu, ngakolunye uhlangothi oluye lwasheshisa ukulethwa kwezindlu, nakuba ikhwalithi yazo iye yangabazeka futhi izindlu zokuqala zazingu-15m² (manje ziphakathi kuka-40 and 50m²). I-National Home Builders Registration Council yamisa izimiso ukuze kube nokuqashwa okwengeziwe kwemboni yezokwakha. Lezi zinto ezenziwa Kanye nokugxila kakhulu ekuqapheni, kuye kwaholela ekutheni kube nentuthuko eza kancane kancane kodwa egxilile ekuthuthukeni kwekhwalithi yezindlu zoxhaso lukahulumeni (Stats SA, 2017). Ngakolunye uhlangothi, lolu xhaso luye lwaholela ekutheni



226 Ikhomishane Yentuthuko Nokuhlela, 1999.
227 Isivumelwano Sezindlu EBotshabelo. 1994. www.dhs.gov.za.



Umdwebo 8.2: Inani lezindlu ezixhasiwe ezaqedwa kusukela ngo-1994 kuya ku-2014.
Umthombo: Gardner, 2018



Umdwebo 8.3: Izinhlobo zemizi, 1996 no-2017.
Umthombo: CRA izibalo zithathelwe ekwazisweni kwe- Stats SA.

Ngohlelo lwe-IRDP, kwethulwa izindawo zabantu abaxubile ngemiholo kanye nezinhlobo zezindlu ezixubile ezindaweni ezinjenge-Cosmo City, Olievenhoutbosch, N2 Gateway ne-Cornubia.

umphakathi usonge izandla futhi/noma imindeni ingabambi iqhaza ekunikezelweni kwezindlu. Noma kunjalo, inhlolo-vo yalabo abazuzayo eyenziwa yi-Public Service Commission in 2003 yathola ukuthi u-79% yayo yonke imizi yayinomuzwa wokuthi ikhwalithi yazo yokuphila kwabo yayithuthukile ngenxa yoxhaso lwezindlu.[228]

Omunye umphumela wokulahlekelwa yizinhloso zokuqala kuye kwaa ukuwohloka komoya woBumbano LukaHulumeni Namabhizinisi Azimele (PPP) we-Botshabelo Accord, lapho phakathi neminyaka imboni yezimali yadlala indima encane ekunikezeni izindlu ezifinyelelekayo ngamanani emindenini ehola imali encane nephakathi nendawo futhi ubudlelwano nemboni yokwakha kwaba '*obusekelwe kunkontileka*' futhi kwancipha ukubambisana.

Naphezu kokugcizelela okungafanele 'ukunikezwa kwezinsizakalo' okusheshayo nezinqubo, okwenza kulahleke ukubamba iqhaza kwangempela komphakathi nobumbano, umgomo wasekuqaleni wezindlu eziyisigidi eminyakeni emihlanu wafinyelelwa eminyakeni emibili kamuva. INkulumo Yesimo Sezwe Yango-2002 yaphawula ukuthi "*nakuba inani lezindlu ezase zakhiwe noma ezazakhiwa lalingu-514 000 ekupheleni konyaka wezimali ngo-1998, inani njengamanje liyizigidi ezingu-1.2*".

Noma kunjalo, eminyakeni engu-25 ngemva kokuqala kokubusa ngentando yabantu, balinganiselwa ezigidini ezingu-14 abantu abaye basizwa uhlelo lwezindlu zomxhaso lukahulumeni futhi amaphesenti emizi eyathola uhlobo oluthile loxhaso lukahulumeni lwezindlu lwakhulu lusuka ku-5.6% ngo-2002 lwaya ku-13.6% ngo-2017.[229] **Umfanekiso 8.2** ukhombisa izindlu ezixhasiwe ezakhiwa kusukela ngo-1994 kuya ku-2014. Ngokwe-CRA, kwakhiwa izindlu/amayunithi ayizigidi ezingu-3.18 ngohlelo loxhaso lukahulumeni futhi kwanikezwa izinsizakalo ezikhungweni eziyizigidi ezingu-1.09 kusukela ngo-1994 kuya ku-2018. Kodwa-ke, ngokoMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu, ngu-49% kuphela wayo yonke imixhaso owanikezwa imizi eholwa ngabesifazane, yize kuyibo abakha iningi lemizi empofu eNingizimu Afrika.

Ngaphezu kwalokho, kusukela ngo-1994 izinkampani ezizimele zazakhe izindlu ezintsha ezingaba ngu-1 179 356 ezintsha ngo-2015. Cishe u-73% walezi zindlu ezintsha zazakhiwe zaba sezingeni lokuqalaa lezindlu ezincane (ngaphansi kuka-80m²), amafulethi nama-townhouse. Ngaphezu kwaloho, kusukela ngo-1994 kuya ku-2017, kwakhiwa izindlu ezingu-360 815 ngokohlelo okuthiwa i-Enhanced Extended Benefit Discount Scheme[230] olwadlulisela ubunikazi emizini egunyaza ukuhlala iminyaka engu-99. Alinganiselwa ku-127 407 amayinithi Ezenhlalo/Okuqashisa/Ezinkampani akhiwa namahostela/Amayunithi Okuhlala Imiphakathi (CRU's)[231].

Ngenxa yalokho, imiphakathi ehlala ezindaweni ezihlelekile yenyuka isuka ku-64% ngo-1996 iya ku-80% ngo-2017 futhi amaphesenti ezindawo zokuhlala zendabuko yehla isuka ku-18.2% ngo-1996 yaya ku-5.5% ngo-2017 njengoba kuboniswe **emfanekisweni 8.3**.

Amaphesenti emindeni ehlala ezindaweni zokuhlala ezingahleliwe nawo ehla, esuka ku-16% ngo-1996 aya ku-13.6% ngo-2017. NgokoMnyango Wokuhlaliswa Kwabantu, inani elingu-1 131 633 lemizi lathuthukiswa lisuka ezindaweni zokuhlala ezingahleliwe njengengxenye yoHlelo Lokuthuthukisa Imijondolo (UISP) kusukela ngo-1994. Injongo eyinhloko yalolu hlelo kwakuwukuqinisekisa ukuvikeleka kwezimo zendawo yokuhlala, impilo nokuphepha, nokuhlonyiswa komphakathi ohlala emijondolweni, isimiso esiyinhloko "*kuwukwenza ngcono ukuba yizakhamizi, ukufaka kokubili amalungelo neziboPho, ngokuqaphela nokuhlela amalungelo ezimo zendawo yokuhlala yezakhamuzi emijondolweni*".[232] Ngomhla ka-31 Disemba 2018, inani lamatayitela asalele emuva lalingu-818 262.[233] Amatayitela akhishwa kusukela ngo-Ephreli 2014 kuya ku-31 Mashi 2019 lafika ku-101 180 (ngaphansi kakhulu kwenani lezindlu ezanikezwa abantu).

Ngaphezu kwalokho, amapulani endawo ehlukene enziwa kanye nezindawo zokuhlala abantu ezakhiwa ngokuhamba kwesikhathi ngezinye izikhathi kwakungavumelani neSigaba 26 soMqulu Wamalungelo owawunombono wezindlu ezanele njengelungelo Labantu eliyisisekelo, okwakufanele bonke abantu baseNingizimu Afrika babe nalo:

- Ukufinyelela indawo eyisikhoselo ezintweni zemvelo ezingaba yingozi, nendawo yokuxhumana nabanye abantu, yokukhulisa izingane, yokuphumula nokufunda; kanye
- Nendawo yokuhlala esendaweni ekahle futhi enezinto ezidingekayo lapho endlini ngayinye kungenziwa konke okudingekayo mayelana nokuxhumana nemisebenzi yokuphepha, futhi ibe yimpahla futhi ikhule ngenani, uma kungeyomuntu.[234]

228 I-Republic of South Africa. 2003. Umbiko ophathele nokuhlaziywa kwe- Evaluation of the National Housing Subsidy Scheme, Public Service Commission. Itholakala lapha :http://www.psc.gov.za/documents/2003/eval_housingsubsidy.pdf

229 Statistics South Africa. 2018. Inhlolo-vo Evamile Yasemizini 2017.

230 Isikhungo Sokuhlaziya Ubungozi, wezi-2019.

231 UMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu Umbiko Wokubuyekezwa Kweminyaka Engu-25.

232 UMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu. 2009. I-National Housing Code: A Simplified Guide to the National Housing Code.

233 UMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu. 2018. Uhlaka Lwesu Lesikhathi Esiphakathi Nendawo 2014 -2019 Uhlelo Lokuthatha Isinyathelo (PoA).

234 Kellett, P. and Moore, J. 2003. Izindlela eziya ekhaya: ukungabi nakhaya nokwakha ikhaya emiphakathini engqubuzanayo. Habitat International, 27, 123-141..

Ukuhlukahluka, ngenxa yokuqhelelana kwabantu, amakhono, imisebenzi nokutshala imali, kulokhu kuwuphumela wobandlululo nezingqubo-mgomo ezingashintshiwe zokuhlela.

Lifuna ukuthuthukisa le migomo, isu lezindlu okuthiwa lika-2004 okuthiwa i-Breaking New Ground (BNG), lafuna ukuletha ushintsho endleleni yokubheka ukunikezwa kwezindlu ngokwakha izindawo zokuhlala ezihlangene ezisimeme. Leli su libheka ukusheshiswa kokunikezwa kwezindlu njengesu eliyinhloko lokuqedwa kobubha, ukutholakala kwempahla njengento yokwakha umnotho nokuhlonyiswa kwabantu. I-BNG yaletha indlela ephelele ekutholakaleni kwemali yokuthola umhlaba ukufaka kwengqalasizinda nokwakhiwa kwezindlu zomxhaso, ngohlelo lwe-Integrated Residential Development Programme (IRDP). Ngenxa yalokho, lolu hlelo lwaba ngaphansi koguquko olufana nolohlelo lwe-Chilean loxhaso lwekhephithali, olubheka imali engenayo engaphezu kweyodwa futhi elinoxhaso lwalabo abaqalayo ukuthenga izindlu, uhlelo lokuqasha ngenhloso yokuthenga nolunye uxhaso.[235]

I-BNG yayiphelezelwa yiNqubo Yezindlu Zabantu Ezithuthukisiwe eyaletha ukusekela okwengeziwe, yathuthukisa ikhephithali yezenhlalo futhi yenza izivumelwano emiphakathini nasemindenini eyayifuna ukuzakhela izindlu zayo. Ngonyaka ofanayo, kwethulwa uHlelo Losizo Lwezindlu Lwezimo Eziphuthumayo (2004) ngenxa yesahlulelo esaba yingqopha-mlando sika-Grootboom (2000) lapho iNkantolo Yomthetho-sisekelo yakhipha khona isahlulelo sokuthi uHulumeni kwakungekhona nje kuphela ukuthi unesibopho sokunikeza izikhoselo zesikhathi esiphakathi nendawo kuya kweside kodwa futhi nesokunikeza isikhoselo ezimweni eziphuthumayo. Lokhu kwakwenzelwa ukubhekelela abagilwe yizinhlekelele nabakhishwe ezindaweni abahlala kuzo.

Ngohlelo lwe-IRDP, kwethulwa izindawo zabantu abaxubile ngemiholo kanye nezinhlobo zezindlu ezixubile ezindaweni ezinjenge-Cosmo City, Olievenhoutbosch, N2 Gateway ne-Cornubia. Kuningi okudingeka kwenziwe ukuze le ntuthuko ihlanganise nalokho okwenzeka emadolobheni amakhulu.

Uhlelo oluhambisana nalokhu i-Social Housing Programme (SHP) lwaqaliswa ngo-2008, seluye lwaletha amayunithi amasha okuqashisa angu-45 623 emizini ehola imali encane nephakathi nendawo. Lolu hlelo lwalwenzelwa ukushukumisa lokho okwenziwa ngaphakathi edolobheni. Ngokuvamile, imboni yokuqashisa iyonke yayinezindlu eziyizigidi ezingu-4.2 eziqashisiwe ngo-2017.[236]

Kuze kube manje, imali elinganiselwa ezigidini zezigidi ezingu-R2.5 iye yatshalwa ekwakhiweni kwezindlu, okungenani u-30% wayo uye wavela ezinkampanini ezizimele. Naphezu kweqiniso lokuthi i-Social Housing ingase ikwazi ukuba nomthelela omkhulu ekuhlelweni kabusha nasoguqukweni lwendawo, imali eyinzalo emalini eyitshalile nalokho okubekwe eqhulwini akuzange kube ngezinga elilindelwe. Mayelana negeba lemakethe, angu-12 937 kuphela amayunithi akhiwa ngohlelo i-Finance-Linked Subsidy Programme phakathi kuka-1994 no-2018.[237] Ukuqaliswa kwe-SHP lwapheleliswa ukuhlanganiswa kwe-Housing Development Agency ngoMthetho wePhalamende ngo-2008 ne-SocialHousing Regulatory Authority.

IZINSELELE EZIQHUBEKAYO

Ezezindlu zabekwa kabusha njengesici esiyinhloko ekwakheni impahla yabampofu kanye nokubheka

235 Smit, W., 2006: International Trends and good practices in Housing: Some lessons for South Africa, Itholakala lapha: https://pdfs.semanticscholar.org/d48a/ 66ca745f7678d760bd9b1b560814b47b358b.pdf.

236 Statistics South Africa. 2018. Inhlolo-vo Evamile Yasemizini 2017.

237 UMnyango Wokuhlaliswa Kwabantu. 2019. Uhlaka Lokubuyekezwa Kweminyaka Engu-25.


TOYOTA
SFR003 GP

ukuthola indlu njengelungelo. Lokhu kwamelela uphawu olunamandla lwesivumelwano sezenhlalo. Ukhondolo lukhombisa ukuthatha isinyathelo kwemiphakathi ukuze ihlonze umhlaba osendaweni ekahle futhi uhlale kulowo mhlaba ngokungemthetho. Ngokuphambene, lo mhlaba okuhlalwa kuwo ngokuvamile uyahlangabezana nezimfuneko zokuhlanganiswa zendawo nezomnotho. Ngaphezu kwalokho, izindleko ezimba eqolo zomhlaba kanye nokungakwazi kukahulumeni ukubekela imakethe inselele ngokugcwele kuye kwasho ukuthi okuningi kwalokho okwenziwa uhulumeni kungaphandle kwamadolobha. Ngakho inselele eyinhloko eqhubekayo kuye kwaba ukungabi nabulungisa ngokwezindawo. Ukungahambisani ngokwezindawo, nokungaxhumani phakathi kwabantu, amakhono, imisebenzi notshalo-mali, kuyifa eliphikelelayo lobandlululo nezinqubo-mgomo zokuhlela ezingaguqukile, okuholela ekutheni zingasebenzi kahle ezokuthutha, abampofu bahambe amabanga amade futhi babe nezindleko ezimba eqolo.

"Umnotho ugxile ezindaweni ezithile kunokuba ugxile kubantu, okuholela ekutheni kube nabantu abaningi abangasebenzi kanye nobubha kubantu abahlala ngaphandle kwamadolobha, futhi okwenza babe nezindleko ezinkulu lapho behamba ("intela yobandlululo"). Loku kungahambisana kwezindawo kusebenza kokubili ezifundeni nasemadolobheni (phakathi kwezifunda eziyinhloko zamabhizinisi nezikhungo zezimboni kanye namalokishi amakhulu). Amandla omnotho okuhlanganiswa ndawonye kwezinto nokungenzi lutho kwezinkampani kuvame ukuveza kabusha le ndlela njengoba impumelelo Ibiza impumelelo futhi amandla asesunguliwe akhanda izinto ezengeziwe okuphinde kutshalwe imali ngazo endaweni." [238]

Ngokwendawo, akungakanani osekufinyelelwe ekuqinisekiseni ukufakwa ngokwezenhlalo nangokwezomnotho. Ukubambezeleka enqubweni yokuguqulwa komhlaba nakho kuye kwaba nomthelela omubi ekufezweni kwezindawo zokuhlala ezihlangene noguquko kwezendawo. Isimo sezindawo njengamanje sibonisa umnotho wendawo ongalingani ngezinga eliphezulu. Lokhu kuye kwenza izindawo zokuhlala abantu zingasebenzi kahle kwabangela nokushiywa ngaphandle kwezindawo ezithile okuqhubekayo. Ukungahambisana kwezindawo kuyabonakala kubo bonke omasipala bamadolobha ngamazinga ahlukene.

Iqoqo lemisebenzi lezokuhlaliswa kwabantu linezakhi eziyinhloko njengomhlaba, abasebenzi, impahla, ingqalasizinda nemali. Iqoqo lemisebenzi, ngokuphawulekayo indaba yomhlaba, kudingeka lisetshenziswe ngempumelelo kakhudlwana ukuze liqalise uguquku kule mboni, ukuze ikwazi ukwenza okuthile ngokungalingani kwezindawo, ububha nokungabi bikho kwemisebenzi.

Ukuphishekela ukulolonga indawo enobulungisa, ephumelelayo, nehlanganisa konke kanye nokuqeda ukungahambisani kwemisebenzi/kwezindlu, kunesidingo sokuba kuhlanganiswe kangcono izinhlaka ezintathu zikahulumeni ukuze ngombono wokudlulisela imisebenzi yezezindlu nezokuthutha emagunyeni amadolobha namadolobha amakhulu lapho kukhona khona amandla, esikhathini eside.

Njengoba lungekho uhlelo lwezindawo oluphoqayo, oluningilizayo nokucatshangwe kahle lwezwe, ukuvunyelaniswa kweZinhlelo Zentuthuko Ezihlangene (ama-IDP) ezihlukahlukene kubalulekile. Ukuvunyelaniswa okunjalo kuyovula futhi kusophe amathuba omnotho emalokishini nasezindaweni zasemakhaya, kuyilapho kwenza lula ukubambisana komasipala bezindawo ezihlukene nokugxila ezintweni abazenza kahle. Inqubo enjalo kudingeka iholwe nguhulumeni, ongase athuthe izikhungo zezinsizakalo namahhovisi kuye eminothweni yasezindaweni zasemakhaya nasemalokishini. Izinhlelo ezinjalo kufanele zihambisane nokusekelwa kwamabhizinisi endawo kanye nezihlelo ezifanele nengqalasizinda, futhi emalokishini okungase kuholele 'ekunakekelweni kwezidingo zomphakathi'noma kuvuleke amathuba.

Ngokombono wezindlu kuphela futhi ukuze kutholakale ukuthi yiziphi kulezi zinselele ezibaluleke kakhulu ukuba zinakwe, kuboniswe inselele emfanekisweni 8.4, oveza izimfanelo ezimbili eziyinhloko zoBungako benselele, njengoba zikalwa yigebe phakathi kwesimo samanje nesimo esifiselekayo; kanye noKubaluleka kwenselele, njengoba kukalwa ubungako bomthelela wesinqumo



238 Human Sciences Research Council. 2017. Report to the High Level Panel on the assessment of key legislation and the acceleration of fundamental change. Itholakala lapha: https://www.parliament.gov.za/storage/app/media/ Pages/2017/october/High_Level_Panel/Commissioned_reports_for_triple_challenges_of_poverty_unemployment_and_inequality/Diagnostic_Report_on_Spatial_Inequality.pdf



Umdwebo 8.4: Inselele – Ukuhlaziya.
Umthombo: DPME, 2019.

senselele lapho kwenziwa lokho okudingwa umyalo wemboni yokuhlaliswa kwabantu.

Sekukonke, iNingizimu Afrika ibona ukwehla kwezindlu ezakhiwayo kanye nokwenyuka kwezindleko, okuphakamisa imibuzo mayelana nokuphumelela kokulawula kanye nezindleko ezikhuphukayo zomhlaba nezinto zokwakha njengoba kwembulwe ukubuyekezwa kwemali esetshenziswe kuMgcini-mafa kaZwelonke.

Izindlela zezinkontileka nokuthenga izinto ezisetshenziswa ukuze kubhekanwe nezindlu ezisalele emuva, ngezinye izikhathi ziye zatholakala zihamba ngonyawo lonwabu, futhi zakha izindlu ezingabazisayo, konke okuqhutshwa yimakethe yoxhaso lwezindlu.

Ukwehluleka ukusebenzisa isistimu yokuhlela ngempumelelo kuye kwasho ukuthi ukuhlanganiswa komhlaba kuyaqhubeka nokuzuzisa ukwakhiwa okwenzeka ezindaweni ezibizayo, okuxubanisa ukunqwabelana kwabantu emadolobheni amancane namakhulu. Njengoba isilinganiso sokukhula kwesibalo sabahlali basemijondolo ngosuku singu-98 kusukela ngo-1996 kuya ku-2017,[239] kubalulekile ukuxazulula inking yezindlu ebhekene namadolobha amaningi ikakhulukazi njengoba kunenani elikhulayo labantu abakhishwa ezindlini, imibhikisho, kanye nokuqhubeka kwabantu bezithathela umhlaba ngokungemthetho.

Imakethe yezomhlaba yaseNingizimu Afrika iye yaphumelela ukukhiphela ngaphandle izakhamuzi eziningi ezimpofu kakhulu kuleli zwe, ngenxa yokumba eqolo komhlaba nezindlu kanye nokungakwazi kwabantu abaningi abampofu ukuthola imali ebolekisayo abazokwazi ukuyikhokha. Ngenxa yalokho, abantu abaningi baye bagcina sebehlala emijondolweni. Ukungabi bikho kokuhlela kahle komasipala kuye kwaholela ekutheni kube nenqubekela-phambili ehamba kancane mayelana nezinhlelo zokuthuthukiswa kwemijondolo, kwashiya abampofu bevaleleke ngaphansi kwezimo zobubha. Ngokwe-CRA, kwakusekhona imijondolo engu-1 185 ngo-2018.

Naphezu kwemizamo efinyelela kude eminyakeni engu-25 edlule yokubhekelela indaba yezindlu, iqiniso liwukuthi imizi eyizigidi ezingu-1.89 isadinga izindlu ezikahle.[240] Ukwanda kwenani lezindlu ezisalele emuva kubangelwa ukuncipha kusayizi womuzi, okuholela ekwandeni kokwakheka komuzi, futhi njengoba emadolobheni inani landa ngokushesha ikakhulu e-Gauteng lapho inani labantu landa ngo-25.5% ngo-2018.[241]

SIntuthuko ehamba kancane ekunikezweni kwezindlu zokuhlala ibangelwa ukuba manqikanqika ukutshala imali



ezindlini zokuqashisa ngenxa yokuthi kuye kwenzeke abantu bangayikhokhi imali yokuqasha kanti ziphezulu izindleko zokugcina izindlu zisesimweni esifanele. Lokhu kukhombisa nokungabambisani kahle ekutheni kufezwe umbono owodwa, ngoba ukuba khona kokuhlelwa kwendawo okwanele nokuhlaliswa kwabantu kudinga ukubambisana kwezenhlalo nakwezomnotho notshalo-mali oluvela kuzo zonke izinhlaka zikahulumeni, imboni ezimele nabanye abangekho kuhulumeni. Ukuze kulunge lokhu, kudingeka ukuzibophezela komphakathi ukubambisana nohulumeni okufanele kuhlanganise ukusetshenziswa kwezinto zemvelo nomhlaba. Lokhu kungaxazulula lokho okungase kubonakale njengokuba nesasasa okungqubuzanayo ngaphandle kwendlela yokubuyisana ukuze kubekwe eqhulwini ukusetshenziswa komhlaba nezinto zemvelo ukuze kufinyelelwe umnotho osimeme nentuthuko emphakathini. Ngokwesibonelo, izindawo eziningi eziyimithombo yamanzi ezibalulekile ezwe zitholakala endaweni efanayo okutholakala kuyo amaminerali, kodwa ukumba kulezo zindawo kubeka engcuphekeni ukuvikeleka kwamanzi isikhathi eside ezweni.

Indaba Yoguquko Kwezendawo idinga ukuzinikela kuzo zonke izinhlaka zokubusa, ukuze kuqinisekiswe ukubusa indawo, ubufakazi bokwenza izinqumo, nesinyathelo esi-wujuqu, nesiqhubekayo ezintweni eziseqhulwini. Ukuhlela indawo nomsebenzi wokulawula ukusetshenziswa komhlaba awunikeziwe imali eyanele futhi akunazo izinto ezanele, ikakhulukazi komasipala abancane. Ochwepheshe bezokuhlela kanye nabanye abanendima endaweni eyakhiwayo kuhulumeni nangaphandle kukahulumeni badinga ukuqeqeshwa nokuthuthukiswa kwamakhono.

239 CRA, 2019
240 CRA, 2019
241 Ibid

IZIPHAKAMISO

INingizimu Afrika idinga uhlelo lokuthuthukiswa kwendawo oluzokwenziwa kahle olwandisa amathuba nezinto ezinhle emalokishini nasezindaweni zasemakhaya ezazinganakiwe ngaphambilini, kuyilapho luvikela intuthuko esimeme ekubhekaneni nendaba yokuntuleka kwemisebenzi, ububha nokungalingani, lube futhi lubhekana nokukhishelwa ngaphandle kwabathile.Ukuze kwenzeke lokhu;

- Lapho kwenziwa futhi kuqaliswa uhlelo lwendawo oluphoqayo nolubanzi, futhi kubhekelelwa umphakathi nokungahambisana kwamathuba, into eseqhulwini kumelwe kube ukuyisa amathuba omnotho ezindaweni okuhlala kakhulu kuzo abantu abampofu, kuhlanganise amalokishi nezindawo zasemakhaya. Kulokhu, uhulumeni njengomnikazi wendawo, umqashisi, nomshayeli wohlelo, angase acabangele ukuthutha izindawo zakhe zokusebenzela aziyise lapho.
- Ekuthuthukiseni ukubambisana nasekutholeni izindlela zokubumbana phakathi kwezinhlaka zikahulumeni, izinkampani ezizimele nomphakathi, uHlaka Lokuthuthukiswa Kwendawo Lukazwelonke kumelwe lwenziwe ipulani eningilizayo, lufakwe ezinhlangaweni futhi lunikezwe amandla, ukuze kuqinisekiswe ukuthi bonke ababambiqhaza abafanele bafaka isandla ekuhlelweni kwendawo nasezinhlakeni zokuhlaliswa kwabanatu. Akukho ukuhlaliswa kwabantu okusha okufanele kwenzeke ngaphandle kokuba kuyingxenye yokuhlelwa kwendawo okuhlangene.
- Ukusebenzisa ngokunenzuzo izinkampani ezizimele ukuze kuqinisekiswe ukuthi zizuzisa ukuthuthukiswa kokuhlaliswa kwabantu kanye nezindlu zabahola amaholo axubile.
- Ukubuyekezwa kohlelo loxhaso lwezindlu kanye nokudiliva kwalo nezindlela zokuthenga izinto ukuba kuqinisekiswe ukubamba iqhaza okukhulu nokulethwa kwezinto okuphumelelayo okwakha umnotho wendawo futhi kwenze ubumbano emphakathini.
- Kwethulwe izinhlobo zezindlu ezihlukene ezinhlelweni zethu zokuhlaliswa kwabantu.

Imakethe yomhlaba yaseNingizimu Afrika iye yaphumelela ukuzikhiphela ngaphandle izakhamuzi zezwe ezimpofu kakhulu, ngenxa yezindleko ezimba eqolo zomhlaba nezindlu kanye nokungakwazi kwabantu abaningi abampofu ukuthola imali-mboleko abazokwazi ukuyikhokha.

ISAHLUKO 9

Ukuguqulwa Komhlaba Nokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya



I-RDP yaphawula ukuthi umhlaba uyisidingo esiyinhloko kubantu basemakhaya, futhi uhlelo lokuguqulwa komhlaba lukazwelonke kumelwe luqhubekisele phambili intuthuko yasezindaweni zasemakhaya ngokulungisa ukungabi nabulungisa kwangesikhathi esedlule, ukuqinisekisa ukuvikeleka kwezimo zendawo yokuhlala, ukunikeza izinsizakalo zokusekela, ukwakha imisebenzi nokwandisa imali engenayo. I-RDP kanye nezinqubo-mgomo zikahulumeni ezilandelayo ziye zagcizelela, ukuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya njengenqubo ebalulekile kanye nomgomo oya ekwenzeni ngcono izinga lokuphila nenhlala-kahle yezomnotho kubantu, ikakhulukazi labo abahlala ezindaweni zasemakhaya.

Naphezu kokuba izindawo zasemakhaya zaseNingizimu Afrika zicezile futhi imizi igqagqene, umnotho wezindawo zasemakhaya unethuba elikhulu lokwakha imisebenzi ekahle nekhiqizayo. Umnotho wezindawo zasemakhaya ungaba naneqhaza entuthukweni esimeme futhi uthuthukise ukukhula komnotho kuyilapho unciphisa ukuthutheleka kwabantu emadolobheni besuka emakhaya. Ukugqugquzelwa kwemisebenzi ekahle emnothweni wasemakhaya kuyisihluthulelo sokuqeda ububha nokuqinisekisa ukuthi izidingo zokudla okunomsoco zomphakathi okhulayo ziyafezwa. Lokhu kuqashelwa ku- Agenda 2063: I-Afrika Esiyifunayo kanye Ne-Agenda Ka-2030 Yentuthuko Esimeme, kokubili okuqokomisa ukubaluleka kokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya kanye nezolimo ikakhulukazi nokuvikeleka kokudla.

UKUGUQULWA KOMHLABA

Ukuxhumana nomhlaba kuyisici esibalulekile ekwakhiweni kophawu lwezenhlalo e-Afrika, nokuhlelwa kwempilo yomoya namasiko. Umhlaba, ngezizathu eziningi, uyimpahla enenani elikhulu – umthombo kanye nento ebalula ingcebo, into yemvelo ebalulekile eyenza kwenzeke ukuba kukhiqizwe futhi kwandiswe ukukhula komnotho. Ngakho-ke i-Freedom Charter iqinisa ukuthi "*umhlaba uyohlanganyelwa phakathi kwalabo abawusebenzayo*" nokuthi "*imingcele ebekikwe ebunikazini bomhlaba ngesisekelo sohlanga iyoqedwa, futhi wonke umhlaba uyohlukaniselwa labo abawusebenzayo ukuze kuqedwe indlala nephango*".

Ngakho-ke, ukuguqulwa komhlaba 'kuyizinto eziningi' eNingizimu Afrika ebuswa ngentando yabantu. Kuwumelaphi wamanxeba angesikhathi esidlule, ibhuloho elibalulekile ekungalinganini komphakathi okunzima namagebe obulili, kanye nempahla edingekayo ezintweni eziningi okufanele zenziwe ezihlose ukuqeda ububha ezindaweni zasemakhaya. Kuletha ithemba. Kulo mongo, ukuguqulwa komhlaba bekulokhu kuwumgomo oseqhulwini womzabalazo wenkululeko kanye nohulumeni wentando yabantu. Izwe lazibophezela ekuguqulweni komhlaba ukuze kulungiswe ukungabi nabulungisa kwangesikhathi esedlule, nokuthi kube khona uguquko kwezomhlaba wokulima. Kodwa-ke, inqubekela-phambili ekuguqulweni komhlaba iye yahamba ngonyawo lonwabu, yenza kudingeke ukuhlolwa kukazwelonke okwakuholwa iPhalamende ngo-2017, lokho okwatholakala lapho okwabizela ukuthi, phakathi kokunye, kube noguquko oluyinhloko kwinqubo-mgomo ukuze kusheshwe.

Imihlahlandlela ye-AU[242] Ekuguqulweni Komhlaba ichaza ukuguqulwa komhlaba njengengqubo ebandakanya ukuhlelwa kabusha okubanzi noma ukuklanywa kabusha kohlelo lomhlaba ikakhulukazi njengoba luhlobene nesimo sobunikazi bomhlaba; ukusetshenziswa nokukhiqiza; nezinsizakalo zokusekela. Ukubuyiselwa komhlaba kubanikazi, isimo somhlaba, ukuguqulwa nokwabiwa kuyizakhi zenqubo-mgomo eziyinhloko ezasetshenziswa ekuqedweni kobubha mayelana nempahla kusukela ngo-1994.

UKUTHUTHUKISWA KWEZINDAWO ZASEMAKHAYA

Kusukela kwaqala ukubusa ngentando yabantu, ukuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya kuye kwaba Phakathi kwezinto ezinhlanu eziseqhulwini kuhulumeni. Umnotho wasezindaweni zasemakhaya ungaba negalelo elikhulu ekunciphiseni ukungalingani, ukungasebenzi nobubha, ngaleyo ndlela ube neqhaza entuthukweni esimeme nasekukhuleni komnotho. Kodwa-ke, umlando ohlukile wendawo yasemakhaya yaseNingizimu Afrika ubeka imingcele enqala kulokho okungase kwenziwe ezindaweni zasemakhaya. Indawo ekhona ezindaweni zasemakhaya "*yalolongwa ngamakoloni nobandlululo, futhi isenalelo lifa lokuhlukana kabili – ngezinye izikhathi kunzima ukuba nombono wendawo yasemakhaya eyodwa kuleli zwe ngenxa yomehluko omkhulu phakathi kwezindawo ezilimela ukuthengisa nezindawo 'zomphakathi.'*"[243] Ukuguqulwa

242 Iziqondiso nohlaka lwe-AU (2010) emthethweni wendawo emithethweni yendawo e-afrika e-afrika: uhlaka lokuqinisa amalungelo endawo, ukuthuthukisa umkhiqizo nokulondoloza okokuziphilisa. I-Auc-eca-afdb consortium (2010).

243 Tregurtha. N, Vink. N no-Kirsten. J, 2010: Ukuhlola Umsebenzi KaMengameli Weminyaka Engu-15: Ukuhlola Imithetho Yezolimo Namathuluzi Okusekela eNingizimu Afrika, 1994-2009..

Umdwebo 9.1: Amanani okuhlukaniswa kwezindawo - Amahektha (1994-March 2018).
Umthombo: Umbiko Wokuhlola Kweminyaka engu-25 We-DRDLR – Owokugcina 2019, ohlanganiswa minyaka yonke nemibiko ye-POA.

ISIFUNDA	AMAPULAZI	AMAHEKITHA ATHOLIWE FUTHI ABELWA ABAINIKAZI						
		UKUHLALA ABANTU/ UKUPHEPHA KWAYO		UMASIPALA	EXOLIMO		INANI LAMAHEKITHA ATHOLIWE	ISIZINDA SERANDI – INTENGO
		SLAG	SPLAG	CMOG	LRAD	PLAS		
EC	883	44 179	1 021	57 319	193 069	255 777	552 336	2 214 586 248
FS	896	44 544	0	32 344	126 864	217 391	422 039	1 921 182 703
GP	412	4 586	293	1 756	7 262	47 194	61 603	826 493 327
KZN	938	145 373	60 916	1 637	187 772	184 557	581 193	3 376 142 236
LP	416	33 797	0	0	45 327	102 680	182 220	1 591 247 007
MP	632	113 984	0	5 389	91 620	255 220	466 845	2 692 939 995
NC	383	57 203	0	730 846	120 656	635 417	1 544 505	1 484 080 466
NW	547	24 477	800	17 946	164 861	297 572	506 203	2 242 977 023
WC	329	251 306	8	3 105	230 119	69 619	554 486	1 330 747 801
TOTALS	5 436	719 449	63 038	850 429	1 167 551	2 065 427	4 871 330	17 680 396 806

PSSC	UKWABIWA NGOKWAMAQEMBU AHLOMULAYO							
	Abesifazane	Iminde	Abaqashi Abangabase benzi	Abahlala Emapulazini	Omakad ebona Bezamas osha	Abafundele Ezolimo	Youth	Abakhubazekile
EC	3 871	1 509	15	1 470	4	-	2 529	29
FS	2 318	2 222	-	990	-	-	1 036	1
GP	1 052	6 004	13	959	1	-	465	2
KZN	22 026	42 961	5 138	51 868	1	28	14 543	133
LP	1 487	6 114	195	284	51	8	872	37
MP	5 379	18 182	5 501	14 342	288	-	2 543	21
NC	1 182	6 160	75	114	1	1	711	35
NW	22 838	37 038	-	4 170	3	35	3 559	385
WC	10 732	9 641	-	11 577	2	-	9 357	132
TOTALS	70 885	129 831	10 937	85 774	351	72	35 615	775

> "Ukuguqulwa komhlaba kuyisimo esidingekayo kodwa esinganele ekuthuthukeni kukazwelonke... Ngoba ukuguqulwa komhlaba kuyisici esiyinhloko sombuzo omayelana nezolimo, kanti umbuzo omayelana nezolimo uyisici esiyinhloko sombuzo kazwelonke..."

kwezindawo zasemakhaya kwakha ingxenye yemigomo yokuguqulwa komhlaba konkana nemikhankaso eyakha ukuxhumana noguquko olushelelayo Phakathi kwezindawo zasemadolobheni nezasemakhaya.

Ngaphambi kuka-1994, uhulumeni wobandlululo wasebenzisa izintela nokuhlela izindawo ukuze ache inqwaba yabantu abazofukuzela uzukwa kanye nokuthuthukiswa kwengqalasizinda okutshekile. Nakuba izigidi zabantu baseNingizimu Afrika ngaphansi kobandlululo zazintula izinto eziyisisekelo, izimo zazizimbi nakakhulu ezindaweni zasemakhaya, phakathi kwazo bangaphansi kukahhafu ababekwazi ukuthola amanzi aphephile futhi umuntu oyedwa kwabayisikhombisa owayekwazi ukufinyelela endaweni yokukhuculula indle ephephile. Ngokwe-RDP, kubantu abayizigidi ezingu-41.22, u-36% kuphela womphakathi, kuhlanganise no-12% kuphela wabantu abasezindaweni zasemakhaya ababekwazi ukuthola ugesi. I-Agenda Ye-UN Ka-2030 ebheke Intuthuko Esimeme ibheka ukuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya njengokubalulekile empumelelweni kwezomnotho, kwezenhlalo nakwezemvelo zezizwe.

I-NDP: Umbono ka-2030 uthi ukufezekisa umbono wawo '*Womnotho Wasezindaweni Zasemakhayaa Ohlangene Nohlanganisa Bonke*' kudinga '*ukudlalwa kwezindima ezinzulu nokuthatha kwesinyathelo*' futhi ukuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya kudinga ubudlelwano obunengqondo phakathi kukahulumeni nezakhamizi ezibamba iqhaza.

Ukugqugquzelwa komsebenzi okahle emnothweni wezindawo zasemakhaya kuyisihluthulelo sokuqeda ububha nokuqinisekisa ukuthi izidingo zokudla okunomsoco zenani labantu elikhulayo ziyafezwa. Lokhu kuqashelwa ku-Agenda Ka-2030 Yentuthuko Esimeme, eqaphela ngokwengeziwe ukuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya nezolimo, kugxilwe kakhulu ekuvikelekeni kokudla[244].

INQUBEKELA-PHAMBILI EMINYAKENI ENGU-25

Ukuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya nokukhishelwa ngaphandle komhlaba othile kwakha ingxenye yalawo mathuluzi asetshenziswa abenzi bamakoloni nombuso wobandlululo ukuze uqhubekisa ukungalingani, ububha nokuthi abantu abamnyanga bahlale bencike kwabanye.

Kodwa-ke, ngeshwa ukuguqulwa komhlaba kuvame ukuhlukaniswa ezindabeni ezihlobene nokuguqulwa komhlaba wezolimo, ezezimboni, ipolitiki nokuthuthukiswa komnotho okubanzi kanti lezi zihlangene ngokugxilile njengoba "*ukuguqulwa komhlaba kudingeka kodwa kungesona isimo esanele sokuba kuthuthukiswe isizwe...Ngoba ukuguqulwa komhlaba kuyisici esiyinhloko sombuzo wezolimo, kanti umbuzo wezolimo uyisici esiyinhloko semibuzo kazwelonke...*"[245]

Ekuthuthukiseni umbono ofanayo nokucabangela umlando waseNingizimu Afrika ohlukene nobuhlungu ohlanganisa ukwenziwa kwamakoloni, ukubusa kobandlululo, ukubandlululwa ngokobuhlanga, ngokobulili nezinqubo-mgomo ezicindezela abasebenzi, i-*White Paper on RDP* of 1994, yathola ukuthi kwakubantu abangaphezu kwezigidi ezingu-12 ababengenawo amanzi okuphuza ahlanzekile nabantu abayizigidi ezingu-21 ababengenaso isimiso sokukhucululwa kwendle esanele. Yaphawula bangaphansi kukahhafu womphakathi wezindawo zasemakhaya abantu ababekwazi ukuthola amanzi aphephile nokuthi umuntu oyedwa kuphela kwabayisikhombisa owayekwazi ukuthola isimiso sokukhucululwa kwendle esifanele.

244 Ilo, April 2019): Ukuthuthukisa Ubulungisa Kwezenhlalo, Ukukhuthaza Umsebenzi Ohloniphekile Copyright © 1996-2018.

245 Prof. Sam Moyo, Ukushintshwa Kwendawo, Ukulima Okusezingeni Elincane Nokususa Ubumpofu: Esikufuna E-Afrika, Ngamafuphi Emthethweni We-AI-SA No. 21, June 2010.

Ngakho-ke i-White Paper yabophezela uhulumeni ekwakheni *"inqubo-mgomo yasezindaweni zasemakhaya ehlangene nesimeme yokuxoxisana nabantu basemakhaya, izinhlangano zabo nababambiqhaza ... ukuze kwandiswe ukufinyelela ezinsizakalweni nokusekela abakhiqizi bezolimi abancane ngokuqinisekisa ukukwazi ukuthola umhlaba, izimakethe ezifanele, izindawo zemali-mboleko, ukuqeqeshwa nokusekwelwa".*[246]

Ukuze kufezwe lokhu, iSigaba 25 soMthetho-sisekelo, kwindima yempahla, sisungula uhlaka lokuqaliswa kokuguqulwa komhlaba, uhlaka oluhlanganisa ukuthathwa komhlaba, isinxephezelo, isimo sendawo kanye nesisekelo sokuqaliswa komthetho. Ukuze yenze kusebenze ukuguqulwa komhlaba nokubuyiselwa kwawo kubanikazi, uMthetho Wokubuyiselwa Kwamalungelo Omhlaba Kubanikazi kanye noMthetho Wokuguqulwa Komhlaba (aBaqashi Abangabasebenzi) yamenyezelwa ngo-1994 nango-1996 ngokulandelana. UMthetho Wokubuyiselwa Kwamalungelo Omhlaba Kubanikazi, No. 22 ka-1994 wenza ilungiselelo lokubuyiselwa kwamalungelo omhlaba kubantu noma emiphakathini eyaphucwa lawo malungelo ngemva kuka-19 Juni 1913 ngenxa yemithetho noma indlela yokwenza yangaphambilini ecwasa ngokomhlanga.

Ukuze kuqhutshwe lo msebenzi, uMthetho wasungula iKhomishana Yokubuyiselwa Kwamalungelo Omhlaba Kubanikazi kanye neNkantolo Yezicelo Zokubuyiselwa Umhlaba. UNgqongqoshe obhekelele ukuguqulwa komhlaba ugunyazwe ukuba athenge umhlaba, awuthole nganoma iyiphi enye indlela noma aphuce abathile umhlaba noma amalungelo omhlaba ngenjongo yemiklomelo yokubuyiselwa komhlaba kubanikazi bawo. UMthetho Wokuguqulwa Komhlaba (Abaqashi Abangabasebenzi), (uMthetho 3 ka-1996) wenza ilungiselelo lokuvikelwa kwesimo sendawo sabaqashi abangabasebenzi kanye nalabo bantu abahlala kulowo mhlaba noma abawusebenzisayo ngenxa yokuhlobana kwakho nabaqashi abangabasebenzi. Uphinda wenze nelungiselelo lokuthola umhlaba namalungelo emhlabeni kwabaqashi abangabasebenzi.

Le mithetho ipheleliswa uMthetho Womhlaba Womphakathi (uMthetho 11 ka-2004), uMthetho Wokunwetshwa Kokuvikeleka Kwesimo Sendawo 62, (uMthetho 62 ka-1997 kanye nesichibiyelo sawo; kanye noMthetho Wamalungelo Omhlaba Womphakathi (ClarA) yonke efuna ukunikeza ukulungiswa kwesimo kubantu "*abasimo sendawo yabo asivikelekile ngokomthetho ngenxa yemithetho noma indlela yokwenza yangaphambilini eyayibandlulula ngokohlanga*," njengoba kushiwo eSigabeni 25(6) soMthetho-sisekelo WeRiphabhliki YaseNingizimu Afrika ka-1996.

Ukuze kusekelwe lezi kanye nemigomo ebanzi yokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya neyokuguqulwa komhlaba, kwenziwa izinhlelo eziningana futhi zaqaliswa, kuhlanganise ne-Integrated Sustainable Rural Development Programme (ISRDP), i-Settlement and Land Acquisition Grant (SLAG); i-Land Redistribution for Agricultural Development (LRAD); i-Proactive Land Acquisition Strategy (PLAS); ne-Comprehensive Rural Development Programme, (2009). Izinhlelo zemali-mboleko, ukwakha izinhlangano nokuthuthukisa amandla kanye nemikhankaso ehlanganisa i-Agrarian Transformation Strategy of 2012; Rural Development Policy Framework of 2013; Intergovernmental Relations and Stakeholder Management Strategy; Rural Enterprise and Industry Development Programme; NARYSEC; Comprehensive Agriculture Support Programme (2004); Micro-Agricultural Finance Scheme of South Africa (2005); Ilima/letsema; Recapitalisation and Development Programme, (2010); Agricultural Policy Action Plan; Agri-parks Programme, and the Animal and Veld Management Programme.

Ukuze kupheleliswe lezi, kwangenwa ezivumelwaneni eziningana ezibandakanya amanye amazwe namazwekazi futhi kweziwa nezibopho ezithile, kuhlanganise ne-Comprehensive African Agricultural Development Programme (CAADP) nge-2003 Maputo and Malabo Declarations on Agriculture and Food Security in Africa. I-Maputo Declaration on CAADP imelela uhlaka oluhlangene olubanzi lwezinto eziseqhulwini ekuthuthukisweni kwezolimo e-Afrika ezingeni lezwe, olufakwe esidlekeni sezindawo eziyisishiyagalombili zengqikithi.

Ngokuvumelana ne-CAADP, izinga leNingizimu Afrika yonkana lalingu-4.1 ngo-2017, ngokwe-Malabo Declaration timeline. Izinga lonkana eliphansi lika-3.94 ku-10 liyadingeka ukuba ukuba ibe sendleleni yokuqalisa ukuzibophezela kwe-



UTHI BEWAZI

USAYIZI WOMHLABA

Usayizi womhlaba waseNingizimu Afrika ungamakhilomitha-skwele ayizigidi ezingu-1.2 no-3000km wogu. Siyizwe elingunombolo 25 ngobukhulu emhlabeni kanti singunombolo 9 e-Afrika.

246 Iphepha Elimhlophe Kwezokwakha Nasentuthukweni, sec 7.7.2. 1994.



Malabo Declaration ngo-2025, okusho ukuthi iNingizimu Afrika isebenze ngendlela esezingeni eliphakathi nendawo. Loku kuzibophezela kupheleliswa yimigomo yamazwe ngamazwe njengaleyo ekuma-SDG, kuhlanganise ne-SDG2 ekufinyeleleni ukuvikeleka kokudla, ukuthuthukisa ukudla okunomsoco nokugqugquzela ezolimo ezisimeme.

Ekuqaleni, ngokuvumelana nokuqaliswa kwe-RDP, izinsizakalo zezolimo ezinwetshiwe zayiswa cishe kuzo zonke izifundazwe, kwaqalisa izinhlelo ezihlangene zokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya ezisimeme, futhi ukusekelwa kokubuyiselwa komhlaba kubanikazi bawo kwanikezwa emiphakathini eminingana. Njengoba kubonisiwe **emfanekisweni 9.2** kusukela ngo-1994/95 kuya ku-2017/2018, engqikithini yomhlaba wokulima ongamahektha ayizigidi ezingu-82 eNingizimu Afrika, owawusezandleni zabelungu, ongamahektha ayizigidi ezingu-4.8 watholwa nguhulumeni ngaphansi kohlelo Lokwabiwa Kabusha Komhlaba futhi omunye oyizigidi ezingu-3.5 watholwa ngaphansi kohlelo loKubuyiselwa Komhlaba Kubanikazi Bawo. Lokhu kusho ukuthi eminyakeni engu-25 edlule, ingqikithi yomhlaba ongamahektha ayizigidi ezingu-8.3 noma u-10.2% womhlaba wokulima okhona, uye wadluliselwa kulabo okufanele bawuthole.[247] Umhlaba ongamahektha ayizigidi ezingu-3.5 owatholwa ngaphansi kohlelo Lokubuyiselwa Komhlaba Kubanikazi Bawo wawuhlanganisa ukuphothulwa kwezicelo ezingu-62 475, ezibandakanya abantu abangu-300 000 ababencishwe amathuba ngaphambilini, kuhlanganise nabesifazane abangaba ngu-70 000, intsha engu-36 000 kanye nabantu abaphila nokukhubazeka ababalelwa ku-800.[248]

Engqikithini yomhlaba engamahektha ayizigidi ezingu-4.8, angaphezu kwezigidi ezintathu amahektha okwakungawezolimo ngokuyinhloko, ngezinqubo-mgomo ze-LRAD ne-PLAS; futhi amahektha angu-850 429 adluliselwa komasipala ngoxhaso lomhlaba womasipala. Amahektha angaphezu kwezigidi ezingu-2.8 manje akumatayitela emiphakathi noma abantu ngabanye, ingqikithi yezicelo zabaqashi abangabasebenzi ezingu-10 937 ziye zaphothulwa futhi abahlali basemapulazini abangu-85 774 baye baqinisekiswa ngokuvikeleka kwesimo somhlaba wabo.[249]

Umfanekiso 9.3 ubonisa ukuthi phakathi kuka-2002 no-2017, amaphesenti abantu ababechayeke endlaleni lancipha lisuka ku-29.3% laya ku-12.1%. Amaphesenti emizi echayeke endlaleni lancipha lisuka ku-24.2% laya ku-10.4% ngenkathi efanayo, kanti ngesikhathi esifanayo amaphesenti emizi enamathuba amancane okuthola ukudla lancipha lisuka ku-23.6% ngo-2010 laya ku-21.3% ngo-2017, kuyilapho inani labantu abanamathuba amancane kanjalo nalo lancipha lisuka ku-29.1% ngo-2010 laya ku-24.7% ngo-2017.[250]

Amaphesenti emizi yasemakhaya akwazi ukuthola imithombo yamanzi okuphuza ethuthukisiwe lanyuka lisuka ku-70.2% ngo-2002 laya ku-79.4% ngo-2015, ngendlela yokuthi cishe izingxenye ezine kwezinhlanu zemizi yasezindaweni zasemakhaya yayikwazi ukuthola imithombo yamanzi okuphuza ethuthukisiwe ngo-2015. Ingqikithi Ingqikithi yemizi engu-91.1% ezweni lonke yayikwazi ukuthola ugesi (ngomasipala noma ngeminye imithombo) ngo-2016.[251]

247 DRDLR. 2018. p.3. UMnyango Wokuthuthukiswa Kwasemaphandleni Nokuguqulwa Kwendawo. 2018. Imibiko Yaminyaka Yonke. k3.
248 UMnyango Wokuthuthukiswa Kwasemaphandleni Nokuguqulwa Kwendawo. 2019. Umnikelo Embikweni Wokuhlola Kweminyaka Engu-25.
249 *Ibid.*
250 Ama-Statistic AseNingizimu Afrika. 2017. Inhlolo-vo Yemindeni Evamile.
251 Statistics South Africa. 2016. Inhlolo-vo Yomphakathi.



Umdwebo 9.2: Kwatholakala amahektha Ngokubuyisela Nokubuyisela kabusha.
Umthombo: DRDLR. 2019. Umbiko Wokuhlola Kweminyaka engu-25.



	2002	2004	2006	2008	2010	2011	2012	2013	2014	2015	2016	2017
Ingozi yokulamba: Imindeni	24,2	18,5	11,7	13,2	13,0	11,6	11,1	11,2	11,3	11,2	11,7	10,4
Ingozi yokulamba: Abantu	29,3	23,1	14,5	16,0	16,1	13,4	13,2	13,5	13,2	13,2	13,7	12,1
Inkimbinkimbi yokungena kwezokudla: Imindeni					23,6	21,2	21,3	22,9	22,3	22,5	22,1	21,3
Inkimbinkimbi yokungena kwezokudla: Abantu					29,1	25,2	26,3	26,3	26,4	26,6	25,2	24,7

Umdwebo 9.3: Ingozi yokulamba nokungena kwezokudla, 2002 – 2017.
Umthombo: Stats SA GHS 2017, 2018.

Mayelana nokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya, ukuthuthukiswa komphakathi wasemakhaya kuhlanganisa ukunikezwa kwengqalasizinda efanele – into ehlomisa umnotho wezindawo zasemakhaya.

Imikhankaso kahulumeni yangemva kuka-1994 kulokhu yagxila ekunciphiseni izinto ezazisalele emuva kwingqalasizinda yezikole nezikhungo zezempilo, iqinisekisa ukuthi imizi nezikole ziyakwazi ukufinyelela i-ICT, futhi inikeza izinsizakalo eziyisisekelo kuhlanganise ukukhululwa kwendle okufanele, amanzi okuphuza ahlanzekile, ugesi nengqalasizinda yezokuthutha. Ngemva kokuqaliswa koHlelo Lokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya Olubanzi, ukuthola amanzi, ukukhululwa kwendle, nogesi ezindaweni zasemakhaya kuye kwathuthuka kakhulu. Nokho, "*imizi elinganiselwa ku-46.7% yayikwazi ukuthola amanzi ompompi ezindlini. Omunye u-27.5% wawukwazi ukuthola amanzi ompompi ebaleni kanti u-12.2% wawuthembele empompini womphakathi kanti u-2.1% wawuthembele empompini kamakhelwane. Nakuba ngokuvamile ukukwazi kwemizi ukuthola amanzi kwathuthuka, u-3.0% wemizi kwakusadingeka uyokha amanzi emfuleni, emseleni noma emadanyini amanzi amile nasemithonjeni ngo-2017.*" *Kodwa "lokhu ukuncipha kwamaphuzu angaphezu kwamaphesenti ayisithupha ukusuka emizini engu-9.5% okwakudingeka ithole amanzi kule mithombo ngo-2002.*"[252] Inani lemizi eyayikwazi ukuthola ukukhululwa kwendle okuthuthukisiwe lenyuka lisuka ku-61.7% ngo-2002 laya ku-82.2% ngo-2017.[253]

Nakuba izibalo ezimayelana nokufinyelela izinsizakalo eziyisisekelo zingahlukiswanga ngokwezindawo zasemadolobheni nokungezona ezasemadolobheni, ulwazi oluvela kwiNhlolo-vo Evamile Yemizi lukhombisa ukuthi

> Inani lemizi yasezindaweni zasemakhaya elikwazi ukuthola imithombo yamanzi okuphuza ethuthukisiwe lenyuka lisuka ku-70.2% ngo-2002 laya ku-79.4% ngo-2015

252 Statistics South Africa. 2018. Inhlolo-vo Yemindeni Evamile. k.36.
253 *Ibid.* k.41.

inani lemizi ekwazi ukuthola izinsizakalo eziyisisekelo, ezifundazweni, ezigcwele izindawo zasemakhaya, liye laphindeka kabili kusukela ngo-1994. Kwakukhona nezifundazwe ezinamazinga aphansi kakhulu okufinyelela ngo-1996, ngokolwazi olungahlukanisiwe.[254]

IZINSELELE EZIPHIKELELAYO

Indlela okusingathwa ngayo ukuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya manje iklanyelwe ukunikeza izinsizakalo, ngaphandle kokugxila ngokwanele ezingxenyeni zentuthuko ezithinta indawo, ukwakheka, ukuhlelwa komphakathi nobumbano. Umnotho wezindawo zasemakhaya usabonisa kakhulu umlando waseNingizimu Afrika ehlukaniswe phakathi kwamabhizinisi amakhulu ambalwa ezolimo, ikakhulu okungawabelungu, kanye nezingxenye zomhlaba ezincane eziningi okungezomphakathi ikakhulu zabansundu.

Kuze kube manje, imizamo kahulumeni yokuguqulwa komhlaba iye yahamba kancane futhi yaba engahlelekile kahle. Lapho izicelo zokubuyiselwa umhlaba (ezenziwa ngokuvumelana nokubuyiselwa komhlaba kubanikazi owawuthathwe ngoMthetho Womhlaba Wendabuko ka-1913 nokukhishwa ngempoqo ngaphansi kobandlululo) zivunywa khona, labo abathola umhlaba ngokuvamile abanawo amakhono nokusekelwa okudingekayo ukuze basebenze umhlaba ube yibhizinisi elisebenzayo neliphumelelayo. Ukukwazi ukuthola amanzi kubaluleke njengokukwazi ukuthola imali. Ngaphezu kwalokho, abalimi abancane abaningi abanaso isibambiso futhi kunzima ukuthi bathole imali-mboleko ebhange.

254 Statistics South Africa. 2016. Inhlolo-vo Evamile Yasemizini. p.36..

IZIPHAKAMISO

Umongo wamazwe ngamazwe ekuguqulweni komhlaba nokwabiwa kwawo emhlabeni wonke emazweni anjenge- Brazil, Philippines, Zimbabwe, Chiapas, Honduras, Guatemala, India, Bangladesh, Indonesia ne-East Timor, uveza isidingo sokugxila nokuhlela abampofu basezindaweni zasemakhaya nabangenamhlaba. Lokhu kudinga inqubo-mgomo eyanele nokuguqulwa kwezinhlangano. Ngak-ho-ke, iNingizimu Afrika idinga:

- **Ukuqaliswa kohlelo olubanzi lokuguzulwa komhlaba nomhlaba wezolimo kuhlanganise nengqalasizinda yasezindaweni zasemakhaya, ukwenziwa lula kwezenhlalo (nokuhlelwa), amakhono, izinto ezidingekayo, ezemfundo nezempilo kanye nanoma yikuphi ukuthuthukiswa kwezomnotho noma kwendawo, kuyilapho kubekwa ukuguqulwa komhlaba nokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya esizindeni sokuthuthukiswa kwezomnotho, ukuguqulwa komhlaba wezolimo nokuthuthukiswa kwengqalasizinda.**
- **Ukuhlelwa kabusha kwezinhlelo zokuguqulwa komhlaba ukuze zibhekelele ukuthuthukiswa kwengqalasizinda yasemakhaya nezinsizakalo ezifana nezasezindaweni zasemadolobheni, kany nokuthuthukiswa kweqoqo lemisebenzi libe yinto eyodwa ezonikeza iphakheji ephelele yemikhiqizo nezinsizakalo zokuguqulwa komhlaba (edolobheni nasezindaweni zasemakhaya, kwezolimo nokungezona ezolimo) ngaphambi nangemva kokuhlaliswa kuze kube yilapho imiphakathi noma abantu sebekwazi ngokuphelele ukumelana nezimo, okufanele kupheleliswe ukusheshiswa kokusebenza kwayo yomithathu imilenze yoHlelo lwe-Agri-parks okuyi-FPSU, ukufinyelela ezimakethe nama-Agrihubs anezikhungo zezimakethe ezisezindaweni zasemakhaya nezisemadolobheni.**
- **Ukusekela ukuthuthukiswa komnotho wasezindaweni zasemakhaya kanye namathuba okuthuthukiswa komnotho okuqondile kusetshenziswa intuthuko ye-agro-processing ne-agro-hub ukuze kuvezwe amathuba ezomnotho nokuhweba ezindaweni zasemakhaya, nokuthuthukiswa kwabanikazi bomhlaba omncane kusetshenziswa ingqalasizinda yezindawo zasemakhaya nezinye izinsikazalo nezinto.**
- **Ukulungisa kahle uKucutshungulwa Kom-hlaba ukuze kutholwe abanikazi bomhlaba kanye namandla omhlaba/lokho okungase kwenziwe ngawo mayenala nezinto ezi-hlukene zomnotho. Kuhlukaniswe ulwazi lomhlaba kahulumeni okuhlukene koku-guqulwa komhlaba lokutholakala kwamandla nokusetshenziswa.**

Ukungaqiniseki mayelana nomthelela wenqubo-mgomo yomhlaba wamanje nowangesikhathi esizayo ekuvikelekeni kokudla. Omunye umhlaba okhona awusetshenziswa ngendlela engcono kakhulu, noma usetshenziswa ngendlela engafanele. Abaholi bendabuko bayaqhubeka besebenzisa amandla angalingani kwezomhlaba nezimo zendawo, kwezinye izimo baqhoqhobale umhlaba ngokulawula kwabo izindawo zomphakathi; futhi ukulwa okukhona eZinhlanganweni Zempahla Yomphakathi kwenza isimo sibe nzima nakakhulu, futhi konke lokhu ekugcineni kuthinta kakhulu abesifazane okuyibona abakha ingxenye enkulu yomphakathi wezindawo zasemakhaya. Okunye futhi, nakuba i-RDP yabhekisela ngokufanele esidingweni sokuguqulwa komhlaba ukuze kugqugquzelwe ukuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya, ayishongo lutho mayelana "*nokusetshenziswa okufanele komhlaba wasemabholobheni*".

Kudingeka kusungulwe uhlelo oluhlangene, olugqugquzelwa umphakathi noluhleleke kahle lokuhlelwa kwendawo, ukulawula nokuthola imali yomhlaba, olunezinqubo ezicacile ukusekela nezinhlelo zokukhipha amalayisensi. Kwezinye izimo, ikakhuluka ezindaweni ezingaphandle kwamadolobha, umhlaba okungokahulumeni nama-SOE ungase ukhululwe noma wabelwe imiphakathi ngezinjongo zokuwuthuthukisa. Izinhlangano zezimali zokuthuthukisa (ama-DFI) njenge-Industrial Development Corporation ne-Land Bank kudingeka zinake kakhulu ukuthuthukiswa kwengqalasizinda yezindawo zasemakhaya nokuhlelwa komphakathi. Kudingeka kucatshangelwe kakhulu iqiniso lokuthi abalimi kanye namanye amabhizinisi ezindawo zasemakhaya, kanye nabanye abahlali basezindaweni zasemakhaya, ikakhulukazi abampofu, bachayeke kakhulu emitheleleni yokushintsha kwesimo sezulu ngezikhukhula nesomiso. Amanani ezinto eziyinhloko ehla enyuka kanye nomthelela wezinga lokushintshisana kwemali ezindlekweni zemishini, omanyolo nezokuthutha nakho kuyanezela ekungaqinisekini.

- **Ukuhlela kabusha izinhlelo zoKulawulwa Kokuguqulwa Komhlaba ukuze kuqinisekiswe ukulingana nokufinyelela izinto kusetshenziswa amalungelo endawo afanele ukuze kulungiswe ukungalingani futhi kugqugquzelwe ukuthuthukiswa komnotho.**
- **Ukusungula isikhwama semali yomhlaba ukuze kutholakale imali yokuguqulwa komhlaba, ukuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya nezinhlelo zezolimo enteleni yomhlaba.**
- **Ukuhlanganiswa kokuguqulwa komhlaba nokuguqulwa komhlaba wezolimo ngohlelo oluhlangene.**
- **Ukuhlela kabusha nokwenza isebenze imisebenzi yokulawula komhlaba (amatayitela, ukuhlolwa komhlaba, ukuhlaziywa komhlaba, ukusetshenziswa komhlaba nokuthuthukiswa komhlaba) ngaphansi kwenhlangano eyodwa, ukuze kufinyelelwe impumelelo futhi kubhekelelwe izinqolobane zokusanhlamvu futhi izinsizakalo zazo zenziwe zitholakale kuhulumeni, ama-SOE, izinkampani ezizimele nomphakathi.**
- **Ukuthuthukisa uKuguqulwa Kwezomhlaba nokulawulwa Kokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya ukuze kuqinisekiswe ukuqaliswa okusebenzayo komthetho nezinhlelo zokubhekelela umhlaba ohlukahlukene nezimiso zokuthuthukiswa kwabalimi kuhlanganise nalabo abanomhlaba omncane. Lokhu kuyoholela ekuthuthukisweni kwabanikazi bomhlaba omncane nokuxhunyaniswa kwama-SMME namaqoqo emisebenzi nezimakethe zomhlaba.**
- **Ukwamukela indlela yeqoqo lemisebenzi nenzuzo/ukwenezela usizo ezintweni zasezindaweni zasemakhaya nokwenza ngcono ukukhiqiza, amakhono nokubeka eqhulwini ezobuchwepheshe, ukubambisana nokuzimisela ekusekeleni kwangaphambi nangemva kokuhlala ukuze kube nezindlela ezisimeme zokuguqulwa komhlaba nezindawo zasemakhaya..**
- **Ukuqinisekisa ukuthi i-4IR nezindlela zokudambisa ukushintsha kwesimo sezulu zakha ingxenye yokuguqulwa komhlaba nemigomo eyinhloko yokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya.**
- **Ukuqondisa ukwakhiwa kwamadamu awumthombo wamanzi engenziwe, ukuhlanzwa kwamadamu angcolile nokulungiswa kwengqalasizinda yamanzi ekhona; nokudlulisela amalungelo amanzi kubalimi ababencishwe amathuba ngaphambilini.**
- **Ukuhlola izindlela zokuthola imali ngokugxilisa kabusha indima yebhange elibhekelele ezomhlaba ekuguqulweni komhlaba, ukuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya, nokuthuthukiswa komhlaba wezolimo. Isistimu yokulawula komhlaba kufanele itholakale futhi ikwazi ukusetshenziswa kalula yiningi labantu abasemadolobheni nabasezindaweni zasemakhaya.**
- **Ukuchibiyela, ukwakha, nokubuyekeza imithetho, engase yenze abantu bakwazi ukuthola umhlaba ngendlela enobulungisa nelinganayo, ikakhulukazi abampofu basezindaweni zasemakhaya.**

ISAHLUKO 10

Ingqalasizinda



I- RDP White Paper (1994) iyaqaphela "ukuthi izidingo eziyisisekelo zabantu zisuka ekwakhiweni kwemisebenzi, ukuguqulwa komhlaba nomhlaba wezolimo ziye kwezezindlu, amanzi nokukhucululwa kwendle, ukuthola ugesi, ezokuthutha, ukudla okunomsoco, ukunakekelwa kwempilo, imvelo, ezenhlalakahle nokuvikeleka. [Nokuthi] ekwakheni ingqalasizinda yokuhlangabezana nalezi zidingo, i-RDP iyogqugquzela futhi isekele ukubamba iqhaza kwabantu ekwenzeni izinqubo eziyinhloko mayelana nokuthi amaphrojekthi kumelwe abe kuphi nokuthi kufanele alawulwe kanjani. Loku kuthuthukiswa kwezinga elikhulu kulindeleke ukuba kukhwezele umnotho ngokwanda kwesidingo sezinto zomkhiqizi nezomthengi nezinsizakalo."

Ngakho-ke i-RDP yaqala ukufuna ukulungisa izinto ezazingalungile esikhathini esedlule mayelana nengqalasizinda. Leli fa laliwumphumela wezezimboni ezibanzi nezazifike ngaphambilini eNingizimu Afrika, ezaziqhutshwa ukugeleza kotshalo-mali olukhulu ngasekupheleni kwekhulu leminyaka le-19 olwalufakwa emikhakheni yedayimane negolide. Lokho kwanda kwezimboni kwangaphambilini, yiko kakhulu okwabangela ukuthuthukiswa kwendawo okungalingani, ukuhlelwa okugxile endaweni eyodwa kwengqalasizinda yokuthutha eyinhloko (ujantshi, imigwaqo namapayipi) esuka esikhungweni sezimboni i-Gauteng iye ezikhumulweni eziqhelile ngokuqhathaniswa.

Izindlela zokuhlala zicabangela neqiniso lokuthi nakuba ukumba okujulile ezimayini eNingizimu Afrika kwakudinga ikhephithali eningi, kwakudinga nabasebenzi abaningi kakhulu futhi. Lokhu kwakudinga inani elikhulu labasebenzi abangenawo amakhono nabanamakhono amancane, ababegcinwa ezindaweni ezikude nasezindaweni eziseduze ababehlala ngabaningi kuzo. Ingqalasizinda yezenhlalo nezomnotho yalezi zindawo zokuhlala ezazanda futhi zihlala abantu abaningi yayisezingeni eliphansi futhi ngathuthukisiwe.

Ngaphansi kobandlululo, amalokishi abaNsundu ayengenamathuba futhi engaphandle kwamadolobha aba yizikhungo eziyinhloko ezandayo zokukhiqiza abasebenzi abansundu abahola kancane, njengoba uMthetho Wezindawo Zamaqembu wawenza ukuthi abansundu abahlala ezindaweni ezisemadolobheni bakhishwe ngendlavini. Amalokishi angaphandle kwamadolobha aminyene nanezihlahla ezimbalwa kanye nezindawo zokuhlala zasemaphethelweni amadolobha ezigcwele izihlahla neziphakathi emadolobheni, ngakunye kunezici zako nengqalasizinda yako, kuyaqhubeka kuyinto ekhona eNingizimu Afrika. Ngesikhathi sobalundlululo, ingqalasizinda yayisetshenziswa ngamabomu njengomngcele wokukhishelwa ngaphandle, njengoba kwakunemigwaqo enguthelawayeka eshelelayo nojantshi ababezungeza amalokishi, kunezindawo zokungena nokuphuma ezimbalwa (futhi ngenxa yalokho ezazikwazi ukuvaleka).

Phakathi namashumi eminyaka okubusa kwabamhlophe abambalwa, ingqalasizinda exhumanisa zonke izifunda zeNingizimu ye-Afrika yayingathuthukisiwe njengoba umnotho waseNingizimu Afrika wawuqondiswe eminothweni ethuthukile yaseNtshonalanga. Lapho kuliwa kuhlonyiwe ezifundeni ngawo-1970 nangawo-1980, ukwakhiwa komgwaqo oxhumanisa iningizimu nenyakatho ngokuvamile kwakuhlotshaniswa nezinto ezaziseqhulwini kwezempi zobandlululo. Ukuvimba ngamabomu, okwenziwa amabutho kahulumeni wobandlululo, ukwakhiwa kukajantshi osuka empumalanga uye entshonalanga uxhumanise amazwe ase-Afrika azimele ayevaleleke ezweni uwaxhumanise nezikhumulo nakho kwakuyingxenye yokufuna ancike kakhulu kwiNingizimu Afrika enobandlululo. Ifa lengqalasizinda yobandlululo lisalokhu liyinselele entuthukweni yesifunda esimeme nelinganiselayo.

Ngokomlando, imali eyasetshenziselwa ingqalasizinda njengephesenti le-GDP yayiphezulu uma kuqhathaniswa, yafinyelela iqophelo eliphezulu phakathi nawo-1970. Izinga lotshalo-mali kungqalasizinda lalingasimeme uma ucabangela izinhlobo zengqalasizinda ezakhiwa; futhi phakathi nawo-1980, imali eyasetshenziswa njengephesenti le-GDP yayehla ngokushesha. Ngenxa yotshalo-mali olwehla ekwakhiweni nasekulungisweni kwengqalasizinda, iNingizimu Afrika yasalela emuva kakhulu (futhi lokho kuyaqhubeka) eminyakeni yakamuva yobandlululo. Ngokwesibonelo, inhlolo-vo ka-1996 eyenziwa ekuqaleni kwenkathi yokubusa ngentando yabantu ezikoleni ezingu-26 736 yathola ukuthi cishe u-59% wezikole zazingenawo ugesi, kanti u-34% wawungenawo amanzi egcekeni, u-12% ungenawo amathoyilethi, u-61% ungenalo ucingo kanti u-82% wawungenayo imitapo yolwazi[255].

Izici zomlando, ukukhetha okwenziwa kwizinqubo-mgomo nezimo ezamukelwa uhulumeni wobandlululo yizo kakhulu ezabangela imingcele ekufinyeleleni ingqalasizinda yezomnotho neyezenhlalo. Ifa

255 UMengameli. 2014. Ukuhlola Kweminyaka Engu-20: 1994 – 2014.



Umdwebo 10.1: Imali Eyasetshenziswa Kwingqalasizinda Yezenhlalo Nezomnotho kanye Nengqikithi Yemali Eyasetshenziswa Kukhephithali Njengengxenye Ye-GDP, 1993 – 2018.
Umthombo: UMnyango Wezokuthuthukiswa Komnotho. 2019. Umbiko olungiselelwe Ukubuyekezwa Kweminyaka Engu-25.



Umdwebo 10.2: Utshalo-mali olwenziwa kwingqalasizinda nguhulumeni.
Umthombo: SARB Data



Umdwebo 10.3: Imali Eyasetshenziswa Ngokoqobo Kwingqalasizinda Kahulumeni Yezomnotho Nezenhlalo,1993 – 2018, Ngokuqhubekayo 2010 Izigidi Zezigidi ZamaRandi.
Umthombo: StatsSA.

lobandlululo lenza kusetshenziswe utshalo-mali lukahulumeni kwingqalasizinda ukuze kuthuthukiswe izimo zokuphila zabantu abambalwa abaphila kahle, kuyilapho liqinisekisaukuthi kuhlukaniswa amadolobha futhi kugcinwa iqoqo lemisebenzi yezimayini nezolimo, eyayibalulekile ekuqhubeni umnotho wobandlululo.

Leli kwakuyifa lobandlululo elazuzwa uhulumeni omusha wentando yabantu ngo-1994 lapho kushintshelwa ekubuseni ngentando yabantu.

INQUBEKELA-PHAMBILI KUSUKELA NGO-1994

Uhulumeni wobandlululo ngokuvamile wawuluqedile utshalo-mali lwawo ekuthuthukisweni nasekulungisweni kwengqalasizinda, okwaholela kwingqalasizinda eyayiguga ngokuqhubekayo nengalungisiwe.

Imigomo yokunwetshwa kwengqalasizinda kahulumeni wentando yabantu yayihloselwe ukulungisa ukungabi nabulungisa kwangesikhathi esedlule nokusungula isisekelo esiqinile sezifiso zabantu zentuthuko. Lokhu kwabeka ingcindezi eyenezelwe kwingqalasizinda eyayisigugile futhi ingalungiswa. Konke lokhu kwabhebhethekiswa ukwanda kwenani labantu kanye nezidingo ezengeziwe ezibekwa kwingqalasizinda ngenxa yokukhula komnotho nezindlela zokuthuthela kwezinye izindawo.

Ukwanda okuncane kotshalo-mali kwingqalasizinda akuzange kuholele ngokuphelele emiphumeleni eyayilindelwe ikakhulu mayelana nokukhula, ukuncishiswa kobubha nokwakhiwa kwemisebenzi.

Noma kunjalo, ukukhetha okwenziwa mayelana nengqalasizinda kwaba nomthelela omkhulu embonini engaphansi yengqalasizinda yezenhlalo, ehlanganiswe engxenyeni yokuthuthukiswa kwabantu, imali yezenhlalo, ukuthuthukiswa kwamakhono nobumbano lomphakathi kulo mbiko. Ngonyaka owawandulela ukhetho lokuqala lokubusa ngentando yabantu, imali eyasetshenziswa kwingqalasizinda yezenhlalo nezomnotho kwakungu-3.6% we-GDP, kanti ingqikithi yekhephithali eyasetshenziswa (ukwakheka kwekhephithali ebekiwe) kokubili kuhulumeni nasembonini ezimele kwakulinganiselwa ku-15.16% we-GDP[256].

Eminyakeni engu-25 edlule, umbuso wentando yabantu utshale imali kakhulu kwingqalasizinda entsha ukuze ugxilise ukufakwa kwabantu kwezomnotho nakwezenhlalo nokunikeza izinsizakalo zezenhlalo eziyisisekelo. Lolu tshalo-mali lwasekela nokukhula nokuhlukaniswa komnotho. Lezi zinhlelo zagqugquzela ukwakhiwa kwemisebenzi kokubili kwezokwakha nezokulungisa ngokuqondile, kanti ngokungaqondile zafukula ikhono lemizi namabhizinisi lokusebenzisa amathuba omnotho.

Lokhu kwaholela ekukhuleni okuqhubekayo kancane kancane kokusetshenziswa kwekhephithali kuze kufike ku-1998, lapho yafika ngaphezudlwana nje kuka-17% we-GDP, njengoba kuboniswe emfanekisweni 10.1. Imithelela yenhlekelele yomnotho yase-Asia ngo-1998 kanye nezinye izinselele zangaphakathi kwakuzozwakala kuze kube unyaka ka-2002, lapho ukusetshenziswa kwekhephithali kwakhuphuka kusuka kokuphansi kwango-2001 okungaphezudlwana nje kuka-15% kuya ngaphezudlwana kuka-16%. Lolu khondolo lwaqhubeka lwafika enanini eliphezulu langemva kokuqala kokubusa ngentando yabantu elingaphezudlwana kuka-23% ngo-2008, ngalowo nyaka imali eyasetshenziswa kungqalasizinda yaba ngu-6.6% we-GDP. Kufanele kuphawulwe ukuthi imali esetshenziswa ngokoqobo yaqhubeka yenyuka kwaze kwaba u-2014. Ngo-2018 ikhephithali eyasetshenziswa yayingu-18.6% we-GDP. Kuyilapho ikhephithali eyayisetshenziswa embonini ezimele yayiyisilinganiso sika-4.6% kanti imali eyasetshenziswa kwingqalasizinda yomphakathi yayiyisilinganiso sika-4.9%. Ingqalasizinda yezomnotho eyasetshenziswa izinkampani zikahulumeni

> Inani labantu abasebenzayo lakhuphuka kakhulu, kusukela kubantu abangu-440 000 ababeqashwe kwezokwakha ngo-1995 kuya cishe ezigidini ezingu-1.5 zabasebenzi bezokwakha ngo-2018

256 Umnotho Womhlaba Wonke. 2019. INingizimu Afrika: Utshalo-mali Lwekhephithali, iphesenti le-GDP. Website: https://www.theglobaleconomy.com/South-Africa/Capital_investment/.



Umdwebo 10.4: Annual average Economic Infrastructure Expenditure as a Percentage of GDP worldwide from 2010 to 2015.

Umthombo: Statista. Annual Average Infrastructure Expenditures as Percent of GDP Worldwide from 2010 to 2015. Website: https://www.statista.com/statistics/566787/average-yearfy-expenditure-on-economic-infrastructure-as-percent-of-gdp-worldwide-b/-country/.

iye yaba nokukhula okukhula kakhulu, ngesilinganiso sonyaka esingu-6%.

Sekukonke, utshalo-mali kungqalasizinda luye lwaba nezinzuzo ezibalulekile. Njengoba kwaboniswa kumfanekiso 10.2 no-10.3 utshalo-mali lwafukula i-GDP ngemali engaphezu kwamaRandi ayithriliyoni phakathi kuka-2003 no-2018 (okwaba neqhaza, ngamanani amanje, isilinganiso sezigidi zezigidi ezingu-R281 (billion) ku-GDP ngonyaka), futhi lwasiza umnotho usimame ekuwohlokeni komnotho komhlaba wonke ngo-2009 kuyilapho lusisa iNingizimu Afrika igweme ukuwohloka komnotho ngo-2015.[257]

Inani labantu abasebenzayo lakhuphuka kakhulu, kusukela kubantu abangu-440 000 ababeqashwe kwezokwakha ngo-1995 kuya cishe ezigidini ezingu-1.5 zabasebenzi bezokwakha ngo-2018.[258] Ngempela, kusukela ngo-2014 kuya ku-2018, ukuqashwa kwezokwakha kwakusenombolweni yesibili ngokuba neqhaza ekuqashweni kwabantu e-SA, njengoba kwakunemisebenzi engu-282 000 emisha eyenezelwa engqikithini yenani lemisebenzi. Enkathini eyiminyaka engu-25, ingaphezu kwesigidi imisebenzi eye yenezelwa kwezokwakha, kwandisa ingxenye yayo yokuqasha eyayingaphansi kuka-5% ngo-1994 yaya ku-9% ekupheleni kuka-2018.[259]

Ngokwesilinganiso sonyaka, imali eyasetshenziswa kutshalo-mali lukahulumeni ekuthuthukisweni kwengqalasizinda ngo-2015 yayedlula leyo yango-1994 ngamaphesenti angaphezu kuka-300.[260] Ukwehla okwabikwa phakathi konyaka ka-2016 kuya ku-2018 kwabonisa izimo zesidingo ezingezinhle esimweni somnotho esasiphansi, kanye nezinselele zezimali ezaba khona ezinkampanini zikahulumeni eziningana.

Ukutshala imali kwingqalasizinda kusukela ngo-2003 kwathi ukwenyuka eminyakeni embalwa eyalandela. Uhulumeni watshala imali ecela ku-R2 thriliyoni kwingqalasizinda phakathi kuka-2008 no-2018, kunemali eningi eyasetshenziswa phakathi nokuwohloka komnotho emhlabeni wonke.[261] Lokhu kusebenzisa ikhephithalo okwenziwa uHulumeni ukuze afukule ukukhula – kusukela ngo-2011 kuya ku-2015 – kwawuvikela umnotho futhi kwalondoloza ukukhula kwekhephithali yezwe, nakuka kwakuhamba kancane. Ngenxa yalokho, iNingizimu Afrika yaba phakathi kwezizwe eziphezulu emhlabeni zokutshala imali kwingqalasizinda yezomnotho enkathini ephakathi kuka-2010 no-2015. Njengoba kuboniswe umfanekiso 10.4 iNingizimu Afika yalandela i-China, iNdiya ne-Saudi Arabia, kodwa yaba phambi kwamazwe anjenge-Russia, Brazil, Indonesia, Turkey, Mexico, Canada, neMelika, i-UK, France neNtaliyane.[262] Kodwa-ke, lokhu kungaphansi kukahhafu ka-10% otuswa iSithangami Sezomnotho Somhlaba, emazweni anjengawase-Afrika aseningizimu ye-Sahara.

Kuyaphawuleka ukuthi kusukela ngo-2016 kuqhubeke, imali yemboni kahulumeni eyatshalwa kwingqalasizinda

257 UMnyango Wezokuthuthukiswa Komnotho. 2019. Iphepha Eliyisendlalelo Elalungiselelwa Ukubuyekezwa Kweminyaka Engu-25.
258 UMnyango Wezokuthuthukiswa Komnotho. 2019. Iphepha Eliyisendlalelo Elalungiselelwa Ukubuyekezwa Kweminyaka Engu-25.
259 *Ibid.*
260 UMnyango Wezokuthuthukiswa Komnotho. 2019. Iphepha Eliyisendlalelo Elalungiselelwa Ukubuyekezwa Kweminyaka Engu-25.
261 Ukwaziswa ngengqalasizinda kahulumeni ikhasi 139.
262 Isithangami Sezwe Sezomnotho. 2012. Izinyathelo Zamasu Zengqalasizinda Zokubeka Eqhulwini Nokuletha Ingqalasizinda Ngokuphumelelayo kanye Nezenezelo. p.v.



yancipha kakhulu. Imingcele kwezezimali yalinganisela ikhono likahulumeni lokusekela ijubane lakhe lokusebenzisa ikhephithali, kuyilapho iZinkampani Zikahulumeni zanciphisa imali eziyitshalayo ngenxa yesidingo esibuthaka nobunzima bezimali, obunye babo obavela ngenxa yokulawulwa okusezingeni eliphansi kanye nemithelela yokubanjwa ngobhongwane kombuso. Ngakokunye uhlangothi, imali eyatshalwa yimboni yezinkampani ezizimele, yenyuka ngo-4% kusukela ngo-2015 kuya ku-2018, ibonisa indawo yokusebenza enzima[263]. Emnothweni uwonke, izinga lokutshalwa kwemali lancipha phakathi nale nkathi, laba kokubili uphawu futhi laba neqhaza emazingeni aphansi okukhula komnotho. Ngokwezibalo ezingokoqobo, umnotho waseNingizimu Afrika uye wakhula ngesilinganiso sika-2.8% kusukela kwaqala ukubusa kwentando yabantu. Kokubili imali esetshenziswa kuhulumeni nasezinkampanini ezizimele iye yaba ngaphezu kwaleli zinga langempela lokukhula.

Ngaphezu kwalokho, kuye kwaqaliswa imithombo emisha yoxhaso futhi kwenziwa ushintsho esimisweni sesabelo-mali sengqalasizinda. Utshalo-mali lwemboni ezimele kwingqalasizinda kahulumeni luye lwakhula, ikakhulu kwezokuxhumana ngezingcingo, ugesi ovuselelekayo ne-Gautrain ehamba ngejubane eliphezulu. Ukuthembela endleleni yenkontileka kanye nokwanda kwamaphesenti engxenye yotshalo-mali lukahulumeni nakho kwaholela ekuqhibukeni kwamaqembu ezinkampani zokwakha, kanye nenkohlakalo yangempela necatshangelwayo kule mboni. Inani elilinganiselwe lezinkampani eziholwa ngabansundu nabesifazane kwezokwakha nakweminye imikhakha laholela ekutheni uHulumeni ethule uMthetho Wokuhlonyiswa Ngokomnotho Kwabansundu Okubanzi (uMthetho No. 53 ka-2003) (BBBEE), ngethemba lokusheshisa ukuguqulwa kwezomnotho kobunikazi, ukulawula nokwakhiwa komnotho. Kunoma yikuphi, kwathatha eminye iminyaka engu-14 ukuphothula i-Construction Sector Codes and Charter ngo-2017.

Lapho kuqala ukubusa ngentando yabantu, ekuqaleni kwakugxilwe kwingqalasizinda yezenhlalo, eyaletha imfundo ekunikezweni kwezinsizakalo njengoba uhulumeni ayetshala imali kakhulu ekwakheni izindlu, ukuxhumanisa izakhamizi nogesi kazwelonke, ukwandisa uhlelo lokukhucululwa kwendle nokunikeza ezinye izingqalasizinda zezenhlalo njengezikole, imitholampilo nezibhedlela. Isahluko esibhekelela umholo wezenhlalo, ukuhlaliswa kwabantu, ohulumeni bendawo, ezempilo, ezokuthuthukiswa kwabantu namakhono naso sibhekelela lezi zakhi zengqalasizinda yezenhlalo. Ekupheleni konyaka wamashumi amabili nanhlanu wokubusa ngentando yabantu, bese kwakhiwe izindlu eziyizigidi ezingu-3.18 nguhulumeni okhethwe ngentando yabantu. Emizini eyizigidi ezingu-16.1 ezweni, imizi eyizigidi ezingu-14.4 (89%) yayikwazi

> Izingxenye ezimbili kwezintathu zemizi empofu kakhulu zachitha imali engaphezu kuka-20% wemali engenayo endlini ngenyanga kwezokuthutha, okwenza lo mkhakha ube yinto engeyesibili kwezisebenzisa imali kakhulu.

263 UMnyango Wezokuthuthukiswa Komnotho. 2019. Iphepha Eliyisendlalelo Elalungiselelwa Ukubuyekezwa Kweminyaka Engu-25.

ukuthola amanzi, eyizigidi ezingu-13.3 (82%) yayinesimiso sokukhucululwa kwendle kanti eyizigidi ezingu-13.7 (84%) yayikwazi ukuthola ugesi.[264]

Into eyinhloko eye yaphawuleka ukuthi nakuba kuye kwaba nentuthuko enkulu mayelana nengqalasizinda yezenhlalo, lolu hlelo aluzange luguqule ngokwanele ukungalingani kwezengqalasizinda eNingizimu Afrika. Le nselele yabhebhethekiswa iqiniso lokuthi inani labantu lakhula ngokushesha, ngokwezibalo zika-1996 no-2001, lakhula lisuka kubantu baseNingizimu Afrika abayizigidi ezingu-40.6 laya ezigidini ezingu-44.8 phakathi kuka-1996 no-2001. Akungabazeki ukuthi lokhu kwabeka ingcindezi eyengeziwe kwingqalasizinda yezomnotho.

Kancane kancane ingqalasizinda yezomnotho nayo yanakwa, kangangokuthi ngasekuqaleni ko-2000, kwaqala umsebenzi oyinhloko ezindaweni ezinjengokuqaliswa kweziteshi zikagesi ezintsha eziphehlwa ngamalahle. Lokhu kwalandelwa utshalo-mali olukhulu kwezokuthutha, nengqalasizinda yezemidlalo yeNdebe Yomhlaba Ka-2010 (kuhlanganise izikhumulo zezindiza, i-Gautrain nemigwaqo emikhulu, izinkundla zemidlalo, amapayipi kawoyela nokuhlelela i-Bus Rapid Transit (BRTs). Utshalo-mali kwingqalasizinda lwaqala ukwenyuka kusukela ngo-2007 njengoba kwakunesamba semali esasitshalwa cishe kwaze kwaba u-2015. Kangangokuthi, ngemva kweNdebe Yomhlaba, izinhlelo zasakazwa futhi zasatshalaliswa, kuhlanganise nezokuthutha zaphakathi edolobheni, imigwaqo, ugesi ovuselelekayo, amayunivesithi amasha, ukwakhiwa kwezikole ezindaweni zasemakhaya, kanye nokwakhiwa kweziteshi zikagesi ezinkulu, indawo yokugcina igesi kanye namadamu kanye nokuthi izici zengqalasizinda zibe sendaweni.

Ukugxila kwingqalasizinda kuye kwakhula eminyakeni engu-25 edlule. Ukuze kuhlanganiswe kahle ukuhlelwa nokuhlinzekwa kwengqalasizinda, kwasungulwa i-Presidential Infrastructure Coordinating Commission (PICC) ngo-2011, inesibopho sokuqapha intuthuko, ikakhulukazi nge-National Infrastructure Plan (NIP). I-NIP isekelwe encwadini yengqalasizinda enamaphrojekthi angaphezu kuka-645 ezweni lonke. I-National Infrastructure Plan ihlela la maphrojekthi abe ama-Strategic Integrated Projects (SIP) angu-18. Ngo-Januwari 2013, umsebenzi wawusuqalile kuwo wonke ama-SIP angu-18. Utshalo-mali kwingqalasizinda luyaqhubeka lukhula, njengoba kwakunezigidi zezigidi ezingu-R300 ezitshalwe ku-National Infrastructure Plan nguhulumeni nezinkampani ezizimele ngo-2016/17.

Iphrojekthi ngayinye ihlose ukushintsha izimo zendawo zokukhula futhi kwakhiwe izidleke ezintsha zokusebenza komnotho.

Ukugxila nokubekwa eqhulwini kwengqalasizinda kuhambisana nomnotho okhulayo kanye nokunaka izimpokophelo zabantu bakuthi, kubekwa izidingo kwingqalasizinda yezokuthutha, amanzi, ugesi neyezokuxhumana ngocingo. Kuye kwabikwa intuthuko ezimbonini ezihlukahlukene, kuqokonyiswa ngokuyinhloko ugesi wezinto zemvelo noma ovuselelekayo osuyingxenye ebalulekile kagesi oxubile eNingizimu Afrika, nomthelela omuhle ekuzibophezeleni kwezwe okumayelana nokushitnsha kwesimo sezulu.

Ezokuthutha

Ekufuneni ukushintsha uhlelo lwendawo lwangesikhathi sobandlululo olwalukhiphela abanye ngaphandle kanye nefa lezokuthutha elitshekile, elalivuna abambalwa kanye nezinto ezisetshenziswayo nemboni yezolimo, uhulumeni usezibophezele ukuletha ezokuthutha ezilinganayo nezifanele kubo bonke, ubambisene nezinkampani ezizimele ezincane nezinkulu futhi kusetshenziswa iZinhlangano Zikahulumeni ezihlukahlukene, kuhlanganise i-Transnet, i-South African National Roads Agency Limited (SANRAL), i-Passenger Rail Agency of South Africa (PRASA), ne-Cross-Border Road Transport Agency (C-BRTA). Le mizamo yabekelwa futhi namanje isabekelwa inselele yizindlela zokwenza izinto zamanje, eziqhubekayo zilingisa ifa lokuhlela indawo lobandlululo elisebenzisa ezokuthutha njengesixhumanisi esibalulekile phakathi kwezindawo zokusebenza nezindawo zokuhlala. Ubufakazi bubonisa ukuthi isizathu esikhulu esenza abantu bahambe ngezokuthutha kulapho besuke beya ezindaweni abasebenza kuzo noma lapho befunda khona imfundo ephakeme – emadolobheni – nemfundo yamabanga aphansi nokuyothenga izinto eziyisisekelo ezindaweni zasemakhaya.

Ngale kohlanga, izinga lemali engenayo nalo linquma ikhwalithi nokufinyelela ezokuthutha. Inhlolo-vo Yezokuhamba Yasemizini Kazwelonke (NHTS) eyenziwa ngo-2003 nango-2013 ngokulandelana, yathola ukuthi nakuba u-17.1% wemali engenayo emzini ovamile usetshenziswa kwezokuthutha, imizi enemali encane engenayo yayisebenzisa ingxenye enkulu yemali kwezokuthutha uma kuqhathaniswa nemizi enemali enkulu engenayo.[265] Izingxenye ezimbili kwezintathu zemizi empofu kakhulu zazisebenzisa imali engaphezu kwamaphesenti angu-20 kwezokuthutha, okwenza lokhu kube yinto yesibili edla imali eningi.

Imiphumela yocwaningo yabonisa ukuthi eminyakeni eyishumi edlule ziye zancishiswa izinto eziwumgoqo ekuhambeni, kodwa noma kunjalo kusenezinselele eziningana. Ngokuhamba kwesikhathi, imizi ehlala ezindaweni zasemakhaya yayisikwazi kangcono ukufinyelela ezokuthutha zomphakathi futhi sase

264 Statistics South Africa. 2018. Inhlolo-vo Evamile Yasemizini. p.36.
265 Statistics South Africa. 2014. Inhlolo-vo Yezwe Lonke Yemindeni Yokuhamba, 2013.

sinciphile isikhathi sokuhamba uma kuqhathaniswa nango-2003.

Ucwaningo lwathola nokuthi abafundi abaningi abesenkulisa, esikoleni, emakilasini emfundo yabadala babehamba ngezinyawo baye ezikhungweni zemfundo. Labo ababesezikoleni zamabanga aphakeme babevame ukuhamba ngamatekisi kunanoma yiluphi olunye uhlobo lwezokuthutha.

Kanti abasebenzi bona, balinganiselwa ezigidini ezine kubasebenzi abayizigidi ezingu-15.2 ababeshayela izimoto zabo baye emisebenzini, kuyilapho abayizigidi ezingu-3.7 babesebenzisa amatekisi. Ezinye izigidi ezingu-3 zazihamba ngezinyawo, futhi cishe abayisigidi esisodwa babehamba ngamabhasi. Kusukela ngo-2003, abantu baseNingizimu Afrika baye bazisebenzisa kakhulu izinto zokuhamba. Amaphesenti abantu abasebenzisa amatekisi namabhasi liye lenyuka, kanti amatekisi asalokhu ewuhlobo lwezokuthutha oluyinhloko olusetshenziswa kuzo zonke izifundazwe, njengoba amatekisi elayisha izikhathi eziyizigidi ezingu-3.7 nsuku zonke eyisa abantu emsebenzini. Izitimela ngokuyinhloko zisetshenziselwa izinjongo ezihlobene nomsebenzi nezemfundo eNtshonalanga Kapa nase-Gauteng.

Ukutshala imali kwingqalasizinda engabizi, yekhwalithi kulempahla ethunyelwa kwamanye amazwe kuwuhelo olubalulekile lwengqubo-mgomo eminyakeni engu-25 edlule.

Bangaphezudlwana koyedwa kwabahlanu (22.1%) abantu ababesuka endaweni abahlala kuyo ngaphambi kuka-6:00 beya emsebenzini. U-65% wabasebenzi basezindaweni zasemakhaya wawuhamba ngaphambi kuka-7:00 ngokuphambene no-58% ezindaweni zamadolobheni amakhulu no-54.6% emadolobheni avamile. Uma ucabangela ukuthi umlungu waseNingizimu Afrika wachitha imizuzu engu-23 ngaphezulu ngo-2013 uma kuqhathaniswa nemizuzu engu-54 ngo-2003 eya noma ebuya emsebenzini kanti umuntu onsundu ovamile waseNingizimu Afrika wachitha imizuzu engu-24 ngaphezulu kusuka emizuzwini engu-87, ngenkathi efanayo, lokhu kungase kubhekwe njengento eyinhloko enomthelela ekuncipheni kokukhiqiza kanye nekhwalithi yokuphila komndeni kanye nezindleko.[266]

Ngenxa yokwanda kwamatekisi embonini yezokuthutha umphakathi kanye nezinselele eziningi le mboni ebhekene nazo zezimoto ezingaphephile nezingakufanelekile ukuba semgwaqweni, ngo-1999 iKhabhinethi yavuma uhlelo lokuhlelwa kabusha kwamatekisi ngomgomo wokuxhasa ukushintshwa kwamatekisi ayesemadala angu-97 000 ngamatekisi amasha anezici eziphephile. Ngo-Juni 2015 kwase kukhishwe emgwaqeni amatekisi amadala angu-61 254, noxhaso lwemali engafika ezigidini zezigidi ezingu-R3.4. Ngo-Septemba 2018, kwakhishwa emgwaqweni amanye amatekisi angu-10 746, noxhaso olwengeziwe oluyisigidi sezigidi samaRandi, okwenza

266 Kerr, A., 2015. Ukukhokhisa abampofu intela? Ukudlulisel izindleko eNingizimu Afrika.

ingqikithi yamatekisi akhishwe emgwaqweni ifike ku-72 000. Zimbili izinkampani ezingabakhiqizi bezimoto ezikhiqiza amatekisi njengamanje eNingizimu Afrika. Kanti futhi, i-Toyota yaqalisa iplanti yokuhlanganisa izingxenye ebiza izigidi zamaRandi ezingu-70 efekthri yayo eThekwini ngo-2012.[267] I-Beijing Automobile Works SA, ubumbano olubandakanye umkhiqizi wezimoto ongowesine ngobukhulu e-China kanye ne-IDC, baye bavula ifekthri yokuhlanganisa izingxenye zezimoto empumalanga yeGoli ngotshalo-mali oluyizigidi ezingu-R196 olusondeza izwe eduze kokukhiqiza amatekisi aphelele.[268] Kusukela lwaqala lolu hlelo lokuhlelwa kabusha kwamatekisi, sekuhlanganiswe amatekisi angu-83 393 eNingizimu Afrika.[269]

Izindlela zezindawo zasemadolobheni eziqhubekayo zangesikhathi sobandlululo kanye nokuncika ngokweqile kwezokuthutha umphakathi zasemgwaqweni, ikakhulukazi amatekisi, ekuhambeni amabanga amade nsuku zonke nakho kubeka izinselele ezithile eNingizimu Afrika njengoba yasayina iSivumelwano SaseParis Sokushintsha Kwesimo Sezulu. INingizimu Afrika inesibopho sokulawula amazinga entuthu ekhishelwa yizimoto emkhathini, okuyinto enomthelela kulokho okukhethwayo mayelana nezindlela zokuthutha kanye nengqalasizinda efanele edingekayo. Inqubo-mgomo yomphakathi kudingeka yenze kusukwe ekusetshenzisweni kwezimoto zabantu kuyiwe ekusetshenzisweni kwezimoto zomphakathi; kusukwe kwezokuthuthwa komphakathi ezingawongi amafutha kuyiwe kulezo ezifaneleka kakhulu. Lokhu kuyodinga ukuba, phakathi kokunye, kushintshwe kusukwe emgwaqweni kuyiwe kujantshi ekuthutheni impahla. Impumelelo eyabonakala phakathi neNdebe Yomhlaba iye yagxila kwisu leZokuthuthwa Komphakathi, okufanele zihlanganise amatekisi, amabhasi nezitimela. Ukuqalisa uhlelo lwe-Implementing the Bus Rapid Transport System (BRT) eGoli, eKapa, e-Nelson Mandela Bay, e-Rustenburg, e-Tshwane, Ekurhuleni nakwezinye izikhungo kwakha ingxenye ebalulekile yesixazululo.

Ekufuneni ukulawula ingqalasizinda yezokuthutha ngendlela ephelele, ukugqugquzela ukuhamba okuphephile, okunokwethenjelwa nokufinyelelwa yibo bonke, kuyilapho kuqinisekiswa nenethiwekhi yokuthuthwa kwemithwalo ephumelela kakhulu, ukusetshenziswa kwemali kwezokuthutha nezokuthutha imithwalo kuye kwaba yingxenye engeyesibili ngobukhulu emalini esetshenziswa kwingqalasizinda yomphakathi, u-34.6% wayo yonke imali eyasetshenziswa.[270] Ngokuvamile, iqhaza lemboni yezokuthutha lehla lisuka ku-7.1% ngaphambi kokubusa ngentando yabantu laya ku-6.1% ngo-2002. Ukwakhiwa kwengqalasizinda yeNdebe Yomhlaba Ka-2010 Ye-FIFA™ kwaba nomthelela ekwenyukeleni ku-8.1% futhi utshalo-mali olwengeziwe lwagcina leli nani liku-8% nangaphezulu kusukela ngonyaka ka-2013.

Izinga lezokuthutha le-World Bank liqhathanisa amandla ezwe ekuhwebeni kwamazwe ngamazwe. Ngokwekhwalithi yengqalasizinda – izikhumulo, ujantshi, imigwaqo nezobuchwepheshe bolwazi – iNingizimu Afrika yaba ngunombolo 20 emhlabeni ngo-2016. Ephezulu kakhulu phakathi kweminotho yamazwe athuthukayo, i-China, yaba ngunombolo 23, iNdiya yaba ngunombolo 26 kwathi i-Brazil yaba ngunombolo 47.[271] Emazingeni ka-2018 yaba ngunombolo 33 njengoba kwaba nokwehla cishe kukho konke okwahlolwa (izimpahla ezibuya kwamanye amazwe, ingqalasizinda, ukuthunyelwa, ukuthuthwa kwempahla, ukulandelela okuthunyelwe) kodwa ngokwesikhathi. Noma kunjalo, iNingizimu Afrika ihamba phambili eqoqweni lomhlaba elithuthukayo.

Ngokombono wezezimboni, izindleko eziphansi ngokuqhathaniswa zemikhiqizo yasemayini kanye nezindawo ezinikezwe zezimoto ziye zalolonga kahle ikhono leNingizimu Afrika lokuncintisana ezimakethe zomhlaba ngale mikhiqizo. Utshalo-mali kwingqalasizinda ekhonekayo, eyikhwalithi yalezi zinto eziyinhloko ezithunyelwa kwamanye amazwe ngokwako kwakumelele isu lenqubo-mgomo yezimboni elibucayi eminyakeni engu-25 edlule.

Imigwaqo

Njengoba inoxhaxha lwemigwaqo enakekelwa nguhulumeni nenganakekelwa nguye olulinganiselwa ku-750 000km, iNingizimu Afrika iphakathi kwamazwe ayishumi aphambili emhlabeni ngemigwaqo emide, ngaphambi kwe- Thailand, i-Spain, iJalimane ne- Sweden.[272] Uxhaxha lwemigwaqo lwaseNingizimu Afrika lumelela u-51.75% wengqikithi yoxhaxha lwemigwaqo ye-SADC (1 449 354 km).[273] Cishe u-78.9% (amakhilomitha angu-591 869) wemigwaqo yaseNingizimu Afrika iwubhuqu, kanti u-582 000km usezindaweni ezingekho emadolobheni kanti u-168 000km imigwaqo yasemadolobheni. INingizimu Afrika inemigwaqo eyitiyela engamakhilomith

267 UMnyango Wokuthuthukiswa Komnotho. 2019. Iphepha Eliyisizinda Elilungiselelwe Ukuhlola Kweminyaka Engu-25.
268 https://www.brandsouthafrica.com/investments-immigration/ business/investing/toyota-090712
269 *Brand South Africa- I-SA iqala indawo yesibili yokwakha ama-taxi - 14 November 2012.*
270 *Brand South Africa- I-SA iqalisa iplanti yesibili yokuhlanganisa izingxenye zetekisi - 14 Novemba 2012.*
271 IDC –Ukukhulwa okuholwa ingqalasizinda njengethuluzi lokuguqulwa komnotho –ikhasi 11.
272 SANRAL. 2019. Indlela Yokuxhasa Imigwaqo, March.
Website: https://stop-over.co.za/the-route-to-funding-roads/.
273 *Ibid.*

angu- 158 131, ingunombolo 18th ngokuba nemigwaqo emide eyitiyela emhlabeni.[274] NgokweKomiti Lezikhulu Zezokuthutha, kunamakhilomitha angaba ngu-190 600 emigwaqo exhumanisa izifundazwe kanye namakhilomitha angu-61 436 emigwaqo exhumanisa amadolobha. Emigwaqweni enetiyela, u-38% ubhekwa njengosesimweni esihle, u-36% usesimweni esiphakathi nendawo kanti u-26% usesimweni esibi. Emigwaqweni ewubhuqu, u-8% kuphela obhekwa njengosesimweni esihle, u-25% usesimweni esiphakathi nendawo kanti u-67% usesimweni esibi[275].

Njengamanje, u-87.9% wazo zonke izinto ezithuthwayo eNingizimu Afrika uncike ekuthuthweni kwezokuthutha ezihamba emgwaqweni kanti u-93.7% wazo zonke ezokuthutha abantu zihamba emgwaqweni.



UTHI BEWAZI

UKUXHUMANA

Umgwaqo omkhulu i-N1 uyingxenye ye-Africa North/ South Continential Corridor ongaxhumanisa i-Cairo neCape Town, ngomgwaqo, isitimela nengqalasizinda ye-ICT.

Ngo-1998, u-6 700km weMigwaqo Kazwelonke yadluliswa yaba ngaphansi kwe-SANRAL futhi (kuze kube manje) u-22 214km ulawulwa yi-SANRAL. Nakuba uxhaxha lwemigwaqo ye-SANRAL lumelela u-2.96% walo lonke uxhaxha lwemigwaqo, luthwala u-34.5% wawo wonke amabanga ahanjwa yizimoto ngonyaka nangaphezu kuka-70% wezinto ezithuthwa ngomgwaqo ezihamba amabanga amade. Ku-22 214 km wemigwaqo kazwelonke, u-2 952 uyimigwaqo ekhokhelwayo uma uhamba kuyo, okumelela u-13.3% woxhaxha lwemigwaqo kazwelonke no-0.4% wengqikithi yoxhaxha lwemigwaqo. Emgwagweni onamatholi, ibanga elingamakhilomitha awu-1 271 linakekelwa izinkampani ezizimele.

Imigwaqo emikhulu yezwe kanyeanye nezipolo kufinyelela amadolobha amakhulu. Ngokuhlukile, abanye omasipala nezindawo zasemakhaya zisebenzisa imigwaqo esezingeni eliphansi. Ngo-2017, imigwaqo yezifunda engamakhilomitha awu-225 000, ecishe ibe ngu-83% ibingafakiwe itiyela. Lokhu kuphakamise izindleko zokuthutha impahla futhi ukubambezeleka kwanda kakhulu. Nokho ukwaziswa okuphathalene nesimo semigwaqo kamasipala akukho[276].

Njengoba kwandiswa imigwaqo Kanye nokwanda okuvamile kwezimoto, inani lezingozi zomgwaqo nokufa kwabantu emigwaqweni yaseNingizimu Afrika kuye kwanda. Ngakho, kumiswe uHlelo Lokulondeka Emigwaqweni lika2015 – lokwehlisa ukwanda kwenani Labantu abafayo emigwaqweni nakwezinye izindlela zokuthutha. Nakuba umgwaqo nezimo ezizungezile zibe nomthelela ngo-8% enanini Labantu abafayo emigwaqweni, kusemqoka ukunaka ukulondeka. Ngokwe-NATMPA yoMnyango Wezokuthuta, umonakala wemigwaqo ocishe ube ngu-60% ubangela

274 http://www.transport.gov.za:8080/roads
275 http://www.transport.gov.za:8080/roads.
276 Inhlangano YaseNingizimu Afrika Yonjiniyela Bezokwakha. 2017. Umbiko Waminyaka Yonke. k. 15..

izimoto ezinkulu ezithwele ngokweqile. Ngo-2007, isimo esivamali somgwaqyo sasiphakathi kuka-58% (ubuhle) ukuya ku-28% (ububi ukuya ebuvini obukhulu). Ukusuka lapho, i-SANRAL isebenzise imali enkulu ekuvuseleleni nasekulungiseni imigwaqyo engaphansi kwayo — isibonelo esinye i- Gauteng Freeway Improvement Project (GFIP).

Izitimela

Izipolo ze-Rail South Africa zenza ibanga elicishe libe ngu-24 280km. I-Transnet Freight Rail iqapha iningi lazo, ibanga elingu-2 280km yilona kuphela elingaphansi kwe-PRASA. Ngokubalulekile, izipolo ezingaphezu kuka-90% beseziqediwe ngo-1925, futhi imali efakiwe ngokwesilinganiso (lapho ilinganiswa ngokwamakhilimitha kubantu abangu-1000) iye yehliswa, futhi manje ingamakhilomitha angu-0.4 kubantu abangu-1000. Cishe u-60% wezipolo zezwe zisebenzisa ugesi, futhi ezinye zisebenzisa udizili. Izitimela zabagibeli zisebenza ngogesi ngokuqondile.

Ukwehla kwemali etshalwa ezitimeleni kubangelwe umonakala omkhulu Engxenyeni yesitimela esithutha abantu ngenxa yokwanda kokusetshndziswa kamatekisi, ikakhulukazi ngemuva kokugunyazwa ngokomthetho kwalembhoni ngawo-1980. Nokho, ukusetshenziswa kwe-Metrorail kuye kwanda kancanekancane ukusuka ngo-1993 ukuya ku-2002, futhi ngemuva kwalokho kwanda nakakhulu. Ngo-2006, impahla ye-Metrorail yabagibeli yakwa-Transnet iye yahlanganisa nempahla yezitimela ye-South African Rail Commuter Corporation (SARCC). futhi yabuye yethiwa igama elithi Passenger Rail Agency of South Africa (PRASA) in 2009.

Ukuhlanganisa kwempahla yezitimela zabagibeni kuphothulwe ngo-2009, lapho impahla yakwa-Transnet yezitimela zabagibeli zohomba olude/lwamadolobha (Shosholoza Meyl) kuhlanganiswa ne-PRASA. Kwenziwe intuthuko ohlelweni lokuvuselela izitimela zakwa-Metrorail. Ngokusebenzisa i-PPP, exhaswa kakhulu izimali zesizwe ngesilinganiso se-90:10 (lapho u-90% ohlukaniswa ngokulinganyo Phakathi kwe-National Treasury ne-Gauteng Governament), kusungulwe i-GAUTRAIN, elethe isitimela esihamba ngesivinini esikhulu eNingizimu Afrika.

Uhlelo lwezitimela netheku, okungaphansi kwe-Transnet, lufake imali enkulu kwingalasizinda evamli nempahla esetshenziswa kabanzi eminyakeni eyishumi edlule. Umphumela walokhu uholele ekwehliseni inani lezikhalazo ngokulibaziseka okungahleliwe nokuqedwa kwemisebenzi sekwephuzile. Ukulibaziseka ethekwini kuye kwehla kakhulu eminyakeni yamuva.

I-Transnet futhi ithumela ngokuqondile kwamanye amazwe amalahle, isimbi ne-manganese. Ukuphumelela kwalezizici kunomthelela omkhulu kwi-Ningizimu Afrika ukuze ikwazi ukuhwebelana namamakethe amancane omhlaba wonke. Ngenxe yokuthi izimayini zisezindaweni zasemakhaya ngokuvamile kude netheku ngakho kusemqoka ukuthi ifinyeleleke ngezokuthutha ukuze isimame. Njengoba i-Transnet iye yakhulisa lezizindlela lapho okusansimbi kusathengwa kakhulu kubenomthelela ekukhuleni kwentengo yokusansimbi namalahle ukusa ngo-2002 ukuya ku-2012, lapho inani lezinto ezithengwayo liye lehla kakhulu.

Nakuba uhlelo lwezokuthutha nizichweba eNingizimu Afrika lusezingeni eliphezulu, amazwe amangini e-SADC asemuva. Imigwaqo nezitimela kuntula imali, futhi kubangela ukulibaziseka kakhulu futhi ukuthuthwa kwempahla kumba eqolo. Ngokulinganisa kohlelo lwe-World Bank, ingqalasizinda ye-Zimbabwe yayiku-123 emazweni angu-160 ngo-2016 kanti i-Zambia yayingu-113, i-Mozambique ingu-116 futhi i-Angola iku-129[277].

Ingqalasizinda ebuthaka yezokuthutha ilokhu iyinselele kwezentengiselwano emazweni azungezile. Ngaphezu kwalokho, kusho ukuthi i-Ningizimu Afrika kumele imise ingqalasizinda yokuhlela izinto engakwazi ukusebenzisana namabhizinisi emazwe angomakhelwane. Lokhu kuhlukile emazweni ase-Asia, lapho amazwe akhona akwazile ukwakhala ekhonweni lezwe ngalinye ukuthi kugqugquzelwe ukuhwebelana.

Izichweba

Ukwandiswa kizichweba nokusetshenziswa kwamakhonteyina kuye kwanda kakhulu kusukela ngo-1994. Imali enkulu isetshanziswe eminyakeni engu-25 edlule isikhungweni esisha samakhonteyina eNgqura. Lokhu kugunyazwe ngo-2009, ngezinga elingamukela amakhonteyina angu-400 000 ngonyaka. Futhi lokhu kuya kwaphindwa kabili – ngo 2012 – kuye kumakhonteyina angu-800 000 ngonyaka futhi imanje iyakwazi ukwamukela amakhonteyina ayisigidi esingu-1.5 (ngo 2017).[278] Ngaphezu kwalokho, ukwandisa, ukujulisa, ukuvuselela nokwakha kabula kwengqalasizinda kwamanye izichweba kwenziwe.

Itheku lase-Durban elifakiwe manje lingamukela amakhonteyina ayizigidi ezingu-3.4 ngonyaka futhi lingafinyelela amakhonteyisa ayizigidi ezingu-3.9 ngonyaka ngo-2023, ngemuva kokuphothulwa kokujuliswa kwetheku nokuthengwa kwama-crane ayisikhombisa aphakamisa impahla awe-ship-to-shore (STS). Futhi kuye kwandiswa isiza samakhonteyina eCape Town ukusuka ku-700 0000 ukuya ku-900 0000 phakathi kuka-2009 no-2012.

277 Ibhange Lomhlaba Lamazwe Ngamazwe. Izinga Lomhlaba 2016. Iwebhsayithi: https://lpi.worldbank.org/international/global/2016.
278 UMnyango Wokuthuthukiswa Komnotho. 2019. Iphepha Eliyisizinda Elilungiselelwe Ukuhlola Kweminyaka Engu-25.

Ngo-2017/18 cishe ochwepheshe abangu-2100, ama-technician nonjiniyela baqeqeshiwe kwa-Transnet.

Ushintsho olwenziwe muva lwe-Maritime Policy, okuhlose ukusebenzisa amathuba ezomnotho, ukuxazulula izinkinga ezinjengokuhamba kahle kwezindleko zezokuthutha, ukuntuleka kwezithuthui ezihleliwe nezibhizinisi elibhuthaka lokuhwebelana namanye amazwe, Kanye nokwandisa amathuba omsebenzi kulombhoni. Ukusungulswa kwe-Operation Phakisa kuMnotho Wezilwandle ngo-2014 kugqugquzele ukwandisa kwezithuthuthi zasolwandle eNingizimu Afrika, okufaka Phakathi izichweba amancane anjenge-Port Nolloth ne-Port St Johns Ohlelweni Lomnotho Wezilwandle obanzi nohlanganyelwe.

Izindiza

Ohlelo lwezikhumulo zezindiza zaseNingizimu Afrika lufaka Phakathi izikhumulo zezindiza ezingaphezu kuka-I S00 noma izindawo zokwamukela izindiza, loku kuhilela ingqalasizinda nezakhiwo (eziphathelene nezindiza neziseceleni). NgoMashi 2015, besizikhumulo zezindiza ezingu-135 ezinevumelekile, futhi ezingu-10 zibheka njengezikhumulo zezindiza zamazwe ngamazwe, futhi ezingu-56 zibhalisiwe njengezikhumulo zezindiza.

Izikhumulo zezindiza eNingizimu Afrika zingaphezu kuka-1500 noma izingxenye zokwamukela izindiza

I- Airports Company South Africa (ACSA) iqondisa izikhumulo zezindiza ezingu-9, futhi uhulumeni wezifunda uqondisa ezingu-9, amashosha aqondisa ezingu-33 futhi omasiphala baqondisa ezingu-100 (zendawo Kanye nezizifunda). Kunezikhumulo zezindiza ezimbalwa eziqondiswa abantu ngabanye futhi eziningi zazo (kwezingu-I 500) zingezabantu abazimele (amabhizinisi, ezingenzi nzuzo nabantu ngabanye). Ngokwe- ACSA's Aviation Barometer 2017/18, abagibeli abangephezu kwezigidi ezingu-40 baye basebenzisa izikhumulo zezindiza eziyishiyagalolunye zakwa-ACSA Onyakeni Wezimali ka-2017/18, ukubonisa ukwanda okuqhubekayo nokunyuka ngo-4% ngaphezu kwenanzi lonyaka wezimali wonyaka owandulele.

Eminyakeni engaphezu wengu-25, kwenziwe intuthuko enkulu ezikhumulweni zezindiza ezenza inzuzo eNingizimu Afrika, futhi kwakhiwe isikhumulo esisodwa esihsha (I-King Shaka International). Izikhumulo zezindiza zethu ngokuvamile zibhekwa njengezisezingeni eliphezulu futhi kusetshenziswe amakhono alapha eNingizimu Afrika eminyakeni edlule engu-25 ukuxhasa noma ukuphatha izikhumulo zezindiza eNdiya naseBrazil.

Ugesi

Zisuka nje uhulumeni wentando yeningi ubulokhu usebenzisa ingalasizinda kagesi esebenzi ngamalahle ukwabela amabhizinisi ezimayini. Ngakhoke. INingizimu Afrika iyizwe elinomnotho oncike kakhulu kugesi emhlabeni. Ngakhoke uhulumeni wentando yeningi ububhekene nenselele yokumisa indlela yokwabela ugesi unokwethenjelwa, ungabizi kakhulu,



Umdwebo 10.5: **Izinga lamandla eNingizimu Afrika lapho kuqathaniswa neminotho yabantu abamukela imholo ephezulu nemaphakarhi (amandla kagesi ahlukaniswa nge-GDP ngokwemigomo ye-PPP)**
Umthombo:World Bank.World Development Indicators. Uchungechunge lamandla kagesi. I-website: www.worldbank.org ngo-Disemba 2017.

futhi ozinzile novuna wonke umuntu. Njengoba kuboniswa **engexenyeni 10.5**, iNingizimu Afrika ifakwa phakathi kwamazwe anomnotho oncike kakhulu kugesi emhlabeni. Nokho, eminyakeni eyishumi edlule, ugesi osetshenziswayo ngokweyunithi ye-GDP wehlile ngengxenye. Lokhu kusho ushintsho olukhulu esimweni sezomnotho.

Uhulumeni wentando yeningi uthole kusetshenziswa indlela yokuphehla ugesi, ebincike kakhulu ekusetshenzisweni kwamalahle. Iye yakwazi ukukwabela ugesi ngentengo ephansi, lapho kuqathaniswa nezinga lamanye amazwe. Ngahoke, Phakathi kuka-1994 no-2002, imali etshalwe ekuphehleni ugesi ibincane kakhulu, lapho kubhekwa ukukhulu kwesikhathi esedlulel. Ukwanda okuyingqayizivele futhi okusheshayo komnotho phakathi nentuthuko enkulu kusukela ngo-2002 ukuya ku-2012, naphezu kohlelo olwenziwe emashumini eminyaka edlule kulomnyango futhi isidingo sokusetshenziwa kukagesi saba ngaphezu kokwabiwa kwawo, okuye kwabangela ukuntuleka okukhulu kukagesi ekuqaleni kuka-2008.

Uhlelo lokwaba ugesi eNingizimu Afrika luhilela izintambo zokwaba ugesi ezingu-381 594km zikagesi onamandla amakhulu kakhulu, amaphakathi namancane, neziteshi ezincane zikagesi ezingu-33 590 neziteshi ezinkulu ezingu-30.[279]

Ukuze kuqondiswe lembhoni emizamweni yokuqondisa i-ESKOM njengoba kuyiyona yodwa eyaba futhi iphehle ugesi, i-National Energy Regulator of South Africa (NERSA) yamisa ngo-2004. Injongo enkulu ye-NERSA ukumisa kanye/noma ukugunyaza amanani nentengo, ukunikeza ilayisense nokubhalisa; ukuqapha ukulandelwa kwemigomo nokushaya umthetho; ukuxazulula izikinga nokumisa izimiso ezicacile, iziqondiso nemithetho yokuqondisa izimbhoni zigagesi, i-gas nephetiloli.

Ngo-2007, i-Eskom isungule uhlelo lokwakha kabusha ukuze kuthuthukiswe ikhono lokukhiqiza ugesi nokufinyelela isidinigo esikhulayo sikagesi. Uhlelo olusha lokwakha kabusha luhilela i-Kusile, i-Medupi, i-Ingula, i-Renewal Energy Independent Power Producer Programme (REIPPP). I-Medupi ikhiqiza u-4 764 MW neKusile ekhiqiza u-4 800 MW ezisebenza nagamalahle zisemqoka ohlelweni lokwakha kabusha lwe-Eskom futhi lapho seziqediwe, ziyobalwa kanye neziteshi ezinkulukazi zikagezi ezisebenza ngamalahle.

Ku sukela ekusungulweni kwe-REIPPP ngo-2012, ugesi ongu-6 422 MW uye wakhiqizwa ku-I 12 REIPPPs ngeziwombe eziyisikhombisa. Kuze kube manje i-3 772 MW ekhiqizwa ama-62 IPP ixhunywe ohlelweni lokwaba ugesi. Uhlelo lwe-REIPP luhehe ukutshalwa kwemali engagezigidigidi ezingu-R257.7 ezweni. Lokhu kusho ukutshalwa kwezimali okwenza izigidigidi ezingu-R209.4 emabhizinisini azimele.[280]

Ngokwengxenye enkulu, ukukhatazeka ngokuzinza kokwabiwa kukagesi kuqale ngo-2008 ukuya ku-2015, lapho Eskom iqale khona ukukhiqiza ugesi olinganiselwe okubangele ukuthathwa kukagesi ngezigaba. Ukusuka ku-2008 ukuya ku-2017, i-Eskom iye yahlisa ugesi ewabela labo abawusebenzisa kakhulu ngo-10%, lokhu kuphazamise ukukhululula kwabo. Ukulingsaniswa kwezindleko

279 TUhlelo Lwezikhumulo Zemikhumbi Lika-Transnet Lango-2017 Kulungiswe ikhasi 2-58.
280 Umbiko Ohlanganisiwe Ka-Eskom 31 March 2018 ikhasi 9-271.



Umdwebo: **Intengo ka-Eskom nge-kWh ngokwe-rhandi (2016) elingaguquguquki (a).**
Amaphuzu: (a) Deflated with CPI. Umthombo: Ibalwe Ithathwa ku-Eskom, Imibiko yo Nyaka ngokweminyaka ethintekayo. Imali eyinzuzo ehlukaniswa ngaleyo ethengisiwe.
Umthombo: xxxxxx

zokuthathwa kukase emabhizinisini kufinyelele u-RIO nge-kilowatt ihora ngalinye, noma ngaphezu kwezikhathi ezingu-15 ukudlula intengo evamile kagesi.[281]

Azikho izibalo ezinyathelisiwe, eziningiliziwe ngokuphathelene nesizinda samandla kagesi kumasipala. Nokho, ikakhulukasi emadolobheni amanance, amabhizinisi njalo aphawula ukuthi ugesi obuthaka uphazamise imikhiqizo yawo ngokulimaza imishini namathuluzi. Imishini exhunywa kugesi naleyo esebenza ngayo ngokuqondile Ikakhulukazi, kungathinteka lapho ugesi ungenakwethenjelwa noma ulukhu uphazamiseka.

Ukusukela ngo-2008 ukuya ku-2016, intengo eyisilinganisa ka Eskom ngeyunithi kagesi inyuke ngo 225% ngerhandi (2016) elingaguquguquki. Njengopha ingxenye 10.6 ibonisa, inyuke kakhulu ngo-2008 ukuya ku-2012, lapho intengo iye yaphindeka kabili. Ukunyuka kwenteka kuye kwahluka ngokwekhasimende ngalinye. I-Eskom yabele ugesi ngokuqondile kulabo abalisebenzisa kakhulu, ikakhulukazi ezimayini, futhi bona ngokwaba behlisa izinga likagesi abawusebenzisayo. Lama khasimende akhokhele uEskom inani eliphansi negeyunithi uma eqathaniswa namanye amakhansimende, nokho akhokhele inani lokwehlisa izinga likagesi.

Ukunyuka kwenani likagesi okusheshayo kuye kwabangela ingcindezi emabhazinisini yonke indawo, nokho ingcindezi ibe sezingeni elikhulu eNingizimu Afrika. Ngokomlando, ugesi ongabizi kakhulu uye wenza isimo sabangcono phakathi kwezimayini nezindawo zokucwengisisa ukusuka ogwini nabathengi baphesheya. Ngaphezu kwalokho, ngawo-1990 i-Eskom yiyinogesi owengeziwe, futhi lokho kuye kwakhuthaza ukutshalwa okusha kwezimali kuma-ferroalloy ne-aluminium. Ugesi uyisici esibalulekile kwi-aluminium, ngakho ugesi ungabizi kakhulu uzuzise izinkapani ukuze zitshale imali yize zithenga insimbi phesheya. Ezimbhonini ezisebenzisa kakhulu ugesi, ukunyuka kwentengo kuye kwaphazamisa kakhulu indlela eziqhuba ngayo ibhizinisi. Umphela walokhu ubhebhetheke kakhulu lapho kwehla amanani okusansimbi lapho kuphela isikahthi sokuchuma ngo-2012.

Amanzi

I-Ningizimu Afrika inamadamu angaphansi kukahulumeni angaphezu kuka-500 futhi amumatha izigidi ezingu-37 000 zama-cubic metre (m3). Uhulumeni wenze inthuthuko enkulu ekuciphiseni umsebenzi osalele emuva wokwabela amanzi ngokwesimo esasikhona ngo-1994. Ngo-2017, imizi engaphezu kuka-88% eyizigidi ezingu-14.8 ibifinyelela amanzi[282].

Nokho, ukuthuthukiswa nokulungiswa kwenqubo wokwabela amanzi ikakhulukazi eminyakeni engu-5 eyedlule, ilethe iselele enkulu ezingxenyeni eziningi zezwe, ngesinye isikhathi isimo siba sibi ngenxa yesomiso, umthelela wokushintsha kwesimo sezulu nokwandla kwabantu abathuthela emadolobheni.

Imikhankaso embalwa yokwaba amanzi iye yaphothula: Isigaba I se-Lesotho Highlands Water Scheme Kanye ne-Katse dam ne-Mohale Dam e-Lesotho; i-Vaal River Eastern

281 IPP Office- Outlining the Renewable Energy Independent Power Producer Procurement Programme (REIPPPP) Empowerment Inkulumo A Ebalulekile Okwenziwe emhlanganweni we- Business Opportunities for Women Entrepreneurs in the Renewable Energy Sector-ikhasi 4 lenkulumo..

282 Igama leNhlangano. Unyaka. Isihloko. Ik. Inomb.

Subsystem Augmentation Project (VRESAP); i-Komati Water Scheme Augmentation Project, i-Mooi-Mgeni Transfer Scheme (Isigaba 2); i-Mokolo to Crocodile Water Augmentation Scheme (Isigaba I : Uphayiphi wamanzi amangi); i-Olifants River Water Resources Development Project (Isigaba 2), Kanye ne-De Hoop Dam ne-Bulk Pipeline ukuya ngase-Steelpoort ukuze kwabelwe amanzi okuthuthukisa ezonmnotho nasemizini yasemakhaya endaweni yase-Greater Sekhukhune; i-Bilateral Komati Basin Development Project kanye ne-Maguga Dam ne-Driekoppies Dam; i-Berg River Dam ukuze isize ngokwabela amanzi e-Cape Town; i-Luvuvhu Government Water Scheme kanye ne-Nandoni Dam, Water Treatment Plant nenqubo yokwaba amanzi. Izindawo ezimbalwa zokuhlanza amanzi eziwabela ezindawini ezithile nenqubo yokujikelezisa kuye kwaphothula esifundeni ngasinye. Futhi kuye kwamiswe inqubo yokuhlanza ukungcola kwasemayini endaweni yase-Witwatersrand.

Ukutshala imali kwingqalasizinda somnotho kunomthelela omkhulu lapho kweseka ukukhulula kwemizila eqinile yomnnotho phakathi kwezikhungo zomphakathi nezezifunda.

National Government has also supported Water Services Authorities to deliver improved water and wastewater services through the establishment of new funding mechanisms and related allocations through the Regional Bulk Infrastructure Grant (RBIG), the Municipal Infrastructure Grant (MIG) and the Water Services Infrastructure Grant (WSIG).The Equitable Share is targeted to subsidise the operations and maintenance costs for water services infrastructure in municipalities.

Nokho, izinkinga nezinselele kulomkhakha ziyezanda kakhulu. Iminyango iye yababuthaka ngokulahlekelwa amakhono nobuphathi ubuntula ikhono. Ukutshalwa kwezimali emphakathi engxenyeni yezamanzi kuye kwehla kakhulu noma kwathintwa ukungahleleki nezintengo ezimba eqolo. Ukulunghiswa kwengqalasizinda yamanzi esebenzayo kusalokhu kuyinselele, futhi lukhu kubhebhethekisa ukuntengantenga kwekhono lokwabela amanzi esikhathini esizayo. Eqinisweni, i-SA Institute of Civil Engineering iphawula ukuthi ingqalasizinda yamanzi ezweni lonke isengcupheni yokufa ingasasebenzi.

Inqubo Yokwaziswa, Ezokuxhumana Nezobuchwepheshe (Information, Communication and Technology Systems (ICTS))

Eminyakeni engu-25 edlule kube nokwandla okukhulu kwezobuchwepheshe zokukuxhumana, njengoba kuqala ukusetshenziswa omakhal'ekhukhwini, ukwandla kokusetshenziswa kwama-data, ukwanda kwe-Wi-Fi nokufinyelelwa kweinthanethi

Ngokombiko we-ICASA ophethelene nesimo womkhakha we-ICT eNingizimu Afrika, uMashi 2018: i-Mobile Broadband ye-3G isifinyelela u-99% wezakhauzi

> Ukusheshiswa ukukhula nga-phambi kuqala kwenselele yizimali yango-2008/9 kubonise ukuntule-ka kwentuthuko kwingqalasizinda yezomnotho

zakuleli, kanti i- 4G/LTE ifinyelele u-77%. Ukugunyazwa kohlinzeki wenkonzo wezingcingo zezintambo (Neotel) ngo-2002 kakuhlosele ukumisa i-Telkom njengokuphela komhlinzeki walenkonzo, nokho lokhu kushaye phansi, ikakhulukazi ngenxa yokuthi abathengi bathanda kakhulu omakhal'ekhukhwini kunezingcingo zezintambo.

Ukufakwa kwe-broadband ezakhiweni zakwahulumeni kuqhubekela phambili, yize kuhamba kancane. Inani lezikole exixhunyiwe ngokusebenzisa i-Universal Service ne-Access Obligations (USAO) lingu-4431 kanti inani lezikhungo ezixhunyiwe ngokusebenzisa i-Universal Service ne-Access Agency of South Africa (USAASA) lingu-720. Ngokufanayo, inani lezikhungo ezixhunyiwe ngokusebenzisa i-SA Connect Project lihamba kancane ngaphansi kwe-Broadband Infraco (BBI) ne-SITA njengoba ukufakwa kwe-broadband kufinyelele izindawo ezingu-376.

Inani lamakhebulu amazwe ngamazwe likhule lafinyele isithupha futhi cishe zonke izinkarhi zezokhuxhumana zitshale imali, ukunomthelela ekuhwebeni ngokulingana nokwehlisa izindleko zokushayela amazwe angaphandle futhi lokho kuyithinta kakhulu intengo yalapha ezweni.

I-Post Office ikhulu yafinyelela amahhovisi angaphezu kuka-1 500 kuhlanganise namaejensi. Ngakhoke iningi Labantu baseNingizimu Afrika basebenzisa izindawo zeposi eduze kakhulu. Ngaphezu kwalokho, i-Postbank inamaakhawundi amaningi kakhulu we-Mzansi Account, futhi amakhasimende kakhulu abantu abampofu. Isabelo samuva senqubo yokukhela imali yesondlo sivumele i-SAPO ukuhlela kabusha imisebenzi yayo ukuze ihlangabezane nenselele yokwaba imali yesondlo ezigidi zaseNingizimu Afrika.

Ukusebenzisa i-inthanethi kuyinkonzo esemqoka kuleli khulu lama-21 futhi kusiza ekubeni nesandla kumnotho wethekiniloji. Ukukhula okuthuthukayo kuhilela ukuhlela kweinthanethi engafinyelelwa yibo bonke abantu. Ingqalasizinda yokwenza lokhu kuphumelele ibalulekile ukuze izakhamuzi, ngisho nasezindaweni zasemakhaya, zikwazi ukubamba iqhaza futhi zihlomule olwazini lwezomnotho. UHulumeni waseNingizimu Afrika uphawule ukuthi ukutholakala kweinthanethi esebenza ngesivinini esikhulu kuyosiza ekuthuthukiseni indlela izwe elihwebelana ngayo namanye amazwe ngakho wamukela ingqubo-mgomo ye-broadband – South Africa Connect. I-South Africa Connect izimisele ukufeza umgomo we-NDP wokuhlela i-broadband kabanzi engafinyelelwa futhi yenelise izidingo zezakhamuzi ngokwentengo, isivinini nekhwalithi. Ngokuphathene nokujula Kanye nejubane, ingqubo-mgomo ibheke ukuqinisekisa ukufinyelelwa kwe-broadband ngo-100% ngo-2030 ngesivinini sika-10 Mbps, 1 Gbps, 1 Gbps, no-100 Mbps kulabo abayisebenzisa ngokuvamile, izikole, ekhungweni zezempilo nezikakhulumeni, ngokulandelana. Isigaba sesi-2 se-SA Connect Program siyaqhubeka kumanje.

Agenda 2063: Presidential Infrastructure Championing Initiative (PICI):

Ukutshala imali kwingqalasizinda yezomnotho inomthelela omkhulu lapho isekela ukuthuthukiswa komnotho kabanzi ngendlela exhumanisa izikhungu zomphakathi nezisifunda.

Eminyakeni yamuva. I-Ningizimu Afrika ibilokhu ihola phambi kwi- Presidential Infrastructure Championing Initiative (PICI), okuhilela ingqalasizinda ye-North-South kwezemigwaqo, izitimela nolunye Uhlelo lwengqalasizinda. Inthuthuko iyaqhubeka nokwenziwa ngokuphathelene nemikhankaso yokwakhakha ehlanganisa imigwaqo, izitimela, imingcele, ugesi, amanzi nezichweba.

Uhulumeni uqhubekela phambili nokusekela imikhankaso yengqalasizinda ye-PICI ezweni kanye nokuqhubekisela phambi i-North-South Corridor ephathelene nemikhankaso yengqalasizinda efinyelela emazweni e-SADC.

Ngo-Septemba 2017, i-New Partnership for Africa's Development (NEPAD) I sungule i-"5 Percent Agenda", ithathela esiqondisweni neziphakamiso ze-Continental Business Network (CBN). I-5 Percent Agenda iwumkhankaso wokwandisa ukutshalwa kwezimali ngalabo abanemali eAfrika ukuze isetshenziselwe ingqalasizinda yalapho eAfrika, kusukela enani eliphansi lika-1.5% Ingxenye yeSADC izimisele ukwandisa ukutshalwa kwezimali zempesheni isetshanzise kwingqalasizinda yaseAfrika, futhi ngaphandle kwalokho ngeke ikwazi ukufinyelela amathuba omnotho waseAfrika. Lokhu kufuna ukuthi kusetshanziswe imikhankaso yengqalasizinda yeAfrika ne- Presidential Infrastructure Development for Africa (PIDA).

I-5 Percent Agenda izimisele lokhu:

- Ukuvula izindlela zokufinyelela isamba semali edingekayo ukuze kwenziwe imisebenzi yokumisa ingqalasizinda eAfrika emazweni azungezile nalapha ezweni lakithi.
- Ukwandisa nokujulisa izimakethe zezimali ezingajulile manje eAfrika, futhi sibambe iqhaza kakhulu ekuthuthukisweni ubudlelwano namazwe azungezile nokuvula amathuba emisebenzi,
- Ukuthuthukisa izindlela zemakethe yezimali ehlangabezana ngokkuqondile nezinselele zezwekazi lethu, ngokuphathenele nokuthuthukiswa kwengqalasizinda, futhi
- Ukukhangisa ngezindlela zokutshala imali emikhakheni yezimali ezimele leyo manje engabazayo ukutshala imali emikhankasweni yengqalasizinda yaseAfrika.



UTHI BEWAZI

IKHWALITHI YOMOYA

U-85% wegesi yaseNingizimu Afrika ivela emkhakheni wethu kagesi.

IZINSELELE EZIPHIKELELAYO KUSUKELA NGO- 1994

I-African Development Bank isikisela ukuthi ingqala-sizinda yezwekazi idinga ama-dollar ase-US angu-130-170 billion ngonyaka okunesikhala sokuxhaswa ngezimali okuphakathi kuka-$68 kuya ku-$108 billion[283]. Nakuba iNingizimu Afrika iphakathi kwamazwe aholayo ezwekazini ngentuthuko yengqala-sizinda, ayikakabumbani ngokugcwele nemisebenzi eyihlelile kuzo zonke izindawo eziseqhulwini kuyi-Afrika ngobubanzi. Ukumiswa kwe-Presidential Infrastructure Coordinating Commission (PICC), kuyokusheshisa kangcono lokhu futhi kubambisane nezinhlangano zomphakathi nezizimele ekutshaleni imali yengqala-sizinda ezweni lethu nakwamanye.

Njengoba sekwenziwe intuthukho enkulu ngezinga lokutshalwa kwezimali nesitokwe sengqala-sizinda, entsha kuphinde kube nezinselele eziningana ezangqwamana nokulungiswa kwengqala-sizinda. Phakathi kwezinye lezi hlanganisa, ukungahlelwa kahle, nokubambisana okusesilinganisweni phakathi kwemisebenzi; ukulungiswa kancane ngenxa yamandla noma unswinyo lwezezimali; izindlela ezingalungile zokusebenza nesimiso sezinqubo ezingenele sonjiniyela; ukusetshenziswa kwemali encane ohlelweni lwezimali okuhambisana nokungayinakekeli kahle ingqala-sizinda; izinzuzo ezingenele zomphakathi entuthukweni yengqala-sizinda ezindaweni ezithile; ukungabambisani phakathi kwezingxenye Zikahulumeni; nenkohlakalo embusweni kanye nokuwa kwezimboni, okwandisa imali yokulethwa kwengqala-sizinda.

283 Umbiko wesithathu we-ICASA embusweni wenhlangano i-ICT eNingizimu Afrika ngomhlaka ka-31st March 2018

Ukuhamba kancane kohlelo lokuvuselela kabusha kubonisa izinselele ezibanzi ezinkampanini ezingale kokuvuselela izitimela. Lezi zinselele zihlanganisa isidingo zokuhlela ngokugcwele ngokwengeziwe nokusetshenziswa kwamatekisi ngokubambisana, ukuhlangana, ukuxhaswa, nokuhlela isimiso sezinto zokuhamba zomphakathi. Nakuba ikhona intuthuko encane eyenziwe kusetshenziswa i-BRT njengendlela yokuhlanganisa abasebenzisi bamatekisi njengengxenye yabanikazi nabaqondisi besimiso sezinto zokuhamba, ngokuvamile le nhlangano ayikufuni lokho kuhlanganiswa.Lokhu kusho ukuthi iningi labantu abasebenzisa izinto zokuhamba zomphakathi bayaqhubeka nokuncika ezimotweni ezingafaneleki ngokwezomnotho ukuhambisa nsuku zonke abantu abahamba amabanga amade okubonakala emadolobheni amakhulu fthi okunezinselele eNingizimu Afrika.

Ukukhuliswa kokukhula ngaphambi kokuqala kwenhlekelele yomhlaba wonke yezezimali ka-2008/9 iqokomisa ukusalela emuva kwengqala-sizinda emnothweni nemiphumela yezinto ezingenele, ukuhlelwa nokutshala imali ngezikhathi ezithile okubangela ukutshalwa kwemali encane, njengasendabeni yezinkampani zikagesi. Kwezinye izimo, ukuqhubeka kwemikhuba yobandlululo akuzange kulethe izinguquko ezinkampanini zengqala-sizinda, njengoba uhulumeni wentando yabantu elwisana nokungalingani nezinga lengqala-sizinda. Umbuzo ongakaxazululwa othi "ubani okhokhayo" uyaqhubeka kuphikiswana nago ezingxoxweni zabantu abaningi kanye nesidino sokusebenzisa ingqala-sizinda ukuze kusekelwe imithetho yezimboni.

> Kusukela ngo-1994 uhulumeni uye wafuna ukwandisa ukuphumelela kwama-SOE ngokuphinde awahlele ukuze aphumelele ngokwengeziwe.

Umholo ojulile nokungalingani komnotho kuyasiza ekulondolozeni ukwahlukanswa kwamadolobha, njengoba izinkampani ezizimele zinikeza izindlu abantu abangu-20% abangenakuzifinyelela.

Ngaphezu kwalokho, izinkontileka ezizimele zithanda izinhlelo zokuxhasa amalokishi angagcwele kakhulu izindlu ezingaphandle kwamadolobha. Kudingeka imithetho eqinile nengaguquguquki ukulungisa izinto ezatholwa ngefa kwezokwakha ezizimele ukuze kuncishiswe ubuningi babantu emadolobheni futhi kwakhiwe ezokuhamba ezifanele. Ngaphezu kwalokho, omasipala kudingeka benze isimiso esizobenza bazuze ezicini zabantu abazimele, okuhlela amabhizinisi azibophezele ukunikeza okuningi kokusanda kushiwo kuyi-Job Summit ka-2018. Ukufakwa kwesibambisene nabo okunjalo kungaletha impumelelo ekunikezeni abantu abasha ithuba, obekulokhu kuze kube imanje besebenza emisebenzini eyinhloko yengqala-sizinda.

Kusukela ekuweni kwempahla ngo-2011, iNingizimu Afrika iye yabhekana nokukhula kancane komnotho, okucindezela imithombo yengqala-sizinda. Amazinga aphansi okutshalwa kwemali kanye nenkohlakalo ezinhlakeni zikahulumeni nasezinhlanganweni zomphakathi kuye kwahleleka. Amaphutha ayisisekelo emabhizinisini nokungaphathwa kahle okuphikelelayo kuma-SOC kuye kwancipha futhi kwazuzisa eminyakeni yamuva. Ukuxhasa imisebenzi yengqala-sizinda iseyinselele kuzo zonke izinhlangano, kuhlanganise nokusebenzisa imithombo kukho kokubili ukusebenza nokunakekela, kanye nokutshala imali kwesikhathi esizayo emnonthweni wengqala-sizinda.

Lezi nezinye izizathu zingumthwalo wokuba buthakathaka ekuhleleni izimiso zengqala-sizinda nokusetshenziswa kwayo. Ngenxa yalokho, imigomo ephikisanayo yokubhekela phansi izimiso zokuxoxa ngezinselele zengqala-sizinda. Inani lengqala-sizinda lisalokhu liyinto okuphikiswana ngayo. Imithetho kahulumeni iye yasekela isimiso sokuba umsebenzisi akhokhe kanye nokukhokha kancane kwemindeni empofu. Le ndlela ibeka isisekelo sokuxhasa ngokuqhubekayo ingqala-sizinda, kodwa kunezinkinga ezimbili eziphikelelayo. Eyokuqala, ukwakha izinto ezikhuthaza imisebenzi yezinkonzo ezizuzisa abantu namabhizinisi angakukhokhela. Ukuze kuxoxwe ngalokhu, imithetho yezepolitikii neyezenhlalo kumelwe yenze ukutshalwa kwemali kuyingqala-sizinda ukuze kusizwe imindeni ehola kancane namabhizinisi amancane Okwesibili, ukuthambekela kokujikisa ukutshalwa kwemali ekwakhiweni kwezimboni namabhizinisi, ukwenza kube nzima ukusebenzisa ilungiselelo elisha lengqala-sizinda ukuze kukhuthazwe ukuhlukahluka ikakhulu ngaphandle kweketanga lezimayini.

Ingcindezi yokuthola ukuxhaswa ngezindlu. Ukufakwa kwentengo yezwe nokuhlelwa kabi okwaphumela esimweni lapho ukuxhaswa ngezindlu kwanikezwa khona futhi nasezindaweni eziqhelile nomsebenzi ongokomnotho.Lokhu kuhlanganiswa komhlolo wezisebenzi kusetshenziselwa ezokuhamba

kanye nokuxhasa kukahulumeni imboni yamabhasi. Indlela yokulungisa lokhu kwahlukana kokubili ekusebenzeni kwezinhlelo zengqala-sizinda nendawo ebanzi yohlelo lwezomnotho.

Kusukela ngo-1994. uhulumeni uye wafuna ukwandisa ukuphumelela kwama-SOE ngokuphinde kwakhiwe ukuze kuhlangatshezwane nezidingo zomnotho zabo bonke abantu baseNingizimu Afrika nezimboni. Naphezu kokungenela kokuthuthukisa izimiso eziqinile, nokuqinisa amandla okuncintisana ezikhulwini ukuze kubhekanwe nemikhuba yokungancintisani, lezi zinselele zisekhona kuzo zonke izinhlangano zengqala-sizinda yomnotho. Ukubaluleka kokuba amaBhizinisi Ombuso abe anemali eyanele, isimiso esingasebenzi nokulawulwa okubuthaka kuye kwabangela intela eningi yokuphatha engaphezulu kakhulu kweyezintela ezisezingxenyeni eziningi zomhlaba. Abalawuli abazimele badinga amandla okusebenza ngendlela efanele futhi babe negalelo ekuphathweni kwe-SOC. Nakuba izimemezelo eziyinhloko ziye zashiwo ekushenxiseni impahla ukuba ingahambi ngmgwaqo kodwa ngololiwe, kudingeka izindlela ezihlukahlukene zokufinyelela lo mgomo – njengokufaka inani, ukuphumelela nesimiso – okungakasetshenziswa.

Ukubusa kwe-TRANSNET kukho konke ukusetshenziswa kololiwe kuye kwaholela ezindleleni ezingancintisani okuzuzisa impahla eningi.



Izinhlangano zamanzi ziyaqhubeke zibhekene nezinselele eziningana. Lezi zihlanganisa ukwehluleka ukuba nezinto ezanele:

- Ukuqina kokuphakelwa kwamanzi nelungiselelo lokuhlanza okungcolile;
- ukuhlanganyela okulinganayo nendawo yemithombo;
- intengo yamanzi ephansi
- Ukwenganyelwa nokusebenza nokunakekelwa kwengqala-sizinda;
- Izimfuno zamanzi enele nokuncishiswa kokuphela kwamanzi; futhi
- Indikimba yezimiso yokuphatha imali ekhokhelwayo nendawo
- Ukungahleli kahle nokusebenzisa izindlela zokuhlanzwa kwamanzi ukuze kufinyelelwe izinga lasemadolobheni nokukhiphela amanzi angcolile emithonjeni yezwe eyinhloko yamanzi (imifula)

Izinqubo ezingahlelwanga kahle zemigwaqo nokuntuleka kwemali enikelelwe leyo misebenzi nokunakekela, ngokomlando ziye zaholela kulezi zindleko zokungakwazi ukwakha imisebenzi eholela ekunganakini nasekunganakekelwa kwengqala-sizinda yemigwaqo. Nakuba i-SANRAL inegunya emigwaqweni yezwe lonke, neyezifunda, izifunda azivamile ukudlala indima ebalulekile kulolu daba, ngisho noma zinomthwalo wokwengamela imigwaqo. Ngokwesibonelo, ukuphoqelelwa kwesimiso sokuba osebenzisa umgwaqo akhokhe ngesimiso se-e-toll kuye kwalwiwa naso kakhulu. Lokho kuye kwabangela ukungaqiniseki okukhulu emthethweni

wokukhokhela imigwaqo. Okwamanje imigwaqo ithwele kanzima umthwalo wezezimali ngenxa yokungaqiniseki kwendlela enhle kakhulu yokuxhasa ukutshalwa kwemali emigwaqweni.

Inkampane kaloliwe ibuswa futhi yenganyelwe i-Transnet Freight Rail (TFR) esebenzisa inethweki yezimpahla ne-Passenger Rail Agency of South Africa (PRASA). Zombili ezisebenza lapho zingancintisani khona nezinye izinkampani. Ukubusa kwe-TRANSNET ekusetshenzisweni kwenethweki yololiwe kuye kwaholela emikhubeni yokungancintisani okuthandwa izimpahla eziningi. Isidingo sokumisa i-Single Transport Economic Regulator (STER) siye sabonakala sidingeka ngokwengeziwe ukuqinisekisa ukuthuthukiswa kukaloliwe ezweni lonke nokumisa intengo encintisana ngokwengeziwe.

Ukuntuleka kokutshalwa kwemali eyanele kuyingqala-sizinda kaloliwe. Ukusebenza, nokuguga kwezitimela (izinqola zesitimela) nokushoda kakhulu kwamakhono okuphatha nawokusebenza kuyinselele enkulu ekuthuthukiseni uloliwe osezingeni eliphezulu, ikakhulu endaweni yabagibeli abasebenzisa isitimela. Naphezu, kwemibiko ye-PRASA yokusebenzisa uhlelo oluthuthukile lokhu akuzange kwenzeke, ngisho noma omasipala bamadolobha amakhulu baye bakuqaphela ukubaluleka kwezinto zokuhamba zomphakathi eziningi i-Metrorail enengxenye ebalulekile kukho, njengebalulekile ekusekeleni ukukhula nentuthuko emadolobheni amakhulu. Nokho, kungase kubonakale ukuthi kuzodingeka kwenziwe imizamo ebalulekile yokuthuthukisa izinkzonzo ze-Metrorail nesithombe se-Metrorail ukuze kuqinisekwe ukuthi iletha inkonzo kaloliwe ephephile, enokwethenjelwa, enenani eliphansi kubagibeli ekugcineni engahlanganiswa nesimsio sezinto zokuhamba zomphakathi emadolobheni amakhulu.

Enye yezinselele eziyinhloko kule minyaka engu-25 yentando yabantu enkampanini yamandla iye yaba isidingo sokuthuthukisa ukwanda kokulondeka kwmandla ngokuhlukanisa amandla ngezindlela zobumbano no-kuthuthukisa igesi nemithombo yamandla evuselelayo. Ngemva kweminyaka eyishumi yokwakhiwa kwe-Medupi ne-Kusile, lezi ziteshi zamandla kagesi namanje azikakapheli nezingxenye ezisebenzayo zibolile ngenxa yamaphutha abaklami. Naphezu kwezingxenye eziningi zeMedupi neKusile eziqale ukusebenza kusukela ngo-2015 ziyaqhubeka zingasebenzi kahle.

Ngaphezu kwalokho, ibhizinisi lika-Eskom kudingeka lishintshwe. Ibhizinisi labo libhekene nenselele yokungakwazi ukufinyelela izimfuno zikagesi. Ukuzinza kwendlela yokukhula esekelwe kugesi osuka emalahleni ibonakala ibangela izinkathazo ezingadingekile zokuguquguquka kwesimo sezulu. Usiko lokungakhokhi komasipala abaningi lisalokhu liyinselele eyinhloko ku-Eskom.

I-ICT: Amalungiselelo ezinhlangano ngaphambi kwenkathi yentando yabantu yayinezici zezinhlangano ezimbalwa ezilawulwa umbuso njenge-South African Broadcasting Corporation (SABC), uTelkom ne-South African Post Office (SAPO), kungekho ukuncintisana noma kukuncane.
Inselele yomthetho wokuhamba ngokushesha nesimiso sendawo esingalungisa ukucindezelela phakathi komthetho wemigomo yokuncintisana ngokwanele, ukukhuthaza nenhlala-kahle yabathengi kusalokhu kuntuleka. Ukuntuleka kokungena ezinguqukweni, izindleko eziphakeme zokuxhumana kuhlanganise nedatha ebiza kakhulu namanani aphakeme emishini ephathwayo nokuqhubeka kwamazinga aphansi e-Ithanethi asalokhu eyizici eziyinhloko ekungeneni kuyi-ICT. INingizimu Afrika isalokhu iyizwe elibiza kahulu emazweni ase-Afrika ngokuphathelene nezindleko ze-zokusakaza okubanzi. I-Data-Services Market Inquiry eyayiqhutshwa i-Competition Commission yabona amanani aphakeme nolunye unswinyo olwandisiwe ekungeneni ngokwengeziwe kwabantu baseNingizimu Afrika emnothweni wezobuchwepheshe.

Okwamanje iNingizimu Afrika ibhekene nenselele enkulu yokwebiwa nokucekelwa phansi kwe-ngqala-sizinda yomphakathi okuye kwakuthinta kakhulu ukulethwa kwezinkonzo nokutshalwa kwemali. Ukuntuleka okuvamile kobunikazi bomphakathi kuyingqala-sizinda ekhona nentsha kuye kwaholela ekwandeni kokucekelwa phansi, ukwebiwa nokungakhokhelwa kwezinkonzo. Okuphikiswana ngakho ukuthi eminye imisuka yale nkinga ihlanganisa ukungabi namthetho, ukungakwazi ukuletha ingqala-sizinda okwathenjiswa, ukulethwa okuncane noma ukungalethwa kwezinkonzo eziyisisekelo, isimiso esingasebenzi kahle emakethe yezimpahla nokungadalwa kwamathuba emisebenzi noma ezomnotho kubantu abasha.

Izindlela ezintsha zokuxhasa ingqala-sizinda nokulethwa kwezinkonzo kusaxoxwa ngakho. Ngo-February 2019, uMengameli uRamaphosa wamemezela ukusungulwa kweSikhwama esisha sengqala-sizinda, esiyoguqula uxhaswa ngezimali kwemisebenzi ephathelene nengqala-sizinda. Lokhu kwenza kube nesidingo sokuguqula isikali, ukungabizi kakhulu nezinga lokunikezwa kwengqala-sizinda yomphaathi ngoshintsho olubanzi kunendlela esenza ngayo izinto.Lokhu kuyoqinisekisa inzuzo yemali yengqala-sizinda yomphakathi nokuqinsekisa imithombo yezimali yoMbuso ukuthi izimali zisetshenzisa kahle, ukuthi ingqala-sizinda yakhiwa ngokushesha nokuthi sisebenzisa imithombo kahulumeni ukuze alethe izazi zobuchwepheshe futhi axhase izinkampani ezizimele. Ama-Development Finance Institution (ama-DFI) nama-Multilateral Development Banks (ama-MDB).

Ukuze kuncishiswe izindleko zokuxhasa ukutshalwa kwezimali zengqala-sizinda. Uhulumeni ubelokhu esebenza nezinkampani eziningana ezizimele nezinhlangano zamazwe ahlukahlukene ezindleleni zokuxhasa. Ngo-October 2018, iBhange Lentuthulo Elisha Le-Brics ("NDB") lazibophezela ukutshala imali engu-$2 billion (c. R29 billion) emisebenzini eyinhloko yengqala-sizinda. Enye i-$1.5 billion kwenziwa isibopho ngayo phakathi noMhlangano Ovamile Waminyaka Yonke ngo-April 2019. Ukuzibophezela kwe-NDB kulindeleke ukuba kuxhase, ngamanani ashibhile.

Ukufunda ekusetshenzisweni kweminyaka engu-25 kwengqala-sizinda, indlela yokuletha izinkonzo kudingeka ishintshe, igxile kakhulu ekubambisaneni nemiphakathi nezinkontileka nokwethemba kakhulu izinhlangano eziyilungele injongo. Lokhu kuzodinga ukuba kuhlolwe uhlelo phathi kwezingxenye zikahulumeni nokubona izinto ezikhona ezingase zisetshenziswe ngokushesha. Izinhlangano zomphakathi ezingasebenzi kahle kudingeka ziphinde zakhiwe futhi lapho kudingeka, izinhlangano kungase kudingeke zihlanganiswe futhi ziphathwe izimiso ezicacile zokusebenza, ezinemiphumela yokwehluleka ukuhlangabezana nezinhlelo. Ukuhlela nokuphatha okuqinile kokusebenza kuzodingeka kuthuthukiswe.

> INingizimu Afrika isalokhu iyizwe elibiza kakhulu emazweni ase-Afrika ngokuphathelene nezindleko zokusakaza okubanzi.

IZIPHAKAMISO

- **Iminyango eqondile, ama-DFI nama-SOE kanye nokusekela kwezinkampani ezizimele ngokutshala izimali ezinkampanini ezikh-iqizayo, ukwandisa ukuthengwa kwempah-la ezweni nokusekela inguquko ebanzi, kuyilapho sihlanganisa i-AfDB "High 5s" ukuze ikhuthaze ukukhanya nokunika i-Af-rika amandla, ukondla i-Afrika, ukwenza izimboni e-Afrika, ukuhlanganisa i-Afrika nokuthuthukisa izinga lokuphila labantu base-Afrika.**
- **Ukuthuthukisa ukusetshenziswa kwengqala-sizinda (1) ngesimo sokuguqula ukusetshenziswa ukuze kuqiniswe futhi kuthuthukiswe uhlelo lokubambisana nokuthuthukisa ukuxhumana ezingeni le-SIP; (2) ukwenza umphakathi ube phambili futhi phakathi nokusetshenziswa**

nokunakekelwa okuqhubekayo; (3) ukusetshenziswa kwento ekhethekile kwezezimali nezinhlela zenhlangano zokuxhasa ezokwakha nokuphuma kwengqala-sizinda; (4) ukwandisa ukuhlelwa kwengqala-sizinda, ukusetshenziswa, nokunakekela emazingeni azo zonke izigaba zikahulumeni; (5) nokwandisa imali etholakalayo kuyo yonke ingqala-sizinda ngokusebenzisa ukuxhasa okuvela kuyi-New Development Bank namanye ama-DFI kanye nezinkampani ezizimele, zokuzibophezela isikhathi eside ngohulumeni okusekelwe esiKhwameni esisha sengqala-sizinda.

- Ukusetshenziswa nokuhlanganiswa kwezobuchwepheshe ezintsha (kuhlanganise nobuchepheshe be-GIS) ukuze igade isikhathi ngasinye ukwenziwa komsebenzi, ngabantu abazinikele ezingeni eliyinhloko ukuvula noma ikuphi ukwephuza nokuvalile.
- Ukuphinde ubone futhi/noma ukusetshenziswa kokuthengwa kwempahla nokulethwa kwezinto kuhlanganise nomthetho "wegunya lokusebenzisa imali" iminyaka ehlukahlukene nezindlela zokulwa nenkohlakalo nokuphazamiseka kwezikhungo nokugxila kakhulu ekunakekeleni ingqala-sizinda.
- Ukubeka eqhulwini ukulondeka kwamanzi nohlelo lwamazinga okuvuna nokugcina amanzi, ukuhlanza nokuphinde kusetshenziswe amanzi angcolile nokuyeka ukungcolisa izindlela zamanzi. Ngenxa yalokho, kumelwe simise iSimiso Samanzi Nezimiso Zomnotho Zokuhambisa Okukodwa, nokuqinisekisa ukuthi izimiso ezintsha nezikhona zisekela ukutshalwa kwemali kanye nokuncintisana ngenali lomnotho wengqala-sizinda
- Ukuphethwa kwezimfuno eziphakeme, ukuhlanganiswa yonke indawo, nokusetshenziswa kwezinto ezisekela ukwakhiwa kwe-Wholesale Open Access Network (WOAN) nokwezindawo kufanele kube nabadlali basemakethe abahlukahlukene. Isabelo kumelwe siqinisekise ukuncishiswa kwezindleko zokungena kwento, ukunciphisa ukungalingani ekungeneni kuyi-ITC nokuqinisekisa ukungena nokusebenzisa kwemiphakathi esendaweni, ngezinye izindlela ezingale komucu. Zonke lezi kufanele zicabangele ukungena mahhala ekusebenziseni i-inthanethi nedatha, kuzo zonke izikhungo zemfundo, izikhungo zomphakathi nezindawo zezinkonzo. Umnikelo wezindleko ze-WOAN kulabo abathola izinto zayo ngesimo senhlanganyelo. Ukuxoxa ngokuphehlwa kukakgesi kwamanje okunengcindezi u-Eskom abhekene nakho, kuhlanganise ukuphatha nokuxhumana kangcono kwezinga eliphakeme lokucima kukagesi okungahleliwe. Ngokuhamba kwesikhathi ibhizinisi lakwa-Eskom lidinga ukusekelwa izimboni ezibanzi nokukhuthaza kwasendaweni, kuyilapho liqinisekisa ukunciphisa ukuncika kakhulu emalahleni kuyilapho inesandla ekuguqulweni kwamalahle kuye ekukhiqizeni amandla ahlanzekile asekela ukukhula komsebenzi nokuthuthukisa amakhono.
- Ukuxoxa ngezindlela zokunciphisa inani lokuphathwa kwentengo ukuze kuqinisekiswe izinzuzo zokutshalwa kwemali kuyingqala-sizinda esekela ukukhula nokukhula kwezomnotho futhi engavimbi ukutshalwa kwezimali. Lokhu kuhlanganisa, ukwethula izimiso ezintsha nokuhlola indima yabalawuli abakhona ekunciphiseni izindleko eziphakeme zezikhumulo, uloliwe nezindleko zikagesi.
- Ukwenza indlela ephumelelayo yokukhuthaza umphakathi nokuba umphakathi ube abanikazi bengqala-sizinda yomnotho. Kuzodingeka ushintsho ekuziphathi ukuze kuqinisekwe ukuthi abantu bayakhokha futhi bayayivikela ingqala-sizinda ekucekelweni phansi nasekwebiweni. Ukuhlela izinkonzo eziningi zengqala-sizinda kufanele kwenziwe ngendlela yokufaka amabhizinisi amancane asemalokishini kunokuba kufakwe izimayini namabhizinisi amakhulu kuphela.

ISAHLUKO 11

Ukuguquguquka kwesimo sezulu Nendawo



I-RDP yachaza izinselele uhulumeni wentando yabantu abhekene nazo ebhekisela emithethweni yobandlulolo "*eyaphambikisa ukungena emithonjeni yezemvelo, ngokunqabela iningi labantu baseNingizimu Afrika ukusebenzisa izwe, amanzi, okumbiwayo, ukudoba, ukuphila kwasendle nomoya ohlanzekile... (le mithetho) kanye nokungaqondiswa kwezinkampani zendawo nezezwe lonke, okubangele ukwehliswa kwemithombo yendawo, kuhlanganise inhlabathi, amanzi, ezolimo ezikhuthaza ukusetshenziswa kabi komanyolo nezibulala-zinambuzane... ubumpofu ukwehliswa kwemvelo okuhlobene kakhulu.*"

Kusukela ngaleso sikhathi, inselele yokuguquguquka kwesimo sezulu iye yanezelwa ezinseleleni zasekhaya ezikhulayo zemvelo. Ubufakazi obukhulu bubonisa iqiniso lokuthi umhlaba ufudumala ngaphezu kwe-degree Celsius eyodwa kusukela kuyi-Industrial Revolution yokuqala, futhi uhlanga lwabantu kumele linciphise ukufudumala kwembulunga okungase kufinyelele ama-degree amabili. Ngokwanda ngama-degree amabili ezingeni lokushisa, abantu bazobona ukuqothulwa kwezinto eziphila emanzini nokuphakama kwamazina olwandle ngamamitha amaningana. Ukuncishiswa ngama-degree amabili manje kubhekwa njengesimo esihle kakhulu, futhi kuzoba nzima ukusifinyelela.

Ithonya lokufudumala komhlaba seliyezwakala vele e-Afrika, naphezu kweqiniso lokuthi leli zwekazi leza okuncane ezintweni ezibangela ukuguquguquka kwesimo sezulu.

NgokweSithasiselo Sobuthaka Bokuguquguquka Kwesimo Sezulu sika-2015, amazwe ayisikhombisa kwayishumi ayesengozini enkulu yokuguquguquka kwesimo sezulu ase-Afrika. I-Afrika iye yabona ukuncipha kokuna kwemfula ezingxenyeni ezinkulu ze-Sahel nezaseNingizimu Ne-Afrika, nokwanda ezingxenyeni ze-Central Africa. Eminyakeni engu-25 edlule, inani lezinhlekelele ezihlobene nesimo sezulu, njengezikhukhula nezomiso, ziye zaphindeka kabili, okubangele ukuba i-Afrika ibe nezinga eliphezulu lokufa kwabantu nokunyazwa kwemvelo nokulimala kwengqala-sizinda izikhukhula nezomiso kunakwamanye amazwe. Ukuguquguquka kwesimo sezulu kakade kuyayithinta impilo, izinto zokuziphilisa, ukukhiqizwa kokudla, ukuba khona kwamanzi, nakho konke ukulondeka.

Ngo-2018, umbiko okhethekile owenziwa iPanel kahulumeni endabeni yokuguquguquka kwesimo sezulu wabonisa iNingizimu Ne-Afrika[284] njengenye yezindawo lapho "*kuhlelwe khona izixwayiso ezinamandla zokushisa ngokwedlulele*." Amazinga olwandle ayaphakama, izingu ziyancipha futhi umlando wezomiso uye wabhalwa, ukusakazeka kwendlala, neziphepho zikhula ngamandla inkathi ngayinye edlulayo.

Ngaphezu kwalokho, nakuba imibiko ibonisa nezici ezigcwele zokuguquguquka kwesimo sezulu eNingizimu Afrika cishe kuzozwakala eminyakeni engu-20 kuya kwengu-30 kusukela manje, ukwenyuka kwamazinga okushisa nezinye izimo zezulu ezeqile kakade sezinomthelela ezikhukhuleni ezibulalayo ngenxa yezimvula ezinkulu ezisanda kuba KwaZulu-Natal nakwezinye izingxenye zezwe. Inhlekelele yamanzi e-Cape Towns nayo yandulelwa isomiso esathatha isikhathi eside phakathi kuka-2015 no-2018. Umbiko wamadolobha amakhulu e-C40[285] ubonisa ukuthi amadolobha amakhulu aseNingizimu Afrika asogwini asengozini yokukhukhuleka ngo-2050.

Ngenxa yalezi zimo ezethusayo zokuguquguquka kwesimo sezulu, kunezobuchwepheshe zamuva ezingasiza ekuthuthukiseni ukwengamela imvelo, kanye nosizo lokufanelanisa nezimo nokubonelela.

UKUSHAYWA KWEMITHETHO, IMITHETHO NEZINHLELZO EZASETSHENZISWA KUSUKELA NGO-1999

I-RDP yabeka isisekelo sokukhula okuzinzile nokuzwana nemvelo nendlela yentuthuko. UMthetho-Sisekelo WaseRiphabhuliki YaseNingizimu Afrika ka-1996 NoHlu Lwamalungelo zaqhubekisela lokhu phambili ngokufaka ilungelo lendawo engalimazi impilo noma inhlala-kahle nesibopho sokuvikela imvelo, ukuze kuzuze isizukulwane samanje nesesikhathi esizayo. UMthetho-sisekelo ubuye ufune nomthetho obonelelayo nezinye izindlela

284 Iqembu Lomhlaba Wonke Lokuguquguquka Kwesimo Sezulu. 2018. "Ithonya le-1.5oC Ukufudumala Komhlaba Emvelweni Nasezimisweni Zabantu". Isahluko 3 kwethi Ukufudumala Komhlaba 1.5°C. Umbiko Okhethekile We-IPCC ethonyeni lokufudumala komhlaba ngo-1.5°C ngaphezu kwamazinga ezimboni nokukhishwa kwezinto zomhlaba ze-GHG okuhlobene nakho, endabeni yokuqinisa ukusabela komhlaba osongweni lokuguquguquka komhlaba, intuthuko ezinzile, nemizamo yokuqeda ubumpofu, k.77.

285 C40 Amadolobha Amakhulu. 2018. "Ikusasa Esingalifuni. Indlela Ukuguquguquka Kwesimo Sezulu Okungathinta Ngayo Amadolobha Amakhulu Kunawo Wonke Emhlabeni." K37.

zokuvimbela ukungcoliswa nokucekelwa phansi kwemvelo; ukuthuthukiswa kokulondolozwa; nokulondoloza imvelo enthuthukweni ezinzile nokusebenzisa imithombo yemvelo kuyilapho kuthuthukiswa ezomnotho ezifanelekayo nezenhlalo.

Kusukela ngo-1994, ukubuswa kwemvelo kuye kancane kancane kwavulelwa uhulumeni nasezinhlelweni ezingezona ezikahulumeni ekuphishekeleni ama-SDG. Kunesibopho sokuhlanganisa imvelo, ukusetshenziswa kwemithombo, izici ezingokwenhlalo nezingokomnotho ekwenzeni izinqumo. Imvelo ibonakala njengesibonakaliso sentuthuko yomnotho wenhlalo nanjengesiqondiso ekwenzeni izinqumo.

Ukuze lezi zifiso nezindlela kusebenze, lokhu okulandelayo kuphakathi kwemitetho yemvelo ebalulekile okumelwe ishaywe:

- **I-MPRDA ka-2002**: yenza ilungiselelo lokungena okulinganayo nentuthuko ezinzile yezinto ezimbiwayo zesize nemithombo ye-petroleum. Inikeza izinkampani ezimbayo ukubekela eceleni Isikhwama sokuxhasa, imithombo eyanele yezezimali zokuvuselela ngemva kokuba izimayini zivaliwe. Lokhu kuvumelana nalokho uhulumeni wentando yabantu akuthola njengefa ekuhlukumezekeni kwezimayini ezingu-5,500 nezashiywa ngenxa yokungambi nemithombo eyanele yokuvuselela lezi zimayini. Eminyakeni yokugcina engu-25, kunezinye izimayini ezingu-1000 ezashiywa futhi zahlukunyezwa.
- **UMthetho i-National Environmental Management Act, (uMthetho 107 ka-1998):** unikeza ukubambisana kokubusa imvelo ngokumisa izimiso endabeni yokwenza izinqumo ezithinta imvelot.
- **UMthetho I-National Environmental Management: Air Quality, (Umthetho 39 ka-2004):** uguqula imithetho elawula izinga lomoya ukuze kuvikelwe imvelo, ngokunikeza izindlela zokuvimbela ukungcoliswa nokwehliswa kwemvelo.
- **UMthetho I-National Environmental Management: Biodiversity, (UMthetho 10 ka-2004):** Onikezwe ukuze kuphathwe futhi kulondolozwe izinhlobonhlobo zezinto eziphilayo zaseNingizimu Afrika.
- **UMthetho I-National Environmental Management: Protected Areas, (UMthetho 57 ka-2003):** Unikeza ukuvikela nokulondoloza izinto zemvelo ezimelelwe izinhlobonhlobo zezinto eziphilayo zaseNingizimu Afrika nezwe nezezilwandle zemvelo.
- **UMthetho I-National Environmental Management: Waste, (UMthetho 59 ka-2008):** ushintsha imithetho elawula ukulahlwa kwezinto ukuze kuvikelwe impilo nendawo, nokuvimbela ukungcoliswa nokucekelwa phansi kwemvelo.
- **UMthetho I-National Environmental Management: Integrated Coastal Management, (UMthetho 24 ka-2008):** Wamisa isimiso sokuhlanganisa ugu nokuphathwa kwezindawo zokuhlala, kuhlanganise nokuvamile, izindinganiso nemithetho ethuthukisa ukulondolozwa kwemvelo engasogwini.
- **UMthetho I-National Water, (UMthetho 36 ka-1998):** Unikeza ushintho emithethweni eyisisekelo ehlobene nemithombo yamanzi, uqaphela ukuthi amanzi ayaphela futhi anikezwa ngokungalingani ezweni lonke.



UTHI BEWAZI

UKUDLA OKUKHETHWA

abantu baseNingizimu Afrika ukudla okungu-6,24kg ngomuntu ukudla kwasolwandle unyaka ngamunye.

TUMnyango We-Environment Affairs (DEA) wamiswa ngo-2009, ngemva kokuba ube ingxenye yomnyango wezindaba zemvelo nezokuvakasha kusukela ngo-1994-2009. Lo mnyango wagunyaza "*ukunikeza ithonya lamalungelo ezakhamuzi emvelweni engalimazi impilo yazo noma inhlala-kahle nokuba nemvelo evikelwe ukuze kuzuze izizukulwane zamanje nezesikhathi esizayo. Ngenxa yalokho (unikeza).. .ubuholi bokuphathwa kwemvelo, ukulondolozwa nokuvikelwa kokuzinza ukuze kuzuze abantu baseNingizimu Afrika nomphakathi womhlaba wonke.*"[286]

Intuthuko ekuxoxeni ngokuguquguquka kwesimo sezulu

Intuthuko ngokuzifanelanisa kuhlanganisa, umthetho osebenzayo, ukuzibophezela komhlaba. Izinkampani

286 UMnyango Wezindaba Zemvelo, https://nationalgovernment.co.za/units/view/15/department-environmental-affairs.

ezibuthaka eziyinhloko njengezempilo, amanzi, ezokuhlaliswa kwabantu, izinhlobonhlobo zezinto eziphilayo nezolimo zenze izindlela zokufanelanisa ukuguquguquka kwesimo sezulu nezinto ezihlukahlukene Zokungenela ukuze kwakhiwe isivikelo nokuvikela imiphakathi ebuthakathaka.

Ukuze kuncishiswe ukuphuma, iNingizimu Afrika iye yakhulumisana nezibonelelo zokuzibophezela njengengxenye yemizamo yomhlaba wonke yokulondoloza izinga lokushisa lingabi ngaphezu kuka-1.5 degree Celsius. Uhlelo lokusetshenziswa kwemali emoyeni ongcolile eNingizimu Afrika kusaxoxwa ngalo, lilungiselela isimiso esiphoqayo esizoqala ngo-2020 ngokuvumelana neSivumelwano sase-Paris. Kuye kwamiswa intela ye-carbon, kusukela ngo-June 2019.

Izindima namalungiselelo ezikhungo ezisabele kuqala ekuguquguqukeni kwesimo sezulu ziye zahlolwa futhi zizosetshenziswa kucatshangelwa uMthetho wokuguquguquka kwesimo sezulu, okwamanje osesezinqubweni zasephalamende njengomthetho osavivinywa.

Nokho, iNingizimu Afrika iwumkhiphi we-GHG omkhulu kunabo bonke e-Afrika, futhi ingunombolo 16* ohlwini lokuphumayo emhlabeni wonke. Okuphumayo ngomuntu kuleli zwe kuphakeme kunakho konke emazweni asathuthuka, ngokuyinhloko ngenxa yokuthembela kwethu emalahleni, okusenza sibe abanye babakhiqizi bamandla abangcole kunabo bonke emhlabeni.

Isibonakaliso se-National GHG Emissions sikala empeleni okukhishwa iNingizimu Afrika kwe-GHG ikuqhathanisa ne-National GHG Emissions Trajectory Range ibhea u-2050 olandelayo njengozokhipha (u-583 Megatons (109 kg) (Mt) C02-eq and 614 Mt C02-eq ngo-2020 no-2025 ngokulandelana) kufinyelele (eminyakeni engu-10 (2026-2035) phakathi kuka-398 no-614 Mt C02-eq) kwehle ngenxa yezinto ezingenakushintsha (kusukela ngo-2036 kuye phakathi kuka-212 no-428 Mt C02-eq) njengophawu lokubonisa isinyathelo sokubonelela ukuphumelela kwe-GHG okwamanje esikalwa i-*National Oimate Change Response White Paper* ka-2011.

Nakuba idatha yangempela yokuphumayo okwamanje ithola kuphela ulwazi lwango-2015, uMnyango Wezindaba Zemvelo (DEA) ulungisa idatha kuze kufike ku-2018. Kuyaphawuleka ukuthi idatha ekhona ibonisa ukuthi esikukhiphayo kuye kwanda futhi kulandela inani eliphakeme kusukela ngonyaka ka-2000 ezinkampanini eziningi ezinengqikithi engu-23.1 %.[287] Nakuba inkampani yezinto ezilahlwayo ibonisa ukukhula kakhulu kwezinto ezikhishwayo zanda ngo-9.3%, inkampani yezamandla isalokhu ikhipha okukhulu kakhulu/inikela (phakathi kuka-78.1% no-81.2%) engqikithini yokukhishwayo ku-GHG eNingizimu Afrika futhi inomtwalo ka-84.8% wokwanda enkathini yeminyaka engu-15 ezayo.

Ukwenganyelwa nokuvikelwa kwemvelo

Ukusetshenziswa kwemithetho yemvelo kule minyaka engu-25 kuhlanganisa ukuvikelwa kwengqala-sizinda yemvelo. Ukwengamela imvelo manje futhi sekuyingxenye yohlelo futhi akusesona isidingo njengangaphambili. Izindleko zokuvuselela imvelo, ikakhulu izimayini ezishiyiwe, lapho izindlela zokulawula zingathintekanga kkhona, ziyaqhubeka ziikhula futhi zinethonya elibi ekukhuleni komnotho

Endabeni yesithasiselo sokukala izindawo ezivikelekile, amaphesenti amaningi ezwe ngaphansi kokuvikela aye anda esuka ku-4.9% ngo-1980 aya ku-8.6% ngo-2017 ingqikithi yendawo engu-1.2 million km2. Lokhu kulingana namazwe anjenge-Costa Rica ubukhulu bayo bungu-51,500 km2 futhi u-25% uyindawo evikelekile ne-Ethiopia ubukhulu bayo bungu-l.l million km2 futhi u-18.5% uyindawo evikelekile.[288]. Umgomo wezwe lonke owawubekelwe izindawo ezivikelekile ungu-17% ngo-2020, owawungu-8.6% ngo-2017, iNingizimu Afrika icishe yaziphinda kabili izindawo zayo ezivikelekile ngonyak owodwa, ukuze ifinyelele umgomo ka-17% ngo-2020.

287 DEA (2019), Umbiko We-GHG Wokubalwa, 2000-2015.

288 Ibhange Lomhlaba. Idathabheysi Yomhlaba Ezindaweni Ezivikelekile. Izindawo Ezivikelwe Emhlabeni (ingqikithi engu-% yezwe), https://data.worldbank.org/.

> iNingizimu Afrika iwumkhiphi we-GHG omkhulu kunabo bonke e-Afrika, futhi ingunombolo 16* ohlwini lokuphumayo emhlabeni wonke.

ISIVIVINYO

IMITHETHO YEZIMAYINI KUSUKELA NGO-1994 ENINGIZIMU AFRIKA

Ngo-1995, uhulumeni wentando yabantu wathola njengefa cishe izimayini ezicishe zibe ngu-5 500 ezazisesimweni esibi futhi ezashiywa, futhi uMbuso unecala ngalo mlawo wezimayini. Leli nani liye landa laba ngu-6 125 eminyakeni engu-25, lokho umnyango oye wakubhala kuyi-database yezimayini ezisesimweni esibi nezishiyiwe. Kusukela ngo-1994, uMbuso uye wavuselela izimayini ezingu-181.

UMthetho Wezinto Ezimbiwayo, ka-1991 (uMthetho 50 ka-1991) ne-MPRDA ka-2002 unikeza izincwadi zokumba esimweni lapho bebekela eceleni isikhwama esinemali eyanele yokuyivuselela lapho sekuseduze ukuba ivalwe. Lezi ziphakamiso, zenza izinkampani zezimayini zibe nomthwalo futhi zilandise, ngokungcoliswa kwemvelo futhi zizishukumisela ukuba zivuselele izindawo eziseduze kwezimaini zbuyele esimweni sazo semvelo.

Izindlela zokuzivuselela njenge-Environmental Management Plans (ama-EMP) enza amalungiselelo ezingxoxo phakathi kwezinkampani zezimayini nemiphakathi yezimayini ngethonya lokumba nokuvuselela. Lezi zimfuneko zama-EMP azisebenzi futhi ezimayini ngokomlando ezamiswa futhi zasebenza ngaphambi kokuba kube nohlaka olulawula imvelo.

Ukuvikela **Izinhlobonhlobo Zezinto Eziphilayo Emhlabeni** Isithasiselo sibonisa ukwanda kusuka ku-3.3% ngo-1980 kuya ku-6.3% ngo-2017. Ukwanda kwezwe lomhlaba ngaphansi kokulondolozwa ngokuhilela imiphakathi nabanini bezindawo abazimele bamapaki kuye kwenza ingqikithi yendawo engu-9% elondoloziwe ihlanganiswe eminyakeni engu-25.

Ngokuphawula kwamazwe ngamaze iNingizimu Afrika ime ku-10.0% (kusukela ngo-2017) ekufinyeleleni umgomo wayo ka- 2019 ongu-11.3% 2019 kuyi-International Aichi Biodiversity Targets efuna ukuba okungenani u-17% wendawo esezweni nesemanzini ilondolozwe futhi ilawulwe ngendlela efanele ngo-2020.

INingizimu Afrika okwamanje ineZindawo Zasemanzini Ezivikelwe (ama-MPA) angu-20, evikela izilwandle, izilwandlekazi, imifula emikhulu, namachibi amakhulu, avimba imisebenzi yabantu ngezinjongo zokulondoloza. Lokhu kubonisa ukuhlanganiswa okungu-5% kuphela. Ama-MPA amasha ayacatshangelwa, azothuthukis ukuvikelwa kwezilwandlekazi cishe ngo-50 000km^2, indawo enkulu kune-Kruger National Park ngezingxenye ezimbili nengxenye. Okwamanje, amalungelo okumba andulela amalungelo emvelo.

I-Environmental Protection Index 2018 yomhlaba (EPI). Isithasiselo sibeka iNingizimu Afrika endaweni engu-142 emazweni angu-180, kwezempilo nobungqabavu bemvelo[289].

Ukulandelela ngokushesha, inguquko yokunciphisa umnotho we-carbon nokumelana komphakati, kuye kwenziwa izinhlelo eziningi futhi zasetshenziswa ezingeni lezwe lonke. Lezi zihlanganisa: Ukulawulwa Kwezinto Ezilahlwayo, Izinto zokuhamba, Ukusabela Ekuguquguqukeni Kwesimo Sezulu, Ucwaningo lokufanelanisa, Ukulawulwa kwamandla Enele Nezimfuno Zamandla, Ukuvuselelwa Kwamandla, Ukulawulwa Kokulondolozwa Kwamanzi Nezimfuno, Ukubamba I-Carbon Nokulandelela noKusabela Kwemisebenzi Yezinhlelo Zomphakathi Ekuguquguqukeni kwesimo sezulu.

Ngaphezu kwalokho uhulumeni wasebenzisa Izinhlelo Zezinkampani Zokuguquguquka kwesimo sezulu ezikhuthaza ukufanelanisa nesimo sezulu nezinhlelo zokubonelela. Nokho iNingizimu Afrika iyaqhubeka ikhipha i-carbon eningi ngokweqile ngenxa yokuncika kwayou emandleni ezimbiwa.

Izinga lokungcola komoya eNingizimu Afrika lingu-29pg/ m^3,[290] lingaphezu kophawu lwe-WHO olungu-10

289 Inyuvesi Yase-Yale. 2019. Uhlu Lokusebenza Kwemvelo. Iwebhsaythi: https://epi.envirocenter.yale.edu/epi-topline.

290 World Bank data 2017

pg/ m³W0. Abantu baseNingizimu Afrika bachayeke nsuku zonke emazingeni ayingozi okungcoliswa komoya, okuyithinta kakhulu impilo nenhlala-kahle yabo. Nakuba imithombo eminingi ineqhaza kulokhu kungcola, izimboni ziwumthombo ophakeme, u-Eskom neSasol okungabangcolisi abakhulu kunabo bonke ezweni ikakhulu ezingxenyeni zeNingizimu Afrika: i-Vaal Triangle Airshed Priority Area (VTAPA), i-Highveld Priority Area (HPA), ne-Waterberg-Bojanala Priority Area.

Ngisho noma iNingizimu Afrika incike emalahleni njengomthombo wamandla oyinhloko, izindleko zomoya ongcolile empilweni yabantu nasekukhuleni komnotho waseNingizimu Afrika azikakaziwa futhi azikakaqashelwa. Ukungcoliswa komoya (PM) ingenye yezinto ezingcolisayo ezibulalayo, futhi ezinkulu kunazo zonke kwaziwa ukuthi zibulala abantu abaningi. Ucwaningo lwe-IGC lubonisa ukuthi u-7.4% wabo bonke abantu abafa eNingizimu Afrika ngo-2012 kwabangelwa ukuchaywa isikhathi eside kuyi-PM (particulate matter), okwabangela izwe izindleko ezingu-6% ze-GDP yayo. Kunesidingo sokucwaninga ngokwengeziwe nangokujulile ukuhlobana kokungcoliswa komoya nokufa, futhi ikakhulu njengoba kuthinta izingane.

Ukulondeka kwamanzi kuyinselele ebalulekile ebhekene neNingizimu Afrika futhi kuveza inselele enhlalakahleni yezenhlalo nokukhula komnotho. Ukusweleka kwamanzi eNingizimu Afrika kungaba kubi ngokushesha njengoba imithombo nezimfuno kukhula ngenxa yezimayini, ukukhula komnotho, iziteshi zamandla, ukwenza amadolobha, ukusetshenziswa okungazinzile, ukonakaliswa kwezindawo ezimanzi, ukuphelelwa amanzi nokuncipha kwemvula ngenxa yokuguquguquka kwesimo sezulu.Kuye kwaba nokuncipha kwemithombo yamanzi yombuso njengemifula nezindawo ezimanzi. Kunamazinga aphakeme okungcoliswa kwamanzi kwezinye izindawo.

Ngokombiko woMbuso Wemvelo ka-2012, kunezinhlobo zemifula yemvelo engu-223 ezimelela izinhlobonhlobo zemifula, u-57% usongelwa (u-25% usengozini enkulu, u-19% usengozini futhi u-13% ibuthaka). U-35% kuphela wemifula eyinhloko no-52% wemifudlana esesimweni esanelisayo. Izimo zesomiso esiphikelelayo ziye zonakalisa amanzi amaningi nezinga lawo futhi zavimbela umnotho nentuthuko yezenhlalo. Ukuwohloka nokunganakekelwa kahle kwengqala-sizinda njengokungaseenzi kwezinto eziqoqa amanzi angcolile nemishini nokungasebenzi kahle kwezindawo ezihlanza amanzi kwenza kungabi namanzi asezingeni nanele.

Ukungabikho kwamakhono adingekayo okuklama, ukunakekela nokulungisa isimiso sengqala-sizinda namazinga aphakeme kakhulu okuthwalisa isimiso saleyo ngqala-sizinda kuholela ekuwohlokeni kwemithombo okubiza kakhulu ukuyibuyisela emuva. Imifula i-Vaal ne-Crocodile rivers; ukungcoliswa kwamadamu i-Vaal ne-Hartbeespoort kuyisibonelo sokungcoliswa okukhulu nokuwohloka kwemithombo yemvelo.

Ukungalingani kwamanzi kusalokhu kuyinselele enkulu eNingizimu Afrika. Ngemva kweminyaka engu-25 yentando yabantu, angaphansi kuka-20% amanzi aya kubalimi abambalwa base-Afrika (abangaphezu kwezigidi ezimbili), kuyilapho amanzi angaphezu kuka-90% enikezwa abalimi abamhlophe abangaba ngu-30 000.2'1.[291].

Ukusetshenziswa kwezimiso Sendawo Emanzi okwaqala ngo-2000, okwatshalwa imali engaphezu kuka-R1 billion ekuvuselelweni kwezindawo ezimanzi. Kodwa kuningi okudingeka kwenziwe njengoba izindawo ezimanzi ziyingxenye yezinkonzo zengqala-sizinda njengokuhlanzwa kwamanzi nomoya.

IZINSELELE EZIPHIKELELAYO

> INingizimu Afrika okwamanje ineZindawo Zasemanzini Ezivikelwe (ama-MPA) angu-20, evikela izilwandle, izilwandlekazi, imifula emikhulu, namachibi amakhulu, avimba imisebenzi yabantu ngezinjongo zokulondoloza.

291 Van Koppen, B and Schreiner, B. 2018. Indlela exubile yokunika inkululekho emthethweni wamanzi e-Afrika. Umbiko Wesikhungo Socwaningo Sokuphathwa Kwamanzi Emhlabeni 173. k13.

Nakuba izinkampani eziyinhloko zinezindlela zokuzifanelanisa nesimo sezulu, ukusetshenziswa kwalokho kungenela kuntula umuzwa wokuphuthuma, ukusakazwa nokusetshenziswa kwemithombo okubi. Kunokutshalwa kwezimali nokubekwa eqhulwini kokusetshenziswa kwezinhlelo zokufanelanisa ukuguquguquka kwesimo sezulu nemiphakathi ebuthakathaka nguhulumeni nezinhlangano zezezimali.

Kunokuntuleka kwezingxoxo ezingagunci, ukuzibophezela nokubambisana kwabezenhlalo okuvula indlela yenguquko efanele, kuyilapho imiphakathi ebuthaka kakhulu nempofu nabantu bethintwa kakhulu yilolu shintsho nokuguquguquka kwesimo sezulu. Amandla nemithombo kuhulumeni wokusebenzisa imithetho, ukubonelela nezindlela zokufanelanisa akwanele.

Ngaphandle kwentuthuko ethile esiyithole eminyakeni engu-25, bekukokhu kunezinselele eziphikelelayo. Lezi zihlanganisa okulandelayo:

- Isimo samanje sokubusa imvelo hohlaka lwesimiso, nezikhala zako, akusetshenziswa, akuqashwa futhi akulawulwa ngendlela efanele ukuqiisekisa ukuvikeleka, intuthuko nokuvuselela ezemvelo zezwe, zezizukulwane zamanje nezesikhathi esizayo.
- Ukungalingani okukhulu ekusabalisweni kwemithombo yamanzi, ikakhulu kwezolimo, akuzinzile ikakhulu kukho kokubili ukulungisa ukungabi nabulungisa ngokomlando nasekwandiseni ukuba nesandla kanye nokukhula kwezolimo nasezinkampanini zezolimo.
- Ingcindezi emithonjeni yamanzi iyaqhubeka ikhula ezimayini ezithuthukayo naseziteshini zamandla, kwezamahlathi nentuthuko kwezokunisela kanye nengcindezi ebangelwa ukungalingani endabeni yamanzi nokulawulwa kwawo nangenxa yokuguquguquka kwesimo sezulu kuthinta ukuna kwezulu okunciphisa ukutholakala kwamanzi.
- Nakuba ukungcoliswa komoya kusalokhu kuyinselele enkulu kwezempilo, ihlobene ngokuyinhloko ukusetshenziswa kwezimbiwa eziteshini zamandla nasezintweni zokuhamba.
- Ukwehluleka ukusebenzisa uhlelo lokuthuthukisa nokuzinzisa impelo njengoba kwashiwo i-SPLUMA ka-2003.
- Ukushoda kwamakhona, amandla nemithomo eminyangweni nasezinhlakeni zikahulumeni ukulawula, ukuphoqelela nokugadwa kwemithetho nezimiso okuvikela imvelo. Ukungalingani kwamandla phakathi kwezindlu zezimayini nemiphakathi, kuhlanganise neminyango yemithombo, kubangela ukuba izinkampani ezinezimayini zizibalekele kalula izibopho zazo.
- Izinkampani ezizimele zisalokhu zingabangcolisi abayinhloko bokulahlwayo namanzi.
- Ukungalawulwa ngendlela kwezinto ezilahlwayo, izinhlelo zokunciphisa ukukhiqizwa kwezinto ezilahlwayo, kuhlanganise ipulastiki, i-polystyrene, nezinye izinto ezingashi; ukwehluleka komasipala ukuthatha udoti ngesikhathi nokuntuleka kokuhlanganisa umphakathi ekulawuleni ukujikeleza kukadoti; nokulawula okufanele kwezakhiwo zomhlaba.
- INingizimu Afrika lingelinye lamazwe ahlukahlukene kakhulu emhlabeni ngezilwane nezitshalo zethu. Uma zingathathwa izinyathelo ezinqala, sizoqhubeka silahlekela izinhlobonhlobo zezitshalo eziyingqayizivele nezilwane.



IZIPHAKAMISO

Ngokwe-RDP, sonke sinomthwalo njengezakhamuzi zikahulumeni, umphakathi, izinhlangano ezizimele ukuqinisekisa ukuthi okushiwo ngemvelo kuyinto eyinhloko ekwenzeni izinqumo. Ukuze lokhu kwenzeke kudingeka sakhele ezisekelweni zeminyaka engu-25 edlule. INingizimu Afrika kumelwe:

- Isungule futhi isebenzise uhlelo lwezwe lonke lokunciphisa ukukhishwa kwe-GHG, ikanye nemiphakathi, izinkampani ezizimele izinhlangano ezifanele zangaphakathi nabameleli bamazwe ngamazwe. Lolu hlelo kumelwe lube indima eyinhloko ngemiphakathi nezinhlangano zomphakathi ekulawuleni nasekukhuthazeni imvelo. Ukuhlola njalo okukhishwa i-GHG (inkampani), kufanele kushicilelwe minyaka yonke futhi kuqhathaniswe nemigomo yezwe ngokwezivumelwano zamazwe ngamazwe, kuhlanganise neSivumelwano sase-Paris.
- Ukwamukela indlela efanele yokuhlanganisa amandla ukuze kuhlangatshezwane nezidingo zentuthuko yezwe, ngokwesimo sokuzivumelanisa nokuguquguquka kwesimo sezulu nokubonelela, amandla ezimbiwa aseNingizimu Afrika kufanle abe khona futhi ancishiswe.
- Ukukhuthaza, ukutshala, ukukhuthaza nokusebenzisa ezobuchwepheshe zesimo sezulu ezihlakaniphile neziluhlaza, kuhlanganise izixwayiso zasekuqaleni kuzo zonke izimiso zikahulumeni, izinkampani ezimimele nezomphakathi, izintuthuko ezintsha nokuthuthukisa, kuhlanganise ezezimboni eziluhlaza, ezolimo, namadolobha amakhulu namancane ahlakaniphile. Uhlelo lwethu lwentuthuko kufanele lwenze amalungiselelo okuhlanganisa ezobuchwepheshe eziluhlaza nokuncishiswa kwe-carbon.
- Ukutshala imali nokukhuthaza isimo sezulu esihlakanihile nezolimo, ukuze kuqinisekiwe ukutshalwa kwezitshalo nemfuyo.
- Kuhlanganise ezemvelo nezesimo sezulu okuhlobene nezazi emgomweni nasemandleni okulawulwa kwezinhlekelele namaqembu ahlangansia ukusebenzisa i-SANDF.
- Uhlelo oselubekiwe lokuhlangabezana nomgomo ka-17% wokuvikela indawo ngo-2024, nokucabangela ukwandisa lomgomo udlulele ngale konyaka obekiwe. Izindawo Zamanzi Ezivikelwe kufanele zandiswe, zibe nemigomo emikhulu, ukuze zihlanganise zonke izindawo ezizwela kakhulu ukuze kusindiswe imvelo eyizinhlanzi nezinye izinhlobonhlobo zezilwane, ikakhulu izindawo lapho zizalela khona Nokulawulwa ngokuphumelelayo kwezindawo zemvelo ezivikelekile.
- Ukwakha nokukhulisa amandla ezobuchwepheshe nezazi, nokubeka imali eyanele ukuze kulawulwe kahle iminyango kahulumeni nezingxenye zikahulumeni.
- Ukwenza uhlelo lokufinyelela nokuqapha uhlaka, ukuze kudluliselwe amalunelo amanzi kubantu ababengakwazi ukuwathola ngaphambili.
- Ukuxoxa ngenhlekelele eyabangelwa ukungakwazi kukahulumeni wasekhaya (amandla, ulwazi, imithombo yezimali nentando yepolitiki) ukwandisa nokunakekela izindawo ezihlanza amanzi, kuhlanganise ucwaningo nokukhuthaza amathuluzi ezimali ukuba axoxe ngokushesha ngokusalela emuva.
- Ukusebenza nomphakathi, ukuqapha nokubona lapho inkampani ezimele elahle khona udoti emanzini ethu, nokuqinisekisa amathikithi nokuvinjwa, kuhlanganise isimiso sokukhokhela ukungcolisa, kuyasetshenziswa ukuze kuvimbele ukulahle udoti.

ISAHLUKO 12

Ukwenza UMbuso Nomphakathi Kube Intando Yeningi



PICTURE: DAILYMAVERICK.CO.ZA

-RDP yaqaphela ukuthi umbuso wobandlululo bewungameleli muntu, ungeyona intando yabantu futhi ucindezela kakhulu, "*owawungaphenduli ndawo ngisho nasezintweni owawuthi uyazimelela*." Ezomthetho, izinhlangano nezinhlaka zokubusa okwatholwa njengefa "*kwakulimele futhi kungafanele ekwakheni nasekuthuthukiseni*." Ngakho-ke, umbuso wawuntula ikhono namandla, futhi wawungakwazi noma ukuthinta izidingo nezinto ezingokoqobo zabantu abavamile, kungenamithwalo, ukuxhumana nohlelo olucacile.

Ezinkethweni zangezi-27 April 1994, ngokungenela koMthetho-sisekelo, lokho kwaletha uhulumeni wentando yabantu, negemithetho yokuqala yezwe lonke neyezifunda kanye noMengameli okhethwe ngentando yabantu.Lolu shintsho kwezepolitiki lwenza nokuba kumiswe nezikhulu zezwe lonke nezezifunda. Ukwamukelwa koMthetho-sisekelo ngo-1996 kwaletha nengalo yesithathu yentando yabantu kuhulumeni — ezamajaji. Zonke lezi zingalo zisekelwa izinhlangano ukuze ziqinise uMthetho-sisekelo wentando yabantu. Ekuthuthukiseni ngokwengeziwe intando yabantu, iphepha elivamile labavoti lahlanganiswa ngo-1996. Ekuthuthukiseni ngokwengeziwe intando yabantu, uhlu lwabavodi lwahlanganiswa ngo1996. Lokhu kwandulelwe izinketho zokuqala zohulumeni basemakhaya ngo-1995, ngakho kuletha ingxenye yesithathu yentando yabantu ezingeni lezikhulu namakhansela endawo.

UMthetho-sisekelo wabuye wamisa nobukhosi eNingizimu Afrika, uMbuso wentando yabantu oqondiswa izimiso zoMthetho-sisekelo, isimiso somthetho, intando yabantu nokulandisa, ukuhlukaniswa ukuhlola nokulinganisa amandla, ukubambisana kuhulumeni noshintsho lwamandla. Isahluko 2 soMthetho-sisekelo sinohlu lwamaLungelo Abantu (BOR), olubonakala "luyisisekelo sentando yabantu". I-BOR ibeka amalungelo nemithwalo yabo bonke abantu phambili, kuyilapho futhi iqinisekisa izindinganiso zentando yabantu, ukulingana nenkululeko. Ukushaywa kwemithetho eyahlukahlukene, umthetho nezinye izindlela kuye kwasetshenziswa ukuze kuqinisekiswe ukuqashelwa kwamalungelo abantu omphakathi nawepolitiki kanye namalungelo omnotho wenhlalo nawamasiko. Izinkantolo zibuye zibe abalamuleli abangabaphathi bezobulungisa.

I-RDP yathi "*abantu bazobusa*" nokuthi umbuso kumelwe uvule imithombo yezwe namathalenta ukuze ifinyelele izinga eligcwele, phakathi kokunye: (a) ukwenza bonke abantu baseNingizimu Afrika abadala babe nelungelo lokuvota (kungakhathaliseki uhlanga, izinga lezenhlalo, nobulili); (b) ukwenza umbuso ube owesimanje ukuze usebenze, uphumelele, usabele, ubonakale ngaleé futhi ulandise; (c) ukwenza izinhlangano esibambisene nazo zibe ezentando yabantu zisebenze nomphakathi nokuqinisa izinyonyana zezohwebo, ama-NPO nezinye izinhlangano zezenhlalo nezomphakathi ezisekelwe ezinhlanganweni kuyilapho zithuthukisa amakhono; (d) zinika izakhamuzi amandla; (e) nokulingana ngokobulili.

Ngenxa yalokho, iSahluko 10 soMthetho-sisekelo, eNgxenyeni 195(1), uthi ukulawulwa komphakathi kumelwe kwenziwe ngokuvumelana nezindinganiso nezimiso eziyisisekelo ezibekwe kuMthetho-sisekelo, nezimiso ezingu-9 zokulawulwa komphakathi. Ngokuphawula ukuthi uMthetho-sisekelo uthi enye intuthuko ehlobene nemigomo nezindinganiso zoMbuso. Lezi futhi zibuye zibe isiqondiso kuzo zonke izinhlaka zombuso, amabhizinisi omphakathi nokulawula kombuso kuzo zonke izingxenye zikahulumeni.

I-RDP, ewuhlaka oluhlangene, lomthetho womnotho wezenhlalo, ifuna ukuthuthukisa "*izindinganiso zokuphila nokulingana kwabo bonke abantu baseNingizimu Afrika phakathi komphakathi onokuthula nozinzile*" ngokushintsha "*indlela imithetho eyenziwa ngayo nendlela izinhlelo ezisetshenzisa ngayo nokuhlanganyela kwabantu ekwenzeni izinqumo*". I-RDP ihlanganisa ukukhula, intuthuko, nokuphinde kwakhiwe uhlaka lomthetho womnotho wezenhlalo, okudingekayo kuzo zonke izingxenye, izingalo, nezinhlangano zikahulumeni.

Uhlaka oluvamile lunikeza umbuso ububanzi nemithwalo ethile ehlobene nentuthuko eNingizimu Afrika nakubantu bayo. UMthetho-sisekelo ubuye uqaphele ukungabi nabulungisa kwesikhathi esidlule nesifiso sokwakha "iNingizimu Afrika yentando yabantu enobunye", okusho isimo semvelo sabantu baseNingizimu Afrika sentuthuko futhi kumelwe kuxoxwe ngezindlela ezingokomlando nezomnotho wenhlalo emphakathini wethu.

Ngenxa yalokho, umbuso kufanele ube (1) namandla okungenela kwezomnotho ngenxa yezinga eliphakeme lokukhula nomnotho ozinzile; (2) ikhono lokuxoxa ngezinselele zokungasebenzi, ubumpofu, nokungathuthukiswa ikakhulu kwamaqembu abuthakathaka, (3) ukuthanda ukukhuthaza ukunyakaza komphakathi uwonke ikakhulu abampofu, ukuze benze

okuthile ukuze bazikhulule ngokubamba iqhaza nokuba abameleli bentando yabantu.

Izinhlangano Ezincane Zombuso

Esimweni sokuqala sokwamukela uMthetho-sisekelo sethula intuthuko yoMthetho-sisekelo ohlakeni lokushaywa kwemithetho, ukuze kuqinisekiswe ukuthi intuthuko ezindaweni zaseNingizimu Afrika iyafinyelelwa futhi iyavikelwa. NgoMthetho-sisekelo, uMthetho-sisekelo ka-1996, nezingcezu ezihlukahlukene zokushaywa komthetho, igunya eminyangweni eyahlukahlukene kazwe lonke neyezifunda kulondekile. Ngo-1994, uMengameli wasiza abasizi bakaMengameli ababili, uNgqongqoshe Emnyango kaMengameli (ukuxhumanisa i-RDP) noNgqongqoshe abangu-16 be-GNU, ababemelela izinhlangano ezintathu zezepolitiki. Ngo-1996 inhlangano eyodwa yaphuma ku-GNU, kodwa yaqhubeka inesimo esingokomthetho sokuphikisana ekushayweni komthetho.

Ngonyaka ofanayo, amakomiti ahlukahlukene eKhabinethi abuye akhiwa futhi lawa aphelelisa i-Intergovernmental Forum (IGF) eyamiswa ngo-1994 ukuze "*ikhuthaze ukubambisana ezindabeni ezithinta zonke izingxenye ezintathu zikahulumeni... Ngokuyisisekelo ikhonza njengomkhulumeli kahulumeni futhi yaba ingxoxo yoNgqongqoshe, abaqondisi ohulumeni bezwe lonke nabezifunda ukuba bahlangane*"[292]

Ubuthakathaka obabonakala ngale ndlela baba ukuthi izinqumo zale Forum zazingabophi, yayinamalungu amaningi kakhulu okwenza ukuba ingalawuleki, futhi izingxoxo zayo zazingenazo izinhlelo zokufeza. Ngo-1997, abaphathi bokuqala bethula ifilosofi ethi Batho Pele - 'abantu kuqala' eNkonzweni Yomphakathi njengendlela yokuguqula indlela izinkonzo ezilethwa ngayo ukuze zihlanganise abantu ngokwengeziwe.

Okwalandela ukhetho lwesibili, ngo-1999 iKhabhinethi yaba nelinye Isekela Mengameli, uNgqongqoshe Emnyango kaMengameli (ukwengamela izinkinga ezihlobene nabesifazane, intsha nabantu abaphila nokukhubazeka), nabanye oNgqongqoshe abangu-27, bonke ababenegunya eminyango ehlukahlukene.

UMthetho I-Public Finance Management (PFMA) wethulwa ngo-1999 ukuze ukhuthaze ukusebenza nokuphumelela kanye nokuqinisa izinkampani zomphakathi ekuphathweni kwezezimali. I-PFMA yayifuna nokuba kupheleliswe i-1998 MTEF, eyangena esikhundleni somjikelezo wohlelo lokusetshenziswa kwemali. I-MTSF, i-Strategic Planning ne-Annual Performance plans zethulwa ngo-2001, ukusungula uhlelo lokuhlangana nohlelo lokusetshenziswa kwezimali ezingeni leminyango.

Ukuphathwa ngokwentando yabantu nakho kwethulwa ekubuseni okubumbene ngokubambisana ngezinhlelo zezinkampani njengoHlelo i-Integrated Rural Sustainable Development ne-URP, kanye namaqoqo ahlukahlukene kahulumeni, ngesicelo sokusekelwa ezokuphatha nge-Forum of South Africa's Directors-General (FOSAD), bonke abathola ubuholi kuyiKhansela LikaMengameli Lokuxhumanisa (elalakhiwa uMengameli, Ondunankulu Bezifunda nezimeya zomasipala abehlukahlukene). Lezi zapheleliswa umnyango nongqongqoshe bezinkampani namaLungu e-Executive Councils Meeting (ama-MINMEC).

Ngezinjongo zokusetshenziswa, izinhlangano zomphakathi ezingaphezu kuka-60 zasungulwa eminyakeni engu-10 yentando yabantu, eyaxhaswa kakhulu ngokudluliselwa kwemali kuo nanenzuzo yayo qobo. Le zinhlangano zalandela imithetho ethile yomphakathi nezindlela ze-PFMA, kodwa zazinenkululeko enkudlwana kuneminyango kahulumeni. Ukwanda kwalezi zinhlangano, kanye 'ukumela' izinkonzo zikahulumeni kuzo zonke izingxenye zikahulumeni ziyabonakala, ngaphandle kwakho konke ukulandisa okudingekayo kwezepolitiki.

Nakuba ezinye izinhlangano ziletha ngokusebenza ngempumelelo nezinguquko ezingeni lokuphila

> Inkululeko nokulinganiselwa kokulandisa kwezepolitiki kulezi zinhlangano kancane kancane kuba eminye yemithombo yokungaphathwa kahle kwezimali nenkohlakalo kuleminyaka engu-25 edlule.

292 UMnyango Wenkonzo Yomphakathi Nokulawula. 2003. Izinhlaka Zemishini Kahulumeni Nemisebenzi Kahulumeni, www.dpsa.gov.za/ dpsa2g/documents/lkm/mog.pdf.



UTHI BEWAZI

ISAHLUKO 9 IZINHLANGANO

I-Public Protector South African Human Rights Commission

iKhomishane Ethuthukisa Nevikela Amalungelo Amasiko, Ezenkolo NeKhomishane YeZilimi

Zomphakathi ye-Gender Equality Auditor-General Independent Electoral Commission

Independent Authority ukulawula i-Broadcasting Independent Communications Authority of South Africa

kwezakhamuzi, ngo-2012 lapho iKhomishane Yokuhlola KukaMengameli ama-SOE yaletha umbiko wayo, kwakunezinhlangano ezinjalo ezingu-715. Inkululeko nokulinganiselwa kokulandisa kwezepolitiki kwalezi zinhlangano kancan kancane kwaba umthombo wokungaphathwa kahle kwezimali nenkohlakalo eminyakeni engu-25.

Ngo-2004 kwakuneminyango engu-39 ezweni lonke, eyaba nesandla ezintweni ezithile 'nasemibhoshongweni' kahulumeni.Lokhukwenzakwabanesidingosokuthuthukisa iqoqo leminyango eyayisebenzelana nezinselele ezifanayo, kuyilapho zengamele iqoqo Lemisebenzi nezinhlelo ezihlangene ezakhiwa iKhabhinethi futhi lahambelana neqoqo le-FOSAD[293]. La maqoqo ayeyiZinkampani Zezenhlalo; Inkampani Yezomnotho; Ukutshala Imali Nomsebenzi, Ubuhlobo Bamazwe Ngamazwe, Ukuthula Nokulondeka; Ukuvimbela Ubugebengu Nokulondeka; Ukubusa Nokuphatha. La maqoqo anciphisa izingcezu futhi akhuthaza uhlelo oluthile oluhlangene nokwenziwa komsebenzi.

La maqoqo asekelwa uMengameli – ngokusekelwe eMthetheni Wokuxhumanisa Nezinkonzo Zokweluleka ukuze kuqinisekiswe ukubambisana okuqhubekayo kwentuthuko nokusetshenziswa komthetho kuzo zonke izinkampani, ngeQoqo Le-FOSAD nezinye izindlela zikahulumeni. Nokho, sekukonke ukugada, ithonya lokuhlola nokulandisa kwakusantuleka.

Ekugcineni, ngo-2005 uhulumeni wagunyaza uhlaka olubumbene lukaHulumeni – i-Wide M&E System (GWM&ES) yokuqondisa i-M&E kuhulumeni, ukumisa izimiso, izindinganiso nezimiso ze-M&E.

Ngemva kwezinketho zango-2009, ubuphathi besine obunoNgqongqoshe abangu-34 basekelwa oNgqongqoshe BakaMengameli abangu-28. IziNkonzo ezintsha ezamiswa zahlanganisa ezilandelayo: INkonzo KaMengameli Egada futhi Ihlole kanye Nokuphatha, iNkonzo Yokuhlela Ezweni Lonke KaMengameli, iNkonzo Yokuthuthukiswa Kwezomnotho, iNkonzo Yemfundo Eyisisekelo, iNkonzo Yemfundo Ephakeme Nokuqeqeshwa, iNkonzo Yamandla, iNkonzo Yezinto Ezimbiwayo, iNkonzo Yokulinywa Kwamahlathi Nokudoba, iNkonzo Yokuthuthukisa Emaphandleni Nokushintshwa Kwendawo neNkonzo Yokubambisana Kuhulumeni Nezindaba Zamasiko. I-NDR iNdlela Entsha Yokukhula Nemiphumela Yendlela Yokugada Nokuhlola yethulwa ukuze kuqiniswe amandla kahlulumeni ezingeni eliphansi. Ekufuneni ukuthuthukisa ukubambisana nokuthuthukisa ukulethwa kwezinkonzo, kwaphinde kwahlelwa amaqoqo aba mahlanu, okungukuthi: Izinhlangano Zezomnotho, Ukutshalwa Kwemali, Ukuthuthukiswa Kwemisebenzi Nengqalasizinda; Ukuvikelwa Ngokwezenhlalo, Ukuthuthukiswa Komphakathi Nabantu; Amandla Ombuso Okuphatha Nokuthuthukisa Inhlangano; Ubulungisa, Ukuvikeleka Ebugebengwini Nokulondeka; Nokubambisana Kwamazwe Ngamazwe, Ukuhweba Nokulondeka.

Le zinkampani zenza isimiso sokwenza izinto esenza zihlele futhi zifeze imigomo Yohlaka lukahulumeni. Isidingo sohlelo lwesikhathi eside lwabonakala futhi i-NPC yaxoxa ukuze yenze Uhlelo Lwentuthuko Yezwe Lonke. Lokhu kwafezwa ngokufeza eyakuthembisa ngo-2011 ne-NDP; uMbono 2030 wamukelwa ngo-2012.

Ukuguqula Uhulumeni Nomphakathi

Ifuna ukusiza abaphathi abangu-11 abazuzwe njengefa nokuguqula izinkonzo zomphakathi, uMthetho i-Public Services ka-1994 wamukelwa. Lo mthetho ulawula izinhlaka zenkonzo yomphakathi, izimiso, izindinganiso ne-

293 Department of Public Service and Administration. The Machinery of Government: Structures and Functions of Government. 2003.



Umdwebo 12.1: Inkonzo yomphakathi eqasha ngokobulili ngenkathi eqala ngo-1994 kuya ku-2018.
Umthombo: Department of Public Service and Administration.

mikhuba yokusebenza ekuqinisekiseni ukumelelwa, ukuphumelela nokusebenza kwenkonzo yomphakathi.

Ngo-1994 kwakunabantu abasebenzela uhulumeni abangu-1.2 million bekhonza abantu abangu-40 million baseNingizimu Afrika. Ngo-2001 kwakunabantu abangu-1 million kuphela ababesebenzela uhulumeni.[294] Cishe u25% wohlelo lukahulumeni lokusebenzisa imali lwaya kuma-consultants, cishe ngenxa yonswinyo lamandla olubhekene nezinkonzo zomphakathi ezincane ezidingekayo ukusekela abantu abaningi[295]. Ngo-2018 kwakunabantu abasebenzela uhulumeni abangu-2.69 million kuzo zonke izingxenye, naphezu kwezakhamuzi ezingabantu abangu-17.7 million. Ngokwe-ILO ngo-2014, ukuhlanganyela kwezinkampani zomphakathi emsebenzini kwaba ingqikithi engu-16.9% - e-India, e-Russia iSeychelles – yaba no-55%, 40% no- 36% ngokulandelana[296].

UMthetho i-Employment Equity ka-1998, wakhuthaza ushintsho kwezokusebenza nokulingana ngokukhuthaza amathuba alinganayo, ukuphathwa ngobulungisa nesinyathelo esiqinile. Ngenxa yalokho, abantu base-Afrika okwamanje bangu-77% abasebenza ezinkampanini zomphakathi, uma kuqhathaniswa nabangu-66% ezinkampanini ezizimele.297 Iminyaka engu-24 ngemva

> Inselele ephikelelayo eyabhekana nenkonzo yomphakathi ebanzi ibe ukulondoloza ukulandisa nokwethemba kezakhamuzi.

294 The Presidency. 2003. Ukuhlola Kweminyaka Eyishumi,kh. 12.
295 *Ibid*
296 International Labour Organisation. 2019. www.ilo.org/ilostat/faces/oracle/webcenter/portalapp/pagehierarchy/Page27 jspx?indicator=PSE_TPSE_GOV_NB&subject=EMP&datasetCode=A&collectionCode=YI&_adf.ctrlstate=17m2i1zor1_142&_afrLoop=896857208094212&_afrWindowMode=0&_afrWindowId=nichw5kcm_1#!%40%40%3Findicator%3DPSE_TPSE_GOV_NB%26_afrWindowId%3Dnichw5kcm_1%26subject%3DEMP%26_afr-Loop%3D896857208094212%26datasetCode%3DA%26collectionCode%3DYI%26_afrWindowMode%3D0%26_adf.ctrl-state%3Dnichw5kcm_57.

kwentando yeningi, uMbiko Waminyaka Yonke Wesi-17 Wekhomishane Yokulingana Kwezomsebenzi, wabika ukuthi abesifazane abangu-52% babesebenza ezinkampanini zomphakathi, kuqhathanisa no-44% ezinkampanini ezizimele. UMbiko Waminyaka Yonke Wesi-18 Wekhomishane Yokulingana Kwezomsebenzi, owakhululwa ngo-2018, ubonisa ukuthi ngo-2001 u-6% kuphela wezikhundla eziphakeme ezaziphethwe abantu abansundu, kanti babengu-14.3% kuphela ngo-2017.[297]

Naphezu kwezinyawo zabamhlophe ezakha u-5.1% wabantu abasebenzayo, basalokhu besezikhundleni eziphezulu ezingu-67%. Nokho, intuthuko iyabonakala lapho sebengu-87% abakulezo zikhundla ngo-2001. Abantu base-Afrika abasebenzayo bangu-42.7% kuphea abasezikhundleni eziphakeme bangu-14.3% kuphela futhi bangaphezu kuka-83.5% yabantu abasebenzayo abangenamakhono. Izinkampani ezizimele zinabantu abansundu abangu-10.9% kuphela abasezikhundleni eziphakeme ezinkampanini zomphakathi bangaphezu kuka-72% abantu abansundu abasezikhundleni eziphakeme. Nokho, ukubusa kwezinzalamizi kuzo zonke izinkampani abesifazane bakha u-32.6% kuphela abasezikhundleni eziphakeme futhi bangu-21.6% abasezikhundleni eziphakeme ezinkampanini ezizimele.

Abantu abaphila ngokukhubazeka benza u-1.3% kuphela wabo bonke abaphathi abaphezulu, nakuba ezweni lonke kwamukelwa umgomo ka-2%. Kunokumelelwa kwabesifazane okungu-41.3% ezikhundleni eziphezulu impela enkonzweni yomphakathi ngo-December 2018 ngesilinganiso sokwanda minyaka yonke ngephesenti elilodwa kusukela ngo-2009 lapho ukumelelwa kwakungu-34.8%.

Ukuthambekela kuboniswe esithombeni 12.1, esibonisa igebe phakathi kwabesifazane nabesilisa lalilikhulu ngokweqile futhi liyancipha ngo-2018. Lokhu kusho ukuthi ukuthuthukela ku-50/50 kuyenzeka, kodwa kunezinye izindlela zokuya phambili ekulinganeni. Kulokhu kuthambekela, kubonakala sengathi ukulingana okungu-50/50 ezingeni le-SMS eNkonzweni Yomphakathi liyofinyelelwa kuphela ngo-2027.

Izinkampani zomphakathi ziye zakwazi ngokucacile ukuguqula imithetho yousebenza okuyizinga elikhulu kunezinkampani ezizimele. Ziye zaqasha ingxenye enkulu kokubili yabesifazane nabasebenzi abansundu ezinkampanini, amaqembu ayebandlululwa ngaphansi kobandlululo. Ngenxa yomlando wamakhono, izinkampani zomphakathi ziwaqinisa kakhulu amakhono. Cishe u-45% wabo bonke abasebenza ezinkampanini zomphakathi basezigabeni eziphezulu ezintathu uma kuqhathaniswa no-26% ezinkampanini ezizimele. Nokho, zombili izinkampani zinabasebenzi abalinganayo abangenamakhono. Lokhu kubonisa ukuthi izinkampani ezizimele zigxile kubasebenzi abanamakhono asesilinganisweni.

Inselele eqhubekayo inkonzo yomphakathi ebanzi ebhekene nayo eyokulondoloza ukulandisa nokwethenjwa izakhamuzi. IKhomishane Yenkonzo Yomphakathi (PSC) noMhloli Mabhuku WaseNingizimu Afrika, kanye nezinye izinhlangano ezihlobene njengeHhovisi Lomvikelo Womphakathi ziye zadlala indima ebalulekile kule ndaba. Lezi ziye zapheleliswa izinyathelo ezinjengoMthetho i-Promotion of Administrative Justice, (uMthetho 3 ka-2000), uMthetho Wokuziphatha Ne-Hodine Yokulwa Nenkohlakalo, eye yasiza ekunciphiseni ukuphathwa kabi nenkohlakalo eNkonzweni Yomphakathi. Ukuya phambili, uMbuso kumelwe unqobe intando eshukumisela izinguquko emphakathini ukuze kuqinisekiswe ukuthi ukusetshenziswa komthetho okuholela entuthukweni ezinzile ethuthukisa ukuphila kwabo bonke abantu. Kumelwe futhi kube okufanele futhi kuphumelele ukuhlela ngokuphumelelayo amandla okuqondisa ukusetshenziswa kwemithetho nezimfuno zangaphakathi zesikhathi esifushane.

IZINSELELE EZIPHIKELELAYO

Ngokuvamile, ukunqoba le nselele kwachazwa kahle kakhulu owayengu-Statistician-General owathi "kunomkhuhlane wokudlulisela imisebenzi nezitatimende eziyimibono njengezinhlelo". Inselele ayikona ukusebenzisa, kodwa kunalokho ukuntuleka kohlelo olufanele nolunemininingwane.

Ngaphandle kwezinhlelo ezinemininingwane zenkonzo yomphakathi, ukufeza kuhlale kungenakwenzeka. Uhlelo olunjalo kufanele lugxile emisebenzini nasemigomeni ebekwe i-NDP, futhi kufanele ikhumbule ukuzibophezela kwezwekazi Ukuthuthukiswa kwe-(I-Agenda 2063 Ye-AU), kanye nokuthuthukiswa kwe-agenda yomhlaba wonke ezinzile phakathi ne-UN (ama-SDG)..

Kanye nohlelo oluningiliziwe kufanele kuhlanganiswe embuzweni oyinhloko wokuthi umbuso kufanele uhlele kanjani ukufeza lolu hlelo olunemininingwane, imuphi umbuzo okufanele ulandele uhlobo noma indlela yenkonzo yomphakathi nabambabisene nawo okufanele bakhuthaze futhi bafinyelele lolu hlelo.

Izinselele eziqondile ezihlangananyo neziphikelelayo zingafakwa ezigabeni ezine, eziyilezi, (1) Izinga Lokufinyelela Imigomo, (2) Izinga Lezinhlangano, (3) Izinga Lokusebenza, (4) Nosiko Lokuhlela.

297 UMnyango Wezabasebenzi. 2017. IKhomishini ye-17 Yonyaka Wokuqashwa Ngokulingana: 2016-2017.


"The knowledge economy and development opportunities"
STATE OF THE NATION ADDRESS
9 February 2012
PARLIAMENT
www.parliament.gov.za

Izinga lokufinyelela imigomo

Inkinga yangempela ukuthi lukhona yini uhlelo oluhlelwe kahle nendlela ehlosiwe eqondisa ngokuphumelelayo lwezinkonzo zomphakathi, futhi uma kunezindlela ezilinganayo zokushintsha okuhlosiwe kube imithetho, izinhlelo zokuphathwa kwezinto zomphakathi. Ngakhoke, iNingizimu Afrika idinga uHlelo Oluyinhloko Lwentuthuko okufanele lusetshenziswe kuzo zonke izinkampani nasemagatsheni kahulumeni.

Ukuphinde kuhlukaniswe kuvame ukwenziwa ezweni lonke (isib. izwe), nakuba ezinye izinto njengezindlu zihlanganyelwa kuzo zontathu izici. Kunokubhaliwe nje kwezinye izinto njengezindlu, lapho lokhu kuhlanganyela kwenzeka khona.
Ingxenye yale nselele ukuntuleka kwendawo ecacile yendima yokubambisana okuyinhloko. Izindawo zentuthuko eziphumelela kakhulu zinesikhungo esiyinhloko sokubambisana esvula indlela ekuguqulweni komnotho. Indima eyinhloko yokubambisana ukubeka eqhulwini zonke izinto eziphathelene nohulumeni, inkonzo, nohlelo lweminyango, uhlelo lokusebenzisa imali nokubeka eqhulwini izinto ezifanele nokufeza okubambisene.

Emphakathini onezinga eliphezulu lokungalingani njengeNingizimu Afrika, mhlawumbe isici esibaluleke kakhulu sokuphumelela kombuso izinga lawo lokuphinde uhlukanise. UMbuso kumelwe ukwazi ukushintsha izimfuno eziphikisanayo zomphakathi zibe umthetho owodwa osetshenziswa umphakathi. Umbuso kumelwe ungenele ngezindlela ezingavamile ukuze ulungise umlando wokungalingani futhi udale amathuba ezakhamuzi zawo futhi uthole ukusekelwa amazwe aphesheya ngokwenza lokho.

Lokhu okungenhla kusikisela ukuthi, ekugcineni, isimiso sohlelo lombuso namazinga ahlobene naso ahlangene ekwenzeni izici ezihlukahlukene zibumbane nokwenza amazinga enkonzo yombuso/yomphakathi aphumelele.

Izinga lezinhlangano

Ukuhlola izinga lamanje lezinhlangano ezengamele umphakathi kubalulekile ekuvuseleleni imizamo yokuthuthukisa umbuso nenkonzo yomphakathi. Empeleni, umbuso wentando yabantu uye wasebenza ngezinga elikhulu lenhlangano eyalithola embusweni wobandlululo, osunesikhathi eside ukhonza uNgqongqoshe WaseKhabhinethi abhekisela kukho ngokuthi '*iminyango yenhlangano*'. Le sibonelo siye sahlotshaniswa nenqubo ebizayo okuthiwa '*ukusungulwa kwabameleli*' bombuso, okuyizindlela eziyinhloko zombuso okhetha ngazo abameleli nezinhlangano zomphakathi, eziye zakhula kakhulu ngokuhamba kwesikhathi. Lokhu kukhulisa ukuhlanganisa nokubambisana ekuhleleni nasekuletheni izinkonzo, kanye nobunye nokuqhubeka kwezinjongo zenkonzo yomphakathi.

Ikhono lezobuchwepheshe

Izinkathazo ezibikwa njalo zokushoda kwemisebenzi namakhono okuphatha phakathi enkonzweni yomphakathi nokuthola ochwepheshe kwezinye izindawo nezinkonzo zokusebenza kuyinselele edinga ukulungiswa.
Umbuso udinga uhlelo olusebenzayo lokuqinisa ezokusebenza namakhono ezazi enkonzweni, kanye nokuqinisekisa izindlela zomsebenzi ezicacile namakhono okphatha nokusebenza. Njengoba kutuswa kuyi-NDP, umbuso kufanele uqinisekise ukuthi inkonzo yomphakathi ibhekwa njengomsebenzi odinga amathalenta namakhono amahle kakhulu ezweni.

Izinkampani zomphakathi zidinga ukuba nombono wesikhathi eside wezwe lonke yokuqeqesha enkonzweni yomphakathi nezinga lokwakha. Ukuhlanganiswa okunengqondo okubangelwa inselele yokuphathwa kwezepolitiki ukuthi amathalenta namakhono abantu cishe awakhangwa inkonzo yomphakathi uma kuqashwa futhi kunikezwa izikhundla eziphezulu ezilawulwa omashiqela.

I-NDP isebenzisa uHlelo I-Graduate Recruitment and Training elizoqasha abantu abanamathalenta aphezulu abavela ngokuqondile emanyuvesi futhi lihlele abantu ukuba basebenze ekuthuthukiseni nasekuqeqesheni. Kunezinkonzo zomphakathi ezimbalwa, uma zikhona, eziphumelelayo emhlabeni ezingasebenzisi ezinye izinhlobo noma ezinye izinhlelo ezinjalo.

Usiko lokuhlela

Ukuqinisa ukuhlobana phakathi kombuso nenkonzo yomphakathi okudinga ukuphathwa komphakathi ukuze kufinyelelwe iziqubulo zentuthuko Nezindlela zokusebenza eziqinile nekhono lokuhlela ukuze kushintshwe imigomo yoMbuso ibe imithetho edingekayo, izinhlelo nezindlela.

Intuthuko yombuso kumelwe iqiniswe ukungenela kwayo kwezomnotho, ezenhlalo nobuhlobo nendawo ngenxa yezakhamuzi ezinomlando wokuhlupheka. Lezi zihlanganisa abesifazane, abantu baseNingizimu Afrika abahlala emaphandleni nentsha. Kumelwe sikhuthaze nesiqubulo esithi 'Batho Pele'. Izwe kumelwe likhuthaze ukungenela nezinhlangano ezifuna ukwakha amazinga okwakha inkonzo yomphakathi ukuze kuthuthukiswe i-agenda.

UHULUMENI WASEKHAYA

Ukuvumbuka kohulumeni basekhaya

Ngemva kokhetho lwezwe lonke lwentando yabantu ngo-1994, kwaba nezinketho zikahulumeni wasekhaya ngo-1995, ngaphansi kwe-Interim Constitution. Ngo-1996, kwamukelwa uMthetho-sisekelo futhi waveza izinto esizesithombeni 12.2, ezinye ezilakanyanayo. Uhulumeni

wasekhaya uhlose ukwakha ezazo izindlela zokwenza izimali nezokuphatha ukuze ufinyelele le migomo, usebenza ngokubambisana nohulumeni kazwelonke nowezifunda njengezigodi, izinhlaka ezizimele nezihlangene zikahulumeni.

Ukuze lokhu kwenzeke, kwahlanganiswa izingcezu eziningana zokushaywa kwemithetho, kuhlanganise uMthetho Wemingcele Yomasipala, Ka-1998 (Umthetho 27 ka-1998), uMthetho Wezinhlaka ZikaMasipala, ka-1998, uMthetho Wezimiso ZikaMasipala, ka-2000 (Umthetho 32 ka-2000) noMthetho Wokuphathwa Kwezimali ZikaMasipala ka-2003.

Ukudluliswa kwalezi zingcezu zokushaywa kwemithetho kwandulelwa uchungechunge lwezingxoxo zangaphakathi, ezahlelwa ngenxa yezimfuno zokuhlanganisa omasibala



IZIPHAKAMISO

Ekunqobeni izinselele ezine eziphikelelayo noma imibuzo ekhathazayo okugxilwe kuyo kumelwe kunikezwe uhlelo oluneminingwane, oluhlanganisa Izinhlelo Zentuthuko Ebumbene, okumelwe ikwazi ukwenza umbuso udlale indima yawo yokuhlukanisa ngokwengeziwe. Lokhu kuyodinga indawo yokuhlola ukusebenza okumelwe ithole zonke izinto ezidingekayo. Lokhu kufanele kuhambisane nokuhlolwa okuningiliziwe kwamanje kwezinhlangano zokuphatha komphakathi kuzo zonke izinhlobo nezici ukuze sivuselele imizamo yokuthuthukisa ukusebebenza kombuso nenkonzo yomphakathi. Akungabazeki ukuthi lokho kuhlola kuzokwembula nokushoda komsebenzi nosiko lwenhlangano okuzodinga isinyathelo ngokushesha. Ezinyathelweni eziyinhloko ezithathwayo kuzodingeka:

- Ukuphinde kulungiswe inkonzo yomphakathi endabeni yesimo/ubukhulu, neprofayili yamakhono nokuhlela uuze kufinyelelwe imigomo yezwelonke yomnotho wezenhlalo;
- Ukuhlola okwengeziwe nokwenziwa kwenkonzo eyodwa yomphakathi ukuze kuqinisekiswe ukusetshenziswa kwamakhono akhona kuyilapho kusingathwa izindawo 'ezizithola kancane izinkonzo';
- Ukwenza ukuhlola okuqinisekisiwe nokwamazwe ngamazwe kokusetshenziswa kwemali kwabasebenzi okuhlanganisa izici ezintathu zikahulumeni, sinombono wokuthuthukisa nokusebenzisa indlela yokulungisa ehlangansa iminyango yezwelonke neyezifunda, nomasipala.
- Ukungenela enkingeni yeminyango emazingeni ezweni lonke nawezifunda;
- Ukuthuthukisa izindlela zokuletha izinkonzo kufanele kuhlolwe ukuze kubonwe ukuthi zisebenza kahle kangakanani, inokuthi kukuphi lapho kudingeka kuthuthukiswe khona ukusebenza kwazo. Lokhu kufanele kuhambisane nokuphoqelelwa ukuba kuvumelane nezindinganiso zenkonzo, njengendinganiso ethi Batho Pele;
- Intuthuko kwezobuchwepheshe kufanele isetshenziswe ukuze amabhizinisi ahambisane nezinqubo zamanje ezinkampanini zomphakathi nokwenza izinkonzo zitholakale ngokwengeziwe futhi kube lula ukuzisebenzisa;
- Ukwakha izimilo nokulandisa kwezinkampani zomphakathi kudinga kuthathwe isinyathelo esisheshayo sokususa inkohlakalo.

Izinhlelo ze-NDP (2011) ziveze inselele engacacile yokulandisa phakathi kwabasebenzela umphakathi nezikhulu zabo zepolitiki ikakhulu lapho izinhlangano zepolitiki zikhathazekile. Ngenxa yalokho i-NDP (2012) yatusa ukumiswa kwe-Hhovisi Lokuphatha Okuyinhloko Kwezinkonzo Zomphakathi ukuqinisekisa izinhlelo zokuphatha kuhulumeni iMinyango Eyinhloko, empeleni ezazingeke zisebenzise ezepolitiki ezikhundleni zomsebenzi kahulumeni. Ukuphatha kabi kwezepolitiki kusalokhu kuyinselele njenoba kuboniswe ukungasebenzi kahle komasipala abathile nezifunda, futhi kubhekwa njengenye yezimbangela zokubanjwa kombuso ngobhongwane kuma-SOE. Ngakhoke, kunconya ukuthi kumelwe kuthathwe izinyathelo ezingqala ekungeneni kwama-SOE kuyipolitiki. Umthetho Wenkonzo Yomphakathi Ka-1994 kumelwe ulungiswe endabeni yezepolitki kanye nezinhlelo zokuphatha ukuze kuqinisekiswe inkonzo yomphakathi esezingeni eliphezulu. Okusikiselwa i-NDP ezindleleni zokwakha intuthuko yombuso okuhlanganisa ukuqinisekisa inkonzo yomphakathi njengomsebenzi ongazikhethela wona, kumelwe usetshenziswe ngokushesha.

abangenalo ubandlululo ngesisekelo sentela eyodwa. Lokhu kuye kwenza nokuba kubanjwe iqhaza okusezingeni eliphakeme, inqubo yezingxoxo zenguquko. Lokhu kuye kwaholela ekuhlanganisweni komasipala abangu-1 262 benkathi yobandlulo baba omasipala beziphathimandla zendawo abangu-843 phakathi nezinketho zokuqala zentando yabantu zohulumeni basekhaya ngo-1995/96. Ngemva kokunyatheliswa KwePhepha Elimhlophe Likahulumeni wasekhaya, nokusetshenziswa kohlaka lokushaywa kwemithetho isimiso sikahulumeni wasekhaya. (UMthetho Wemingcele, ka-1998, uMthetho Wezinhlaka ZikaMasipala, ka-1998, uMthetho Wezimiso ZikaMasipala, ka-2000) kwenzeka ukuhlanganiswa okwengeziwe kwezainhlaka zikahulumeni wasekhaya – ukuhlanganiswa komasipala abasha abangu-284 ezinkethweni zango-2000 zohulumeni basekhaya.

Naphezu kokuhlanganiswa kwamadolobha namalokishi, ifa lokuma kwezindawo elashiywa uhulumeni wobandlululo liye labangela ukuhlanganiswa kabanzi komasipala abanamazinga ahlukahlukene nezintela.

Ngo-2000, uhulumeni wamemezela uhlelo Lwezinkonzo Zamahhala Eziyisisekelo emindenini ehluphekayo, okwakuyoqinisekisa ukuthi izinkonzo ezibalulekile ziba zikhokhelwa imali esesilinganisweni. Le zinkonzo zemindeni ehluphekayo zazisekelwe 'ekuhlanganyeleni okulinganayo' kwezwe lonke' kokuphakamisa intela okukuMthetho-sisekelo. Ngaphezu kwalokho, uhulumeni wamisa izinhlobonhlobo zezibonelelo zikahulumeni zemisebenzi ethile nezinkonzo. Ngokuyisisekelo, ukudlulisela kuhulumeni wasekhaya kuye kwakhula ngaphezu kwezikhathi eziyishumi phakathi nenkathi ka-1998/99 kuya ku-2017/18, manje osekuyingqikithi engaba ngu-R110 billion. Sekuhlangene nentela yabo, ingqikithi yentela kahulumeni wasekhaya manje isicishe ibe ngu-25% yengqikithi yemali esetshenziswa uhulumeni. Lokhu kubangela ukuzibophezela kokusebenzisa imali kahle, nakuba ohulumeni basekhaya abahlelekile baye bazwakalisa ukukhathazeka ngokushoda kwemali kahulumeni oyinhloko.

Ukuletha Izinkonzo eziyisisekelo

Kube nentuthuko ehlaba umxhwele ngokunikezwa kwezinkonzo zengqala-sizinda. Ngo-1996, izindlu eziyizigidi ezingu-7.23 zafakelwa amapayipi amanzi. Ngo-2017, lokhu kwafinyelela izindlu eziyizigidi ezingu-14.35. Kube nokukhula okuhlaba umxhwele ekufakweni kwamapayipi amanzi kwezinye izindlu eziyizigidi ezingu-7.12 Nezindlu phakathi kuka-1996 no-2017. Endabeni yokukhucululwa kwendle ngo-1996, kwaba nje izindlu eziyizigidi ezingu-4.5 izigidi ezathola le nkonzo. Ngo-2017, lokhu kuye kwakhula kwaba izindlu eziyizigidi ezingu-13.32 (nomaor 82.2% wezindlu eziyizigidi ezingu-16.2 ngo-2017). Ngokufanayo, endabeni yokufakelwa ugesi, kwafakwa ugesi ezindlini ezintsha eziyizigidi ezingu-4.7 kusukela ngo-1994, futhi ngo-2017 zaba ngu- 84.4% (noma izigidi ezingu-13.7) ezase zifakelwe ugesi.[298]

IZINSELELE EZIPHIKELELAYO

Amaphesenti ezindlu ezazilandelwa udoti kanye ngeviki zanda zisuka ku-56.1% ngo-2002 zaya ku-65.9% ngo-2017. Ukwanda ngendawo nangobukhulu bokulethwa kwezinkonzo kuye kwanezela izingcindezi kohulumeni

298 StatsSA: Inhlolo-vo Yemindeni Evamile, 2017



Umdwebo 12.2: Imigomo kahulumeni wasekhaya ngokweNgxenye 152. yoMthetho-sisekelo WaseRiphabhuliki YaseNingizimu Afrika yango-1996.



Umdwebo 12.3: Isifushaniso sesimiso sohlelo lohulumeni basekhaya.

basekhaya, ikakhulu labo abasezindaweni ezihluphekayo abangakwazi ukuthola inzuzo enkulu. Ngo-2018 kuphela, inani lomasipala elaba nengcindezi yezezimali landa lisuka ku-95 laya ku-128 kusukela ngo-2017. Okwamanje, kunomasipala abangu-64 abangenamali, nabangu136 abanemali yokuhlanganisa izindleko ezingaphansi kwenyanga eyodwa. Ingqikithi yomasipala abangu-113 bamukela "izinhlelo zokusetshenziswa kwemali ezingafakwanga esikhwameni" ngonyaka wezimali ka-2018/19.

Ukungabi namandla kwemindeni ukukhokhela izinkonzo, futhi ngokwe-StatsSA: General Household Survey, kuhlanganisa nonkungakwazi komasipala ukuqoqa imali yawo ngo-2017, okwaba nomphumela wokuba omasipala abangu-115 babike ukwanda kwezikweleti ngaphezu kuka-20%. Lokhu kwabalimaza kakhulu omasipala kwabenza bangakwazi ukukhokha izikweleti zawo, ezingaphezu kwamaRandi angu-21 billion okwamane esinenzalo – kuhlanganise nengaphezu kuka-R10.7 billion abayikweleta u-Eskom nengaphezu kuka-R5.5 billion yamanzi.

Kunezinkinga zesimiso ezinkulu ezibangela lokhu, lezi zihlanganisa: ukuphindeka kabili kwezakhiwo nemisebenzi phakathi kwezindawo nezifodi nomasipala basekhaya; ukungaqondiswa kahle noma ukwenziwa ngendlela engafanele kwemisebenzi okungekhona ukuncintisana kwabo okuyinhloko; ukungaxhaswa noma ukuxhaswa kancane kwezinto ezidingekayo isib. Umtapo, izinkonzo zezempilo eziyinhloko; nethonya lwezinto ezihlanganiswayo. Esinye isifundo esisithola eminyakeni engu-20 edlule ekuhlanganiseni uhulumeni wasekhaya ukuthi ukuhlanganisa omasipala ababili abangasebenzi noma abaphandi kwengcindezi akuvezi umasipala osebenzayo.

Kunomehluko omkhulu ebukhulwini nasemazingeni omasipala abaphethe amadolobha amakhulu anezinhlelo zokusebenzisa imali ezinkulu kuneminyango eminingi kahulumeni, kuyilapho omasipala basemaphandleni abancane kuqabukela bekwazi ukwenza imisebenzi. Njengoba kuboniswe esithombeni 12.3 cishe u-40% wabantu baseNingizimu Afrika ababalala ezindlini ezinkulu 'Isigaba A' omasipala abasemadolobheni amakhulu. Ngaphandle kwamadolobha amakhulu, njengoba Bangaphezu kuka-60% abantu baseNingizimu Afrika ababuswa isimiso sokuboshwa kabili kweSifunda (Isigaba C) nomasipala bezindawao (Isigaba B). Omasipala bezindawo bahlelwa ngobukhulu, kuhlanganise amadolobha amakhulu angawesibili (B1), amadolobha amakhulu (B2), amadolobha amancane (B3) nomasipala basemaphandleni (B4).

Omasipala basemaphandleni banezinga eliphakeme kakhulu labantu abampofu, futhi abaningi bancike kakhulu ezibonelelweni zikahulumeni, ngokwesilinganiso bathola umholo ongaphezu kwamakota amathathu ezibonelelweni zikahulumeni ngokuyinhloko.Amadolobha amancane athembele ezibonelweni zikahulumeni wezwe lonke ezingu-44% wemali abayitholayo futhi zinabantu abaningi abampofu kunabakomasipala abakhulu.

Omasipala bezigodi banezinga eliphakeme kakhulu lokuthembela ezibonelelweni zikahulumeni (ngaphezu kuka-80%) kungakhathaliseki ukuthi iziphathimandla zenkonzo yamanzi noma cha, okubonisa ukungakwazi ukuqoqa imali yabo ngisho noma bezinikezile izinkonzo. Ngokwesibonelo, uMasipala i-Overstrand Municipality Entshonalanga Kapa ukwazi ukusebenzisa imali engu-R14 134 ngomuntu, kuyilapho uMasipala wakwa-Nongoma Municipality enyakatho yeKwaZulu-Natal yasebenzisa kuphela imali engu-R1 136 ngomuntu – umehluko omkhulu walokho uhulumeni wasekhaya ongakwenzela abantu abahlala ezindaweni ezihlukahlukene zezwe. Ngaphezu kwalokho, cishe ingxenye yesithathu yabantu ehlala emiphakathini yezindawo zamakhosi, ezihlala zingaphandle kakhulu kuhulumeni wasekhaya okhokhiswa intela nohlelo lwesimiso sikamasipala.

Uhlu lwezinkinga zangaphakathi zibangela le nhlekelele, eyinhloko kuzo ukwehluleka kobuholi nokulandisa. Ubuholi obubuthaka bubonisa amakhansela angaphumeleli, angazinzile, nezinhlaka zikahulumeni, ukuphatha okungazinzile nobuhlobo obunezingxabano phakathi kwabaholi bezepolitiki nabaphathi. Kunanezinkinga ezinkulu zabasebenzi, kuhlanganise ingxenye ephakeme yezikhala zemisebenzi, nokungabikho kwabaphathi abafanelekayo nama-CFO. Kunanezinkinga ezihlobene nokuphathwa kwemali, kuhlanganise uhlelo olubuthaka lamazinga lokusetshenziswa kwemali. Uhlelo lokusetshenziswa kwemali olungasebenzi. Izindawo ezingenele zokulungiswa kwengqala-sizinda nokuyinakekela nokuphathwa kwempahla, ukulawula kwangaphakathi okubuthaka namazinga aphansi okuqoqa imali.

Ikakhulu, ukuhlolwa kokusebenza kohulumeni basekhaya kwembule okulandelayo:

- Naphezu kwezinto ezifinyelelwe eminyakeni engu-25 edlule, intuthuko yamanje ayikulethi ukukhula kwezomnotho okwanele, ukufakwa kwezenhlalo noma indawo yokubumbana, futhi ayizinzile emalini kahulumeni. Isimiso esisebenzayo sidinga ukuba kubhekwe umehluko phakathi komasipala, ukukhuthaza ukulungisa, ukubambisana mayelana nemingcele nokwenza ukulandisa ngomsebenzi.
- Ukuphathwa kabi kwemali zezinkonzo eziyinhloko zokuhweba zamanzi nogesi nesikweleti sikamasipala ku-Eskom nezinkampani Zamanzi zinengxenye ekubekeni engozini ingqala-sizinda. Ngesikhathi esifanayo, ukutshalwa kwemali encane ezimisweni zokuphathwa kwempahla nokulungisa nokunakekela kubukela phansi ingqala-sizinda yamanzi nekagesi futhi ziqala ukuhlehlisa enye yentuthuko eyenziwe ekukwazini ukungena ezinkonzweni eziyisisekelo, kanye nethonya elibi ekukhuleni komnotho nendawo yezempilo.
- Kufanele kuthathwe izinyathelo eziqinile phakathi kuhulumeni zokuhlanganisa izinhlelo phakathi kwezindawo ezihlukahlukene kuhulumeni nabameleli bakhe. Omasipala kumwelwe bakhuthazwe ukudlala indima enkulu entuthukweni yasemaphandleni neyasemadolobheni, nemithwalo eyinhloko yezindlu nezinto zokuhamba zomphakathi kufanele kube sezingeni elifanele. Kufanele kugcizelelwe ushintsho emalungiselelelweni aqondile ezindawo kuya ekuthuthukiseni izimakethe zendawo ezanele nezimfuno ezishukunyiswa ukukhula. Lokhu kuyosho ukushesha nokushenxisa intuthuko egxile ekuxhaseni kukahulumeni okuyinhloko ngemali ukuze kuthuthukiswe izimfuno ezisekela izinhlangano zezindlu nezemiphakathi.

Isithombe 12.4 sibonisa umfanekiso wezinto ezifinyelelwe nezinselele zikahulumeni wasekhaya.

Kufanele kugcizelelwe ushintsho emalungiselelelweni aqondile ezindawo kuya ekuthuthukiseni izimakethe zendawo ezanele nezimfuno ezishukunyiswa ukukhula.

Isithombe 12.4 Isifushaniso sezinto ezifinyelelwe nezinselele.

.

	OKUFINYELELWE	NEZINSELELE
UKUBUSA NAMALUNGISELELO EZINHLANGANO	• Isimiso sikahulumeni wasekhaya yonke indawo. • Izinketho ezenziwa njalo ezikhululekile nezingenzeleli. • Omasipala abaningi basemadolobheni amancane namakhulu basebenza kahle.	• Ukuphindaphindwa kwezakhiwo. • Ukungezwani kwezepolitiki, abaphathi abaphezulu nabaphansi. • Ukwehluleka ukwenza imisebenzi lapho kukhona amandla. • Izindawo zomphakathi ziwela ngaphandle kwegunya likahulumeni wasekhaya.
UKULANDISA NOKUBA NESANDLA	• Isimiso sohlaka esibazi sokuba umphakathi ube nesandla. • Izinhlelo ezibumbene zentuthuko (IDPs). • Isimiso samakhansela ezigceme sinikeza ukuhlobana okuqondile nemiphakathi ekuzo. • Ukumiswa kwamaKomiti Ama-akhawunti Kamasipala Womphakathi futhi anikeze ukwengamela okuphumelelayo	• Umphakathi uphelelwa ukwethemba uhulumeni wasekhaya. • Ukuvumelana okushukunyiswa ukuba nesandla. • Ukuhlanganiswa kwama-IDP ahlukahlukene. • Isimiso samakomiti ezigceme siye sabanjwa ngobhongwane ngezinjongo zokwesabisa. • Ukuntuleka kokubumbana komphakathi wabantu nezinkampani ezizimele. • ukuletha izinkonzo.
IZINKONZO ZENGQALA-SIZINDA	• Intuthuko enkulu ekutholeni izinkonzo zomphakathi. • Isimiso sezibonelelo sisekela ingqala-sizinda. • Isimiso se-City IDMS senziwa kahle kakhulu.	• Ukunganeliseki okukusakazeke yonke indawo ngezinga lezinkonzo. • Ingcindezi kwezokusebenza nezezimali ezinkonzweni zengqala-sizinda ngenxa yokukhula. • Ukuphathwa kabi kwempahla nokungabeki imali yokulungisa nokunakekela, ingqala-sizinda egugayo nokulahlekelwa amanzi nogesi omningi.
UKUGUQULWA KWEZENHLALO NEZOMNOTHO	• Isimiso sohlaka esibazi sokuhlelwa kwendawo. • Ukutshalwa kwezimali kwezezindlu nasez-intweni eziwusizo zomphakathi. • izinhlelo zezinto zokuhamba.	• Ukushintshwa kwezindlela zezindawo ezamiswa ubandlululo. • Izindlela eziningi ze-LED nabameleli akusebenzi. • Ukuntuleka kokulungiswa phakathi kokuhlanganiswa kwezimboni nohlelo lukamasipala. • Ukuhlela.
AMANDLA NAMAKHONO	• Ukutshalwa kwemali kwezihlelo zokwakha nokuthuthukisa amakhono. • Ukuguqulwa ngokushesha kokuphathwa komasipala, kuhlanganise nabasebenzi abangonjiniyela.	• Izinga eliphakeme lokungasebenzi nezindlela ezibalulekile nokuntuleka kokunamathela ezimfunekweni ezifanelekayo. • Ukungena esikhundleni kokuphathwa okuphezulu okubangele ukuzinza kwezinhlangano. • Ukungenela kwezepolitiki ekuphathweni. • Ukulahlekelwa abasebenzi abanolwazi lobunjiniyela.
IZIMALI ZIKAMASIPALA	• Isimiso esihlelwe kahle sokuhlanganiswa kwezibonelelo zikahulumeni. • Ukuphinde kuhlakazwe nobumpofu okuhlelwe ukuba kwakhe izimali ezidluliselwa kuhulumeni wasekhaya. • Izinhlaka zezimiso zokunamathela kwezezimali. • izimiso zokuphatha nama-akhawunti kamasipala.	• Ukuhlukaniswa komasipala ngenxa yokucindezela kwezezimali. • Ukukhula kwezikweleti zabantu nesikweleti umasipala asikweleta u-Eskom nezinhlangano zamanzi. • Imiphumela emibi yokuhlolwa kwamabhuku nokuvumelana nezimiso. • Ukwanda okukhulu kakhulu kokusetshenziswa kwemali kabi nokungagunyaziwe.

IZIPHAKAMISO

- Ukulungiswa kokutshalwa kwemali yezinto zokuhamba zomphakathi nezindlu kuyingqala-sizinda yomasipala nokusetshenziswa kwezwe kubalulekile. Lokhu kuhlanganisa ukuxoxa ngezinto ezingalungile, ikakhulu (kodwa hhayi kuphela) komasipala abangu-57 lapho kunezinga elikhulu kakhulu labantu abangasebenzi nobumpofu.
- Isimiso esikabili sikahulumeni wasekhaya ngaphandle kwezindawo ezisemadolobheni amakhulu kufanele sibuyekezwe, ngombono wokusungula isimiso esisodwa sikahulumeni wasekhaya. Lokhu kungahlanganisa ukwandisa inani lomasipala abaseSigabeni A ngokushesha ukuze bahlanganise athile noma wonke amadolobha amakhulu angu-19 angawesibili.
- Izimiso zokuphathwa kwengqala-sizinda kumelwe kwenziwe kubo bonke ohulumeni basekhaya njengengxenye yokuhlanganiswa Kwesimiso Sokuphathwa Kokulethwa Kwengqala-sizinda elungisa izinhlelo zokutshalwa kwemali yengqala-sizinda kuzo zonke izinhlaka zikahulumeni nama-SOE. Isimiso sezwelonke sokusekela omasipala siyadingeka ukuze kulungiswe futhi kunakekelwe impahla yengqala-sizinda ebhalisiwe futhi ibekwe endaweni efanele yohlaka lukazwelonke esekela omasipala uuze bahlele futhi baqinisekise ukutholwa kwemali okwanle ukuze kulungiswe futhi kuvuselelwe ingqala-sizinda.
- Uhulumeni kufanele ahlole inhlanganisela, imingcele nemisebenzi yamakomite ezigceme ukuze kusetshenziswe. Amakomiti ezigceme kufanele ashintshwe noma kufakwe ezinye izindlela esikhundleni sawo ezibonisa isimo sendawo ukuze umphakathi uzuze kakhulu futhi kwakhiwe ubungane obuhlala isikhathi eside ezinseleleni zentuthuko zendawo.
- Ukwakha izinto ezintsha futhi kuthuthukiswe ezikhona ngokuqeqesha nokusebenzisa isibonelo senkonzo eyodwa yomphakathi esiyohlanganisa amathimba azinikele abaphathi abanolwazi bakwazi ukunikeza ukusekela kwezinhlangano nokokuphatha kwesikhathi eside ukuze kusekelwe omasipala abanengcindezi.
- Ukusebenza (ekuqapheni, ukusekela nokunika omasipala amandla okufeza imgomo yabo) kweminyango yezifunda yokubambisana nohulumeni nezindaba zesizwe kufanele kuqhubeke kuqashiwe nokusebenza kwezifunda kuqaphe imibiko ekhiqizwa njalo ngezinyanga ezingu-6. Imiphumela kufanele ibikwe kuyiKhanslela Lokuxhumanisa LikaMengameli, okuzodinga ukuba iminyango yezifunda ixoxe ngezikhala ezibonakalayo zokusebenza;
- Kunesidingo esiphuthumayo sezindlela eziphumelela ngokwengeziwe zokuxhumanisa imizamo kahulumeni ekulwiseni inkohlakalo, okuhlobene nemiphumela Yesimiso Sobulungisa Ebugebengwini. Umsebenzi wethimba lokulwa nenkohlakalo kuhulumeni wasekhaya, oletha ndawonye ukuphenya nokuphoqelela ukugcinwa komthetho ezingeni lezwe lonke, kudingeka liqiniswe, uhulumeni wasekhaya ozinikele ukususa inkohlakalo, kuhlanganise nasezingeni lesifunda, okungase kufakwe ne-NPA noma ithimba elizimele lomthetho.
- UMthetho I-Municipal Fiscal Powers and Functions, ka-2007 (uMthetho 12 ka-2007) kufanele ulungiswe ukuze ucacise imithetho yokukhokhela intuthuko emisebenzini emikhulu yokuthuthukisa. Kunanesidingo sokuphinde kubhekwe isimiso somasipala sokuboleka, nendima echazwe ngokucacile yama-DFI;
- Ukusekela omasipala ukuba bakhiqize izinhlelo zokuhlolwa kwamabhuku kwaminyaka yonke futhi kuqashwe ngokuqinile nokusebenza kwabo. Ikakhulu ukuqinisekisa ukuthi ukukhula kwemali esetshenziswayo Engagunyaziwe, Engaqondile Nokumosha Nokungenanzuzo kukhona nalapho kwenzeka lokhu kubikwe ngokuqondile minyaka yonke ukuze ukuphathwa kabi kwemali kuhlolwe futhi kulungiswe.
- Izindlela eziphuthumayo zokunciphisa ingcindezi yezimali komasipala, imikhankaso yokuqaphelisa izwe lonke ngokukhokha izinkonzo zikamasipala, umkhankaso weMasakhane, uyadingeka, uhlobene nakho kokubili intuthuko ebonakalayo yokulethwa kwezinkonzo, nemizamo kamasipala yokulawula indawo enkulu.

ISAHLUKO 13

Ezobulungisa, Ukuvimbela Ubugebengu Nokwakha Imiphakathi Ephephile



UMTHETHO-SISEKELO WENTANDO YABANTU

Ngokungena kwentando yabantu eNingizimu Afrika ngo-1994, usiko lwamalungelo abantu lwenziwa lwaba into eyinhloko emthethweni-siseklo futhi kwaba neqoqo elibanzi lamalungelo abantu, kuhlanganise namalungelo omnotho wezenhlalo, owafakwa oHlwini Lamalungelo futhi wahlanganiswa kuMthetho-sisekelo wokugcina wango-1996. Ukufakwa kwamalungelo abantu ezepolitiki kanye namalungelo omnotho wezenhlalo kuMthetho-sisekelo wethu waba enye yezinto ezibaluleke kakhulu ekufinyeleleni inkululeko, isithunzi nokulingana.

Ngaphambi kuka-1994, iNingizimu Afrika, kanye nemibuso eyayibizwa ngokuthi iTranskei, iBophuthatswana, iVenda neCiskei nalokho okwakubizwa ngokuthi izindawo ezinohulumeni bazo, zazineminyango ehlukahlukene yezobulungisa nezinye izinhlaka ezihlobene nobulungisa. Lokhu kwaholela ezinkonzweni ezingalingani nezihlukene zobulungisa. Iminyango engu-11 yahlanganiswa futhi umsebenzi waqala ngobuqotho ukuze kuqinisekiswe ukunikezwa kwezinkonzo zezobulungisa futhi kuthuthukiswe ukuba bonke abantu bakwazi ukungena kwezobulungisal. INkantolo YoMthetho-sisekelo yamiswa futhi, iqondiswa uMthetho-sisekelo, kwakhishwa izahlulelo ukuze kutholakale izindinganiso njengezesithunzi somuntu, ukulingana nokuphakama koMthetho-sisekelo. Kusukela ngo-1994 INingizimu Afrika iye yaphumelela ekwakheni izikhungo ezintsha zentando yabantu nokususa incwadi endala yemithetho yobandlululo. Iqoqo lemithetho emisha liye lakhiwa lisuselwa kuwo wonke amazinga kahulumeni ukuze kuhlangabezane noMthetho-sisekelo.

Kusukela ngo-1994, uhulumeni waqala umsebenzi omkhulu wokushintsha sonke isimiso sezobulungisa ngokubeka isisekelo nezinsika zokwakha nokuzinzisa umthetho-sisekelo omusha. Ukuthuthukisa ukuba bonke bakwazi ukungena kwezobulungisa nokuthuthukisa umthetho kuye kwaba izinto ezibalulekile eziseqhulwini kuhulumeni. Imigomo eyinhloko iye yaba ukwenza izinhlaka nezimiso zobulungisa zihambisane noMthetho-sisekelo, ukuba kuvuselelwe ukwethenjelwa nokwethemba komphakathi izikhungo zezobulungisa nokuvuselela ukubaluleka kwale simiso.

Izinhlangano ezisekela intando yabantu

Isahluko 9 soMthetho-sisekelo sibhekisela ezinhlanganweni ezilandelayo ezasungulwa ukuze ziqinise uMthetho-sisekelo wentando yabantu eNingizimu Afrika: Umvikeli Womphakathi, Ikhomishane YaseNingizimu Afrika Yamalungelo, iKhomishane Yokuthuthukiswa Nokuvikelwa Kwamalungelo Ezamasiko, Inkolo Nemiphakathi Ngokolimi, iKhomishane Yokulingana Ngokobulili, UMhloli Wamabhuku, i-IEC ne-ICASA. UMthetho-sisekelo unikeza lezi zinhlangano ukuzimela futhi zilawulwa uMthetho-sisekelo kuphela nomthetho.

Ezamajaji

Imfundiso yokuhlukanisa amandla, ukuzimela kwamajaji nokuphakama koMthetho-sisekelo kusekelwe kulokho okusenhliziyweni yoMthetho-sisekelo waseNingizimu Afrika yentando yabantu. Imfundiso yokuhlukanisa amandla yenza enye yeZimiso ezingu-34 yoMthetho-sisekelo ibe izitini zokwakha uMthetho-sisekelo.

Indikimba yokukhula koMthetho-sisekelo kwezamajaji eNingizimu Afrika iwubufakazi bokusebenzisa kwamajaki igunya lawo ekuthuthukiseni nasekuvikeleni amalungelo abantu. INkantolo YoMthetho-sisekelo yakhipha izahlulelo eziningi, kuzo zombili izindawo zabantu abakwezepolitiki namalungelo omnotho wezenhlalo. Ecaleni likaS noMakwanyane elalimayelana nokuba seMthethweni-sisekelo kwesigwebo sentambo, iNkantolo yachaza ilungelo lokuphila nesithunzi "njengamalungelo abaluleke kunawo wonke abantu, futhi liwumthombo wawo wonke amanye amalungelo abantu" aqukethwe kwethi uHlu Lwamalungelo. Ecaleni likaFerreira noLevin, iNkantolo yayidingida ilungelo lenkululeko nokulondeka komuntu. Ecaleni likaBernstein noBester, yahlola ilungelo lobumfihlo. Ecaleni elaliphakathi kwe-National Coalition for Gay and Lesbian Equality no-Minister of Home Affairs, iNkantolo YoMthetho-sisekelo yakhipha isinqumo sokuthi imibhangqwana yobulili obufanayo inelungelo lokuthola izinzuzo zokuhamba njengoba linikezwa abantu abashadile.

Izahlulelo eziphawulekayo eziphathelene namalungelo omnotho wezenhlalo zihlanganisa amacala anjengakaHulumeni WeRiphabhuliki YaseNingizimu Afrika noGrootboom, uSoobramoney noNgqongqoshe Wezempilo, KwaZulu- Natal, uNgqongqoshe Wezempilo ne-TAC nelikaKhosa noNgqongqoshe Wentuthuko Yezenhlalo namanye amaningi. Lezi ezinye zezahlulelo eziphawulekayo ezenza iNingizimu Afrika yakhanyisa bha amalungelo abantu kwezomthetho, ikakhulu mayelana nelungelo lokuba nendlu, ukunakekelwa kwempilo nelungelo lokuthola imfundo.



IJWAYELEKILE YEMPILO:
I-% RACE & GENDER - ISISHWANKATHELO

UHLANGA	AFRIKA		AMAKHALADI		AMANDIYA		ABAMHLOPHE		INGQIKITHI:
UBULILI	OWESILISA	OWESIFAZANE	OWESILISA	OWESIFAZANE	OWESILISA	OWESIFAZANE	OWESILISA	OWESIFAZANE	
INGQIKITHI	69	46	16	11	13	11	55	29	250
%	27,60%	18,40%	6,40%	4,40%	5,20%	4,40%	22,00%	11,60%	100%

Umdwebo 13.1: Ukumelelwa kwabesifazane kwezamajaji kusukela ngo-2014-2018.
Umthombo: UMnyango Wabesifazane Nabantu Abaphila Nokukhubazeka. 2019. Umbiko olungiselelwe Ukuhlolwa Kweminyaka Engu-25.

Ukungena kwezobulungisa nasez-inkonzweni zezobulungisa

Intuthuko ebalulekile iye yenziwa ngokukhulisa izinkantolo ngokwakha izinkantolo ezintsha, ikakhulu emaphandleni nasezindaweni ezazinganakiwe ngaphambili, ukuze kuqinisekiswe ukuthi abantu bayakwazi ukuthola ezobulungisa eduze nalapho behlala khona. Ukwandisa izinkantolo kubuye kusho ukungena kangcono ezinkonzweni zobulungisa, njengezinkantolo zokondliwa kwabantwana, izinkonzo ze-Master neHhovisi Lommeli Womndeni, phakathi kokunye. Manje kuneziNkantolo Eziphakeme kuzo zonke izifunda ezingu-9 nezinkantolo ezingaphezu kuka-700 ezweni lonke. KunaneziNkantolo Zokubuyiselwa Kwezinto Ezincane kuzo zonke izigodi ezweni.

Isimiso sosizo lomthetho saseNingizimu Afrika siye saphinde sahlelwa futhi uSizo Lomthetho LaseNingizimu Afrika sinikeza usizo ezinkonzweni zezomthetho ngenxa yoMbuso nalabo abahluphekayo nabantu ababuthakathaka abangenakukwazi ukukhokhela usizo lomthetho ngelungiselelo elizimele, ukungena nezinga losizo lomthetho nezinkonzo ezindabeni zobugebengu nomthetho wabantu.

IziNkantolo Zamacala Ocansi ziye zamiswa futhi zinikeza izinkonzo eziningi ezisekela izisulu, okuhlanganisa, phakathi kokunye, izinkonzo zokulungiselela ukuvela enkantolo, umxhumanisi nezinkonzo zokwethula ubufakazi phambi kwekhamera kulabo abathintekayo emacaleni okuhlukunyezwa ngokocansi. Isimiso Sezobulungisa Sezingane silawulwa uMthetho Wezobulungisa Wezingane onikea izinqubo eziqondile zokuqinisekisa ukuthi amalungelo ayisisekelo ezingane ezibekwe icala ayavikelwa. Lokhu kuye kwaholela ekukhululweni kwezingane eziningi ebezisemajele.

Njengoba kuboniswe esithombeni 13.1 kuye kwafinyelelwa okukhulu endabeni yohlanga nobulili bamajaji. Kube nokwanda okuphawulekayo kumaphesenti abesifazane abayizikhulu ezengamele izinkantolo zethu eminyakeni engu-25 edlule, kodwa kusadingeka kwenziwe okwengeziwe. Njengoba kwakunejaji elilodwa lesifazane ngo-1994, manje sekunamajaji esifazane angu-97, emajajini angu-250 (38% kungawesifazane) futhi

okokuqala, ukuba uMengameli Wenkantolo Ephakeme Yezikhalo kube owesifazane. Nokho, kusezimantshini Lapho kuye kwenziwa khona intuthuko enkulu endabeni yobulili, inezimantshi zesifazane ezingu-758 ezimantshini ezingu-1596 (u-47.4% kungabesifazane) abangu-4 kwabangu-9 Komengameli Benkantolo Zesifunda.

Indima yezamaJaji endabeni yezinguquko zomthetho sisekelo usalokhu uyinto ebalulekile nokungenela okuhlukahlukene kuye kwenziwa ukuze kuqiniswe izinkantolo namajaji. Lokhu kungenela kuhlanganisa ukudlulisela uMthetho Olungisiwe WoMthetho-sisekelo we-17 Nomthetho Wezinkantolo Eziphakeme nokumiswa kweHhovisi Lenhloko YamaJaji. Ezamajaji zinoHlelo Lwemali oluhlukile ePhalamende ukuze kuqinisekiswe ukuzimela kwenhlangano yamajaji.

Ushintsho lomsebenzi wezomthetho lulokhu luyinto ebalulekile eqhubekayo ekudluliseleni Umthetho Wokusebenza Komthetho ekuvuleleleni abantu abamnyama nabesifazane ukuba besebenze ngomthetho.

Manje kuNezinkantolo Eziphakeme kuzo zonke izifunda ezingu-9 nezinkantolo ezinga-phezu kuka-700 ezweni lonke

IZINSELELE EZIPHIKELELAYO

Nakuba uhulumeni eye wenza imizamo, ukubambisana kwezinhlangano zomphakathi, ukuqaphela amalungelo abantu nemfundo, kusadingeka kwenziwe okuningi. Ukuze kuqhutshekwe kulwiwa nokubandlululwa okubi kubalulekile ukuba abantu nemiphakathi baqasheliswe amalungelo abo omthetho-sisekelo.

Imiphakathi ephephe kakhudlwana

Into ebalulekile enqubweni yokungenisa umphakathi omusha osekelwe ezimisweni zentando yabantu, ezenhlalo ezinobulungisa, nezisekelo zamalungelo abantu, yamukelwa emiThethweni-sisekelo ka-1993 no-1996 ngokulandelana. Enye yezinhlelo ezibalulekile uMthetho-sisekelo weRiphabhuliki YaseNingizimu Afrika of 1996 iwukuqinisekisa ukuthi ukulondeka kwezwe lonke kufanele kubonise ukuzimisela "*kwabantu nanjengesizwe, ukuphila ngokuthula nangobumbano, singabi nakho ukwesaba nokudinga, futhi sifune ukuphila okungcono*" njengabantu baseNingizimu Afrika.

Ukushaywa kwemithetho, imithetho nezinhlelo ezasetshenziswa kusukela ngo-1994

Ukubheka impi esiyilwa nobugebengu njengento eseqhulwini ezweni lonke, uhulumeni wentando yabantu wamukela i-National Crime Prevention Strategy (NCPS) ngo-1996. Inhloso kwakuwukususa ngokushesha ukusabela ekulawulweni ubugebengu kube indlela yokugcizelela uzikuvikela ebugebengwini.



Umdwebo 13.3: Okuvamile Ebugebengwini Ezweni Lonke.
(ubugebengu obenziwa abantua abaziwa isisulu) 1994/95 no-2017/18.
Umthombo: South African Policies Services. Izibalo Zezwe Lonke Zobugebengu



Umdwebo 13.3: Okuvamile Ebugebengwini Ezweni Lonke.
Umthombo: South African Policies Service. Izibalo Zezwe Lonke Zobugebengu.

Imigomo ye-NCPS ihlanganisa:

(a) Ukumiswa kohlaka lwemithetho yokulwa nobugebengu ngendlela ebumbene negxilile, ukuthola ukuxhaswa abamelelli bakahulumeni nemiphakathi;

(b) Ukukhuthaza ukuhlanganyela ukuqonda nemibono evamile yendlela isizwe esingalwa ngabo nobugebengu;

(c) Intuthuko ezinhlelweni zezwe lonke ezibekiwe ezenza kuqalwe futhi kugxilwe emizamweni ehlukahlukene yeminyango kahulumeni ekuletheni inkonzo esezingeni eliphakeme ihloselwe ukuxazulula izinkinga okubangela amazinga aphakeme obugebengu; futhi

(d) Ukuthola okukhulu nokubamba iqhaza kwemiphakathi okuzinzile ekuvimbeleni izinyathelo zobugebengu.

Ukuqinisekisa ukuphepha nokulondeka

Imiphakathi yabika izinhlobo ezingu-17 zobugebengu obukhulu phakathi kuka-1994/95 no- 2017/18 obanda cishe ngo-11% kusukela kobungu-1 503 240 kuya ku-1 662 815 ngokulandelana.

Nokho kunezinhlobo ezithile zobugebengu obukhulu njengobenziwa abantu abaziwayo, obuhlobene nabantu nobuhlobene nempahla, behla phakathi nenkathi efanayo. Sebubonke ubugebengu obenziwa abantu abaziwayo banda ngo-4.5% kusukela kobungu-630 885 kuya ku-602 697, obuhlobene nabantu ngo-13.5% kusuka ku-134 253 kuya ku-115 361 futhi obuhlobene nempahla ngo-22% busuka ku-655 476 baya ku-508 975.

Enye yezingxenye ezinkulu zobugebengu obenziwa abantu abaziwa izisulu obenza izakhamuzi zibe nokwesaba – ukubanjwa inkunzi kuhlonyiwe – kwanda kakhulu kusuka kobungu-84 785 kwaya ku-138 537.

Phakathi kuka-2014/15 no-2017/18 ubugebengu obenziwa kwabesifazane nasezinganeni banda ngo-5.4% busuka ku-168 502 laya ku-177 620 nango-5.2% busuka ku-41 402 laya ku-43 540 ngokulandelana.

Isithombe 13.2 sibonisa izinga lezigaba zobugebengu obukhulu obuye babangela ukwesaba okukhulu ezakhamuzini buye bancipha futhi banda phakathi kuka-1994/95 no- 2017/18. Ngokwesibonelo Ukuhlasela kwe-GBH, ukubulawa nokuzama ukubulala kwancipha, kuyilapho ukubanjwa inkunzi namacala okuhlukumeza ngokocansi anda.

Ubukhulu bobugebengu obubikwayo buzinzile kusukela ngo-1994 kuze kube ngu-1998, lapho baqala ukwanda, sikhuluma ngo-2003. Ngokufanayo, kwabonakala ukuncipha. Kokubili kuyo yonke indawo nakubantu ngabany, ezinye izigaba zobugebengu zazinza noma zancipha uma kuqhathaniswa namazinga ka-1994. Ukuqhubeka kokuncipha kwezimo zobugebengu kusukela ngo-2004/05 kungase kuthiwe kubangelwe ukusetshenziswa kwe-NCPS, okwahlanganisa, kodwa kungagcini ngokwandisa ukubonakala kwamaphoyisa, nokuthuthukiswa kwezindlela zokulwa nobugebengu kwe-CJS.

Isithombe 13.3 sibonisa nokuthi kuye kwaba nokuncipha okuphawulekayo kubo bonke ubugebengu obenziwa abantu abaziwa izisulu. Lokhu cishe kubangelwa imizamo eyandisiwe yokwandisa ukusebenza nokuphumelela kweSimiso Sezobulungisa Endabeni Yobugebengu sisonke nendlela Ebuyela Ezintweni Eziyisisekelo ye-SAPS. Nokho, okukhathaza kakhulu ukuthi liye labonakala landa izinga lokubulawa kwabantu nokuphanga kuhlonyiwe. Le zinhlobo zobugebengu zenza abantu bazizwe bengaphephile futhi besongelwa, njengoba zinobudlova.

Njengoba kufakazelwa isithombe 13.4 ubugebengu obuhilela ukubulawa kwabantu kubonakala kuncipha ka-khulu cishe ngabantu abangu-10 000 kusuka kwabangu-25 695 ngo-1994/95 kuya kwabangu-15 609 ngo-201/12. Kuyadabukisa ukuthi le linani laqala ukubonisa ukukhu-la kusukela ngo-2012/13 futhi buyaqhubeka banda. Ek-upheeni kuka- 2017/18, inani lamacala okubulala lama ku-20 336.

Zombili izigaba zobugebengu obenziwa kwabesifazane nezingane bubonisa ukwanda ngo-5.41% no-5.16% ngokulandelana phakathi kwenkathi yango-2014/2015 no-2017/2018. Okubalulekile ukukuphawula iqiniso lokuthi kube nokuncipha okuncane ebugebengwini obenziwa kwabesifazane, ngo-2016/2017 kodwa leli nani lakhula futhi ngo-2017/18. Ingxenye enkulu yobugebengu obenziwa kwabesifazane nezingane, amacala ahilela ucansi. Amacala obugebengu ahilela ucansi kubonakala encipha ngezigameko ezingu-7 000 kusukela kwezingu-57 115 ngo-1994/95 kuya kwezingu-50 108 ngo-2017/18. Ngo-2008/09 leli nani lakhula kakhulu laba ngu-69 197. Kuye kwathathwa izinyathelo ezihlukahlukene ukuze kusizwe abesifazane nezingane balwe nokuhlukunyezwa. UMthethoWobudlova Basekhaya ka-1998 wamiswa ukuze unikeze abasinde ebudloveni isivikelo ekuhlukunyezweni kwasekhaya.

Ukungenela ukuze kuxoxwe nge-GBV namacala ocansi enziwa emaqenjini abantu ababuthaka ikakhulu abesifazane nezingane, ahlanganisa:

- Amahhovisi Obudlova Basemndenini, Okuvikela Izingane Namacala Okuhlukunyezwa Ngokocansi.
- Amagumbi Enza Izisulu Zikhululeke (ama-VFR) enziwa. I-SAPS ineziteshi zamaphoyisa ezingu-1 147 futhi ingqikithi engu-1 049 yalezi ziteshi zamaphoyisa inama-VFR.



Umdwebo 13.4: Amacala okubulala eNingizimu Afrika.
Umthombo: South African Policies Services. Izibalo Zezwe Lonke Zobugebengu

- Uhlelo lokusebenzisa imali lwamaphoyisa luka-2018/19 lwanikelwa ekulweni nobugebengu obenziwa kwabesifazane nezingane.
- Kwethulwa izenzakalo zokusebenzisa kabi izidakamizwa notshwala, okwakubangela ubugebengu obenziwa kwabesifazane nezingane nasemaqenjini abantu ababuthakathaka.
- Izinsuku ezingu-16 Zomkhankaso Wokuba Bungabi Khona Ubudlova Obenziwa Kwabesifazane Nezingane.
- Ukuhlomisa amaphoyisa ngamakhono akhethekile.
- Ukubambisana nomphakathi, ukuxoxa ngezinto nezimbangela ezinomthetlela kuyi-GBV.
- Uhlelo Olubumbene Lwesinyathelo Sokulwa Nobudlova Obubhekiswe Kwabesifazane Nezingane (POA:VAWC).

Umzamo obalulekile wokulwa nobugebengu obukhulu ikakhulu obunobudlova, iwukuqaphela izinto ezibangela lobo bugebengu okuhlanganisa ubhubhane lwezidakamisa nokusebenzisa kabi utshwala.

Wokuvimbela Nokwelapha Abasebenzisa Kabi Utshwala ka-2008. I-CDA yahlola iZinhlelo Eziyinhloko Zezidakamizwa Ezweni Lonke (NDMP): 1999 – 2004; 2006 – 2011, 2013 – 2017. Izinsika ezibalulekile ze-NDMP ziyizimfuno, ukulimaza nokunikeza izinto zokunciphisa.

Imikhankaso ehloselwe ukunciphisa ukulimala okubangela izidakamizwa ihlanganisa ethi 'Ke Moja' (Ngilungile ngaphandle kwezidakamizwa) umkhankaso oqaphelisayo owenziwa ezintweni ezinyathelisiwe zabezindaba, umsakazo, omakhalekhukhwini okwafinyelelwa kuwo abantu abangaphezu kwezigidi ezingu-20. Imfundo ephathelene nokungasebenzisi kabi utshwala nemikhankaso yokuqaphelisa ezikhungweni zemfundo ephakeme zasetshenziswa kusukala ngo-January 2014. Ngo-2008/09 izikhungo Zokwelapha Abasebenzisa Kabi Izidakamizwa zaqala ukusetshenziswa njengezindawo ezivamile nezimiso zezikhungo zokwelapha ezingu-9 eziseMpumalanga Kapa, KwaZulu-Natal, Mpumalanga nase-North West.

Ngabo-2009, kwaqala ukuvela izinselele ezintsha zobugebengu. Lezi zinto, uma kungabhekanwanga nazo ngokuqondile, ziyoba nethonya ekunciphiseni igunya loMbuso. Lezi zihlanganisa: ukusongelwa kokulondeka kwe-inthanethi, ubudlova bomphakathi, isinyathelo semibhikisho enobudlova kanye nalokho okubizwa nokuthi izimpi zamatekisi. Mayelana nesinyathelo semibhikisho enodlame, impumelelo enkulu kakhulu iye yaba sezingeni lokuzinzisa izenzakalo lapho zizivelele khona.

Ukuqinisekisa ukusebenza nokuphumelela kwe-CJS

Ngo-2008, uHlelo Lwamaphuzu Ayisikhombisa lwamukelwa, olwaluhloselwe ukwamukela umbono nomgomo owodwa, iqoqo elilodwa lemigomo, izinto eziseqhulwini nokusebenza kwe-CJS; ukwenza izinguquko ezinkulu ukuze kuvezwe izinqubo zezinkantolo ezindabeni zobugebengu; ukusetshenziswa kwezinto eziyinhloko eziseqhulwini ezingxenyeni ze-CJS; ukumisa okubumbene nokuqondile koLwazi Lwezwe Lonke Lwedathabheysi Ye-CJS/Isimiso kuyo yonke iminyango ye-CJS nokuvumelana Nolwazi olubuthiwe Lwayo Yonke I-CJS; ukwenza kube isimanje imizamo nendlela ebumbene, kuzo zonke izimiso nemishini ye-CJS nezinqubo ze-DHA; ukwethula izinguquko zababambisene nezakhamuzi zomphakathi endabeni yokubusa kwe-CPF/CSF, kuhlanganise ukwandisa indima yokusebenzelana nazo zonke zindaba

ze-CJS, ngokwesibonelo, amaphoyisa, nezinhlaka zokukhishwa ejele.

Ukuqhathanisa phakathi kwababoshwa, amacala aphethiwe, nokubanjwa kubonisa ukuthi kunokuvumelana phakathi kokuboshwa namacala aphethiwe, kungewona wonke amacala afakiwe aholela ekubanjweni. Nokho, inani lokuboshwa okuhlobene namacala aphethiwe nokubanjwa, kuyakhathaza futhi kungaqokomisa ukuboshwa okungafanele noma ukuvinjwa kwe-CJS okungaholeli ekugcineni ngokubanjwa. Enye ingxenye yeketanga lezinzuzo ze-CJS ukunciphisa izenzakalo zokuphindwa kwamacala. Lokhu kufinyelelwa ngokubhalisa iziboshwa ezinhlelweni ezihlukahlukene zentuthuko ezinikezwa izinkonzo zamajele. Amaphesenti eziboshwa abhalisa kulezi zinhlelo angaphezu kuka-80%.

Ukwakha nokukhuthaza ukuba umphakathi ube nesandla (Ukugada Komphakathi)

Manje sekwamukelwe ukuthi ukulwela ukubuqeda ngokuphelele ubugebengu kuyinto edinga okungaphezu kwemizamo ye-CJS. Ngokushesha ngemva kokuletha ukusakaza intando yethu yabantu, izinhlelo zokugada komphakathi (ama-CPF) kwamiswa imithetho ukuze kube izindlela zokubambisana phakathi kwe-SAPS nemiphakathi. Lokhu kuye kwasungula ama-CPF esiteshini ngasinye samaphoyisa kwezingaphezu kuka-1000 ezweni lonke. Nokho, ukusebenza ngempumelelo kwama-CPF kuyehlukahluka.

Lapho kwamukelwa i-NDP, izinhlelo zokuphepha komphakathi (ama-CSF) kwamiswa ukuze kube izinhlelo zokuxhumanisa, ukubambisana nokuqapha ukuvinjelwa kobugebengu emphakathini. Nakuba ama-CSF ambalwa eye asungulwa, izinga lokumiswa kwawo belingenantshiseko.

Ukusabela kwezinye izinsongo zokuphepha nokulondeka

Muva nje, izwe liye labona ukwanda kwamanani okubhikisha nokunganeliseki, okwenze, ezimweni eziningi obebuhambisana nezenzo zokucasula ezimbi kakhulu, ukwesabisa, nobudlova bomphakathi ngisho nezici zobugebengu. Inselele eyinhloko ye-CJS iye yaba ukusabela kulezi ukubonakaliswa phakathi komoya nomongo womphakathi othanda ukugada noHlu Lwamalungelo. Lokhu kudinga ukulinganisela okungokoqobo phakathi kokuqaphela amalungelo ezakhamuzi nezidingo zamaphoyisa zokuqinisekisa ukuthula nokuzinza.

Ubudlova bomphakathi abukakavinjelwa ngokuphelele ngokwengxnye ngenxa yokungabiko noma izinhlangano ezingenele futhi okubaluleke kakhulu, ngenxa yokuthi izimbangela zale mibhikisho ivame ukuba ngaphandle kwe-CJS. Izinga lokwenganyelwa kwesixuku kuhlanganisa

OKUNYE UKUNGENELA OKUYINHLOKO

- **IPhepha Elimhlophe Lokuphepha Nokulondeka lika-1998.**
- **Indlela Yokulwa Nobugebengu Ezweni Lonke igxile ezindaweni ezikhethiwe nezimo ukuze zinciphise ubugebengu obukhulu nobunobudlova nobuhleliwe, ukuthathwa kwezibhamu nokuqedwa kobugebengu obenziwa kwabesifazane nezingane.**
- **Indlela Ebumbene Yokuvimbela Ubugebengu Bezenhlalo eyokunqoba izimo zomnotho wenhlalo ezenza kwenziwe ubugebengu.**
- **UMthetho We-SAPS (1995) wokuqinisekisa ukuphepha nokulondeka, ukunamathela nokulondoloza amalungelo ayisisekelo abo bonke, ukugcizelela ukubambiisana phakathi kwmaphoyisa nemiphakathi kanye nenhlonipho ngezisuku nokuqonda izidingo zazo.**
- **Umbono Wezobulungisa ka-2000, owawufuna inguquko esimisweni sezobulungisa ukuze sibonise izindlela eziyisisekelo zoMthetho-sisekelo, kanye nemigomo yemithetho kahulumeni yokuphinde kwakhiwe nentuthuko.**
- **UHlelo Lwamaphuzu Ayisikhombisa ukuze kwenziwe i-CJS isebenze futhi iphumelele.**
- **UMthetho Wobudlova Basekhaya, (uMthetho 116 ka-1998), wokunikeza abasinde ebudloveni ukuvikelwa okukhulu ekuhlukunyezweni kwasekhaya.**
- **Uhlelo Lwesinyathelo Sesimiso Esibumbene sokulwa nobudlova obenziwa kwabesifazane nezingane.**

ukuqeqesha izingxenye zokulawulwa kwesixuku okuye kwaba buthaka.

Eminyakeni engu-10 edlule, ukulondeka kuyi-inthanethi nobugebengu obenziwa nge-inthanethi buye bavela njengenye yezinto ezisongela ukulondeka koMbuso. Kuye kwenziwa intuthuko ekusunguleni izinga lokuvimbela nokula nalezi zinkinga. Nokho, lezi zinyathelo azikakwazi ukulwa ngokuphumelelayo nalezi zinselele zokulondeka nobugebengu obenziwa nge-inthanethi. Izingcweti ezisezingeni eliphakeme ezenza ubugebengu nge-inthanethi buhlale bungatholakali futhi ngaleyondlela azikwazi ukuboshwa.

Usongo lokugcina oluyinhloko izwe okudingeka lubhekane nalo inkinga yemingcele eqinile nokuba buthaka kwemingcele yokulondeka kwendawo, ukungena kuleli ngokungemthetho anye nobuphekula emazweni ngamazwe. Ukuba buthaka kokulondeka okuhlukahlukene kuzibonakalisa ngezindlela ezibuthaka zokulondeka emingceleni. Lokhu kuye kwenza ukuba kwande imisebenzi yobugebengu edlula emingceleni njengokushushumbiswa kwezidakamizwa, ukweqiswa kwezibhamu ezingemthetho, ukweqiswa kwezimotho nezinsimbi eziyigugu, ukuyiswa kwamanje amazwe okungemthetho kukagwayi, izingubo, utshwala nemithi.

Izindlela ezibaluleke kakhulu zihlanganisa ukulwela, ukuvikela nokwenganyelwa kwemingcele kwakuyizinyathelo ezathathwa ukuze kumiswe i-Border Management Authority ukuze iqinisekise okunengqondo nendlela yokubambisana nabo bonke ubuthakathaka bokulondeka okuqinile kwemingcele. Ukubekwe kwemithetho embalwa nokungenela kwemithetho kuye kwamukelwa noma kuyaqhubeka kuthuthukiswa. Intuthuko esesilinganisweni iye yabhaliswa ekulweni nobugebengu obudlula emingceleni.



Ithonya lokuphepha nokungenela kokulondeka nemine imithetho kahulumeni yezenhlalo

Ukuthi izinto esizifinyelele njengezibhalwe esigabeni esandulele ziye zaba nethonya elikhulu nelibambekayo ekuphileni kwezakhamuzi ezivamile, ukucatshengelwa kwemizwa yokuphepha noma ngenye indlela izakhamuzi zifakiwe kuyinhlolo-vo yaminyaka yonke ye- Stats SA. Le zinhlolo-vo zikala izibonakaliso njengamaphesenti abaninikhaya abamalungu awo ezizwa ephephile lapho ezihambela wodwa endaweni yawo phakathi nosuku noma lapho sekumnyama, imibono ngamazinga obugebengu obunobudlova ezindaweni zawo zokuhlala nobugebengu obaziwa imindeni kuba okuvame kakhulu eNingizimu Afrika, ukwaneliseka ngezinkonzo zamaphoyisa endaweni yawo nangendlela izinkantolo ezisebenzelana ngayo nabenzi bobugebengu.

Inhlolo-vo Yezisulu Zobugebengu ka-2017/18 ibonisa ukuthi amaphesenti abaninikhaya abazizwa bephephile lapho bezihambela bodwa phakathi nosuku ancipha esuka ku-85.4% ngo-2014/15 aya ku-79.1% ngo-2017/18. Amaphesenti abaninikhaya azizwa ephephile lapho bezihambela bodwa ebusuku ancipha esuka ku-31% aya ku-29.4% phakathi no-2014/15 no-2016/17. Nokho, amaphesenti alabo abazizwa bephephile ngenkathi behamba bodwa ebumnyameni akhula kancane aya ku-31.8% no-2017/18.

Phakathi no-2013/14 no-2017/18, amaphesenti abaninikhaya abanelisekile ngezinkonzo zamaphoyisa enaweni lancipha ngo-5% lisuka ku-59% laya ku-54%. Ngenkathi efanayo, abaninikhaya abenelisekile ngendlela izinkantolo ezisebenzelana ngazo nabenzi bobugebengu lancipha lisuka ku-64% laya ku-41%.

Njengoba isithombe 13.5 sibonisa, phakathi kuka-2012 no-2015, kunokwehla okucacile kwenani lalabo abakholelwa ukuthi ubugebengu buye bancipha eminyakni emithathu eyandulele. Ngo-2017/18, ingxenye yabaninikhaya ababona ukuthi ubugebengu obunobudlova bandile eminyakeni emithathu edlule lalingaphezulu kweleminyaka emibili eyandulele, ngemva kokwehla phakathi kuka-2015/16 no-2016/17. Ngakho, ukwanda kwemibono emihle yomphakathi mayelana nesimo sobugebengu obunobudlova obabonwa phakathi kuka-2015/16 no-2016/17 buye bahlehliswa futhi. Amaphesenti abaninikhaya ababa nomuzwa wokuthi ubugebengu obunobudlova bunciphe kakhulu ngo-2017/18, futhi bangaphansi kwekota abaninihaya ababa nomuzwa wokuthi ubugebengu obunobudlova bunciphile.



	2012	2013/14	2014/15	2015/16	2016/17	2017/18
Banda	32,5	41,2	43,7	41,8	39,4	42,1
Bancipha	38,2	31,7	28,7	28,7	27,6	24,5
Buhlale bufana	29,2	27,6	27,6	30,1	33	28,6

Umdwebo 13.5: Amaphesenti abaninikhaya banombono wamazinga obugebengu obunobudlova endaweni.
Umthombo: StatSA.

Ukuba buthakathaka kokulondeka okuhlukahlukene kuzibonakalisa ngenxa yezindlela zokulondeka ezibuthaka emingceleni.

IZINSELELE EZIPHIKELELAYO

Naphezu kwamazinga asesilinganisweni empumelelo etholakele eminyakeni engu-25 edlule, bekulokhu futhi kunezinselele eziphikelelayo.

Lezi zihlanganisa ezilandelayo

- Amazinga obugebengu obukhulu nobunobudlova kuhlale kuphezulu, okubangela imiphumela yemibono ngokuphepha nokusebenza kwesixwayiso se-CJS. Okukhathazayo isimo esiba sibi kakhulu sobugebengu obenziwa kwabesifazane nezingane namanye amaqembu abantu ababuthakathaka.
- Ukungabiko kokuxhumana nokubambisana nemithetho nokusebenzisa izindlela kuyo yonke i-CJS. Ukwenza buthaka izinhlaka zikahulumeni okwenza ingethenjwa i-CJS kanye nokwenza buthaka ukubamba iqhaza kwezakhamuzi ezinhlanganweni zobulungisa ezilwa nobugebengu.
- Akukho ukuxhumana nokubambisana emithethweni nasezindeleleni zokusetshenziswa ku-CJS.
- Izinhlaka zikahulumeni eziba buthaka okunciphisa ukwethemba i-CJS kanye nokuba buthaka kokufaka isandla komphakathi ezinhlanganweni ezilwa nobugebengu.

- Ukwehluleka ukubhekana ngokuphumelelayo nezinsongo zegunya loMbuso, ukuqinisekisa ukuzinza kwamakhaya, ukuvikela, ukuvikela nokwengamela imigcele yezwe kanye nokusongelwa kokulondeka kwe-inthanethi nobugebengu obenziwa ngayo.
- Ukungaxoxi ngokwanele ngobugebengu emnothweni wezenhlalo nokuwa kwesimilo emphakathini. Izinto eziyinhloko ezibangela ubugebengu njengemiklamo yemvelo kungaphezu kwamandla nemigomo ye-CJS futhi kudinga indlela ebumbene kumaqoqo nokusetshenziswa kwezingxoxo ezibumbene nezindlela kanye nokusetshenziswa.
- Into elimazayo engekho emthethweni ngokomnotho empeleni, ukuhamba kwemali okungemthetho nezimayini ezingemthetho.



UTHI BEWAZI

IZIBOSHWA

Ezingaphansi kuka-3% emajele aseNingizimu Afrika zingabesifazane.

IZIPHAKAMISO

- **Ukuncipha kobugebengu, ikakhulu ubudlova obenziwa kwabesifazane nasemaqenjini abantu ababuthaka kanye namacala aphathelene nocansi, kufanele baziswe ngemiphumela nezinqumo ezathathwa kuyi-2019 GBV Summit. Izinhlelo nezindlela ezikhona kufanele zilungiswe imiphumela yengqungquthela noHlelo Lukazwelonke olusikiselwa.**
- **Ukuphinde kubekwe eqhulwini imisebenzi evumelana nemithombo yezimali nezinhlelo ezihlangene nohlelo lokusetshenziswa kwemali kuyo yonke i-CJS kuyadingeka ukuze kufinyelelwe imiphumela engu-80% ngokugxila emisebenzini engu-, (isimiso sikaPareto).**
- **Inkohlakalo nobugebengu obuhlobene nen-kohlakalo emphakathini nasezinkampanini ezizimele kumelwe incishiswe..**
- Intuthuko ezindabeni zokuphenya nokukhishwa kwezigwebo.
- Ukufuna izigebengu zezidakamizwa ngombono wokuziqeda ngokusebenzisa uHlelo Lokuqeda Amaqembu Ezigilamkhuba Ezweni lonke nangokubukezwa kwe-NDMP.
- Ukusho iqiniso nokwenza umthetho uhlonishwe.
- **Ukwenza imingcele yezwe ilondeke ika-khulu ngokugxila emingceleni yasemoyeni neyasolwadle.**
- Ukuqinisekisa ukuphepha kwe-inthanethi nokul-wa nobugebengu obenziwa nge-inthanethi.
- Ukwandisa ukwelashwa nokunakekelwa kwabasebenzisa kabi izidakamizwa.
- Izinhlangano zochwepheshe bokuphoqelela ukugcinwa komthetho ezigxila ekuqasheni nasekumiseni abasebenzi abafanelekayo nabanolwazi.
- Ukwandisa izindlela zokungena ezinkantolo.
- Ukuqeda Umsebenzi Wezobulungisa Wenguquko, ohloselwe ukugumbuqela inguquko yesimiso sezomthetho, kusukela ekubusweni kwabantu, ubandlululo nokwasungulwa omashiqela.

ISAHLUKO 14

Ukwakha I-Afrika Nomhlaba Ongcono



-Freedom Charter yamemezela: "*INingizimu Afrika iyoba umbuso ozimele ngokuphelele, ohlonipha amalungelo nobukhosi bazo zonke izizwe; INingizimu Afrika izolwela ukulondoloza ukuthula komhlaba nokuxazulula zonke zingxabano zamazwe ngamazwe ngokuxoxisana hhayi ngempi; Ukuthula nobungane phakathi kwabo bonke abantu kuzolondolozwa ngokunamathela emalungelweni alinganayo, amathuba nezimo zabo bonke; [futhi okokugcina]… Ilungelo lawo wonke umuntu wase-Afrika lenkululeko nokuzibusa lizoqashelwa futhi libe isisekelo sokusebenzisana ngokuseduze.*"

Ukuze sithuthukise lezi neminye imigomo i-RDP yaphawula ukuthi iNingizimu Afrika ngeke ikwazi ukwakha "*ngokuzahlukanisa nomakhelwane bayo abaseNingizimu ye-Afrika… uma iNingizimu Afrika izama ukubusa omakhelwane bayo izobekela imingcele ukukhula kwayo, inciphise abebezoba izimakethe, yenze kube kubi kakhulu ukungabiko kwemisebenzi futhi ibangele ukwanda kokuthutheleka eNingizimu Afrika*".

Ekuqaleni kombuso wentando yabantu, iNingizimu Afrika yachazwa ngokuthi umphakathi oyimbuka uMengameli wangaphambili ayichaza ngokuthi 'iklolodo lomhlaba'[299]. INingizimu Afrika ibilokhu ihlukanisiwe ngemva kokuba ixoshiwe kuyi-UN nakwezinye izingxoxo eziningi ezihlukahlukene, naphezu kukuba ibe ithuluzi ekwakhiweni komanduleli we-UN, iNhlangano Yezizwe. INingizimu Afrika enobandlululo yakhishwa inyumbazane amashumi eminyaka, izinhlangano zomhlaba wonke ezingahambisani nobandlululo ezenza imikhankaso amashumi eminyaka ukuze kuqedwe imithetho yobandlululo. Izinhlangano zenkululeko zasekelwa imibuso yase-Afrika ezimele, ngaphansi komphathi we-OAU, ngezenzo ezizinzile ngenxa yeKomiti Yenkululeko eyamiswa ngo-1973.

Isabela kulolu bumbano lwamazwe ase-Afrika, iNingizimu Afrika enobandlululo yalwa impi enkulu nomakhelwane bayo futhi yabutha amakhulu ezinkulungwane zentsha nabantu baseNingizimu Afrika abangasoli nama-namasosha ezwe lonke.

Phakathi kuka-1980 no-1989 i-Commonwealth yathi kulinganisela ukuthi "*kwafa abantu abayisigidi [okwaba nomphumela] wezigidigidi zama-dollar' okwenza umonakalo nokulimala kwezomnotho emazweni angomakhelwane … umphumela waba ingcindezi enkulu emazweni ngamazwe ukuba aqinise unswinyo eNingizimu Afrika*"[300] IKomiti Yenkululeko yachithwa ngo-1997, ngemva kokufeza injongo yayo yokuqeda ukubuswa elinye izwe nobandlululo, kodwa kwaqhubeka eSouth Sudan, eWestern Sahara, eChagos Archipelago nase-Comorian Island seMayotte.

Ngo-1994, iNingizimu Afrika yasuka ekubeni imbuka emhlabeni wonke yaba nesihlalo phakathi komphakathi wezizwe zase-Afrika nasemhlabeni. Emazwini kaMongameli wangaphambiili uMandela, phakathi ne-World Summit for Social Development ka-1995, "*ukungena kwentando yabantu eNingizimu Afrika sekwephuzile ezindabeni zamazwe ngamazwe iwukuthi singathela izithelo emhlabeni ozichaza wona*." Ushintsho lweNingizimu Afrika lwaphinde lwenzeka nasoshintshweni lomhlaba wonke ngemva kokuphela kweMpi Yomshoshaphansi nokuwa kwe-Soviet Union. Lokhu kwaba ukwamukela komhlaba '*uhlelo lwezwe elisha*', lapho amazwe asathuthuka futhi ikakhulu amazwe ase-Afrika ayesashikashikana nokuphinde avuke emiphumelei yango-1991 yokuwa komnotho womhlaba wonke ibuyele Ezinhlelweni Zokulungisa Izinhlaka (SAP) ezahluleka ezazishukunyiswa iZinhlangano Ze-Bretton Woods[301].

"*UHlelo Lwezwe Elisha*", lwalunezingxenye ezihlukahlukene. Okokuqala lwalunezici zokukhulisa umnotho emhlabeni, ngenxa yentuthuko nokusetshenziswa kwezobuchwepheshe, (ikakhulu ICT), ikhuthaze ukubumbana kwezomkhiqizo nezinqubo zokuphatha kuzo zonke izilwandlekazi, ukuhweba okukhulu ngamathuluzi ezezimali nokwandisa ukuhweba ngezimpahla nangezinkonzo. Eminyakeni engu-25 edlule, ukukhula kweminotho ehlanganisiwe eNingizimu esathuthuka, kakhulu ezingweni ezinkulu zase-Asia ne-China, kanye namanye amazwe akha i-BRICS njengaseRussia naseBrazil, abona ukushenxiswa kokubuswa komnotho okukodwa eNtshonalanga[302], naphezu kwenhlekelele yase-Asia ngo-1997.

Ukwenziwa kweMpumalanga Yurophu ibe intando yabantu nezinguquko eziyisisekelo kuyi-NATO, okwakuyi-Soviet Union, iGermany ne-EU kwaba nethonya ohlelweni lokusebenzisa imali, imisebenzi, inhlala-kahle,

299 UMengameli. 2014. Ukuhlolwa Kweminyaka Engu-25, k148.
300 Pahad, A. 2014. Insurgent Diplomat: Izinkulumo Zomphakathi noma Impi Yomphakathi, k82.
301 NEPAD. 2018. "Indlela Ye-Afrika Indlela Ye-Afrika eya ku-2063: Ukukhetha ebusweni boshintsho olukhulu," p5.
302 Steinbock, D. 2017. Amandla okulinganiswa komnotho womhlaba wonke kuyagudluka. Website: www.weforum.org/agenda/2017/09/the-global-economic-balance-ofpower-is-shifting.

ukukhula kwezomnotho nezinye izici eziningi zokuphila. Ngokuphambene nalokho okwakulindelwe ekuqaleni, lezi zinguquko azizange zilethe ukuthula nokuchuma, njengoba umhlaba wawucabanga ngokwengeziwe ngohlobo nangesimo esicindezelayo.

Ngokombono wezomnotho, ukuphela kokulwa kwaseMpumalanga/Ntshonalanga endala kwaletha ukwanda kokuncintisana ngokutshala izimali nezimakethe, kanye nokuncintisana kokuya phansi, kwabuye kwaletha amathuba okwakha ubungane obusha kwezomnotho nezindlela ezintsha. Kwakulindeleke ukuba i-WTO idlale indima enkulu ekukhuthazeni ukuhweba komhlaba wonke nezixazululo zezingxabano zokuhweba ikakhulu ngaphansi kweSivumelwano Esivamile Sezintela Nokuhweba. Emazwini kaMengameli wangaphambili uNelson Mandela kuyi-United States Congress ngezi-6 October 1994:

"*Ngokuqinisekile inkathi entsha izofuna ukuba intando yabantu kumelwe isho ukuphila okunezinto eziningi. Njengoba izithombe zokuphila kwabantu abahlala emhlabeni wonke zazizotholakala kubo bonke abantu, ngakho nomehluko phakathi kwabacebile nabampofu, ngaphakathi kwezwe nakwamanye naphakathi kwezwekazi nakwamanye amazwekazi kwaba amandla ashukumisayo ukuba abangatholi lutho bathole ukuphila okungcono emibusweni, kungakhathaliseki ukuthi bahlalaphi.*"

Ngo-1994, iNingizimu Afrika yasuka ekubeni imbuka emhlabeni wonke yaba nesihlalo phakathi komphakathi wezizwe zase-Afrika nasemhlabeni.

INingizimu Afrika, njengenomnotho omncane kuya kolingene nomnotho ovulekile noyingxube oncike ekuhwebeni namazwe ngamazwe, kwadingeka idlale indima yentuthuko yezokwakha "*uhlelo olusha lomnotho wezwe*" ukuze kube nezindlela zokulingana okwengeziwe.

Ngaphezu kwethonya lezobuchwepheshe, ukuhwebelana komhlaba wonke kuye kwaba nesimo kwezepolitiki yamazwe. Njengoba umhlaba ulungiselela ukuqala kwenkulungwane entsha ngemva kweMpi Yomshoshaphansi, kwakulindelwe okukhulu endabeni yokuthula nokugxila ekulondekeni kwabantu, njengoba kuboniswa i-UN Millennium Declaration ka- 2000. Nokho, izenzakalo zango-9/11 ngo-2001 zaqeda okuningi okuhle, futhi inkathi 'yeMpi Yokwesaba, eyenza i-USA yachitha imali elinganiselwa kumadollar angu-5.9 trillion ezimpini zango9/11 – e-Iraq, e-Afghanistan, ePakistan naseSyria – phakathi kuka-2001 no-2018[303]. Leli nani alihlanganisi izindleko zempi – zako kokubili abantu nezimai – emazweni athinteka ngokuqondile izimpi zokwesaba.

Ubukhulu bezepolitiki nokulondeka kuye kwaba enye yezinto eziyinhloko ekuthuthukiseni uhlelo olusha. Nakuba intanto yabantu iye yaletha izinhlangano zentando yabantu ezakhamuzini eziningi emhlabeni

303 Crawford, N. 2018. Izindleko Ze-United States Ngemva Kwezimpi Zango-9/11 Nge-FY2019: US$5.9 Trillion Eyachithwa Neyayiyis-ibopho. Izindleko Zomsebenzi Wempi, Watson Institute, Brown University.

wonke, kwanda izingozi zokulondeka. Nakuba kuye kwaba nokushenxiswa kwezingozi zaphambilini zamandla amakhulu enuzi nezingxabano kwezinye izinhlobo zokulondeka, uhlelo olusha lwaletha ubukhulu obengeziwe ezifundeni noma emakhaya, ukuhlanganiswa kwabantu abangasebenzeli umbuso, nokuxoshwa okwaba usongo olukhulu ekuthuleni. Ukuvuselela kwezinhlangano zobuzwe kwezinye izindawo kwabangela izingxabano eziqhubekayo, ukwanda kwezingxabano zobuhlanga, ubugebengu obuhleliwe, ukushushumbiswa kwezidakamizwa, ukweqa kwabantu imingcele, ababaleki nokuputshuka kwezikhali okwaholela ezingxabanweni phakathi kwamazwe angomakhelwane futhi iqinisa ukucindezeleka kombuso.

Izwekazi lase-Afrika, elihlobene kakhulu nekusasa leNingizimu Afrika, yalithola ithonya lohlelo lwezwe elisha. Ekwakhiweni nasekusetshenzisweni kweNingizimu Afrika umthetho wamazwe ngamazwe kuleli zwekazi, kwagxilwa kakhulu ezindleleni zokuvimbela izingxabano futhi lapho zaziqubuke khona ukuba kube neqhaza ekuthuleni nasentuthukweni. Ukuphela kobandlululo eNamibia naseNingizimu Afrika, ukuphela kokuqothulwa kohlanga eRwanda nokuphela kweMpi Yomshoshaphansi kwenza leli zwekazi laba namathuba amasha okulungisa ikusasa lawo. Isizukulwane esisha se-Pan-Afrikanists samela amakhambi okuxazulula izinkinga zase-Afrika zezingxabanto nentuthuko encane.

Njengomnikelo wayo, iNingizimu Afrika yaqala ukuthatha isikhundla sayo sokuba phambili ekwakheni izinhlangano zokubusa nokuthuthukisa izwekazi lase-Afrika, ukuba libe i-Afrika enokuthula nokuchuma. Iye yayazisa le ndima ngokukhuthaza ubungane nokubambisana kuyi-Global South ukuze iqinisekise umhlaba onobulungisa lapho zonke izakhamuzi zomhlaba zizovuna khona izinzuzo ezinjengokuhwebelana kwembulunga yonke.

INTUTHUKO EMINYAKENI ENGU-25 YENTANDO YABANTU

Ukuphela kobandlululo nokufinyelela intando yabantu kwenza izinguquko ezinkulu emithethweni yaseNingizimu Afrika yamazwe ngamazwe. Izinkinga ezinkulu zahlanganiswa ekuthuthukiseni ushintsho e-Afrika, lapho iNingizimu Afrika yahola khona namanye amazwe ezwekazini, ukuze ilethe ukuthula nentuthuko, iqinise izinhlangano zase-Afrika. Yahlanganisa ukumiswa kabusha kweNingizimu Afrika esiteji sembulunga yonke, ukuthola ukumelelwa okugcwele nobulungu ezinhlanganweni zamazwe ngamazwe nezezifunda, nokumisa ukuba khona kwamanxusa embulunga yonke.

INingizimu Afrika (yaphinde) yajoyina izinhlangano ezihlukahlukene, kuhlanganise ne-Commonwealth, i-UN, i-OAU, i-SADC, neNhlangano Engekho Ohlelweni phakathi kwezinye.

Ukwamukela kweNingizimu Afrika 'i-Afrikan Agenda' eyagcizelela ngokuyinhloko ukubaluleka kobuhlobo phakathi kwezwekazi kwakhula ngobukhulu nangokujula ekuqaleni kweshumi lokuqala leminyaka yenkululeko ngaphansi kwesihloko esithi 'Afrikan Renaissance'. Ukugxila ezintweni ezimbili kwakuwukuqinisa izinhlaka zezinhlangano ezazisekela inqubo yokuvuselela (ngokwesibonelo ukuguqula i-OAU ibe i-AU), nokuthuthukisa le policy agenda ngamathuluzi anjenge-NEPAD ne-Afrikan Peer Review Mechanism (APRM).

INingizimu Afrika yasebenza namanye amazwe ayinhloko e-Afrika (aphawulekayo i- Algeria, iNigeria ne-Senegal) ukuze yamukele umbono nohlelo lwe-NEPAD, futhi ithuthukise lokho okwaba i-NEPAD Secretariat futhi kamuva uHlelo Lwe-NEPAD Nenhlangano Yokuxhumanisa neNhlangano Yokuthuthukisa i-AU. Ukusekela kweNingizimu Afrika nokwamukela i-Pan-Afrikan Parliament iye yahloselwa ukusiza ekuthuthukiseni intando yabantu nokubusa ezwekazini[304].

INingizimu Afrika yaqala nokuphinde ihlakulele ubuhlobo ne-Global South ngesikhathi esifanayo, ilondoloze ubuhlobo obuhle nemibuso yomhlaba ezinzile nokuhola ezinyathelweni zemigomo ye-G8, ne-European Union (EU) ne-United States (US). Ilyona kuphela izwe lase-Afrika eku-G20, futhi iye yafuna ukumelela izinto ezithandwa abantu base-Afrika kulezi zingxoxo. INingizimu Afrika iye yasebenzisa nokuhlanganyela kwayo ezingxoxweni zomhlaba zomnotho wezenhlalo nezobulungisa, futhi yakhuthazwa uMthetho-sisekelo waseNingizimu Afrika.

Ezingxoxweni ezihlukahlukene namazwe ngamazwe, iNingizimu Afrika yaba nezindima ezihlukahlukene; kusukela ekubeni ingxeye evamile yosomabhizinisi kuya ekubeni nengxenye ekucabangeni ngemithetho yamazwe ngamazwe, kuya ekwakheni ibhuloho – lokuhlanganisa izinhlangano ezazinemibono ehlukahlukene kakhulu.

Ukuhweba: Ekuqaleni, indlela yokuhweba yeNingizimu Afrika yayinezici ezinjengezovemvane, ukuvula amaphiko amasha okuhweba ne-EU neNyakatho Melika, kanye ne-Asia ne-Latin America kuya empumalana nasentshonalanga[305]. INingizimu Afrika isohlwini lwabakhiqizi abakhulu kunabo bonke begolide futhi iphakathi kwezizwe ezihamba phambili ekukhiqizweni kwe-chrome, i-manganese, i-platinum, i-vanadium ne-vermiculate.[306]

304 Department of International Relations and Cooperation. NEPAD, Historical Overview. Website: http://www.dirco.gov.za/au.nepad/historical_overview.htm.

305 UMnyango Wezohwebo Nezezimboni. 2001. "Ukukhuthaza Ukuncintisana: Indlela Yezezimboni Ebumbene Yomsebenzi Ozinzile Nokukhula".Website-http://pmg-assets.s3-website-eu-west-1.amazonaws.com/docs/2001/appendices/010529Strategy.htm.

306 www.usgs.gov/centers/nmic/mineral-commodity-summaries


NS
2018
BUILDING AND
INVESTING IN
PEACE FOR ALL
UN GLOBAL COMPACT
UNITED NATIONS
PRIVATE SECTOR FORUM
BUILDING AND
INVESTING IN
PEACE FOR ALL



Figure 14.1: Nominal Trade in Millions of Rand (June 1992 to April 2019)
Umthombo: tradieconomics.com

Njengoba kuboniswe esithombeni 14.1 inzuzo evamile yezimpahla nezinkonzo eziya kwamanye amazwe ezivela eNingizimu Afrika zakhula zisuka ku-R106 billion ngo-1994 zaya ku-R1.4 trillion ngo-2017. Ngokuvamile, iNingizimu Afrika iyisa kwamanye amazwe izimpahla ezimbiwayo nezihlanganisiwe. Nokho, imikhiqizo embiwa phansi, njengamaphesenti ayingqikithi yezinto ezithunyelwa kwamanye amazwe, kwancipha ngo-51% (ngokwezimali) ngo-1993 kwaya kuu-37%, ngo-2017, kuyilapho amasheya emikhiqizo eyenziwe yanda isuka ku-39% ngo-1993 yaya ku-56% ngo-2017[307]. INingizimu Afrika iye yakwazi ukwenza izimakethe zayo zaba ezihluke kakhulu. Ukuthumela izinto e-Afrika nasemazweni angu-28 e-EU kwenza safinyelela imigomo emikhulu kunayo yonke, kodwa ukuthumela eChina kuye kwakhula ngokucacile kwacishe kwaba iqanda ngo-2001.

Ngo-1994, ukuhweba phakathi kweNingizimu Afrika ne-Afrika kwaba nengqikithi engu-R11.4 billion. Ngo-December 2017, ingqikithi yeNingizimu Afrika yokuhweba ne-Afrika yama ku-R 420 billion, nokwengeziwe kakhulu kohweo ngenzuzo yeNingizimu Afrika, okubonisa ukukhiqizwa okuphansi emazweni amanigi ase-Afrika. Njengengxenye yengqikithi yezinto iNingizimu Afrika ezithumela kwamanye amazwe, indawo yase-Afrika ibe imakethe eyodwa enkulu kunazo zonke yezimpahla zaseNingizimu Afrika. Njengoba kuboniswe esithombeni 14.2 Iziphahla eziya kwamanye amazwe ezingu-26% ingqikithi iNingizimu Afrika ezithumela kwamanye amazwe, ezingenayo ziyingqikithi engu-12% ngo-2018[308].



UTHI BEWAZI

IZINYONI

Izinhlobonhlobo zezinyoni ezingu-25% emhlabeni zise-Afrika

307 Umthombo: UMnyango Wezohwebo Nezezimboni. 2018. Ukulungiselelwa kwephepha Lokuhlola Kweminyaka Engu-25.
308 www.tralac.org/resources/our-resources/13142-south-africa-intra-africa-trade-and-tarriff-profile.html

Ukutshala imali: Ukuhlanganyela kwamabhizinisi aseNingizimu Afrika endaweni kubonakala kubalulekile ekuhwebeni kwayo okuyinsada ne-Afrika. Izinkampani zaseNingizimu Afrika zaba futhi abadlali abayinhloko endleleni yokusebenza kwezimboni endaweni. Ukuze isekele ukuhweba nokutshala imali ezwekazini, iNgxenye Yokutshala Ezohwebo E-Afrika yakhiwa ngo-April 2016. INingizimu Afrika (kanye ne-Nigeria, iGibhithe futhi ngokukhula iMorocco neKenya) iphakathi kwabatshali zimali abaphezulu abayishumi ezwekazini lase-Afrika, phakathi nokutshalwa kwezimali e-Afrika okubone into eyinhloko ekhuthaza ukukhula nokubambisana. Ukuze ikhuthaze ukutshalwa kwezimali e-Afrika njengengxenye yomsebenzi wokubambiana kwezomnotho, ilungu lombuso we-AU liye laqala izingxoxo ngokuklama ikhodi yokutshalwa kwezimali kuyi-pan-African ehloselwe ukuvumelanisa izimiso zokutshalwa kwezimali ezikhona nezezwekazi.

INingizimu Afrika Ne-Afrika

INingizimu Afrika yaphinde yaqala izingxoxo zesivumelwano ne-Southern African Customs Union (SACU), ilungiselela ukunikeza amandla ayo okwenza izinqumo ngokungagodli. Isivumelwano esisha ne-SACU ekugcineni sasayinwa ngo-2002 ukuze sikhuthaze ukuhlanganyela ekwenzeni izinqumo nokuvumela ukuhlanganyela ilungiselelo elisha lokuhlanganyela izintela okuhloselwe ukuqinisekisa ukuzinza kwentela. Ngo-2001, i-SADC yafinyelela ingqophamlando ephawulekayo ngokusungula i-Free Trade Area (FTA) ngokwamukela iphrothokholi yokuHweba Ye-SADC. Nakuba ukusetshenziswa kwe-SADC FTA kuye kwaqedwa kakhulu, kuhlale kungaphelele. I-SADC iye yashenxa yaya ekubeni isibonelo sokubumbana okugxile ekusebenziseni umthetho wezimboni wendawo njengethuluzi lentuthuko nokubambisana, uhlobo olusebenzayo nolwentuthuko yokubambisana. Isivumelwano Sokuhweba Ngokukhululekile Se-Tripartite samiswa ngo-2015. Izimiso zezintela kusaxoxwa ngazo manje.

Izinqubo zokubumbana ezwekazini: I-NEPAD, nezindlela ezihlukahlukene zengqala-sizinda Nezwekazi I-Afrika FTA (AfCFTA)

INingizimu Afrika, ibambisene namazwe ayinhloko ase-Afrika, iye yaba phambili ekuthuthukiseni nokusebenzisa ukusekelwa ngamazwe ngamazwe kwe-NEPAD njengohlelo lwentuthuyo yomnotho wezenhlalo e-Afrika. INingizimu Afrika iye yamukela i-NEPAD Secretariat kusukela yamiswa ngo-2001.

INingizimu Afrika idlala indima ebalulekile ekuthuthukiseni ingqala-sizinda yase-Afrika futhi ihola i-NEPAD Presidential Ifrastructure Championing Initiative (PICI). Kulo msebenzi, yaba eyokuqala eMgwaqweni Osuka Enyakatho Uye Eningizimu Nentuthuko Kuloliwe, okuyingxenye futhi ye-PIDA. INingizimu Afrika iye yakhuthaza futhi intuthuko e-Afrika, ikakhulu izinhlelo zokubeka eqhulwini ze-NEPAD, ngokubamba iqhaza nangokuhola ebuhlotsheni obuhlukahlukene ne-AU njengeZingxoxo Zokubambisana KweChina Ne-Afrika, i-Tokyo International Conference eNtuthukweni Ye-Afrika, iZingxoxo ZeKorea Ne-Afrika, iZingxoxo Ze-Afrika Ne-India, iZingxoxo Ze-Turkey Ne-Afrika ne-G8 efinyelela e-Afrika.

Ngo-2013, ilungu lombuso i-AU, kuhlanganise neNingizimu Afrika, lasayina i-50th Anniversary Solemn Declaration, elaqala ukuba liphethe i-Agenda 2063: Esikufunayo E-Afrika, uphawu lwentuthuko e-Afrika lweminyaka engu-50 ezayo. I-agenda nohlelo lokusetshenziswa wayo iminyaka yokuqala engu-10 ibonisa imisebenzi eseqhulwini ehlanganisa izindawo zomnotho, ingqala-sizinda, imfundo, intuthuko kubantu, ukubambisana nokukhuthaza izindawo, phakathi kokunye. Njengomholi enhlanganweni yengqala-sizinda futhi inikezwe isisekelo sokukhiqiza (ukuncipha kwe-albeit) kanye nokuba kulindeleke ukuba ihole endabeni yezobuchwepheshe nokukhuthaza, iNingizimu Afrika kuzodingeka idlale indima eyengeziwe ekufezeni i-Agenda 2063, nezindawo ezihlobene eziseqhulwini.

ISivumelwano Sase-Abuja, esamukelwa ngo-1991 i-OAU, sanikeza uhlaka lokubumbana kwezomnotho kwe-Afrika. Nakuba ekuqaleni kwakunentuthuko encane ezingeni lwezwekazi, ngomnotho wemiphakathi yezindawo, ukubumbana komnotho okwaqala ukuthola ukulandelana. Ngemva kokugujwa kweminyka engu-50 kwe-OAU/AU ngo-2013, nokwamukela i-AU Agenda 2063, i-agenda yokubambisana ezwekazini Izinga lathola ukulandelelwa. I-Extraordinary AU Summit yango-2017 eyaqhutshelwa eKigali, eRwanda. INingizimu Afrika yasayina i-AfCFTA phakathi ne-Ordinary Session of the AU Summit Yesi-31 eMauritania ngo-July 2018.

EU-INingizimu Afrika Ne-EPA

Selokhu kwaqala ukusebenza Isivumelwano Sokuhweba, Intuthuko Nokubambisana (TDCA), ingqikithi yezohwebo yanda isuka ku-R150 billion ngo-2000 yaya ku-R599.86 billion ngo-2017, ukukhula okucishe kube u-300%. Izinto iNingizimu Afrika eyazithumela ku-EU zanda zisuka ku-R64 billion ngo-2000 zaya ku-R262 billion ngo-2017, ukwanda ngo-309%[309]. Isici esiyinhloko sokuthumela izinto kwamanye amazwe kweNingizimu Afrika kuyaqhubeka kuba imikhiqizo eyinhloko nakuba kube nokwanda okuphawulekayo ekuhlanganyeleni izinto ezinenzuzo zokuhweba. ISivumelwano Se-SADC-EU Economic Partnership (EPA) sangena esikhundleni

309 UMnyango Wezohwebo Nezezimboni. 2018. Iphepha lokulungisela Ukuhlola Kweminyaka Engu-25..

Isithombe 14.2: South Africa Intra-Africa trade and tariff profile - 2018.
Umthombo: https://www.tralac.org/resources/our-resources/13142-south-africa-intra-africa-trade-and-tariff-profile.html#moredownloads



samalungiselelo e-TDCA ngezi-10 October 2016. I-SADC-EPA izothuthukisa ezezimboni kuzwelonke nasezindaweni ngokukhuthaza uhwebo, ukunikeza isisekelo sokwenezelwa kwezinto nokuzuza phakathi kweketanga lenzuzo yendawo.

Iningi lesibambisene nabo eNtshonalanga Yurophu lithuthukela endleleni yokusiza liya ekubambisaneni entuthukweni yezomnotho neNingizimu Afrika. Lolu sizo luye lwagxila ngokuvamile emigomweni nezinto eziseqhulwini ze-NDP. I-Official Development Assistance (ODA) yamanje evela ku-EU, engena nge-South African-EU Multi-Annual Indicative Programme (MIP) yeNingizimu Afrika, ifinyelela ezigidini zama-Euro ayizigidi ezingu-241 izigidi ukuze kuxhaswe umjikelezo ka-2014 kuya ku-2020. Izindawo zayo ezintathu eziseqhulwini zihlanganiswe nemigomo ye-NDP okungukuthi – ukudala imisebenzi, imfundo, ukuqeqesha nokusungula; nokwakha imibuso efanelekayo nethuthukayo.

I-USA

Ubuhlobo phakathi kweNingizimu Afrika ne-US baqala ngemva kokuphela kobandlululo, kuhlanganise ukuqinisa ubuhlobo bamazwe amabili, kanye nokuhweba kwamazwe amabili ngokuvumelana noMthetho Wokukhulisa I-Afrika Nethuba (AGOA). Ingcindezi phakathi kweNingizimu Afrika ne-US kwavela ngo-2015 lapho uMengameli wangaleso sikhathi We-US uBarack Obama asongela ngokuphindaphinda intela yeNingizimu Afrika yezinto ezithile eyayizithumela kwamanye amazwe mahhala. Muva nje, i-US yabekela iNingizimu Afrika imithetho emayelana nentela yensimi, kuyilapho ikhulula amanye athumela insimbi eningi e-US. Nakuba kungacaci ukuthi yini ezolandela, zonke izibonakaliso ziwukuthi i-US izofuna ukuphindaphinda izivumelwane zokuhweba endaweni. Ikakhulu iNingizimu Afrika, ne-SACU, idinga ukuzilungiselela isivumelwano sangemva kwe-AGOA.

> Iningi lesibambisene nabo eNtshonalanga Yurophu lithuthukela endleleni yokusiza liya ekubambisaneni entuthukweni yezomnotho neNingizimu Afrika.

Amanye Amazwe

Izivumelwano eziningana zokubambisana kwezomnotho ziye zaphethwa emazweni asathuthuka, kuhlanganise neSivumelwano Sokuhweba Se-Preferential phakathi kwe-SACU ne-MERCOSUR (ngemva kokuhlehliswa okuningana), sasetshenziswa ngo-April 2016. Kwaxoxwa ngesivumelwano esifanayo e-India.

Ngo-2011, i-Asia yadlula iYurophu njengendawo yaseNingizimu Afrika enkulu kunazo zonke yokuhweba emnotheweni womhlaba wonke. Ngo-2017, ingqikithi yokuhweba ye-Asia yafinyelela ku-R880 billion.

Ukuthuthukisa ukuthula, ukulondeka nokuzinza ezwekazini kanye nezizwe eziningi kuyizimiso eziyinhloko zemithetho yamazwe ngamazwe eNingizimu Afrika, futhi izwe lawela ukumisa izinhlaka ezicacile zokuqondisa ukuthula nokulondeka endaweni nasezwekazini. Iqondisa imizamo yayo yokuthula nokulondeka ezizweni eziningi kwenza lokhu kungenela kufaneleke futhi kusekelwe ezidingweni.

Ukwakha izinhlangano ezidingekayo zokwengamela ukulondeka nezingxabano kuyi-SADC naku-OAU/AU zazishukunyiswa umbono wokuthola ‘amakhambi ase-Afrika ezinkingeni zase-Afrika’. Imvelaphi yezingxenye ezihlukahlukene yokucabangela kweNingizimu Afrika ukuthula nokulondeka njengokuhlobene kakhulu nentuthuko iyabonakala emathuluzini anjenge- NEPAD, i-Agenda 2063 ne-SDG 2030Agenda egcizelela ukubaluleka kwemithetho exoxa ngezinto zepolitiki zesikhathi eside, ubuthakathaka bezomnotho nobezenhlalo. Ngo-2012 iNingizimu Afrika yabeka phambili ngokuphumelelayo umuntu ozoba usihlalo eKhomishaneni ye-AU, okwaba futhi owesifazane wokuqala Nosihlalo WeKhomishane Ye-SADC.

Izinyathelo zokuxazulula izingxabano

Indlela yokuxazulula izingxabano zaseNingizimu Afrika incike ezinsikeni ezintathu: amanxusa avimbelayo, ukwakha nokwenza ukuthula. Izwe liye lagxia ezingxoxweni, ukuhlanganiswa emakhambini ezepolitiki.

Kusukela ngo-1994 iNingizimu Afrika iye yahola emizamweni eminini yokuxazulula izingxabano ezinkulu: eBurundi, eComoros, eCôte d'Ivoire, eDRC, eLesotho, eSudan/South Sudan naseZimbabwe. Isifundo esivelile ukuthi amazwe ngemva kwezingxabano aba buthaka isikhathi eside, enamathuba amaningi okuwa, okusho ukuthi ukuze iphumelele ekwakheni ukuthula, iNingizimu Afrika kumelwe ibe sesimweni sokuzibophezela ngemithombo nangale kokusayina izivumelwano zokuthula ukuze iqondise 'indlela enezingxenye ezihlukahlukene'. Ngaphezu kwazo zonke izifundo ukuthi ukuthula nokulondeka okuhlala njalo ngeke kuvikelwe uma ingekho intuthuko.

Ukuphinde kuxoxwe namanxusa

Manje kunabameleli abangamanxusa emazweni angu-47 kwangu-55 e-Afrika. Kusukela ngo-1994, iNingizimu Afrika iye yasayina ingqikithi yezivumelwano zamazwe amabili ezingu-1943 nezivumelwano zamazwe amaningi ezingu-322; okwaba nengqikithi yazo zonke izivumelwano zamazwe ngamazwe ezingu-2265.[310] Ibuye ibe nebambisene nabo abaningana ezingeni lezinhloko zombuso, kuhlanganise iChina (ngo-2010 eyaphakanyiswa yaba i-Comprehensive Strategic Partnership – eyiyo kuphela ewuhlobo lwayo), i-India, i-EU, ne-Brazil. Ngenkathi ngaphakathi i-ODA, eyenganyelwe ihhovisi Lomgcini-Mafa, liye laba ingxenye encane yalo lonke uhlelo lukazwelonke lokusetshenziswa kwemali, usizo oluvela emazweni ayi-OECD ezindabeni ezinjengempilo, imfundo, indawo nezobulungisa, phakathi kwezinye, iye yadlala indima ebalulekile ekusizeni iNingizimu Afrika ukuba ibhekane nezinselele ezithile ezicindezela kakhulu zomnotho wenhlalo nezepolitiki. I-ODA ibuye yasekela umkhakha womphakathi eNingizimu Afrika futhi yanikela ngokuqinisekisa ukuthi Ukuhileleka kweNingizimu Afrika ekulondolozeni ukuthula nokulondeka e-Afrika.

Ukukhuthaza isimiso sokulingana kuhulumeni womhlaba wonke

Uhulumeni waseNingizimu Afrika uhlale eyikhuthalele imizamo ebumbene yohlelo lwezoshintsho lokubusa komhlaba wonke, kuhlanganise isimiso se-UN neZinhlangano Ze-Bretton Woods. Lezo zinguquko kufanele zandise izwi lamazwe asathuthuka kulezi zinhlangano futhi inike i-agenda yabo izinkathazo zamazwe asathuthuka.

INingizimu Afrika ibuye isekele umphumela wentuthko kuyi-Doha Development Round (DDR) ye-WTO, phaathi kwezinye izindlela, ukudlala indima ebalulekile kuyiQembu Lase-Afrika, i-G77 nokwezinye izinhlangano zamazwe ngamazwe.



IMIGOMO YE-AFCFTA:

- **Ukusungula imakethe eyodwa ezwekazini yezimpahla nezinkonzo, nokuhamba ngokukhululekile kwabantu abanamabhizinisi nokutshalwa kwezimali**
- **Inyunyana Yamasiko Abantu Base-Afrika**
- **Ukwandisa ukuhweba ngaphakathi e-Afrika ngokuvumelanisa nokubambisana kangcono nenkululeko yokuhweba nokukhuthaza imibuso namathuluzi kuwo wonke ama-REC nakuyo yonke i-Afrika.**
- **Ukuxazulula izinselele ezihlukahlukene nobulungu obulakanyanayo nokusheshisa izinqubo zokubambisana endaweni nasezwekazini.**
- **Ukuthuthukisa ukuncintisana ezingeni lezimboni nezamabhizinisi.**

I i-African Union
Iwebhsayithi: https://au.int/en/ti/cfta/about.

310 Department of International Relations and Cooperation (2019), South African Treaty Section, Office of the Chief State Law Adviser

Intuthuko Nokuguquguquka Kwesimo

Sezulu INingizimu Afrika iye yadlala indima enkulu ezimpikiswaneni zomhlaba zentuthuko, ukuba usihlalo kuyi-G77 kuhlanganise neqembu laseChina ngezikhathi ezibalulekile zokuqubuka kwe-agenda yentuthuko emhlabeni wonke.

INingizimu Afrika yabuye yabamba nezingxoxo zamazwe ngamazwe ezashintsha isiqondiso sentuthuko yamazwe amaningi nezinqubo zendawo. Lezi zihlanganisa i-World Summit on Sustainable Development (WSSD), i-COP17 yokuguquguquka kwesimo sezulu ne-17th Conference of the Parties (COP17) ye-Convention on International Trade in Endangered Species of Wild Fauna and Flora.

> Ukuze iphinde yakhe idumela nokuphumelela kwayo endaweni yamazwe ngamazwe, iNingizimu Afrika kuzodingeka inqobe ezinye zezinselele eziyinhloko eziboniswe kulokhu kuhlola.

Ukwakhela ekuzibophezeleni kwakho ukuvikela nokulondoloza indawo ukuze isetshenziswe izizukulwane ezilandelayo eyamiswa ngokubamba i-WSSD ngo-2002, INingizimu Afrika yabamba ngokuphumelelayo i-COP17/CMP7 Yomhlangano Wohlaka Lokuguquguquka Kwesimo Sezulu ngo-November/December 2011. Leli zwe labonisa ubuholi obungefaniswe ekuhlengeni uhlelo olukhulu kunazo zonke lwe-UN lokuguquguquka kwesimo sezulu nokushintsha izingxoxo zibe ezakhayo. Kwamiswa izinhlobo ezintsha zezinhlaka, njenge-Durban Platform for Enhanced Action, i-Green Climate Fund ne-Adaptation Committee. Kwakuyimiphumela ye-Durban Summit eyanikeza iNingizimu Afrika izingxoxo zokuguquguquka kwesimo sezulu, okwenza yasayina Isivumelwano SaseParis ngo-December 2015.

INingizimu Afrika yayiphakathi kwamazwe ayehola ezingxoxweni zama-MDG futhi ekugcineni yaba khona kuyi-2030 Agenda for Sustainable Development (ama-SDG). Amazwe asathuthuka abuye athone imiphumela yezingxoxo Zokuguquguquka Kwesimo Sezulu EParis, nemiphumela yamazwe ngamazwe ekuthuthukiseni izimali.

Amalungelo abantu nobulungisa emazweni ngamazwe

Amalungelo abantu nobulungisa emazweni ngamazwe kuye kwaba izihloko ezibalulekile emihlanganweni yaseNingizimu Afrika ezingxoxweni zomhlaba. Ngo-2001 iNingizimu Afrika yabamba iNgqungquthela Yomhlaba ngokumelene Nobuhlanga, Ubandlululo Lobuhlanga, Ukubulawa Kwamaphandle Nokubekezelelana Okuhlobene Nakho. Lokhu kwaba ingqungquthela eyinselele kakhulu kulabo ababeyiqhuba ezindabeni zezikhundla ezincintisanayo okwadingeka kuxoxwe ngazo. INingizimu Afrika iye yakhonza izingxenye ezintathu kuyi-UN Human Rights Council (HRC).

INingizimu Afrika ibuye yaba nendima ezinguqukweni kusukela kuyiKhomishane Yamalungelo Abantu (HRC) ngo-2006. INingizimu Afrika ilungiselela ushintsho kuyi-HRC enkathithi eqala ngo-2021-2026 okungase kubone i-HRC ishintsha ibe isici esikhule ngokugcwele kuyi-UN. INingizimu Afrika iye yaqinisekisa amathuluzi amaningi e-Human Rights. INingizimu Afrika ibuye yaphumelela ekukhankaseleni ukhetheo lwezazi zayo ezindikimbeni zamalungelo abantu kuyi-UN.

I-WTO

INingizimu Afrika iye yahlangabezana ngokugcwele nezibopho zayo ze-WTO futhi iyaqhubeka nezingxoxo zazo zamazwe ngamazwe inenhloso yokushintsha nokuthuthukisa izinhlangano nemithetho ebusa ezomnotho zomhlaba wonke, ukuvula ukukhula kwentuthuko nomnotho emazweni asathuthuka. INingizimu Afrika isalokhu izibophezele ezingxoxweni zamazwe ngamazwe ngaphansi kwesisekelo se-DDR somphumela wokuthi isekela ezezimboni zezwe lonke, ukuthuthukiswa kwezinkonzo nezolimo nokusebenza okubekwe kuyi-NDP. Nokho, izingxoxo zohwebo lwamazwe ngamazwe ziye zama, futhi amazwe athuthukile acabangela ukuthi i-DDR isiwufinyelele umgomo wayo. Ngakho, ukuvuselela izingxoxo kuyoba inselele eyinhloko ekuqhubekeleni phambili.

Izindlu Zokuhlangana/Ukuhlanganisa Okungakahleleki

Ukuthambekela okukhulayo ukuthi amazwe acabanga ngendlela efanayo ahlangane ngaphandle kwezinhlaka ezihlelekile zamazwe ngamazwe ukuze axoxe ngezinkinga eziqondile ezithinta umphakathi wamazwe ngamazwe. Amaqembu agxila ezinkingeni zomhlaba ezihlobene nezepolitiki, ukulondeka, izindaba eziphathelene nendawo nezomnotho. INingizimu Afrika iyakusekela lokho kuhlangana ngenjongo yokwakha, kuyilapho

iqaphela ukuthi la maqembu kufanele aqinise ubukhulu be-UN. INingizimu Afrika iyilungu le-G20, i-BRICS ne-IBSA.

Ukubamba iqhaza kweNingizimu Afrika kuyi-G20 kuye kwagxila ekwakheni ezomnotho nemithetho yamazwe ngamazwe yezezimali ezoshukumisa futhi ixoxe ngemiphumela emihle kakhulu engase ifinyelelwe kuyi-agenda yentuthuko. INingizimu Afrika iye yaba uSihlalo Wasikhathi sonke weQembu Lentuthuko Elisebenzayo (DWG) kusukela ngo-2010 ukuze ikhuthaze izinto eziseqhulwini ezweni lonke nasezwekazini. Enye yezindawo iNingizimu Afrika egxile kuyo kule ndaba ibe ukuxoxa ngobubi bokukhishwa kancane kwezimali (IFFs). INingizimu Afrika iye yaphumelela kakhulu ekudonseni i-G20 ne-OECD ukuze ithonye ama-IFF emazweni asathuthuka.

Ukuzibophezela kuyi-South-South Cooperation yeNingizimu Afrika kuye kwalwelwa ngezindlela ezintathu eziyinhloko: ukubamba iqhaza ekuvuleni izikhundla emazweni asathuthuka ezingxoxweni eziyinhloko zamazwe ngamazwe, ukuhlanganyela ezingxoxweni ze-Global South ukuze zithuthukise i-Agenda yase-Afrika nezinto ezithandwa eNingizimu; ukuqinisa ubuhlobo bamazwe amabili emazweni aseNingizimu ukusekela izinto eziseqhulwini ezweni lonke nankuyi-agenda yase-Afrika. Lezi zingxenye ezihambisana nokukhuthaza ushintsho emhlabeni, ubumbano emazweni ngamazwe, ukungena ezimakethe, ukuhweba nokutshala imali. Ukwakhiwa kwezinhlangano eningizimu, ezohwebo oluzimele ezibuwa inyakatho, izinhlangano zezinhlaka zesimo sezuzu nezezimali, kuhlale kuyinto eyinhloko iNingizimu Afrika egxile kukho.

Eminyakeni yokugcina engu-15, iZingxoxo ze-IBSA Dialogue ziye zaqhubeka zidlala indima eyinhloko ekukhuthazeni ukubambisana nobumbano kwesibambisene nabo bakwamanye amazwe ezindabeni zomhlaba ezisikhathaza sonke nesikuthandayo. Phakathi kwemigomo ye-IBSA ukukhuthaza i-South-South Cooperation nokubambisana ezimpikiswaneni zomhlaba wonke ezindabeni zentuthuko. I-IBSA Foreign Ministers' Brasilia Declaration (2003), yafuna utshintsho kuyiKhansela Lokulondeka Le-UN futhi idinga ukubambisana namazwe ngamazwe ngezezimali ezisabela entuthukweni futhi zibheke Izinhlangano ze-Bretton Woods ngo-2007 eSimemezelweni Sase-Tshwane.

> Ukuthula nokuxazulula ukungezwani ezwekazini bekulokhu kubonisa uphawu lwempumelelo yeNingizimu Afrika kuleli zwekazi.

Nokho, eminyakeni yamuva, ikakhulu selokhu iNingizimu Afrika yajoyina i-BRICS akukaze kwaa nezingqungquthela ze-IBSA, nakuba ukubambisana kwenzeka emazingeni ezikhulu. Ikusasa le-IBSA kufanele liphinde lihlolwe ngokuvumelana ne-BRICS nezingxenye eziyinhloko zamazwe epolitiki ezikhona emhlabeni.

Ukumiswa kwe-BRICS ngo-2009 nokumema kwe-China iNingizimu Afrika ukuba ijoyine ekupheleni kuka-2010, kwaba uphawu lwamanzi oluphakeme kumanxusa ase-Ningizimu Afrika. Amazwe e-BRICS azibophezele eyiqoqo nangamanye ukulwela ukuthuthukisa ndawonye nokuthuthukisa wonke amalungu ayo namazwe e-Global South. Nakuba iNingizimu Afrika inomnotho omncane kakhulu kunamanye amalungu, uyakwazi ukwenza iNingizimu Afrika ukuba ibe nengxenye enkulu ezingxoxweni zokusebenza ndawonye nezinye izinhlangano zaseningizimu zezinguquko ezinkulu nezisheshayo esimisweni sokubuswa komhlaba wonke. Ngaphezu kwalokho, ubulungu be-BRICS buhlale buhlobene nokulungela ukusiza ekuhlangabezaneni nezinselele zentuthuko ye-Afrika.

IZINSELELE EZIPHIKELELAYO

Indawo iNingizimu Afrika eyenzela kuyo ubuhlobo bamazwe ngamaze inezici zokukhula noshintsho olukhulu. Iminyaka yasekuqaleni yayibonakala njengeholidi labasanda kushada phakathi kweNingizimu Afrika nomhlaba wonke. INingizimu Afrika isalokkhu ibhekwa njengomngane obambisene obalulekile endaweni yomhlaba; nokho, ezomnotho zayo zasekhaya Nezinselele zepolitiki eminyakeni yamuva iye yathinta idumela layo. Ukusetshenziswa kwemali okuqinisiwe koMbuso kuye kwanciphisa izimali ezitholakalayo. Ukuze iphinde yakhe idumela nokuphumelela kwayo emazweni ngamazwe, South Africa kuzodingeka inqobe ezinye zezinselele eziyinhloko eziveziwe kulokhu kuhlola.

Ukungabikhona kwezinto ezithandwayo ezicacile ezibekiwe nokuxhumana nomphakathi okukhulunyiswana ngakho kuyinto egxekwa njalo emthethweni WeNingizimu Afrika ophathelene namanye amazwe. Nakuba kunedokhumenti eyimfihlo eboniswa okuthandwa izwe lonke, ekuqukethe akucacile ngendlela i-Ningizimu Afrika ewuphatha ngayo umthetho ophathelene namanye amazwe. Lokhu kwenza kubonakale uguquguquka futhi ungenayo inhloso eqondilemayelana nemigomo eqondile eyinhloko yanoma imuphi umthetho wezwe ophathelene

namanye amazwe, owenza kudingeke kuthathwe isinyathelo endaweni yamazwe ngamazwe othuthukisa inhlalakahle nokuchuma kwabantu bayo futhi inikeze ukuphepha nokulondeka.

Icebo elihlosiwe liyohlobana nokuqinisekisa ukuthi isinyathelo esithathwayo odabeni ngalunye (ikakhulu uma kungekona okuthandwa izwe lonke eNingizimu Africa okuyinhloko) aluyithuntubezi ngokuqondile intuthuko kwenye indawo; okungase kwenzeke. Ngesikhathi esifanayo, lokhu kwenza kube nesidingo somthetho oyisiqondiso ekubeni inkimbinkimbi kokuthuthukisa okuthandwa izwe lonke futhi kunqobe nohlu lwamalungelo abantu. Ngokulinganayo, lokhu kuyofuna indlela enengqondo nenokubambisana ezingxenyeni ezihlukahlukene.

Eminyakeni yokuqala yeNingizimu Africa yentando yabantu, izwekazi lalibhekwa njengomqondo nokungenanqubekelaphambili nomenzi wemithetho. Izibonelo zalokhu ukuthuthukiswa kombono wenkathi yobumnyama yase-Africa nezikhungo ezaba khona ngenxa yayo (i-NEPAD Agency, i-APRM ne-AU) nendima yayo egxekwayo ekwamukeleni isimemezelo sabantu abasebenza ezimayini. Amanye ala mandla, udumo, nomlando kuye kwalahleka ngokuhamba kweminyaka. Nakuba iNingizimu Afrika inendima ebalulekile e-Afrika, amandla ayo okuthonya izigcawu zokukhulumisana zomhlaba wonke, ikakhulu lapho imiswe khona imithetho yemidlalo, ihlobene nesilinganiso esikhulu samandla ayo ukuba ikhuthaze endaweni umthetho womhlaba wonke nokuhlola isimo ngokunembile ekukhuthazeni intuthuko ezingxoxweni zomhlaba wonke.

> Ubulungu be-BRICS buhlale buhlotshaniswa nokusiza ekuhlangabezaneni nezinselele zentuthuko ye-Afrika.

Isimiso somhlaba okwamanje silwisana nenkolelo okuphikiswana ngayo mayelana: (1) izinzuzo nefilosofi ohlelweni lomhlbaba; (2) imvelaphi yesimiso sokubuswa kwabantu nekusasa lokwenziwa kwamabhizinisi asebenze emhlabeni wonke; (3) imvelaphi yentando yabantu; (4) ikusasa nokubambisana komhlaba wonke lapho kwanda khona ubuzwe nenani labantu. Imiphumela yalezi zimpikiswano kungabangela izinhlekelele ezinkulu emazweni anjenge-Afrika neNingizimu Afrika. Ukuguquka kwezepolitiki kudinga abalingiswa bomhlaba abathuthukayo, ukukhuthaza nokuqapha ngoba imithetho yomhlaba iyashintshwa. Kubalulekile ukuba izwekazi libe sekhaleni lempi yemibono ehloselwe ukuqinisekisa ukuthi imigomo ebalulekile ye-Agenda 2063 ayishaywa indiva.

Impumelelo yeNingizimu Afrika ekuthuthukiseni imibono ye-African Renaissance nomphumela i-NEPAD yayiwukwenza indlela yokubambisana nemibuso yase-Afrika. Ezinye zalezo zinhlelo ziphelele endleleni. Inselele ngeNingizimu Afrika iwukushisekela ukwenza izinhlelo zokubambisana nemibuso yase-Afrika engayisiza ukuba ithuthukise imigomo yayo mayelana nemithetho ephathelene namanye amazwe. Ngesikhathi esifanayo, iNingizimu Afrika ikwazile ukuthola ukusekelwa emazweni ayinhloko angaphandle kwezwekazi eyabona izinzuzo zalokho iNingizimu Afrika eyayihlele ukukufeza. Kubaluleke kakhulu ukuba iNingizimu Afrika iphinde iqale ubuhlobo nawo, ikakhulu neYurophu engumakhelwane oseduze we-Afrika. Nabanye abantu abasha emhlabeni kudingeka baqinisekiswe ngokubaluleka kokucabanga ngezinto ezikhathaza i-Afrika, izinto eziza kuqala nezinto abazithandayo ekufinyeleleni izindlela zokusiza izwekazi.. INingizimu Afrika inendima ebalulekile ekubambeni izingxoxo nababambisene nayo abangaphandle ukuze balandise.

INingizimu Afrika kuzodingeka nokuba ibe nesithakazelo kakhulu ethonyeni lemibono enayo ngemithetho ephathelene namanye amazwe ekuhlanganeni nezwekazi lethu nangale kwalo, ikwazi ukuxoxa nawo ngendlela efanele futhi iphumelele kakhulu emithethweni yayo ephathelene namanye amazwe. Lokhu kubalulekile uma iNingizimu Afrika izoba nendima ephumelelayo ekuholeni leli zwekazi, nezinye izingxoxo zamazwe ngamazwe. Ngokwesibonelo, ukuphikelela kokubulawa kwamaphandle eNingizimu Afrika, okwakuhloswe kakhulu abavela emazweni ase-Afrika kunciphisa ukuzibophezela kwezwe okwashiwo kuyi-African Agenda nezimiso zayo zobuntu. Ukukhathazeka ngokuzibophezela kweNingizimu Afrika ekwenzeni i-Afrika ebumbene kuhlanganisa ukuba buthaka komnotho waseNingizimu Afrika nokuqonda izimo, ikakhulu emazweni aseduze nayo. Ngaphezu kwalokho, kunombono okhulayo ikakhulu phakathi kwalabo ababambisene nomthetho omayelana namanye amazwe eNingizimu Afrika wokuthi abawulandeli umthetho ocacile nongaguquki osekelwe eqoqweni lezimiso ezingaguquki.

Ezomnotho ziye zabonisa umgomo womthetho omayelana namanye amazwe eNingizimu Afrika, kodwa ukuze izwe libone izinzuzo zalokhu, lidinga izinto ezintathu eziyinhloko. Okokuqala ezomnotho kudingeka zigxile ezintweni ezicacile ezithandwa izwe lonke. Okwesibili, umnotho woMbuso kufanele uqiniswe futhi ujuliswe ngokwengeziwe.

Kunezidingo zokuba uqondaniswe eduze nezinhloso nemigomo yezomnotho, kuhlanganise abasebenzi nababeleli babo. Okwesithathu, ezomnotho zidinga ukubambisana eduze phakathi kukahulumeni nezamabhizinisi, ukuze kube nokubambisana kwangempela kokubili lapha ekhaya nakwamanye amazwe aphesheya. Ngendlela efanayo, ezobuchwepheshe ezintsha zizodala izinselele namathuba emnothweni waseNingizimu Afrika nasekutshaleni imali okuhlobene nakho nendlela yokuhweba mayelana nezinkampani zomnotho zakwelakithi. Kuzodingeka indlela yokuhlanganisa izinkampani ezintsha ekuhlumiseni umnotho nohlaka lokuhweba namanye amazwe.
Ukuthuthukisa izinga lokutshalwa ngokuqondile kwezimali eNingizimu Afrika kuzodinga umzamo obumbene wokwakha ithemba lomtshali zimali ngenxa yenkohlakalo nokubanjwa kombuso ngobhongwane, ubugebengu nokulondeka kwamandla.

Ukuthula nokuxazulula ukungezwani ezwekazini bekulokhu kubonisa uphawu lwempumelelo yeNingizimu Afrika kuleli zwekazi.

Ngesikhathi esifanayo, njengoba inikezwe ukubaluleka kokugxila emthethweni weNingizimu Afrika ophathelene namanye amazwe ekwakheni i-African Peace and Security Architecture, abantu bakuleli abasebenza kuyi-AU ukuze ivumelane neminikelo yokuhlolwa kwayo, isalokhu iphansi. I-SANDF nayo ibhekene nezinselele ezihlobene nemishini efanelekayo, izimali nokuqeqeshwa okuhlobene nokusebenza ngempumelelo kwezinhlangano ezisekela ezokuphepha ezweni lonke eNingizimu Afrika, okuthandwa izwe lonke nomthetho ophathelene namanye amazwe. Kunezinselele eziningana ezindabeni zezimali ezingenele futhi uma kungazange kuxoxwe ngakho, kuyoba nethonya empumelelweni yokusetshenziswa kobuhlobo bezwe emazweni ngamazwe. Yilezi:

- **Uhlelo Lwezimali:** Indlela yokusebenzisa izinhlelo esimweni senhlalo yabantu ohlelweni lwezimali olunciphayo ekusekeleni iqoqo le-ICT, ikakhulu endabeni yeminyango eyandisiwe.
- **I-HR –** ukungafundi ngomnotho kudinga ukuthuthukiswa ngokwengeziwe phakathi kwe-Department of International Relations and Cooperation, ikakhulu ukuze ikwazi ukusekela umsebenzi owenziwa i-Department of Trade and Industry and National Treasury. Amakhono omphakathi nawamazwe ngamazwe okuthengisa kuzodingeka athuthukiswe ukuze avumelana nohlelo lwezindlela zokuxhumana lwekhulu lama-21 izingosi zokuxhumana. Ikhono lokusebenzisa ulimi lwakwelinye izwe kufanele kube into ebalulekile emakhonweni abantu baseNingizimu Afrika okumelwe babe nawo.
- Izinhlaka zohlelo – lezi azikakaqondaniswa noma zishintshwe ukuze zibhekane ngokuphumelelayo nendima yokwanda komnotho.



UTHI BEWAZI

UGU

Ugu lwase-Afrika lungu-30 500km kuhlanganise nezilwandlekazi ezingu-2 – i-Atlantic ne-Indian nezilwandle ezimbili i-Mediterranean noLwandle Olubomvu.

Ukubambisana phakathi kwamaqoqo, iminyango namazinga kahulumeni:
Inselele enkulu eqhubekayo ezingxenyeni ezihlukahlukene isidingo sokuhlanganisa nokubambisana nabantu baseNingizimu Afrika. INingizimu Afrika ingafeza okuningi uma ikulungisa ngezidlela ezihlukahlukene ngendlela engeyona inkimbinkimbi kakhulu. Isimiso sezifunda seNingizimu Afrika senza kube nesilinganiso sokuzimela ekuphishekeleni ubuhlobo bezomnotho nesiphathini bangaphandle, ikakhulu lapho imingcele yezifuna isemibusweni engomakhelwane. Ngaphezu kwalokho, izinselele eziningi zomhlaba njengokuguquguquka kwesimo sezulu kuxoxwa ngazo ezingeni lamadolobha, amadolobha ayinhloko amakhulu enza ukuzibophezela futhi abamba iqhaza ezingxoxweni zama-COP ezinjengokuguquguquka kwesimo sezulu kwaminyaka yonke.

Ukusetshenziswa okuphumelelayo nokuphoqelelwe kweZindlela ezigunyazwe iKhabhinethi Neziqondiso Zokubambisana Nomthetho Wamazwe Ngamazwe kuyadingeka ukuze kulondolozwe ubuhlobo beNingizimu Afrika namanye amazwe.

Eminyakeni engu-10 yokugcina kumiswe i-South African Development Partnership Agency (SADPA) kuye kwaxoxwa izikhathi eziningi ngayo – kokubili ePhalamende nakuyiKhabhinethi. I-SADPA, uma isetshenziswe njengendlela yokubambisana ehlanganisa ongoti abahle kakhuu abavela eminyango eyinhloko ehilelekile ngemva kwezingxabano zaseNingizimu Afrika emisebenzini yokwakha ukuthula inganikeza into ebalulekile novo ezingxoxweni zangaphakathi zeNingizimu Afrika.

UKUNCOMA

- **Ukubeka eqhulwini ukusebenza kwe-Agenda 2063 kuze kuqala ez-indaweni nokuthuthukisa 'ukubam-bisana ngokuzithandela' kwababam-bisene ngokuyinhloko ne-Afrika, okusekelwe ekubambisaneni kwe-zomnotho, ukuthula nokulondeka, nethuba lokubambisana ezwenikazi okuhlobene nama-SDG, kuyilapho sithuthukisa izinto eziseqhulwini ohwebweni lwezwekazi, ukutshalwa kwezimali nentuthuko.**
- **Ukuhlakulela amakhono ezomnotho aqinile kuyi-Foreign Service ukuze ibambisane ngokuseduze nezinkampani ezizimelel nezinto ze-Trade Invest Africa ukuze ifeze ngokugcwele umgomo wayo kuyilabo iphinde ihlanganisa futhi yandiswa. Indima yeNingizimu Afrika njengomhlanganisi wamandla e-Afrika ezingxoxweni zomhlaba wonke, ekuthuthukiseni ezomnotho zayo ezwekazini nokuqinisekisa ukusetshenziswa ngokuphumelelayo kwentuthuko ezwenikazi.**
- **Ukuqinisekisa ukuhlanganiswa kwezwekazi le-SADC ne-Afrika kugx-iliswe phakathi nomongo we-AfCFTA yezokuhweba ngaphakathi e-Afrika, nokukhulisa kakhulu ukuhlanganyela kweNingizimu Afrika' ekuhwebeni ngaphakathi e-Afrika.**
- **Ukuthuthukisa iNingizimu Afrika njengenendima eyinhloko kuzo zonke izinhlaka ze-AU ukuze ibe nesandla entuthukweni yokusimama, ukuthula nokuzinza nokufinyelela umgomo we-Agenda 2063 nokuqinisa ubuhlobo bayo bezomnotho nentuthuko yokubambisana nasemazweni aseNyakatho nakwezinye izindawo zaseNyakatho.**
- **Ukuthuthukisa ngentshiseko izinguquko esimisweni somhlaba wonke sokubusa, ikakhlu kuyi-UN naku-Security Council.**

ISAHLUKO 15

Isiphetho



Ekuqaleni kwaleli khulu, abaholi nezazi kulo lonke elase-Afrika baphinde bazibophezela ekwenzeni ikhulu lama-21 libe iKhulu Labantu Base-Afrika. Lokhu kwalandelwa ukuphela kobandlululo eNamibia nase-Ningizimu Afrika, yenza i-Afrika yaba seduze kokuqeda isahluko esinesihluku sokubuswa amanye amazwe nobandlululo, ngaphandle kwabantu base-Western Sahara, South Sudan, Chagos Archipelago nase-Comorian Island of Mayotte. 'Isimangaliso sentando yabantu' esaqala iNingizimu Afrika entsha eminyakeni engu-25 edlule, yanikeza bonke abantu intshisekelo, abamnyama nabamhlophe, abasha nabadala, amadoda nabesifazane, abasemadolobheni nabasemaphandleni, futhi kwaba okukhuthaza umhlaba wonke.

Ukuphela kobandlululo kwakuwumphumela wezimpi, ukunqoba nezimpumelelo ezathatha amakhulu eminyaka kuhlanganise, Ukubulawa kwabantu e-Bulhoek, e-Sharpeville, eSoweto, eMaseru naseMaputo (phakathi kokunye okuningi) kanye nemashi yabesifazane eyayiya eZindlini Zombuso, ukwamukela i-Freedom Charter, nokulwa kwabafundi nentsha, abasebenzi nabesifazane. Ngempela, indaba yeNingizimu Afrika iyindaba yokuzidela kwezigidi emhlabeni wonke nalabo abasekhaleni lombuso nabo abakhokha inani elikhulu futhi basekela ukulwa kwethu.

Le nkathi ibuye iqondane nokuphela kweMpi Yomshoshaphansi, ukuQothulwa Kohlanga okunyantisayo eRwanda ngo-1994, inkathi entsha yentuthuko yezokuxhumana emhlabeni wonke nobunye ubuchwepheshe nokuphela kwamakhulu kwentuthuko yase-Afrika ngaphansi kwezinhlelo zokuma ezilungisiwe.

Ngakho, eminyakeni engamashumi amabili ezayo, lapho oluningi loshintsho eNingizimu Afrika lwenzeka khona eminyakeni engu-25-year, i-Afrika yazenzela yona ushintsho, ukuxazulula izingxabano ezindala nezintsha (isib. Sudan/South Sudan ne-Cote d'Ivoire, Ethiopia/Eritrea ne-Gambia); yakhula cishe ngo-5% (namazwe angu-7 aphezulu kwayishumi ngokukhula ngokushesha kwamazwe emhlabeni wonke), isho iziqondiso ezintsha zentuthuko yawo nohlelo lokuhlanganisa nobuhlobo bawo nomhlaba wonke.

LOKHO UHULUMENI WENTANDO YABANTU AKUZUZE NJENGEFA

Uhulumeni wentando yabantu uzuze njengefa umphakathi ohlukene ngokujulile, ohlele ukuwushintsha nge-Reconstruction and Development Programme, uhlaka oluhlangene, lokubambisana kwezenhlalo nakwezomnotho. I-RDP ifuna "ukwenza ukuba bonke abantu bethu nemithombo yengcebo yezwe ekugcineni ingabi nalo ubandlululo nokwakha ikusasa lentando yabantu, elingenalo ubandlululo nelingabandlululi ngokobulili." I-RDP ibuye iqaphele ukuthi izinkinga zeNingizimu Afrika, ekuqaleni kwentando yabantu ngo-1994, zazijulile.

Lezi zinkinga ezitholwe njengefa zihlanganisa:

- Ukungabi khona kwezindlu kwakungengaphansi kwezingxenye ezingu-1.3 million, futhi uma kwakucatshagwa namahostela nezindawo zasemaphandleni, kwakuzoshoda ngezingxenye ezingaphezu kwezigidi ezingu-3.
- Sonke isimiso sokuphatha sasinezici ezingengaphansi kwabaphathi abangu-11 nesimiso semfundo esinabaphathi abangu-13 nesimiso sempilo esinezimiso ezingu-11.
- I-Eybert Commission on Adult Education ilinganisela ukuthi bacishe babe ngu-80% abantu abadala enanini labantu base-Afrika.
- Ngaphezu kwalokho, ngo-1990 kwakungu-24% wabafundi abaNsundu kumatikuletsheni abafunda i-Mathematics uma siqhathanisa ngo-64% Wabamhlophe no-70% wabafundi abangamaNdiya, ngo-1990. Izinga lalabo abaphasa i-Mathematics laphasa ngo-97% abaMhlophe no-15% abaNsundu[311].
- Cishe u-59% wezikole Zabansundu BaseNingizimu Afrika azinawo ugesi, ucingo (61%) nomtapo (82%). U-60% wezikole wawungenazo izinto zokufunda nokufundisa[312].
- Isimiso sezenhlala-kahle sasisiza kuye ngohlanga, ubulili nendawo
- Isimiso sobugebengu nobulungisa ikakhulu amaphoyisa, amasosha, izinkantolo namajele, kwakuyizikhungo eziyinhoko ezaziphoqelela futhi zisekelwa isimiso sobandlululo.

311 Izinkomba ze-FRD, ngo-1993 zicashunwe kuHSRC, 2013. Kubhekwe ngokubuyekezwa kweminyaka engama-20, ikhasi.36.

312 Umnyango wezemfundo. Kwezemfundo eNingizimu Afrika: ukuphumelela kusukela ngo-1994, 2001.

> Phakathi neminyaka emibili yoshintsho, iNingizimu Afrika yamukela uMthetho-sisekelo owaba umkhiqizo wezingxoxo, obonisa intshisekelo yabo bonke abantu.

